# IZwi EliKhulunyiwe LiyiMbewu YasekuQaleni [1]

Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Sizoba nenkonzo yombhaphathizo phakathi kwesikhathi? [UMfowethu Neville uthi, "Masinya emva kokuba usuqedile."—Umhl.] Emva kokuba sengiqedile. Kunjalo? Ehhe.

2 Sanibona ekuseni, bangane. Ngijabula kakhulu ukuba lapha! Futhi kulokhu ukusa siqala ngaphambidlana kwesikhathi. Futhi ngixolisa njalo ukubona indawo engenele ngokwenele ukuhlalisa abantu. Futhi ngiyazi ukuthi kulukhuni kini ukuma. Futhi ngikhiphe, kulokhu ukusa, ukuthi lesi bekuzoba yisikhathi ebengifuna ngaso ukuba nesikhathi esiningi. Futhi ngicabanga ukuthi bekuzoba kuhle kakhulu, ngokuhambisana, lapho inkonzo iqhubeka, ukuthi uma abanye bebezohlala phansi, abanye bame, futhi bathi ukuphumuzana. Futhi uma nifuna ukuphumela phandle futhi nithi ukuhambahamba isikhashana nje, khumbulani, ngokuthi yinkonzo ende, ku—kuzoba kuhle ngokuphelele. Khona-ke singashintshana. Futhi manje ba . . .

3 Siyazi basohlelweni lwesakhiwo, lapha etabernakele, ukuba kube yindlu yokukhonzela ebanzi nenkulu ngokuthe xaxa engaba nendawo eyenele yokuhlala. Futhi ngicabanga ukuthi indlu yokukhonzela lapha iyohlalisa kuphela abalapha kwamabili . . . amashumi amahlanu, abantu abangamakhulu amathathu. Futhi kukhona mhlawumbe elinye ikhulu ngaphezulu kwalokho phakathi lapha manje. Ngakho kuzoba . . . Futhi ngingena, ngabona abantu beshayela beya emuva naphambili, bengayitholi indawo yokupaka, ndawo zonke. Futhi—futhi, kusobala, uma befika lapho emnyango futhi bebona amahholo egcwele nswi, nezindonga zigcwele nswi, nokunjalo, kunabantu, bese, kuwo wonke umsamo nokunjalo, bese be—besuka bahambe. Futhi sifuna wonke umuntu ezwe uMlayezo weNkosi, njengoba sizama ukuWethula.

4 Ngifuna ukumemezela lokho, masinya, ngizozama ukukhuluma njalo kuze kube ngeleshumi nambili nqo. Bese kuthi-ke emva . . . Futhi ngizophuma ngeleshumi nambili, futhi lokho kuzonika wonke umuntu isikhathi ukuba ahambe ayozithengela angakudla. Ngalesisikhathi, umfundisi, umelusi, uMfowethu Neville lapha, uzoba nenkonzo yombhaphathizo ngalesisikhathi. Na—nani bantu enithi shelele futhi nithole eningakudla, sizobe-ke sesibuya. Futhi ngizozama ukuba sepulpiti ngelesibili impela nqo, bese-ke ngiqhubeka kulentambama.

5 Futhi kade ngisemkhulekweni kakhulu kuleliviki. Futhi be—bengingeke ngize ngisho ngiqede ukuba bengingazange nginqamule, cishe okwesine kwawo, kumbe noma okwesithathu, kwalokho engifisa ukukusho kubantu. Manje, ngakho, siyanibonga ngobambiswano lwenu oluhle lokuza emihlanganweni, na—nalokho enisenzele khona, futhi nisisiza futhi nisikhulekela.

6 Futhi ngibe nenhlanhla, esikhashaneni esimbalwa esedlule, yokukhuluma nowesilisa omdala nowesifazane, okuyi. . .Sibazi njengoMfowethu noDadewethu Kidd, akade bethembeke kakhulu kusukela phansi eminyakeni. Futhi bamile esikhashaneni esedlule. Ngibatshele ukuba beze ngapha, bengifuna ukubabona umzuzu. Futhi kube yinhlanhla enkulu ukukhuluma nabantu abadala, akade beshumayela iVangeli ngenkathi nokho ngangiseyi—yingane. NeVangeli elidala elihle kakhulu liya ngokuba ngcono ngaso sonke isikhathi, lapho sisondela ekupheleni komgwaqo.

7 Futhi manje kukhona izingubo zomkhuleko ezibekwe lapha, futhi ngifuna ukuzikhulekela, emva kwesikhashanyana. Futhi manje asikhothamise amakhanda ethu nje umzuzwana ngezwi lomkhuleko.

8 Baba wethu waseZulwini, Wathi eZwini laKho, "Uma Ngiphakanyiswa emhlabeni, Ngiyakubadonsela kiMi bonke." Futhi leyo yinhloso yethu empilweni, ngukuphakamisa, phambi kwesizukulwane sabantu abafayo, ukuthi uJesu Kristu useyiyo iNdodana kaNkulunkulu, uMsindisi wezwe. Futhi ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi ngihlala lapho okukhona abantu abakukholwayo lokho, futhi kanye nezinkulungwane emaMukelile njengoMsindisi wabo.

9 Nokwazi, ukuthi, emva kokuba lokhu ukuphila sekuphelile, kuyoba khona ukuphila ngapheseya, okuyoba kuhle kakhulu, ukuthi lokhu izinhlupheko namahora ambalwa esedlula kuwo, lemithunzi namathunzi okuphila lapha enkundleni yokuvivinyela, esingena nje emkhondweni manje, silindele ukubala ngokuhlehla. Ngokuba, masinya kuzofika isikhathi ukuthi lapho isikhathi sikaNkulunkulu sesigcwalisekile, ingalo enkulu ebilokhu isigodle isikhathi eside kakhulu isikhathi, ekugcineni izosidedela neBandla laKhe lizosuka kulomhlaba, lingene emkhathini, liyophumela ngaleya eZweni lapho okungeke kubekhona ukugula, usizi, ukuguga, ukufa. Yingakho sibuthene namhlanje, Nkosi, ngukuzwakalisa umuzwa wethu ngalezizinto.

10 Sijabula kakhulu ukwazi ukuthi lokhu akusikho nje ukuletha abantu babuthane ndawonye ngento eyize; ukuthi kufakazele ubuqiniso obukhulu kunabo bonke izwe eselake labazi, ukuthi iNdodana kaNkulunkulu ayifile, Eyenza izithembiso, kodwa iyaphila phakathi kwethu njalonjalo.

Futhi sijabula kakhulu kulokhu ukusa, Nkosi, phezu kwezinto zonke, nakuba sinezwe lingelethu futhi sibebasha amakhulu eminyaka, ukuba silijabulele, kodwa bekungaba yinkathi yonyaka kuphela uma kuqhathaniswa nokuthi sikhathi sini esibekelwe labo abaMthandayo. Ngakho, sizama ukukhombisa umfowethu nodadewethu kulelihora elikhulu elisondela kithi. Futhi njengoba sibona lesosikhathi siza, Nkosi, izinhliziyo zethu ziyavutha. Sifuna ukulungisela.

11 Futhi ngamunye ngamunye sehla ngomgwaqana ongumhubhe. Sisanda kuqeda ukungcwaba oyedwa phakathi kwethu. UDadewethu Bell, ehamba ngokushesha, ngokwesicelo sakhe; ngokushesha okukhulu, asikwazanga ukufinyelela kuye, ukukhuleka kanye naye. Kodwa kube yisicelo sakhe ukuba ahambe, ukubona ukuthi Umuhle kanjani ukuhlinzekela zonke izinto esizifisayo ezinhliziyweni zethu. Awushiyi nazinye zazo. Wakwethembisa.

12 Manje, sikhulekela ukuthi Uzokwenza izinhliziyo ukuba ziKuqonde namhlanje, labo abangaKuqondi. Ulethe izoni ekuphendukeni, ulethe abantu abagulayo ekwazini kokuphilisa kukaNkulunkulu. O Nkulunkulu, busisa abangcwele baKho futhi ubophe izinhliziyo zabo zibe ndawonye. Futhi lapho lamateyipu iphuma iye e—emadolobheni namabandla, onke aphumele ezizweni umhlaba jikelele, kwangathi abazalwane abakhonzisayo, oke wathi mhlawumbe ukungaqondi, angaqonda manje, ukuze iBandla laKho lilungele.

13 Futhi manje, O Nkosi, Owangehlukanisa kumama wami, Ongondlile zonke izinsuku zokuphila kwami, ungilethe kulelihora; ngomusa waKho, ngizwa ukuthi kwakuyintando yaKho ukuthi ngifanele ngibachazele abantu, ukuthi kungani ngiziphathe futhi ngenza ngendlela engenze ngayo, kwangathi kungaba ngendlela impela ukuthi abantu bazoba nokuqonda okungcono, Nkosi, ngokuba yinqaba kwezinceku zaKho. Siphe lezizinto, Baba. NalemiBhalo, nendikimba namazwi esiwabhalile lapha iviki lonke, sikhuleka futhi sifundisisa, kwangathi angawela emhlabathini omuhle ndawo zonke lapho ezwiwa khona, umhlabathi ongawabamba futhi uwondle. Bese kuthi-ke lonke udumo luyonikwa Wena, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

14 Kubantu phandle ezimotweni, abangakwazi ukungena, ngiqhasela into encane yokuthi kuzwakale lapha manje. Futhi vula umsakazo wakho kuleven-fifti, leven-fifti, futhi uzowuthola uMlayezo emsakazweni wakho ngqo emotweni yakho. Manje, ngabe yilokhu okuxhunywayo lapha na? Kuvuliwe, kunjalo, kwenzelwa a—amateyipu na?

15 Manje, kubo bonke abangani bami, ndawo zombili lapha nanoma yikuphi lapho lamateyipu angahamba afike khona, ngiyezwa ukuthi ngiyabakweleta abantu, ukuba ngichaze

izinto eziningi engizishilo futhi ngazenza. Izikhathi eziningi kakhulu, abantu uze kimi, wase ethi, "Umfundisi wethu uthi . . . Bekungani wenze *lokho*, Mfowethu Branham na? Wakusholoni *lokhu* na? Futhi yini ekwenza ukwenze *ngale*ndlela na?" Manje, ngayo yonke inhliziyo yami, yonke into engiyenzile, ngiyenze ngenjongo enhle ukwedlula konke engikwaziyo ukuthi kunjani. Nakho konke engikushilo, ngikusho kuvela enhliziyweni yami. Futhi ngikwenzele inhloso. Futhi ngizozama, kulokhu ukusa, ngosizo lukaNkulunkulu, ukuchaza ngokuvela eBhayibhelini inhloso, nokuthi ngikwenzeleni.

16 Futhi manje lapho, mhlawumbe, eqenjini labantu abangaka, mhlawumbe kukhona abefundisi abaningi abahlezi lapha. Futhi bazoba baningi abezwa lokhu. Futhi ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi esenele engi . . . ukubeka konke ebengicabanga ngakho, futhi ngakufaka ngokombhalo, ngaletha imiBhalo kukho, njalo, ku—kubantu. Kodwa, kubazalwane bami, nakuba ngisho beningavumelani nami; manje ngikhuluma ndawo zombili lapha nakumateyipu. Ningahle ukuba beningavumelani nami, kakhulu, ngenxa ye . . . ukumela kwami lokho engicabanga ukuthi kulungile. Futhi ninelungelo lokungavumelani nami, njengoba ningakubona ngokwehlukile. Kodwa ngethemba ukuthi mina, ngosizo lukaNkulunkulu kulokhu ukusa, ngizokwazi ukunikhombisa isizathu sokuthi kungani ngithathe lesisinqumo. Futhi a—angikaze . . .

17 Kubenezikhathi eziningi engithethise ngazo amabandla, amahlelo, ukugqoka kwabesifazane, ukwenza kwabesilisa. Ngicabanga ukuthi ngikwesekele ngokuhlolisisa lokho ngomBhalo. Futhi angikaze nakanye, uNkulunkulu eyazi inhliziyo yami, ukuthi ngake ngaba nakho ukuba nomoya omubi kunoma wubani. Akunandaba noma bengavumelananga nami, njenganeMpumalanga kwiNtshonalanga, bengisalokhu ngibathanda. Futhi inqobo nje uma ngisenoMoya kaNkulunkulu kimi, ngiyolithanda njalo iBandla laKhe, abantu baKhe. Akunandaba ukuthi benzani, kumbe ukuthi bangiphatha kanjani, lokho ngeke kuhlangane ngalutho nakho. Ngisabathanda.

18 Ngiyakhumbula, ngesinye isikhathi indoda egama linguMose. Labobantu zonke izikhathi, besingakubiza ngesaga sangakithi eningizimu, babekhulisa okubi ngaye, nje zonke izikhathi belokhu bemnyakazisa, yonke into ngokuvungama noma ukusola, nokunjalo. Kodwa, uMose, lapho sekufika elamanqamu, lapho uNkulunkulu ethi, "Zahlukanise nabo, ngoba Ngizothatha wena futhi ngiqale isizwe," uMose waziphosa endleleni yolaka lukaNkulunkulu. Wathi, "Thatha mina, futhi kungabi ngabantu," ayebabize ngamavukela-mbuso, ukuvukela uNkulunkulu naye. Nokho, wabathanda kakhulu ngangokuthi waze wathi, "Thatha mina, futhi ubasindise bona." Lowo kwakunguKristu kuMose.

19 Futhi uma umuntu, akanandaba ukuthi omunye othize ubengevumelane kangakani naye, uma engezwa ngaleyondlela, khona-ke kukhona ukushodelwa nguKristu, ngiyakholwa, uma ngokuvela enhliziyweni yakhe (hhayi izindebe zakhe, kodwa inhliziyo yakhe) uma engezwa ngaleyondlela ngasesintwini.

20 Ngamangala ngesinye isikhathi, kungesiwo nje kuphela umqondo wokwemukela okuhlekisayo ngalesisikhathi. Kodwa kwakukhona u—umhlangano waseChicago, nendoda elikhaladi yayihlezi lapho, futhi yaqhubeka ithi, "Ngifuna ukubona uDr. Branham." Yayifake isigqoko esikhulukazi, iziphambano ezinkulukazi, amayintshi ayisishigayalombili noma ayishumi ubude nobubanzi, esifubeni sayo, nezingubo eziyimijiva, futhi igqoke ngokuxakile ngempela, namaringi axakile nobuhlalo, nokunjalo. Ngatshela uMfowethu Baxter, owayehambisana nami, "Itshele. Ingenise ekamelweni. Ngi—ngizo—ngizoyibona."

21 Futhi yahlala phansi kimi, yase ithi, "Ngingakubiza ngo 'baba,' noma 'ngomfundisi-mhlonishwa,' noma nge 'lungu' na? Noma ufuna ngikubize ngokuthini na?"

22 Ngathi, "Uma ungithanda, ngibize ngo 'mfowenu.'" Futhi yona, ngezinhlonipho, yenzenjalo.

23 Futhi yanginika isiqu sayo, obekungaba, o, bengingathatha imigqa embalwa ukubhala kugcwale iphepha, iziqu zegama lebandla, nesiqu sayo ebandleni. Kodwa yasho into eyodwa eyayihlala njalo ingima. Yathi, "Ngikhathalele lokhu, Mfowethu Branham. Ngi . . . " Yangitshela eyayikukhathalele, ebandleni layo nalezizinto. Yathi, "Mina ngikhathalele isizwe esisodwa," yathi, "leso yisintu."

Ngathi, "Lapho sizoxhawulana."

24 Isintu, kuwo wonke umuntu, kuyo yonke inkolo, kuwo wonke umbala, nakuwo wonke umuntu uKristu amfelayo, yilokho engikukhathalele kulokhu ukusa. Futhi bengizama njalo ukukwenza kube ngukukhathalela—ngukukhathalela kwami.

25 Manje ngifuna ukufunda. Bese—bese-ke nje . . . Angihlose khona ukushumayela, ngoba kuzothi mhlawumbe okungenani, enginakho lapha engizokusho, mhlawumbe kuzongithatha amahora amane noma amahlanu. Ngakho emva cishe kwamahora amabili manje, sizobe-ke sesiphuma futhi siye edineni, bese-ke sibuya ngelesibili nqo, cishe. Ngibe lapha ngaphambi kwelesibili, ngoba ngifuna ukuqala ngelesibili ngqo. Nibe lapha cishe emashumini amathathu lishayile elokuqala, uma ningaphumelela. Sizobe-ke sesiphuma ngesikhathi esifanele okwalobubusuku.

26 Ngizofanele ngihambe kulentambama, nokho, ngiye eTifton, eGeorgia, lapho engizobamba khona inkonzo yakusasa ebusuku, nehholo lesikole esiphakeme lapho, inkonzo yokushumayela nje. Bese kuthi-ke kusukela lapho, angazi, nje lapho Eholela khona kusukela lapho. Izindawo eziningi uMfowethu Arganbright

nabanye ushayile ephesheya kwezilwandle, ukuqala masinya nje phesheya lapho; ukunqamula yonke iNtshonalanga, kuphumele eCanada, umhlaba jikelele. Kodwa ngizo . . . nizokwazi . . . kholwa . . .

27 Ngikholwa ukuthi nizokwazi kangcono emva kokuba sengiqedile. Uma uNkulunkulu ezongisiza ukuba ngininike khona ngendlela enganikwa khona ngayo, bese, emva kwenkonzo, nizoqonda, ngiyethemba. Bese kuthi-ke uma kuba nombuzo, eningawuqondi, ngizonicela ukuba nilethe izincwadi zenu. Bese—bese kuthi-ke nina enineziqophamazwi, ungawathola amateyipu bese uwafaka ekhaya lakho, bese uhlala phansi ngenhliziyo evulekileyo, inhliziyo evulekileyo nje. Uyeneke nje, uthi, "Nkosi, sengiphumule manje. Ngizolalela." Bese kuthi-ke uma kukhona okubambayo, ucishe isiqophamazwi sakho bese uhamba ulande umBhalo.

28 NeBhayibheli lathi, uJesu wathi, "YiYo efakaza ngaMi." Niyabo? Futhi ake sibuke emBhalweni futhi sibone ukuthi ngabe kuyiqiniso yini. Manje ngifuna ukuvula . . .

29 [Ukhona okhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Angizwa? Khona phakathi *lapho*. Ubengikhombisa amamayikhi ehlukene okukhuluma embhobheni ukuba ngiwasebenzise. Ayinqwatshana nje lapha kulokhu ukusa, angazi ukuthi ngizoqala ngayiphi.

30 Manje asiphenye kokomBhalo. Ngizoqala kuGenesisi, futhi ngiphetha kulobubusuku eZambulweni. Ngiyalikholwa iZwi. UGenesisi, ngiqale ngesahluko 1, ngifisa ukufunda ingxenye yeZwi. Futhi manje uma kukhona omunye ongafuna, omunye ukuba athathe i . . . nithathe amapensela enu namaphepha, nokunjalo, ngoba nginemiBhalo eminingi. Ngifuna ukuba ngilokhu ngifunda ngaso sonke isikhathi kulemiBhalo.

*Ekuqaleni uNkulunkulu wadala amazulu nomhlaba.*

*Umhlaba wawuyihlane, elingenalutho; kwakungubumnyama phezu kotwa. Kepha uMoya kaNkulunkulu wehla-wenyuka phezu kwamanzi.*

*UNkulunkulu wathi, Makube-khona ukukhanya: kwaba-khona ukukhanya.*

*UNkulunkulu wabona ukukhanya, ukuthi kuhle: uNkulunkulu wahlukanisa ukukhanya nobumnyama.*

*UNkulunkulu wabiza ukukhanya ngokuthi Imini, ubumnyama wabubiza ngokuthi Ubusuku. Kwaba-ngukuhlwa kwaba-ngukusa usuku lokuqala.*

*UNkulunkulu wathi, Makube-khona umkhathi phakathi kwamanzi, kwahlukaniswe amanzi na—namanzi.*

*UNkulunkulu wenza umkhathi, wahlukanisa amanzi aphansi komkhathi namanzi aphezu komkhathi: kwaba-njalo.*

*UNkulunkulu wabiza* imikhathi *ngokuthi yiZulu. Kwaba ngukuhlwa kwaba ngukusa usuku lwesibili.*

*UNkulunkulu wathi, Amanzi aphansi* kwamazulu *mawaqoqekele ndawonye, kubonakale umhlabathi owomileyo: kwaba-njalo.*

*Okomileyo uNkulunkulu wakubiza ngokuthi Umhlaba; nokuqoqeka kwamanzi* ukubiza. . .*wakubiza ngokuthi Ulwandle: uNkulunkulu wabona ukuthi kuhle.*

*UNkulunkulu wathi, Umhlaba mawuveze utshani, nemifino. . .nembewu, nemithi yezithelo ethela izithelo ngezinhlobo zayo, ekuyo imbewu yayo, emhlabeni: kwaba-njalo.*

*Umhlaba wawusuveza utshani, ne*mifino*, yase* ithela *imbewu ngenhlobo yayo, nemithi* yathela *isithelo, ekuyo imbewu yayo, ngenhlobo yayo: uNkulunkulu wabona ukuthi kuhle.*

*Kwaba ngukuhlwa kwaba ngukusa usuku lwesithathu.*

31 Manje ngifuna ukuqala kulokhu ukusa, ngendikimba yami, ukusebenzisa lokhu: *IZwi EliKhulunyiwe LiyiMbewu YasekuQaleni*. Manje yilokho engifisa ukubeka indikimba kukho. *IZwi EliKhulunyiwe LiyiMbewu YasekuQaleni*. Manje uma nizoqaphela, uNkulunkulu wathi, "Mayiveze okwayo, ngenhlobo yayo." Noma ngabe kwakuyini, kufanele kuveze inhlobo yakho.

32 Manje, leliZwi likaNkulunkulu liPhakade. UNkulunkulu, engongenasiphelo, angekhulume into eyodwa bese-ke, kamuva, ayiguqule ibe ngenye into, ibe yisinqumo esingcono. Ngoba, sonke isinqumo sikaNkulunkulu siphelele. Angeke. Uma nje iZwi laKhe like lakhulunywa, Lingeke lize life. Liphila njalo, njalo, njalo, futhi lingeke lize life, ngoba LinguNkulunkulu. IZwi laKhe ngeke lafa kunokuthi Yena angafa. Yingalesosizathu sifunda kuJohane wokuQala noma. . .UJohane oNgcwele, isahluko 1, ukuthi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba-yinyama." IZwi elifanayo elakhulunywa ekuqaleni, ngenhloso yaKhe yaPhakade, leza ngapha laba-yinyama lakha phakathi kwethu. IZwi liNkulunkulu!

33 Eminyakeni ethize eyedlula, ngezwa ukuthi owesifazane. . . Manje, lokhu kungahle kungabi nabo ubufakazi bobuqiniso bakho. Owakhotha ngolimi lwakhe kwiradiyamu insimbi ekwaziyo ukukhipha imisebe ephethe okugijimayo ngelikhulu ijubane, ngenkathi eyixubanisa, ukufaka izinti zesikhathi

zewashi elikhulu namawashi; yambulala owesifazane. Futhi eminyakeni kamuva, kugcinwa ugebhezi lwekhanda lakhe ukuba kucwaningwe imbangela yokufa, okufana nalokho, bathi wawungathatha izinsimbi ezikhalayo, noma ngabe yini abayisebenzisayo, futhi bayibeke ethanjeni lalologebhezi lwekhanda, futhi, ngo—ngokundindizelayo, wawungalokhu uyizwa leyoradiyamu iqhubeka, ogebhezini lwekhanda lakhe, emva kokuba asafa, iminyaka. Iradiyamu iqhubeka njalo.

IZwi likaNkulunkulu liqhubeka njalo.

34 Ngiyatshelwa, ukuthi uma besingacosha insimbi ekhalayo engahle ikwazi ukulibamba, ukuthi iphimbo lomuntu, iphimbo lami engilikhulumayo namhlanje, eminyakeni eyizinkulungwane eziyishumi kusukela manje belingacoshwa emoyeni. Njengokuwisela isigcebe sembali phakathi nesiziba. Namagagasi amancanyanyana, emva kokwehluleka ukuba abonwe yiso, kuyaqhubeka kuze kuyofika osebeni. Negagasi lomoya lamaphimbo ethu liqhubeka lihambe njalo lizungeza lizungeza umhlaba. Ngakho-ke, manje-ke, iphimbo lethu, esikushoyo, kuyoba ngukwahlulelwa kwethu. Ubufakazi bethu buyosivukela ngqo. Amaphimbo ethu uqobo ayowawaza ezindlebeni zethu uqobo, eNkantolo yokwaHlulelwa kaNkulunkulu, lapho insimbi yaKhe enkulu ibamba lonke iphimbo elikhulunyiwe, lonke izwi elimungunyiwe.

35 Futhi manje yinye kuphela indlela yokumisa lelophimbo elingafanele, okungukuthi, phenduka. NguNkulunkulu yedwa ongalimisa. Uma lingami, liyaqhubeka futhi lihlangane nawe ePhakadeni. Ngakho-ke, uNkulunkulu, engophelele, nePhimbo laKhe liPhakade, iPhimbo laKhe uQobo liyofanele libambane nalo. Ngakho-ke, Ufanele aphelele ezinqumweni zonke, ngokuba, uma Eke washo okuthize, Kuzohamba njalo futhi kubuyele ekwaHlulelweni.

36 Manje uma nizoqonda ngempela, noma nizame ukuqonda, nizobona ukuthi kungani bengilimela njalo iZwi likaNkulunkulu, enginalo; ngoba zonke ezinye izinto zifanele zibhubhe. UNkulunkulu ungoPhakade, neZwi laKhe liPhakade. Manje, lapho nifundisisa . . . Futhi ngizozama ukukhuluma ngelule ngawo onke amandla ami, ukuze niwathole amazwi, futhi lokho ngikwenzela namateyipu futhi. Ukuthi, kufanele nazi ukuthi leliBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu.

37 Manje, siyazi ukuthi siza ekwaHlulelweni, ukuthi iPhimbo likaNkulunkulu lizobambana nathi, ndawo ndawo, ngoba Lanikezwa wonke umuntu osazokufa ukuba ezwe. Abefundisi banesibopho sokuLithatha. Futhi uma leliPhimbo likaNkulunkulu lizobambana nawo wonke umuntu, khona-ke si . . . nifanele niLizwe, kumbe lapha noma eNkantolo yokwaHlulelwa.

38 Ngakho, uma ibandla linePhimbo likaNkulunkulu, khona-ke ufanele uzwe iphimbo lebandla, njengoba abantu bakithi bamaRoma Katolika besitshela. Futhi uma bona, phakathi kubo uqobo, bedideke kangaka nomehluko emfundisweni yabo, iRoma, iGreki, nezinhlobo ezehlukene, khona-ke kungebebikho-ndawo yokuba nokukholwa. Ngoba, yilona liphi eliyiBandla na? Ngabe ibandla lamaRoma yilona eliqinisile, noma ibandla lamaGreki yilona eliqinisile, noma elinye lamanye amabandla yilo eliqinisile na? Ngabe amaLuthela yiwona aqinisile, amaBaptisti aqinisile, amaMethodisti aqinisile, amaPresbyterian aqinisile na? Noma, ubani oqinisile, kube kukhona umehluko omkhulu kangaka kuyo na? Elinye likude njengeMpumalanga kwiNtshonalanga, kwelinye nelinye.

39 Kodwa, ngowami umbono, iPhimbo likaNkulunkulu lingumaHluleli. Ngakho, iPhimbo likaNkulunkulu, futhi uma Liphelele kangako, Lifanele livele kwelinye ikhono eliphelele.

40 Futhi uma abantu bekuletha ngalendlela nangenye indlela, ngomehluko wabo wamahlelo, ngakho-ke kukhona—ayikho indlela yokubeka ukukholwa ngempela kulokho abakushoyo. Ngiyethemba lokho kucacile. Niyabo? Ngoba, futhi uma omunye ethi kunga*lendlela*, omunye athi, "Ufanele ujoyine *leli*bandla. *Leli*bandla, kuphela, linensindiso." Lokho ngukuhumusha kweKatokika. ILuthela liyafika bese bethi yibona abayindlela. Nakhu kufika iMethodisti nenye into, iBaptisti nenye into, iPentekoste nenye into. Futhi kubonakala kukhona ukuqoqwa okunjalo kokudideka.

41 Manje-ke, uma uthatha leliZwi elilotshiwe liye kubazalwane bethu, abaningi babo uthi, "Awu, lezozinsuku alusekho manje." Omunye uthi, "Ngumlando nje." Omunye uthi, "Yincwadi yezinkondlo." Omunye uthi, "Ibandla linelungelo lokukuguqula." Manje-ke simi kuphi na? Iphi lapho indawo yokuphumula kokukholwa na?

42 Kanti, uNkulunkulu, engoPhakade . . . Ngiyakholwa, uma sizokwehlulelwa, futhi sehlulelwa njalo, ukuthi uma sizokwehlulelwa nganoma yini, kuyoba ngeZwi likaNkulunkulu elinikeza umyalo. Manje-ke, uma sizokwehlulelwa ngaleloZwi, manje-ke uNkulunkulu ubezoba nguNkulunkulu ongenabulungiswa, ukuba abeke ukudideka okunje emhlabeni.

43 Nomqondo womuntu bandla uxakeke kakhulu, awazi ukuthi uzokwenzenjani. Noyedwa uyojoyina *leli*, bese ejoyina *leliya*. Umfo-ndini ezama ukucabanga ukuthi uzama ukuthola indawo eyiyona yona, uyolalela *leli*hlelo, uyobe-ke eselalela elinye ihlelo. Na*leli* libonakala lingcono kuna*leliya*; uyohamba. Futhi, into yokuqala, usebuyele kwelokuqala futhi. Nje akazi ukuthi uzokwenzenjani.

44 Kodwa uma uNkulunkulu ezokwehlulela izwe ngento ethize, kuzoba ngeZwi laKhe. Ngiyakukholwa lokho.

45 Futhi, manje, bazalwane bami. Manje, uma ngisho lokho, angiqondile lona leliqembu elincane kuphela lapha kulokhu ukusa, kodwa ngiqonde lapho lamateyipu eyothunyelwa khona emhlabeni jikelele. Ngi—ngifisa sengathi beningangibekezelela isikhashana, futhi nicabange ngalokho, ukuthi kuzoba khona indawo ethize efikayo yokwaHlulelwa.

46 Bese-ke abanye babo uthi, "Ihumusho iKing James, noma elinye ihumusho elithize. Futhi manje benza i—ihumusho iStandard, noma elithize."

47 Ngiyakholwa, uma uNkulunkulu enguNkulunkulu ozibusayo, njengoba Enjalo, OPhakade, Uzokubona. KukuYe. Uma ngifuna ukuya eZulwini, endaweni yaKhe, kukuYe ukunginika indawo lapho engayokwazi khona ukuthi kufanele ngenzeni, ndawo ndawo lapho ongabeka khona isandla sakho bese uthi, "Yi*Lokho*." Niyavumelana nalokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kuzofanele . . . KukuYe.

48 Ubezoba ngongalungile . . . Uma ngithe, "Nkosi, ngangingumLuthela," nomunye wathi, "Awu, nga—ngangiyiKatolika." Awu, nakho okwenu okubili, kubhikishelana. Manje, uzokwenzenjani umuntu-ndini na? Awu, uma-ke ibandla eliKatolika liqinisile na? Onke-ke amaLuthela alahlekile. Ngani, uma amaLuthela eqinisile, onke amaKatolika alahlekile.

49 Niyabo, ufanele ube nokuthize ndawo ndawo lapho ukukholwa kungathatha khona indawo yakho yokuphumula. Futhi kimina . . . Angazi ukuthi nizwa kanjani ngakho. Kodwa, kimina, iBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu elingenakuphosisa. Futhi ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uliqaphelile iZwi laKhe, ukuthi akukho noyedwa ukhefana ophumile endaweni.

50 Indodakazi yami emuva lapho, uRebekah, ubethi, "Baba, esikoleni sikufakazisile ukuthi . . . ukuthi kukhona izigidi ngezigidi zeminyaka lomhlaba omdala ngazo. Manje-ke lokho akuphambene neBhayibheli na?"

"Qhabo, mnumzane," ngasho. "Akuphambene."

51 "Awu," ngathi, "uma uku—ukutadisha okwehlukene kwamadwala nokubumbeka, namatshe alengayo emgedeni enziwa wukuconsa kwamanzi namatshe ami phansi emgedeni akhiwe wukuconsa kwamanzi aphethe umcako nokunjalo, kukufakazela lokho, ukuconsa, kwezigidi zeminyaka, noNkulunkulu wathi Wenza amazulu nomhlaba ngamahora angamashumi amabili-nane awodwa, ngabe lokho akuphendukezeli yini ubufakazi, akubuphikisi yini ubufakazi beBhayibheli na?"

Ngathi, "Qhabo."

52 Uma nizoqaphela, uNkulunkulu etshela uMose ngeBhayibheli, Wathi, "Ekuqaleni uNkulunkulu wadala

amazulu nomhlaba." Inkathi! Ukuthi kwathatha isikhathi esingakanani, lokho akumsebenzi wethu. Bese Eqhubekela phambili futhi aqale ukufaka isikhathi saKhe sokufaka imbewu emhlabathini. Kodwa, "Ekuqaleni," kungahle ukuba kwakukade kungamakhulu ezigidigidi zezigidigidikazi zeminyaka, iminyaka yesikhathi esingenakubalwa, kodwa, "UNkulunkulu wadala amazulu nomhlaba." Inkathi! Lokho kuxazulula lokho. Leso yisinyathelo sokuqala. Niyabo? Akenzimaphutha.

53 UPawulu, umshumayeli omkhulu, wathi, watshela uThimothewu ukuthi, "Khuthalela, ukuba uziveze wethembekile, ulabe kahle iZwi likaNkulunkulu." Likhuthalele, ngenhliziyo evulekileyo. Futhi yilokho engizama ukukwenza.

54 Manje, ngokukholwa kwami eZwini elinjalo, khona-ke ngeke ngathatha esinye isichasiselo somuntu ngokwakhe, ngokuba iBhayiibheli liyakubeka ukuthi iBhayibheli alichasiselwa ngumuntu ngokwakhe. Manje uMoya uvele nje wakwembula lokho. Bengiwazi umBhalo, kodwa njengamanje angazi nje ngempela ukuthi ukuphi emBhalweni. Kodwa, nina eniwubhala phansi, nizowuthola. Ngicabanga ukuthi ukuPetru, ukuthi, "IBhayibheli alichasiselwa ngumuntu ngokwakhe." Ngakho-ke, uma umbhali ophefumulelwe asho, futhi uma Lelo liyiphutha, manje-ke ziningi kangakanani ezinye izingxenye zaLo eyiphutha na? Kuphakathi kokuthi Liqinisile lonke noma liyiphutha lonke. Ungeke uLenze lingabi yilutho olunye.

55 Ngakho, wena, "Awu, mayelana nebandla," wena uthi, "awu, manje-ke, ibandla!" Qhabo. Uma uya ebandleni, manje-ke yilona liphi ibandla eliqinisile na? Yilona liphi ibandla eliqinisile na? Niyabo?

56 Ufanele ubuyele futhi entweni ethize ukukholwa okuzophumula kuyo. Futhi, kokwami, kuseZwini likaNkulunkulu, ngikholwa ukuthi leliBhayibheli liwuhlelo lukaNkulunkulu lwabantu. Beluyilo njalo!

57 UJesu wathi, "ImiBhalo ifanele igcwaliseke," lokho kungukuthi, ukuthi, "konke lokho okulotshwe emiBhalweni." Manje kukhumbuleni lokhu, ngoba nithola iteyipu manje. Ekupheleni kwalamateyipu, nizothola ukuthi ngibuyela kulokho futhi, ukuthi konke lokho okusemiBhalweni kufanele kugcwaliseke. Manje ake ngikuyeke lokho kuzike umzuzu nje, klasi. Niyabo? Konke lokho okusemiBhalweni kuzofanele kugcwaliseke. Manje-ke, uma uNkulunkulu esho noma yini, nakho lapho okhona, kuzofanele kugcwaliseke.

58 Noma, uma kungenjalo, lelo akusilo iZwi likaNkulunkulu. Manje-ke, uma kunjalo, lelo akusilo iZwi likaNkulunkulu, manje-ke sikuphi na? Asithole into ebukeka njengoNkulunkulu, kumbe noma yini esifuna ukuyenza; njengoba iBhayibheli lathi, "Sidle, siphuze sijabule, ngokuba kusasa siyafa." Niyabo? Manje,

uma lelo kungesilo iZwi likaNkulunkulu, khona-ke sonke silahlekile.

59 Futhi uma kuyiZwi likaNkulunkulu, uNkulunkulu ngokoqobo ubophezeleke ngokutuswa. UNkulunkulu, Ongowomthombo wakho konke ukutuswa, Ongukuqala kwakho konke ukutuswa, Ongumthombo wakho konke ukutuswa, Ongumthombo walo lonke iQiniso, uzofanele ame ngalokho Akushilo.

60 Futhi uma Leli kungesilo iZwi likaNkulunkulu, manje-ke ubani uNkulunkulu, uphi uNkulunkulu, noma ngabe ukhona uNkulunkulu na?

61 "O," wena uthi, "Mfowethu Branham, ngiyakuzwa." O, u—umhedeni angakutshela into efanayo, ngesithixo sakhe. Ukuhamba kwenza into ethize kuwe, uma uzibonela ngokwakho. "Ngakho ngi—ngikholwa ukuthi bengingabuka ngikubone *lokhu*." Yebo. "Ngikholwa ukuthi uma . . . Ngi—ngiyakholwa ngoba nga—ngaguqulwa *kanje*. Ngoba . . . " Ngiyakwenza lokho, nami. Kodwa, khumbulani, abahedeni benza into efanayo.

62 Ngani, ukuziphatha kahle kwaseAfrika bekungenza iqhwa . . . Abanye balezozizwe bebengenza amaMelika lapha, azibiza ngamaKristu, azizwe enamahloni ngawo, ukuziphatha kahle ngenhlanzeko phakathi kwabantu abakhonza izithixo zabahedeni. Ngakho, "Mhlawumbe lowo nguNkulunkulu"? Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na?

63 Ni—niyabo, uma into uyibuka ebusweni, kukhona enkulukazi indingilizi lapha ofanele uyimboze, ngakho ufanele ubenendawo ethize ofanele ubuyele kuyo futhi ubeke isandla sakho.

64 Manje asithathe okushiwo ngamaLuthela; ayehluleka. Asithathe okushiwo ngamaKatolika; ayehluleka. Asithathe okushiwo ngamaBaptisti, amaPentecostal; ayehluleka. Ngakho ungeke ubeke ithemba lakho kuwo.

65 Kodwa akukho neyodwa into elotshwe kuleliBhayibheli kuphela yilokho uNkulunkulu akufakazisile, ngomuntu othize, ukuthi kuyiQiniso. Niyabo? YiQiniso. Bengihlala njalo ngisho, mhlawumbe ukukholwa kwami ngeke kwakhwela lapho uEnoke akhwela khona, kodwa ngempela bengingeme endleleni kanoma ubani obengakhwela lapho, ukukholwa okukhulu.

66 Manje, ngithola konke lokhu kube yisendlalelo, ukuthi, izizathu zokuthi kungani ngikholwa yiBhayibheli. Futhi yilapho engithatha khona indikimba yami.

67 Manje, into elandelayo engifuna ukuyisho, ukuthi, angikholwa ukuthi iBhayibheli Liyaziphikisa. Ngiphose inselelo, umhlaba jikelele, kunoma yibaphi abantu, abasho into enjalo, ukuba beze bazokufakazisa kimi. Niyabo? Beze,

bakufakazise. IBhayibheli aLiziphikisi. Nguwe ophikisa iBhayibheli. UNkulunkulu Angeziphikise. Uma Ekwenza, Akasuye-ke uNkulunkulu. Futhi uma leliZwi linguNkulunkulu, khona-ke, futhi Liphikisana, khona-ke wenza uNkulunkulu Eziphikisa. Manje-ke uphi uNkulunkulu wakho-ke na? Kuthi ukujiya, akunjalo na, kuxakile? Uma uNkulunkulu Eziphikisa, Akangaphezu kwalokho engiyikho, kumbe akangaphezulu kwalokho eniyikho, ngoba Angaziphikisa Yena. IZwi likhona, kodwa Lifihlakele emehlweni abahlakaniphile nabanokuqonda.

68 Yingakho omunye esho, ukuthi, "UMathewu 28:19, lapho, 'Hambani nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele.' IZenzo 2:38 zathi, 'Phendukani nibhaphathizwe, iGama likaJesu.' Ngukuphikisana."

69 Akusikho ukuphikisana. Wonke umuntu owake wabhaphathizwa, ufanele abhaphathizwe eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Futhi uma ungabhaphathiziwe, usebenzisa iGama lika "Jesu Kristu," awubhaphathiziwe eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Ubhaphathizelwe kwezinye iziqu esimayelana neGama. Uma lokho kuyi. . .kungesiso isambulo esiqinisileyo, khona-ke iBhayibheli belizoba ngelinephutha ngenkathi Liqhubeka futhi wonke umuntu ebhaphathizwa eGameni lika "Jesu Kristu." Kodwa uma iBhayibheli, labhaphathiza, bonke abaphostoli, kusukela phansi onyakeni, babhaphathize eGameni lika "Jesu Kristu," emva kokuba uJesu ebayale ukuba bababhaphathize egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele," khona-ke iBhayibheli Liziphisa ngokoqobo. Kodwa uma niLibuka, Alinjalo. Benza khona nje Akushoyo. Akusizo iziqu; kodwa iGama! Ngakho, akukho kuphikisana.

70 Kungaki okunye ebengingakudonsa lapha, enginakho kulotshwe ngisho naphansi, lapho abantu abasho khona ukuthi Aphikisana Lona. Ngibuzile, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, cishe impela amashumi amathathu manje, ukuba umuntu angikhombise. Akukho lapho. Qhabo, mnumzane.

71 Lilapho, iQiniso, lonke iQiniso, futhi akukho okunye kuphela yiQiniso. Nokukholwa kwethu kuphumule khona lapho, khona lapho kulokho uNkulunkulu akushoyo. Unga—ungazami ukuLihumusha. Kusho nje ngendlela Elikusho ngayo. Ungafaki noma yisiphi isichasiso somuntu ngokwakhe. Futhi ngikholwa ukuthi akukho okunye.

72 Manje, ngiyethemba, ukuthi uma lokhu kulimaza, ukuthi akuqonde khona. Ngizama ukusho ukuthi kungani ngikholwa ngengikukholwayo, nendlela engenze ngenza ngayo, ngezinto engizenzile. Ngizama ukuzikhombisa mina uqobo ezweni, ukuthi ngenze lokhu ngoba lokhu ngengikholelwa kukho.

73 Ngikholwa ukuthi noma yiliphi izwi elenezelwe kuleliBhayibheli, nanoma ubani onecala lokukwenza, isabelo sakhe siyosuswa eNcwadini yokuPhila. ISambulo 21. "Oyonezela kuLokhu, noma aphungule kuLokhu." Angikholwa ukuthi noma yisiphi isivumokholo, noma yimuphi umbhedesho, noma yini enye, kodwa nje iZwi likaNkulunkulu uqobo, liyicebo likaNkulunkulu. Noma yini enye iyisono, futhi kuyobhekwana nayo, futhi iyolahleka Phakade; noma yimuphi umuntu, noma yisiphi isivumokholo, noma yiliphi ihlelo, kumbe noma yini eyonezela kulo noma isuse kukhefana owodwa waleliZwi.

74 UNkulunkulu, Ongesuye unkulunkulu wayizolo, owabhala incwadi futhi wayinikeza isigejane sezandla zomuntu, futhi—futhi wayidedela ukuba ididanisane nakho konke okunye, bese ezokwehlulela izwe ngaleyoncwadi.

75 Kodwa uNkulunkulu owaLilobayo, uyaphila, uphila kuLo, futhi uyaliqinisa iZwi laKhe. Manje, ekutadisheni amateyipu, ngifuna nikufundisise lokho ngokusondela impela khona lapho, lokho kuphawula. Niyabo?

Manje, ngiqala kuGenesisi.

76 Sengingale eZambulweni manje, ngihlanganisa lokhu ndawonye, ukuthi leli yiZwi likaNkulunkulu. ISambulo siyasho, ukuthi, "Oyosusa kuLo noma enezele kuLo, yena lowo kuyosuswa, isabelo sakhe, sikhishwe eNcwadini yokuPhila." Ngiya emBhalweni, ngiwucaphune, emva kwesikhashana. IZambulo, isahluko sokugcina.

Leso yisahluko 1, siyakhombisa manje. Ini na?

77 Yini iZwi na? Manje, LiPhakade. Akufanele kugangelwe kulo, kwenezelwe kulo, noma kususwe kulo. Niyabo? Akufanele kugangelwe kulo. UNkulunkulu uyakugada lokho. Alifanele lenezelwe, noma yini kuLo. Akukho okungasuswa kuLo, ngoba LiPhakade. Niyabo?

78 Manje, manje ukwesekela phezu kwalokhu, ukunikhombisa ukuthi engizama ukukusho kuphakathi kwalezi, uGenesisi kuya eZambulweni, ngeke Lixubane nalutho olunye. Manje, nakhu lapho esizokwehluka khona, kusukela lapha kuze kube ngelesihlanu kulentambama. Niyabo? Nakhu lapho esizokwehluka khona. Bangaki abazovuma ukuthi *Lena* yiNcwadi yokwaHlulela kaNkulunkulu, ukuthi sizokwahlulelwa ngokweZwi likaNkulunkulu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] "Ayiyikwenezelwa, noma kususwe kuyo." Pho kwenziweleni lokhu na? Manje singena kukho. Kwenziweleni lokhu ngendlela eluhlaza kanje na? Manje sizokuthola, phakathi kukaGenesisi neSambulo, kwehlele esikhathini sethu ngqo, phansi kwezinye izikhathi.

79 Manje, ake ngikucacise kahle ngempela lokho, ngenzele amateyipu. Manje, emva kokuba senginitshelile ukuthi yingani ngikholwa yiZwi, nokuthi uNkulunkulu wathini ngaLo, nokuthi

Alifanele kanjani ukuba kususwe kulo noma lenezelwe, kususwe kulo, ngifuna ukungena engxenyeni ejiyile yakho, engqikithini yenkulumo yalendikimba ende engiyidwebile, futhi nginichazele, futhi nginikhombise ukuthi kwenzekani. Khona-ke ningasibona isizathu sokukholwa yilokho engikholwa yikho. Niyabo? Manje, ngeke Laxutshaniswa, futhi Aliyikubhatselana nalutho olunye. Aliyikubhatsela.

80 Namhlanje wusuku olukhulu lokubhastela izilwane, uhlamvu, ukolo, kwenziwa kube umkhiqizo obukeka kangcono, kodwa awulungile. Ubolile. Akukho-kuphila kuwo. Uyafa; awukwazi ukuphinda uziveze. Ufile.

81 Ngoba, konke esinakho emhlabeni namhlanje, esimweni sakho sasekuqaleni, kuyiZwi elikhulunyiwe likaNkulunkulu.

82 Yingakho ukuthi umnyuzi, isilwane esizalwe ngokubhastela ngokuxutshaniswa kohlobo olungafani, ungeke wabuye uzizale futhi. UNkulunkulu wenza ihhashi, futhi Wenza umnyuzi . . . noma wenza ibhongolo. Kuzalanise kokubili ndawonye, usuthole umnyuzi. Ubhasteliwe, ngakho ungeke waphinda uzizale.

83 Sizoshaya enzalweni yenyoka, emva kwesikhashana, manje. Ungeke uphinde uzizale.

84 Manje bhekisisani indikimba yami: *IZwi EliKhulunyiwe LiyiMbewu YasekuQaleni*. Manje ngifuna ukukufakazisa lokho.

85 Asiphenye manje ngale kuMathewu 24:35, umzuzwana nje. Futhi—futhi njengoba sihlolisisa lemiBhalo, okwesikhashana, futhi ngizobona ukuthi yisikhathi esingakanani esinaso. Futhi ngifuna ukufunda lapha iZwi uJesu alishoyo. UMathewu 24, nevesi 35. Isahluko 24, ivesi 35, ukukhombisa ukuthi leliZwi liPhakade kanjani, ebesikhuluma ngalo. "Ngiqinisile . . . " 34.

> *Ngiqinisile ngithi kini, Lesisizukulwane asiyikudlula, kungakenzeki konke lokhu.*
>
> *Kuyakudlula* amazulu *nomhlaba, kepha amazwi ami awasoze adlula.*

86 Manje, ubungaxubanisa noma yini nalokho-ke? Manje, eNcwadini yeZambulo, isahluko 22 nevesi 19, ngithanda ukufunda lokhu. IZambulo, isahluko 22 nevesi 19, futhi sibone ukuthi leli lithini. Asiqale ngevesi 18. "Ngiyafakaza mina kubo bonke . . . " Manje khumbulani, kusukela kuGenesisi, lapho Akhuluma khona iZwi. Niyabo?

> *Ngiyafakaza mina kubo bonke* (lowo ngumpristi, uphapha, umbhishobhi, igosa lombuso, kumbe noma ngubani) *abezwayo amazwi esiprofetho salencwadi, uma ekhona owenezela kulokhu, uNkulunkulu uyakwenezela kuye izinhlupho ezilotshiwe kulencwadi*:

87 Uthini ngemibhedesho yakho na? Uthini ngezivumokholo zakho ezingekho embhalweni ozilalelayo na? Zawo onke amahlelo, akukho nokukodwa ukuxolelwa.

> . . . *uma ekhona osusa utho kuwo amazwi* (ethi alifani, niyazi, niyabo) . . . indlela, *amazwi encwadi yalesisiprofetho, uNkulunkulu uyakususa isabelo sakhe encwadini yokuphila, nasemzini ongcwele, nakulokhu okulotshiwe kulencwadi.*

88 Nakuba engumshumayeli, niyabo, nakuba eyilunga lebandla, impilo yakhe yonke, nakuba engumbhishobhi, noma uphapha; oyosusa iZwi elilodwa la*Leli*, iZwi elilodwa nje!

89 Niyaqonda ukuthi kwakuyiZwi elilodwa uEva alingabazayo, elabangela yonke inkathazo na? IZwi likaNkulunkulu elilodwa elikhulunyiwe, uEva wangabaza ukuthi liliQiniso, futhi kwabangela konke ukugula, zonke izifo, yonke ingane ezwa ubuhlungu. Kwabangela ukuba kwakhiwe zonke izibhedlela, konke ukuhlinzwa okwake kwenziwa, konke ukufa okwake kwafiwa, ngomuntu oyedwa ukukholwa ngelilodwa . . . ukungalikholwa iZwi elilodwa. Nakho lapho okhona. Wazama ukwenzani uEva na? UkuLibhastela, aLixube nenye into.

90 Ufanele uLithathe ngendlela uNkulunkulu aLikhuluma ngayo. Ngeke Laxubana nalutho. Qhabo, mnumzane. UJesu ngesinye isikhathi wathi, "Uma ninokukholwa okunjengembewu yesinaphi." Ngitshelwa ukuthi imbewu yesinaphi ngeke yabhasteleka. Ngeke wayixubanisa nalutho. Ungazixubanisa ezinye izinhlamvu, kodwa ungeke uyixubanise imbewu yesinaphi, niyabo, ngoba ngeke yabhasteleka. Futhi uma unalolohlobo lokukholwa!

91 Yilokho kodwa, ukuthatha iZwi likaNkulunkulu elilodwa, yilapho abavangeli abaningi bephelelwa khona amandla. Sizongena kukho kamuva. Ukuthi basho kanjani ukuthi, "O, sikholwa *yilokhu*." Futhi bayokuthatha lokho, futhi bayalikholwa leloZwi elilodwa, futhi bangakwenza kusebenze lokho. Kodwa kuthiwani ngaleli elinye eliseduze kwalo na?

92 "Ubusisiwe owenza zonke izilayezo zaKhe, imiyalo." Niyabo? "Uyoba nelungelo lokungena eMthini wokuPhila. Ngokuba ngaphandle kukhona abathakathi, izinja, nezifebe, nokunjalo."

93 Manje, ngineklasi elixubile, kodwa nginenqwaba yengqikithi yenkulumo lapha ebeka nje ngokusobala bha. Ngakho ngifuna nina bodadewethu ukuba niqonde, niyabo, qinisekani ukuthi niqonde.

94 Manje, yingakho siLikholwa. Futhi LiyiZwi likaNkulunkulu. Ngakho-ke, iZwi likaNkulunkulu elikhulunyiwe lingelasekuqaleni. Nayo yonke into uNkulunkulu ayidala, wakhuluma yaba-khona, ingeyasekuqaleni.

Futhi ningakubhastela okunye kokudaliweyo kwaKhe, ngokuvela kamuva.

95 Yingalesosizathu uEva wakwazi ukwenza lokho akwenzayo, ngembewu yakhe uqobo, ngoba wayengekho kokudaliweyo kwasekuqaleni. Ungumkhiqizo ovele kamuva wendoda, akekho kokudaliweyo kukaNkulunkulu. UNkulunkulu wadala yonke into, wase-ke Ethatha ingxenye yokudaliweyo kwaKhe wase enza umsizi.

96 Yingalesosizathu ungayibhastelisa imbongolo nehhashi, kodwa ngeke kuhlale isikhathi eside. Ngukufa.

97 Kodwa okwasekuqaleni kunokuphila. Kuyabuya futhi. Ngiyethemba seniyakubona manje. Okwakusekuqaleni kunokuphila.

98 Ngakho yilesosizathu ngicabanga ukuthi lezozinkolo-ze, namahlelo, nezinhlangano, zifa. Umlando uyafakazisa ukuthi zona, zonke, zifile. Aziphindange zivuke; azisoze. Azikwazi ukubuye zizizale; akukho ezingazizala ngakho. Ziyizinyumba. Yingakho abantwana baka Eva efa.

99 Ngithatha isikhathi sami, ukuze kuthi, amateyipu, anikeze abantu isikhathi sokufundisisa. Angifuni ukujaha. Ngifuna nje ukuthatha isikhathi sami. Angazi ukuthi kuzokwenzekani kusukela lapha kuqhubeke, kodwa ngi—ngifuna lokhu kuye kubantu. Ukuthi, ngisho nakuba ngolunye usuku uNkulunkulu engithatha ezweni, uma ngingaphili ukuba ngibone ukuFika kwaKhe, uMlayezo uyobe usaqhubeka uphila. Qiniso. Hlalani neZwi.

100 Manje khumbulani, lonke iZwi likaNkulunkulu elikhulunyiwe liyimbewu yasekuqaleni. UNkulunkulu watshala yonke into emhlabeni, ngeZwi laKhe. Futhi inqobo nje uma uhlala nembewu yasekuqaleni, iyozizala ibuyele emuva ngqo futhi—futhi iphinde izizale futhi.

101 Ibhastelise, iyafa. NoEva, owesifazane, waba yinto yokuqala eyabhastelayo kweyake yabakhona. Manje, ngiyethemba aniwavali amateyipu size sifike phansi futhi sikufakazise lokho emva kwesikhashana, niyabo, nginikhombise nje ukuthi kungani. Wayengumbhasteli, umlobokazi. Qaphelani, ngalokho waletha ukufa, ngokuzama ukuthatha iZwi likaNkulunkulu futhi waxuba okunye ukuhlakanipha kanye naLo. Niyabo? Awufanele wenze lokho.

102 Futhi noma ngabe ukholwa ukuthi Li . . . unokuhlakanipha kokuLichaza. Thana nje, "UNkulunkulu wakusho, futhi lokho kuqeda konke. Futhi uNkulunkulu washo njalo, futhi yilokho kuphela okukulo." Uma ungenakuLichaza, Liyeke kanjalo. Kodwa vele uthi nje, "Linjalo, ngoba uNkulunkulu washo njalo." Niyabo? Yilokho-ke. UNkulunkulu waLisho.

103 Manje qaphelani. Manje, ngeke Lixubane. Akufanele kugangelwe kulo. UNkulunkulu uyomjezisa okwenzayo. Futhi Aliyikubhasteliswa nalutho olunye. YiZwi likaNkulunkulu, lodwa. UNkulunkulu akadingi-zwi lakho libe nelaKhe.

Asifanele ukukhuluma izwi okungelethu. Sifanele ukushumayela iZwi laKhe, iZwi likaNkulunkulu.

104 Manje, ngakho-ke, ukuphila kweqiniso kungafika kuphela noma kuziveze futhi ngokuzala kwakho kwasekuqaleni. Niyabo, ukuphila! Manje ke- . . . Manje kufundisiseni lokho, manje, uma nifundisisa amateyipu. Futhi kufundisiseni manje. Ukuphila, u-k-u-p-h-i-l-a, kungaphinda kuziveze kuphela ngokuzalwa kwakho kwasekuqaleni, indlela okwaqala ngayo ekuqaleni, bese kuyaziveza futhi. Niyabo? Akukwenzi, kuyibhastela, kuyaphela. Abanye babo baphela, isizukulwane sokuqala. Niyabo? Sekuphelile-ke ngayo leyonkathi. Bazokuthola masinya sekuzibuyela. Ngeke kwaletha ukuphila okufaneleyo, ngoba kubhasteliwe.

105 UGenesisi 1:11, iBhayibheli lathi. Jes- . . . UNkulunkulu wathi, "Yonke imbewu mayiveze inhlobo yayo." Manje, ngenkathi uNkulunkulu esho lokho, lokho kuxazulula konke. Kuxazululwa njalo. "Yonke imbewu mayiveze inhlobo yayo." Ukuyixubanisa, kuletha ukudla okusanhlamvu okukhulukazi. Kungokusanhlamvu okukhulukazi kwani na?

106 Lalelani manje. Ake sigudle ugu. Ukuyixubanisa . . . Ngizama ukubamba. Lawo ingqikithi enjalo, bengingashumayela ngayo. Kodwa ngizama ukukugwema ukukwenza lokho.

107 Ukuyixubanisa, kuyoveza ukudla okusanhlamvu okukhulukazi, njengoba kufakazisiwe. Kodwa nhloboni yokudla okusanhlamvu na? Ukudla okusanhlamvu kwamanga, ukufa. Bhastelisa uhlamvu lwakho, luveza ukudla okusanhlamvu okukhulu, okusanhlamvu okungcono, okubukeka kungcono, kodwa kufile. Phinda ukutshale; ngeke kwabuye kuziveze futhi. Sekuphele nya. Sekuphelile.

108 NjengoEva, niyabo, waveza ukudla okusanhlamvu okubhasteliwe. Bukani thina namhlanje, futhi ningaqalaza futhi nibone ukuthi lokho kuqinisile. Ehhe. Niyabo? Kwenza impela. Kwakungesiyo inhloso kaNkulunkulu. Qhabo, mnumzane. Kufanele ngikugodle nje, ngento ethize engiyicabangayo njengamanje. Niyabo?

109 Ukuyixubanisa, kuveza okusanhlamvu okubhasteliwe. Nokusanhlamvu okubhasteliswe kungukudla okusanhlamvu okufile, mayelana nokuphinda kuzale. Ngeke kwaphinda kuzizale. Kungeke, ngoba uNkulunkulu washo njalo. Kuzofanele kuveze inhlobo yakho, futhi nina niyixubile. Manje ningalibona ibandla khona lapho, lapho esizophethela khona. Kwafela lapho, ngoba ngeke kwayiveza inhlobo yakho. Ngani na? Kuxutshanisiwe. Akukho ongakwenza ngakho. Kufile. Kuphelile. Kulungile.

110 Yingakho isizukulwane ngasinye sinemvuselelo yaso uqobo, ithuba eZwini, ngakho uNkulunkulu ozibusayo

ekwaHluleleni . . . Iqembu likaJohn Wesley liyovuka, namaMethodisti awashwe ngesitashi anamhlanje ayophendula ngakho. ULuther uyovuka. AmaKatolika ayovuka (emuva ngemuva, uIrenaeus, uMartin, uPolycarp nalabo) futhi bayodingeka ukuthi bame ekwaHlulelweni, ngokubhastelisa iZwi likaNkulunkulu emibhedeshweni. Leliqembu labantu lamaLuthela alandela imvuselelo kaLuther bayophendula into efanayo. Iqembu elakhishwayo leBaptisti elalandela imvuselelo kaJohn Smith liyokwenza into efanayo. Elika-Alexander Campbell liyokwenza into efanayo.

111 NamaPentecostal ayokwenza into efanayo. Leyomvuselelo yasekuqaleni, ngenkathi kwehla uMoya oNgcwele, babizela abantu ngaphandle, noNkulunkulu ezama ukufinyelelisa iZwi laKhe kuyo. Futhi bayihlela, bahlala ngapha, futhi bahlela, futhi bafela khona lapho.

112 Wena uthi, "Kodwa buka ukuthi benzani." Sizofika kulokho, kamuvanyana, namhlanje. Niyabo? Sehlela ngqo kuyo yonke i . . . Ngifaka iMbewu nje manje. Sizobe-ke sesinikhombisa, emva kwesikhashana, ukuthi kwenzekani. Ehhe.

113 Manje, yingakho imvuselelo ngayinye inokuvuseleleka kwayo . . . Isizukulwane ngasinye sinemvuselelo yaso. UNkulunkulu Uzivusela umuntu, amhlalise neZwi laKhe, bese emqalisa ngokuthi aphumele umlayezo walowonyaka. Futhi uthi nje lowomuntu angathathwa enkundleni, omunye umuntu awubambe futhi awubhastele. Konke kuwela kubuyele kokuphelele, yonke into, kungahle . . .

Ngingake ngime lapha umzuzu. Asijahile. Niyabo?

114 Sibuyele emuva. Yilokho impela okwakuqalayo, le ekuqaleni, kuGenesisi. UNkulunkulu wabeka obala ukudla kwaKhe okusanhlamvu kwesintu, noEva wakubhastela. Niyabo ukuthi kwenzekani na? Ngakho kukhona ukwahlulelwa kukaEva.

115 ULuther wabeka obala. Bonke abanye! UKristu wabeka obala. Abaphostoli babeka obala. Abaprofethi babeka obala. Akashongo yini uJesu ukuthi, "Yimuphi kini, oyihlo abangabahluphanga abaprofethi uNkulunkulu abathumayo na?" Akafundisanga yini ukuthi inkosi yake yathuma inceku yayo, yase-ke ithuma enye inceku, yase ithuma enye inceku, kanjalo kanjalo, kwase kuthi ekugcineni yathuma indodana yayo na? Niyabo?

116 Isizukulwane ngasinye semukela, ngoba kuyaphinda kubuyele ngqo ku E- . . . E- . . . uAdamu noEva, futhi ukudla okusanhlamvu kokuqala, insimu yase-Edene. Uhhafu wabo walahlwa; intombi ehlakaniphile, intombi elele. Uhhafu wabo, omunye wagcina iZwi, omunye walibhastela; kuya impela emuva naphambili, kugijima ngelikhulu ijubane, kanjalo impela.

Bekunjalo kusukela phansi onyakeni. Sizokufakazisa ngeZwi likaNkulunkulu nangomlando lapha. Kunjalo. Ukubhastela!

117 Ukubhastela kuqala kwaqala e-Edene, kwaqala kuGensisi. Kungukuqala, kulapho-ke. Futhi kuphelela ngapha eZambulweni, ekuFikeni kwesiBili kukaKristu.

118 Manje khumbulani, ngokuyikho. Yingakho isizukulwane ngasinye sinemvuselelo yaso uqobo, sithola ithuba eZwini. Bese beyalibhastela. Esikhundleni sokulithatha, baya kwenye indawo.

119 Umsebenzi wami engithunyelwe wona, ngiyakholwa, uNkulunkulu angibizele wona. Ngi—ngizodingeka ngisho ezinye izinto eziqondene nami namhlanje, ngoba yilokho enginitshele ukuthi ngizokwenza, niyabo, futhi ngitshele izwe. Umsebenzi wami engithunyelwe wona, ngiyakholwa, emhlabeni, ngu (ini?) ngukwandulela iZwi elizayo, niyabo, iZwi elizayo elinguKristu. Futhi uKristu, kuYe, unesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, futhi unayo yonke into khona lapha, ngoba UyiZwi. Niyabo? Kulungile.

120 UJesu wathi, kuJohane 3:5. Manje, uma nifuna ukukumaka phansi lokho, uJohane 3:5. Sonke siyakwazi, kumbe noma ngizomvula. Mhlawumbe omunye umuntu osemateyipini angahle nje angakwazi ukuvula ngalesosikhathi. Futhi ngizofunda lapha kuJohane oNgcwele, isahluko 3 nevesi 5. Futhi sizobona ukuthi uJesu wathini. Singahle sithi nje ukuqala ngaphambidlana kwalelo, elesi 3.

> *UJesu waphendula wathi kuye, Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kuwe, Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone umbuso kaNkulunkulu.*
>
> *UNikodemu wathi kuye, Umuntu angazalwa kanjani esemdala na? angangena ngokwesibili esiswini sikanina, azalwe na?*
>
> *Waphendula uJesu wathi, Ngiqinisile,. . . ngithi kuwe. . . kuwe, Uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, angengene eMbusweni kaNkulunkulu.*

121 Yimbewu leyo na? Lonke iZwi likaNkulunkulu elikhulunyiwe liyiMbewu. Kunjalo. Ngizokufakazisa lokho umzuzu nje, lapho uJesu asho njalo. Lonke iZwi likaNkulunkulu elikhulunyiwe liyiMbewu.

122 Manje-ke, "Uma umuntu engazalwa ngokusha." Kungani kufanele azalwe ngokusha na? Ufile, inyama akuyo. Uyibhastela. Ufanele azalwe ngokusha. Ngani na? Wazalelwa esonweni, kusukela esonweni sikaEva, wazalelwa ebubini; ufika ezweni, ekhuluma amanga. Ungumqambimanga, kwasekuqaleni. Akunandaba ukuthi uhlakaniphe kangakanani, ufundiswe kangakanani, nokunye ayikho, ungumqambimanga. IBhayibheli lithi unguye. Ukuthi babengcwele kangakanani abazali bakhe,

noma yini okunye ngakho; ungumqambimanga, kwasekuqaleni. Futhi indlela kuphela angakhuluma ngayo iQiniso, ngukusho ukuthi liyini iQiniso, ngezindebe zakhe uqobo. Yileyondlela kuphela iQiniso elingafika ngayo. Noma yini ephambene naleloZwi, ngumqambimanga, namanje. Lokho kubekwe ngembaba, kodwa yilokho okwashiwo nguNkulunkulu. Ehhe. "Onke amazwi omuntu awabe amanga, kepha awaMi abe yiqiniso." Niyabo? Noma yini evela ezindebeni zakhe, okuphambeneyo, ukuphika leliZwi, noma ukuLibeka kwesinye isizwe esithize noma kwesinye isizukulwane, kumbe noma ngabe kuyini, ungumqambimanga. Kunjalo impela. Ufanele azalwe ngokusha, bese-ke ebona lonke iZwi. Indlela kuphela angazalwa ngayo ngokusha, kuyilokho kuPhila kukaNkulunkulu kuye, ukuveza lokho kuPhila.

123 Imbewu ifanele ibe namanzi, ukuze imile. Manje, ufaka imbewu emhlabathini. Uma kungekho-mswakamo emhlabathini, wuthuli, futhi ngeke imile othulini. Ngeke. Izofanele ibe nephesenti elithize lomswakamo, kungenjalo ngeke imile. Kunjalo na? "Incwadi igama liyabulala. UMoya uyinika ukuPhila." Niyabo? Manje, ifanele ibe nomswakamo, ukuba imile.

124 IZwi laKhe liyiMbewu. Manje ukufakazisa lokho, asiphenye uLuka isahluko 8, ivesi 11, futhi sibone ukuthi lokhu kuyiqiniso yini noma qha, uma—uma iBhayibheli lithi iZwi laKhe liYimbewu. ULuka, isahluko 11 noma . . . Isahluko 8, njalo, nevesi 11, futhi sizobona ukuthi uNkulunkulu wathini ngayo; isahluko 8, ivesi 11. Manje Uyaqhubeka futhi uqala ukusho. Kunezinto eziningi kakhulu ezingashiwo ngayo. Asiqale kwele 4, sifunde nje.

> *Sekubuthene kuye isixuku esikhulu, sivela* lapho *emizini ngemizi, wakhuluma ngemifanekiso wathi:*
>
> *Kwaphuma umhlwanyeli ukuyohlwanyela imbewu yakhe . . . ukuyohlwanyela—hlwanyela imbewu yakhe: ekuhlwanyeleni kwakhe, enye yawela ngasendleleni; yanyathelwa, izinyoni zezulu zayidla zayiqeda.*
>
> *Enye yawela edwaleni; kuthe imila, yabuna, ngokuba ingenamswakamo.*

125 "Umswakamo." IBaptisti, amaPresbyterian, amaLuthela, engenawo aManzi. Futhi uma kuqala esephendukile, ubuka kuKristu ngqo; uyakholwa. Nento yokuqala niyazi, lelohlelo limbophela ngqi endaweni, nomswakamo kaMoya usudsukile kuye. Uba ngowehlelo, futhi usefile. Hhayi iBaptisti kuphela, kodwa iPentecoste. Ayikukholwa lokho, ngiyazi abaningi benu abakholelwa. Kodwa lindani nje kancanyana, sizobona lapho iBhayibheli likusho khona manje, noma qha. Kulungile. "Ngokungabi-namswakamo," izwi lokugcina evesini 6 lesahluko 8. "Ukungabi-namswakamo."

*Enye yawela phakathi kwameva; kwaze kwathi . . . esemila kanye nayo, ayiminyanisa.*

126 Niyabo? Kwakuyini leyo na? Uyaqhubeka uyasho ukuthi enye, yathi nje ingafika e . . . Angizukuncenga nakancane namhlanje, ngalutho. Niyabo? Lokho engicabanga ngakho nje ukuthi oSomaBhizinisi abangamaKristu, nabo bonke abanye, belezizinhlangano zamaPentecostal, nalababantu owakha lezizigidi ezinkulu zamadola ezinto, imicebo yezwe kuminyanise inkazimulo noMoya kaNkulunkulu. Iyafa, ngoba iminyene. Umhlaba, umnako wezwe, uziminyanisile.

127 Abesifazane ufuna ukukhuthala, nokuphungulwa kwezinwele zabo futhi begunde izinwele zibe yinkimbinkimbi, bagqoke izikhindi, futhi babukeke njengezwe lonke. Umshumayeli ame epulpiti, ne . . . bazejwayeze o "amen" abo, futhi besaba iZwi likaNkulunkulu, ngenxa yethikithi lokudla. Uma bengenakugibela imoto ephambili iCadilek, futhi ababe besathathwa ngisho ngokuthi bangabakamoya. Kunjalo. Uma bengenakugqoka izingubo ezinhle kunazo zonke, futhi benze konke okunye, bathathwa ngokuthi, "Bawile. Abasuye u *s'bani-bani*."

128 Indoda endala emuva laphaya, uMfowethu Kidd omdala, ungitshelile kulokhu ukusa, abasamfuni, ngokuba usemdala futhi uhlala neZwi ngqo. Yin'indaba na? Abanamswakamo. Kulungile. "Yawela e . . . "

Ezinye *yawela emhlabathini omuhle, kuthe imila, yathela . . .*

*. . . ekusho lokhu, wamemeza, Onendlebe* zokuzwa, *makezwe.*

129 O, umfanekiso onje pho! Bengingathanda kanjani ukushumayela endikimbeni ngalokho manje, intshumayelo. "Ekusho lokhu," isahluko 8, noma ivesi 8 nesahluko 8.

. . . ezinye *yawela emhlabathini omuhle, kuthe imila, yathela ngekhulu. Ekusho lokhu, wamemeza . . .*

130 Wamemeza kakhulu, into mhlawumbe enjangalokhu, lapho Ethi, "Iyothela ngekhulu":

. . . *One*zindlebe . . . *makezwe.*

131 Ehhe. Ngamany'amazwi, "Uma indlebe yakho iseshunini noNkulunkulu, makezwe." Niyabo?

*. . . abafundi bakhe bambuza, ukuthi, Ungaba-yini lomfanekiso na?*

*Wathi-ke, Niphiwe nina ukwazi izimfihlakalo zombuso . . .*

132 "Izimfihlakalo." Niyabo ukuthi Ukhuluma ngani lapha na? Manje qaphelani. Yini izimfihlakalo zoMbuso na? Bhekisisani umzuzu nje.

> *. . . izimfihlakalo zombuso kaNkulunkulu: kepha abanye bakuphiwa ngemifanekiso; ukuba bebona babone . . . bangaboni, bezwa bangaqondi.*

133 Niyabo? Kodwa iZwi likaNkulunkulu liza lehlele ngqo ekwaHluleleni, ukubehlulela, ngoba baLibona. Lalilapho.

> *Umfanekiso yilokhu-ke: Imbewu iyizwi likaNkulunkulu.*

134 Yini iMbewu yokuPhila na? IZwi likaNkulunkulu. Ngakho-ke, ngokokuPhila, ungeke weza ngesivumokholo. Ungeke weza ngehlelo. Ufanele ubuyele eZwini, manje, iMbewu yokuPhila. Kulungile.

135 IZwi laKhe liyiMbewu yaKhe, noMoya waKhe ungaManzi. Manje sibuyela ngqo kuJohane 3:14, lapho uyakuthola futhi, niyabo. Niyabo? UMoya uphakamisa . . . ngaManzi. Manje, bukani, uJohane 3:14. Siyaqonda ukuthi kuchaza ukuthini. Nifuna ukukufunda.

> *Njengokuba uMose waphakamisa inyoka yethusi ehlane, kanjalo iNdodana yomuntu imelwe ukuphakanyiswa:*

136 Niyabo? Manje, uma uMose aphakamisa inyoka yethusi, ngesizathu esifanayo uKristu aphakamiselwa sona. Manje kuyini na? UMose waphakamisa inyoka yethusi ukuze abantu owayebhubha bakwazi ukuba namanzi okuphila. Bukani, uJesu . . . O Nkulunkulu! UJesu uyiZwi likaNkulunkulu.

Manje sizokubethela phansi ngesando lokho, kulentambama, niyabo, sikufakazise lokho.

137 UJesu uyiZwi likaNkulunkulu. Futhi Wasakazwa wavuleka, lokho kuPhila. UkuPhila kungaphakathi eMbewini. Lokho, lokhu ukuPhila, okunguMoya, Amanzi egeleza ngaphezulu; uMoya phezu kweMbewu kaNkulunkulu, uyoveza ukuPhila kweMbewu. Futhi uma kuveza enye into, kukhona olunye uhlobo oluthize lwembewu lapho ngaleyonkathi. Amen. Niyaqonda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uma uMoya kaNkulunkulu ufika ukuba unisele iMbewu, uma kuyiMbewu oyiniselayo, iyoveza ukuPhila kweMbewu. Kucacile lokho na? ["Amen."] Iveza ukuPhila kweMbewu, ngokuba yilokho Enikelwe khona.

138 Ngikholwa ukuthi iBhayibheli liyi—liyiZwi, lonke iQiniso. NoJesu uyiZwi elibonakalisiweyo. Yena neZwi laKhe yinto Eyodwa efanayo. Wayeyini na? Manje bukani. WayeyileyoMbewu.

139 Kufanele kubekhona engikugodlayo, ngokohlelo, ngikufake lapha ngalokhu ukuhlwa, niyabo. Kulukhuni.

140 WayeyileyoMbewu uEva okwakufanele ayiveze. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] WayeyiMbewu uEva aye . . . vezayo. Kodwa waYibhastela, ngokungalikholwa iZwi likaNkulunkulu.

141 Ngakho, WayeyileyoMbewu. Futhi indlela kuphela ukuPhila okungaba ngayo, ekuzalweni kokuPhila, ukuPhila kwakufanele kufike ngaleyoMbewu. NaleyoMbewu yayifanele ife, ukuze isabalalise ukuPhila. O! Anikuboni na? Anikezelwa lokho-ke Amanzi, ukunisela iMbewu. UMoya oNgcwele, owawusensimini yase-Edene, wawufanele unisele iMbewu.

142 Umuntu wayengenzelwe khona ukuthi afe; wayenzelwe ukuthi aphile. Kodwa ukubhastela kwaletha ukuphila... ukufa lapho, njalo. WaKubhastela. Manje uyayiphika inzalo yenyoka na? Manje-ke ngizokubuza ukuthi kungani u...Ezani lezizinkonzo zemingcwabo na? Wabhastelwa. Sonke sibhastelwe kusukela kokwasekuqaleni. Yingalesosizathu nifa njalo.

143 Kodwa, O Nkulunkulu, kukhona iMbewana yokuPhila evela eMbewini yangempela. Kodwa uNkulunkulu wafakazisa ukuthi YayiyiMbewu yaKhe; WaMvusa futhi. Niyabo? Lokho, ngalokho kuPhila okuya ngale kweMbewu yasekuqaleni, njengoba yanikezwa uEva, phezu kweBandla laKhe langempela, liveza ukuPhila futhi, ngokuZala, ngesizalo soMlobokazi waKhe. Niyabo? O, kucebile futhi kuhle kakhulu! Ngikunika isikhathi esincane ukukufundisisa, ukuze kuzike. UyileMbewu. UyileyoMbewu eyavezwa yiZwi likaNkulunkulu. "Akubekimi njengeZwi laKho." Nanso iMbewu, niyabo ithatha iZwi. Niyabo?

144 Manje, uJesu uyiZwi elibonakalisiweyo. Yena neZwi baMunye futhi bayafana, futhi yingakho Lwabonakaliswa kangako kuYe ngokuphelele kangako. Yingalesosizathu uNkulunkulu azibonakalisa ngokuphelele kangako kuJesu, ngoba WayeyiZwi-Mbewu, iZwi-Mbewana, qobo lwaLo. IMbewana engaphakathi eMbewini, lokho ngukuPhila okuseMbewini. Niyakuthola na? Niyabo? Kwakuyi... WayeyiZwi-Mbewana kaNkulunkulu. IMbewana nguMoya; iMbewana ngaManzi.

145 NoJesu wafanele aqhekezwe lapho, ukuze leyoMbewu ikhiphe ukuPhila kwaYo, ukunisela enye imbewu eyayiza. O! Niyabo? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Waze Wathi, "Ezinye izimvu Ngi...engesiyo ngisho neyalesisibaya, Nginazo. Bazokubona Lokho. Bazolithola leloZwi futhi bahlale naLo ngqo. Futhi Ngithumela uMoya ukuba uLinisele, futhi Lizokuveza nje impela." Lizoveza izimangaliso. Lizoveza Amandla kaNkulunkulu. Lizoveza. Futhi ayizukuphika lutho, ngoba yimbewu ehlobene neMbewu.

146 Ngeke ithi, "Mnu. Gudluthukela, woza uhlale nami." Qhabo. Qhabo, mnumzane. Qhabo, qhabo. Ngeke ikwenze. Qhabo, lutho. Nje ngeke ixubane. Ngeke yaxubanisa ukufa nokuPhila. Ungeke ube ngofile futhi ube ngophilayo ngesikhathi esifanayo. Ehhe. Niyabo?

147 Ngakho niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? YiMbewana evela eMbewini. Uyiyo. UyiZwi likaNkulunkulu elibonakaliswe ngokuphelele. Yingalesosizathu ukuthi kuYe kwakukhona... Ini na? Leyo kwakuyinto e...UyiNdodana ngokufanele evela kuAdamu wokuqala, wayeyindodana eyethinjiswa ngoAdamu, iqhubeka esintwini. NoEva wayibhastela, enyokeni, futhi waveza isizukulwane sabantwana besihlahla, abazalelwe ekufeni, bengenakuPhila. NoJesu uyafika, futhi wayeyileyoMbewu. Wakufakazisa. Konke okwalahlwa nguAdamu, uJesu wayeyikho. Niyakubona na? Ungofaneleyo. UEva wayeyothi ekugcineni azale lowoMntwana. Kodwa wakubhastela, wafaka inyoka, walalela ukuhlakanipha, ukuqonda, ukwazi.

148 Manje lindani size singene kuMlobokazi nalokho. Niyabo? Yilokho oku...Yingalesosizathu ngikholwa yilokho engikukholwayo. Kuzofanele kubuyele kuleliZwi.

149 Yingalesosizathu ngithi, uma umuntu efuna uku—ukuxoxa nami, akhulume nami ngaleliZwi, akeze. Kunjalo. Ngikunikele lokho, noma ngasiphi isikhathi. Uma ucabanga ukuthi iGama lika "Jesu Kristu" alisiyo indlela efanele yokubhaphathiza, woza sixoxe ngakho. Ehhe. Uma ungakholwa ukuthi ikhona into okuthiwa yinzalo yenyoka, woza sibonisane, asithathe iZwi nje. Uma ungakholwa ukuthi abesifazane bafanele babe nezinwele ezinde, nokuthi leso yisembozo sakhe, woza sixoxe ngakho, neZwi. Uma ungakholwa ukuthi ukuphela kwesikhathi sekuseduze, nalezizinto engikhuluma ngazo ukuthi kukhona, woza sixoxe ngakho. Niyabo? Woza nami. Mfowethu, Mbewu, woza nje. Kunjalo.

150 Ungeke waba yiMbewu futhi uphikisane neZwi, ngoba iZwi liyiMbewu. Futhi uma uyiZwi, ungaphikisana kanjani naLo? Uyobe uphikisana nawe uqobo. Uyobe wehlula yona impela inhloso yakho uqobo.

151 Njengomunye umuntu owathi, "Ubuyobe u...Ulokothelani uphume uhambe nalabobantu abanjalo na?" Awu, uma ngingakwenzanga, bengiyobe ngehlula yona impela inhloso engathunyelwa yona lapha. Kufanele kubekhona ukuKhanya.

152 Manje njengoba siqhubeka sehla, sizoletha lezozinto sizikale futhi sikhombise nje ukuthi zizihlele kanjani ngokufaneleyo, nje ngokuphelele ncamashi neZwi. Manje...Yebo, mnumzane. U...

153 Yingakho uNkulunkulu wayekwazi ukusebenza ngaYe. Futhi Wathini ngenkathi Elapha emhlabeni na? "Angenzi lutho uBaba aze aNgikhombise." Ngokuphelele.

154 Futhi noma yini Ayenzile, kwakuhlala njalo kuqinisekiswa yimiBhalo. Wathi, "Hlolani nina imiBhalo, ngokuba YiYo efakaza ngaMi. Futhi uma Ngingenzi izinto Eyathi Yazenza, khona-ke aNgisiyo leyoMbewu yasekuqaleni. Kodwa uma

Ngiyenza into, pho aniNgikholwa ngani na?" Kunjalo. "Uma ningenakukholwa ngisho nayiMi, indlela eNgimi ngayo, khona-ke kholwani yiZwi eNgilishoyo, kholwani yimisebenzi eNgiyenzayo, ngoba iMbewu yaMi ingathela kuphela lokho eNgiyikho."

155 Ugudluthukela ungaba kuphela wugudluthukela. Ubungawubhastela nanoma yini enye, kodwa uselokhu ungukudluthukela. Kunjalo. Uyokuzwakalisa. Yingalesosizathu ukuthi, okumbaxambili, kungumzenzisi. Lokhu yibhastela. Umuntu ozisho ukuthi ungumuntu kaNkulunkulu, futhi aphike iZwi, ungumzenzisi. Umnyuzi ozisho ukuthi uyihhashi, awusilo ihhashi. Wathi, "Ngiyimbongolo," futhi awusikho nokokukodwa. Ungumzenzisi, ukuzalwa ngokomntwana wesihlahla, kunjalo impela. Lokho kusobala bha, kodwa yilokho okuyikho. Wayengahlosile ukwenza lokho. Umuntu wenze lokho ngokuhlakanipha kwakhe uqobo. Yilapho afika khona. Yilapho khona konke ukuhlakanipha komuntu kuphethela khona, ukuzalwa ngokomntwana wesihlahla. Kulungile.

156 Manje, yingakho uJesu wabonakaliswa ngokupheleleyo kangaka, uNkulunkulu wabonakaliswa kuJesu ngokupheleleyo kangaka, ngoba WayeyiZwi likaNkulunkulu. WayeyiZwi likaNkulunkulu. Yingalesosizathu Lalingeveze lutho kuphela uNkulunkulu nje. Futhi uma uNkulunkulu ekuwe, yini enye futhi obungaba yiyo na?

157 Akashongo yini uJesu, ngabaprofethi eleza kubo iZwi likaNkulunkulu . . . Leza kobani iZwi likaNkulunkulu na? [Ibandla lithi, "Abaprofethi."—Umhl.] Abaprofethi. Akababizanga yini uJesu ngo "nkulunkulu na"? ["Amen."] Ngani na? UNkulunkulu wayebonakaliswa kubo. Kwakuyini na? IZwi elikhulunyiwe libonakaliswa. Niyabo? Yilokho. Wathi, "Ningaphika kanjani, nithi . . . Ukuba beninokuhlakanipha, beniyoqonda." Wathi, "Ngi . . . Ungasho kanjani ukuthi u . . . Sibabiza . . . UNkulunkulu uqobo lwaKhe wababiza ngo 'nkulunkulu.'" Futhi wathi, "Ningasho kanjani-ke ukuthi niyabakholwa, futhi niphike Mina, uma Ngithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu na?" Abakubonanga ngani lokhu ngaleyonkathi pho? Into efanayo namhlanje. "NgiyileyoMbewu eyayizofika, iMbewu yowesifazane."

158 "Ngiyokunika iMbewu." Enyokeni, inyoka yayisivele imonile. Wathi, "Kodwa iMbewu yakho, eNgizokunika yona, iyolimaza ikhanda layo." Iyothatha leyonto iyibuyise futhi. Amen. Ngifisa. . . . nje ngifisa sengathi ngabe wonke umuntu ubengakubona lokho. Niyabo? "Ngifikele ukuzonqoba, futhi ngilungise okwenziwe nguEva. Indlela kuphela eNgingakwenza ngayo kungabesifazane abayikholwayo iMbewu; lapho, owesifazane engayikholwanga iMbewu." Owesifazane walikholwa iZwi; lapho, omunye engaLikholwanga.

159 "Ngiyilowomnqobi. NgiyiLowo ofikele ukuba anikeze ukuPhila, ukuthi ngokufa kwaMi, ukukhokha inhlawulo yalokho akwenzile. NgokuPhila kwaMi, kuzonikwa nina, ukuba kugeleze phezu kwenu. Futhi nizoba ngamadodana kaNkulunkulu, namadodakazi kaNkulunkulu, niyabo, inqobo nje uma iMbewu iphakathi lapho."

160 UyaYibhastela, futhi awunalutho ngaphandle kokuthi ungowehlelo, umntwana wesihlahla. Yilokho kuphela. Noma yini ephika iZwi. Ngiyaxolisa, bodadewethu. Ngi—ngifuna ni . . . Ngifanele nje ngisho ngendlela eLisho ngayo *Lapha*. Niyabo? Futhi yileyo—yileyondlela eLiyiyo.

161 Onke angamadodana kaNkulunkulu afanele afane. Yebo, mnumzane. Ukuzalwa yiZwi noMoya, kusibuyisela eZwini elikhulunyiwe futhi, njengakuJohane 3. Niyabo? Ukuzalwa ngaManzi noMoya, Kwenzani na? Khona-ke Kukubuyisela emuva ngqo futhi endaweni yalapho owawufanele ubekhona ekuqaleni. Niyabo? Yileso sizathu sokufa kukaKristu, kusibuyisela emuva ngqo futhi ku (phi?) madodana kaNkulunkulu.

162 Ukuba uEva wazale lowoMntwana . . . Wayeyothi ekugcineni akwenze. Akamtshelanga yini uNkulunkulu, "Nande nigcwalise umhlaba"?

163 Kodwa wafanele ahambe ngapha, udlala indawo yesifebekazi. Awu, wena uvele uthi nje, "Lokhu kubekwa ngembaba, Mfowethu Branham." Kodwa linda kancanyana nje, sizongena kulokho kamuvanyana. Niyabo? Niyabo? Wena uthi, "Ngeke kwaba-njalo." Awu, sizothola nje lapho iZwi elithi kunjalo, noma qha. Niyabo? Manje-ke kunjalo. Aba . . . ALifihlakele. Uma Lifihlakele, Lifihlakele kulabo olahlekile. Niyabo? Kunjalo. Niyabo?

164 Manje, manje, lokhu kukubuyisela emuva ngqo eZwini elikhulunyiwe, khona-ke siyiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiwe. Niyabo? UJesu washo into efanayo. "Okholwa yiMi, izinto . . . nokuthi NginguBani, ukuthi Ngizokwenzani, nenhloso eNgiyenzayo, ukubuyisela umuntu ukuba akholwe iZwi likaNkulunkulu futhi angathathi lutho olunye naLo, imisebenzi eNgiyenzayo mina, naye uyakuyenza." Nakho lapho okhona.

165 Akwenziwa ngani namhlanje na? Kubhasteliwe, abantwana besihlahla, baxutshanisiwe. Awu . . . Ngumnyuzi. Awazi ukuthi yini oyikholwayo.

166 Umnyuzi awazi ukuthi ubani uyise, ubani unina. Awazi. Awunahlobo. Akukho lutho kuwo. Uyisidalwa esiyivezandlebe.

167 Yileyondlela noma yimuphi umuntu, ozisho ukuthi uyamkholwa uNkulunkulu kepha engalikholwa iZwi laKhe, uyothatha isivumokholo sehlelo futhi asizalanise neZwi. Niyabo, awusuye okaNkulunkulu. Ufile. Ungeke ube ngofileyo

nophilayo, ngesikhathi esifanayo. Ngakho ngisho neZwi likaNkulunkulu alimili ngisho, nje udlala indawo yomzenzisi. Lokho makuye kumbhishobhi, umpristi, isikhulu sesonto ukhadinali, noma kungaba ngubani. Kunjalo. Kufanele kube yiZwi, kungenjalo ufile, umntwana oyivezandlebe nje, iZwi likaNkulunkulu (ingxenye kaNkulunkulu) ngeke limile. Ungahle umile ensimini efanayo, njengoba siqonda ngqo, kodwa a—awukho ngempela e—esibayeni. Ngeke imile. Kulungile. Kulungile.

168 Siyaqaphela-ke, niyabo. IZwi elikhulunyiwe, khona-ke siyiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiweyo. Ulifuna linjalo-ke uNkulunkulu iBandla laKhe, kungukuba azibonakalise Yena uqobo. Angazibonakalisa kanjani Yena uqobo ngaphandle uma iMbewu yaKhe Uqobo ikulowomuntu na?

169 Ungayisebenzisa kanjani imicabango engeyakho uqobo, noNkulunkulu azibonakalise Yena uqobo ngawe na? Ungayithatha kanjani inkolelo engeyakho uqobo, bese uthi, "Awu, umfundisi wami ufundisa, isivumokholo sami—sami—sami siyasho, ukuthi lolu izinsuku ze mir-. . . " Uzokwenza kanjani lokho, bese-ke uba yindodana kaNkulunkulu ebonakalisiweyo na? Uzokwenza kanjani na? Ukufa kukaJesu kwakungelutho kuwe. "O, ngiMemukela njengoMsindisi wami." Awumamukeli! Uthi uyamemukela, kodwa awumamukeli. Imisebenzi yakho iyakufakaza oyikho.

170 UJesu washo into efanayo. "Uma nicabanga ukuthi ngizalwe ngokobuvezandlebe . . . "

171 Bathi, "Siyindodana ka-Abrahama thina, futhi asidingimuntu ukuba asifundise."

172 Bathi, "Uma wawungabantwana baka-Abrahama, naniyongazi Mina." Wathi, "Yimuphi kini oNgilahla ngesono, ukungakholwa na? Ngikhombiseni into eyodwa uNkulunkulu ayethembisa ngaMi, engagcwalisekile." Hhe! "Ngikhombiseni into eyodwa uBaba ayethembisa, eNgingayigcwalisanga. Isono ukungakholwa. Asikubone uyiveza-ke." Lokho, lokho kwabanqinda. Niyabo? Impela. Wathi, "Ubani oNgimangalelayo na? Ubani onga—ubani ongaNgilahla ngesono, ukungakholwa na? Niyabo? Uma ngingakholwa, pho kungani uBaba enza ngaMi njengoba Enza, lonke iZwi Alethembisayo na? Manje aNgibone ukuthi nikutholephi kweyenu."

173 Ubani-ke ozalwe ngobuvezandlebe-ke? Babeyiwo, amavezandlebe bezisho ukuthi banguNkulunkulu. UJesu wathi, "Ningabakayihlo uDeveli, futhi nenza imisebenzi yakhe." Nhloboni yemisebenzi uDeveli ayenzayo na? Uzama ukubhastela iZwi likaNkulunkulu, ngoEva.

174 Leyo yinto efanayo impela lamahlelo amakhulu ayenzayo namhlanje. Imisebenzi kaDeveli, uyise, bayayenza. Bazama ukuthatha isivumokholo basizalanise neZwi likaNkulunkulu.

Yilokho uSathane akwenzile ekuqaleni, uyise, uDeveli. UNkulunkulu anibusise, bazalwane. Phumani kukho! UJesu washo njalo. Ninomudwa omncane kaNkulunkulu kini, benifanele nibuke bese nikubona Lokho. Ukubhastela! O, he!

175 Imisebenzi eyenziwa nguJesu! Uma umuntu eneMbewu kaNkulunkulu kuye, noMoya kaNkulunkulu unisela leyoMbewu, imisebenzi efanayo uJesu . . . wabonakaliswa kuJesu, Yena eyiMbewu kaNkulunkulu yasekuqaleni, ukufa kwaKhe kukubuyisela eMbewini kaNkulunkulu yasekuqaleni. Futhi uma uMoya ofanayo owawuphakathi kwaKhe, ukuwe, khona-ke imisebenzi efanayo iyobonakaliswa.

176 Anikukholwa lokho na? Kulungile. Asiphenye ngale kuJohane oNgcwele 14:12. Wena uthi, "Mina ngiyikholwa, Mfowethu Branham. Ngiyikholwa ngempela." Kulungile. Ngizobona ukuthi uJesu uzokubiza ngalo yini, ngibone ukuthi iZwi likaNkulunkulu lakubiza ngalo yini.

> *Ngiqinisile, ngiqinisile* (ngokoqobo, ngokoqobo), *ngithi kini, Okholwa yimi, imisebenzi engiyenzayo mina naye uyakuyenza; nemisebenzi emikhulu kunale uyakuyenza; ngokuba ngiya kuBaba.* (Kuyini na? IMbewu efanayo.)

177 Ngeke ugcine . . . Ungawutshala kanjani ukolo *lapha,* nokolo *lapha,* bese uthi, "Ngizothola amakukamba *lapha,* nokolo *lapha*"? Ungeke ukwenze. Indlela kuphela ozothola ngayo amakukamba, ngukuthi utshale amakukamba. Uma ulibhastela, khona-ke ngeke libe yikukamba. Kuyoba ngumzenzisi. Kunjalo na? Kuyoba ngumzenzisi, bangane. Nje—nje kufanele kushiwo. Akusikho nokukodwa. Akusilo ikukamba noma yikuphi okuzalanise nalo. Kungokuxutshaniswe nohlobo olungafani, futhi kungumkhiqizo omubi. Futhi kufile, kukho uqobo, futhi ngeke kuphinde kuzibuyise futhi. Kufile, khona lapho. Emuva, ngeke kusaqhubekela phambili. Lokho kuyawuqeda. Yilokho kuphela. Kodwa uma ufuna ikukamba, qala ngekukamba.

178 Uma ufuna iBandla, qala ngeZwi likaNkulunkulu. Ufuna ukuPhila kukaNkulunkulu, qala ngeZwi likaNkulunkulu. Yemukela iZwi likaNkulunkulu ekugcwaleni kwaLo, sonke isilinganiso saLo. Beseke udedela . . . Futhi uma lokho kungukugcwala kukaNkulunkulu kuwe, khona-ke imvula enayo iyoveza khona impela okusengadini yakho.

179 Bese-ke, manje, iqubukaphi iMvula yakho yaMuva na? Niyabona ukuthi lokho kuya kuphi emva kwesikhashana, aniboni na? Kuya kulezozintangazane zasendle ezatholwa nguElija, futhi bacabanga ukuthi kwakuyizintangazane, noma ukuthi lezo isikole sabaprofethi enhla lapho, lelohlelo ababenalo. Wabutha izintangazane zasendle, futhi bacabanga ukuthi zaziwu—zaziwuphizi. O, awu.

180 Manje-ke, imisebenzi iyobonakaliswa kuye, iyafana, ngokuba yiZwi-Mbewu likaNkulunkulu elifanayo. INdodana kaNkulunkulu yayiyiMbewu eyisibonelo saKhe, nokuthi ukuPhila kwaKhe kwakunjani ngenkathi uMoya uthululelwa phezu kwaYo emva kombhaphathizo waYo. NoMoya oNgcwele wehlela phezu kwaYo. Khona impela ukuPhila Eyakuvezayo, awu, lowoMoya ofanayo oniselayo kaMoya oNgcwele uyoveza uhlobo olufanayo lokuPhila, wenza into efanayo naleyo Ayenzayo, uma kuyiMbewu efanayo. IMbewu eyiNdodana-ka-Nkulunkulu iyozala iMbewu eyindodana-ka-Nkulunkulu.

181 Manje, ngiyanidabukela nina besifazane nezinwele eziphunguliwe. Ngiyanidabukela nina bashumayeli niphika leloQiniso, nithi, "Kulungile. Izinwele azihlangene naLo." Kodwa uNkulunkulu wathi zazihlangene. Niyabona ukuthi kukuphi na? Niyabo?

182 Yingakho ngikholwa yiZwi. LiyiMbewu. Futhi uma iMvula ina phezu kweMbewu, Iyoveza inhlobo yaYo.

183 Manje yin'indaba ngalezizimvuselelo na? Senzani na? "Asenze ezinye izigidi ngo '44," amaBaptisti, amaPresbyterians, nanoma yikuphi okunye, amaPentecostal.

184 Kodwa kuphi lokho kubonakaliswa kwemisebenzi kaJesu Kristu, "Angenzi lutho aze uBaba aNgikhombise kuqala"? Luvelaphi lolohlobo lweMbewu na? UMoya oNgcwele uyonisela futhi uveze leyoMbewu. NgaManzi eMbewini. Uma iMbewu itshaliwe, awalokho impela-ke Amanzi.

185 Uma Amanzi ehlela phezu kwakho, uthi, "Akubusiswe uNkulunkulu, ake ngikutshele okuthize, mshumayeli! Ngingu *S'bani-bani*, futhi angikholwa yileyoNto." Ungowehlelo. Ungumzenzisi omdala nje, okokuqala. Yilolohlobo lwembewu-ke olwatshalwayo.

186 Unga—unga—unga—ungabi ngongangiqondiyo. Ngiyakuthanda, s'thandwa. Ngizama ukuletha Lokhu kuwe. Niyabo? Ngizo—ngizo—ngizoma kukho, uma ngiqeda namhlanje. Ngizokudedela. Kodwa ngifuna nazi, ngesikhathi esisodwa, ukuthi yini elungile, nesizathu sokuba ngikholwe yilokhu engikukholwayo. Ngikholwa ukuthi uDeveli unikhohlisile. Ngokusobala, ngiyazi ukwenzile. NgokweZwi likaNkulunkulu, ngeke Lehluleke. Unikhohlisile. Yebo, mnumzane, Yingakho ngishumayela lezozinto ngendlela angenza ngayo, ngoba iZwi likaNkulunkulu lakusho.

187 "O," uthi, "awu, Mfowethu Branham, lolu wusuku olwehlukile." YiZwi elifanayo, nokho.

188 Banokolo othize ophuma enqolobaneni emva lapho, owawukhona ngesikhathi sikaJosefa, futhi bawubeka bawutshala lapha, eminyakeni ethi ayibe mibili edlule. Niyakubona lokho kwiphephabhuku na? Futhi bakhiqiza

ukudla okusanhlamvu kukakolo. Kwakuseyiwo ukolo, yingalesisizathu. Into kuphela owawuyidinga, amanzi nje.

189 IZwi likaNkulunkulu lisafana nje njengoba Lalinjalo ngenkathi ELikhuluma emuva ngaleya, ezinkulungwaneni zeminyaka ezadlula. Into kuphela eLiyidingayo Amanzi.

190 Asikutholi ngani ukudla okusanhlamvu na? Ngoba sinohlobo olungafanele lwembewu phakathi. "Bangaki, nina nonke, aniyishintshi ngani incwadi yenu na?" Indodana yesihogo ngokuphindiwe kunoma wawunjalo ngenkathi uqala. "Bangaki kini maMethodisti abangathanda ukuba babe ngamaBaptisti na? Nina maBaptisti enithanda ukuba yiPentecostal na? Lethani ubulunga benu nje lapha." O, bakithi! Umbhedo! Imfucumfucu! Imfucumfucu kaDeveli. Akukho kuPhila kuyo, nhlobo. Kungokubhasteliwe, kokuzenzisa, kufile, kufe kabili, kwasishulwa ngezimpande. Akashongo yini uJesu, "Sonke isithombo esingatshalwanga nguBaba waMi waseZulwini siyosishulwa na"? Ihlelo, noma ngabe kuyini, kuyosishulwa.

191 IZwi likaNkulunkulu, lodwa, liyoma. Kunjalo! Yilokho Akushoyo. "Onke amazwi omuntu angamanga, kodwa elaMi liyiQiniso."

192 Manje sizoyaphi na? Kungcono nibuyise izingqondo zenu. Kodwa ngeke niLizwe ngaphandle uma nikumiselwe ngaphambili ukuba niLizwe. Singena kulokho. Akumangalisi kwehla njengamanzi emhlane wedada, lenzelwe ukuchitha amanzi, hhayi ukuwamunca.

193 Umkhumbi wenziwa ngomuthi wegofere nomuthi womtholo. Kungokukakhulu . . . Awulutho kuphela yimbobo. Akukho lutho kuwo kuphela yimbobo. Yonke into iyakhishwa kuwo; umila ngaleyondlela, umuthi olula kunawo wonke okhona, ulula ukwedlula ibalisamu. Babekwenzelani na? Ukuze awucwilise kwikolitayi. "Ukuba bekuyi-oki," usho njalo, "i-oki yayingeke yini yenze kanjalo nje nayo na?" Qhabo, mnumzane. Ingeke icwile kwilutho. Iyalenqaba. I—iyalixosha; futhi lo uyamunca.

194 NeMbewu kaNkulunkulu yangempela imuncela uMoya. Bonke ubuhlelo buyakhishwa. Konke ukungakholwa kungaphandle. Futhi uma uMoya oNgcwele ungena kuleyoMbewana yokuPhila elele lapho, Uveza enye iMbewu, impela nje. Enye indodana kaNkulunkulu iyazalwa. Amen. Omunye unkulunkulu omncane, indodana kaNkulunkulu!

195 NginguBranham ngoba ngazalwa nguCharlie noElla Branham. Lokho kungenza ngibe uBranham, ngoba ngiyimbewu yabo. Izivumelwano zabo ezimbili, nesidoda sabo ndawonye, senza imbewu, nalokho kwenza mina.

196 Uma uNkulunkulu neZwi laKhe kuba kunye, haleluya, lokho . . . Uma uMoya kaNkulunkulu unisela iMbewu kaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu, Liveza uNkulunkulu. Futhi akusuye umuntu ngamunye. NguNkulunkulu, ngoba

(ini?) ufile. Awusesuwe owakho. Uzithatha ngokuthi ufile, wakopolotwa imbobo, ulindele iMbewana yeMbewu. Manje-ke kuyini na? Akusesuwe; akusuye umuntu. NguNkulunkulu kumuntu. YiMbewana yeMbewu, njengasekuqaleni, iZwi elikhulunyiwe. YiZwi likaNkulunkulu elibonakaliswe kumuntu. Bese-ke, akusuye umuntu; ngumuntu ofile. Angeke abe yibhastela nendodana, ngesikhathi esifanayo. Kuphakathi kokuthi uyindodana yokufa noma indodana yokuPhila. Ngakho uma eyindodana yokufa, kuse ngale kuDeveli umdedele akubulale . . . Kuse kuNkulunkulu, bengiqonde lokho, uMdedele abulale uDeveli okuwe, amxoshe, akukopolote imbobo. Bese-ke, udedele uNkulunkulu atshale ukuPhila kwaKhe uQobo kuwe, khona-ke akusesuwe. NgukuPhila kukaNkulunkulu, ngoba yiZwi likaNkulunkulu eliniselwe nguMoya oNgcwele, liveza into efanayo. Niyakubona na?

197 Ngiyathanda nje ukushumayela ngalokho imizuzu embalwa; kodwa kunamakhasi angamashumi amathathu noma angamashumi amane omBhalo lapha, futhi ngisenamathathu kuze kube manje. Wo! Kulungile.

198 Ebonakalisiwe, imisebenzi yabonakalisa okufanayo nga—okufanayo ngathi, ngokuba LiyiZwi elifanayo. Manje, uma ufuna ukwenza imisebenzi kaKristu, yenza into efanayo naYenzile. “Okholwa yiMi uyoba nemisebenzi yaMi.” Yini lokho na? Okholwa (ini?) ukuthi UyiMbewana yeMbewu yasekuqaleni efikayo. Iphi iMbewu na?

199 Lapha, ake ngithathe lamaduku. *Nangu* umuntu owayefanele ukuba khona. Khona *lapha*, yilomuntu owayefanele ukuba khona.

200 Kwenzekani na? UEva wakubhastela, wakuzalanisa, okwakwenzayo. Kwase kwenzani na? Kwaphendukela ekufeni; lokhu kufa nje, kufa. Manje kufika lokhu, ukuthi kuphuma . . .

201 Manje *lapha* kuhlala iZwi, ngokufanayo nje. *Nanti* iZwi libekwe lapha, ngokufanayo nje. Manje kwenzekani na? *Nanti* iZwi. Manje, iZwi uNkulunkulu alikhuluma, “Ukwandisa nokugcwalisa umhlaba,” Aliyitholanga indawo yokuhlala phansi cababa.

202 Ekugcineni, *leli*Zwi, Labambeka esizalweni sentombi. Sizokhuluma ngezizalo ezimbili, kulentambama, kakhulu. Futhi kwenzekani na? KuYe kwavela ukuPhila kweMbewana, into enikezayo, aManzi anikeza u—u—uhlamvu ithuba lalo ukuba phinde luzizale. UMoya waphuma kuYe futhi wenyuka.

203 Si*lapha*. Siyeza. Kwenzekani na? Siyakukholwa. Siyakukholwa. Manje, wathini uJesu na? “Okholwa yiMi.” Niyabo? “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina, ukubonakaliswa oku . . . UMoya oNgcwele ufika ngesimo sejuba, ufika phezu kwaMi futhi wenze lokhu, hhayi ngokubhastela, kodwa ngokuzalwa yintombi.” Hhayi i—i—imbangela yo—

yokuphila, njengokuzala umntwana, indoda kumfazi; qhabo, hhayi lokho. Hhayi ukubhastela, kodwa ukuzalwa yintombi. "Manje, ngalokhu, Nginikeza lokhu ukuPhila, ukuthi uma wena, ngokukholwa, uzokwemukela lokho uBaba, bonke abaprofethi, lonke iZwi likaNkulunkulu, Ngiyothulula lokhu ukuPhila phansi phezu kwakho, futhi uyo. . .ngeke wenza lutho olunye kuphela uveze into efanayo naleyo eNgiyiyo! . . .?. . .Imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Wenzani na? Njengoba nje uBaba wayeMhola, lokho Akubonayo. UJohane oNgcwele 5:19, nje . . . "Angenzi lutho Ngize ngikhonjiswe nguBaba."

204 Wayeyini na? WaZenza waba nguMuntu. "UNkulunkulu waba-yinyama, futhi wakha phakathi kwethu. IZwi laba-yinyama, futhi lakha phakathi kwethu." IZwi likaNkulunkulu elikhulunyiwe, ngentombi, laletha u—umzimba. Futhi kulowomzimba kuvela a—aManzi, uMoya. "Futhi wagezwa ngaManzi eZwi." Wase-ke engena kuYe, wakha kuYe, futhi lapho kufika ukuPhila kukaNkulunkulu Ezibonakalisa ngoKristu. UNkulunkulu wayekuKristu, Ogcotshiweyo. *Kristu* kusho "Ogcotshiweyo," uMuntu owagcotshwayo. "NoNkulunkulu akhe kuYe." Kwakuyini na? IMbewana inenyama, Ogcotshiweyo, inyama igcotshwe nguMoya kaNkulunkulu, yaveza iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa. "Futhi saMbheka, ozelwe yedwa nguYise, egcwele umusa." Niyabo?

205 Sasilapho-ke, niyabo. WayeyiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiweyo. Futhi, manje, Wafa ukuze akhokhe isikweletu sokubhastela kwakho. Wo! Wo! Nakho-ke. Kuyini na? Ukuze ufe kuwe uqobo, uze ungabe usaba nguwe, futhi ugcwaliswe ngeZwi laKhe, ukholwa yiZwi laKhe. Bese-ke uMoya oNgcwele, owawukuYe, uyehla ukuba unisele leloZwi, ukuLenza limile. Niyabo? Bese-ke kuba yini na? UNkulunkulu ebonakalisa, eqhuba umsebenzi weNdodana yaKhe yokuqala, eyaKhe ezelwe yodwa, niyabo, eyafela ukuphila kwethu kokubhastelwa; ukuze Asibuyisele emuva, ukuba sibe amadodana namadodakazi kaNkulunkulu, ukuze kuthi ngeBandla kugeleze ukuPhila okufanayo, ngeZwi, eqhuba umsebenzi ubonakaliswa njengoba kwakunjalo kuKristu. UKristu wayeyiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiweyo. Futhi Wafa, wanikela ngokuPhila kwaKhe, ukuze Athumele uMoya; akhuphule umzimba waKhe, futhi abuyise uMoya waKhe, ukuba unisele, ukhokhe intengo yokuhlenga, uma sizokukholwa. Lokho kukhona khona lapho: uma ukukholwa. "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina . . . " Bese kufika uMoya oNgcwele phezu kweZwi likaNkulunkulu elifanayo.

206 "Manje," wena uthi, "ukuphosa kuphi—kuphi phezu kweBhayibheli pho?"

207 IBhayibhelini lizofanele libe phakathi kuwe. IZwi liyiMbewu. Inqobo nje uma Libekwe *lapha*, ngeke lenze lutho. Kodwa uma Lingena *lapha*, uma Lingena enhliziyweni, khona-

ke Liqala ukubonakalisa, ngoMoya oNgcwele, imisebenzi kaNkulunkulu. Bese kufika imibono, kufika amandla, kufika ukuzithoba. Konke ukuthi wena wazi-konke akusekho. Uba ngongelutho. UKristu uba ngophilayo. Wena uyafa; Yena aphile. Nakho-ke. Imbangela, Wafa, ngiyaphila. Uma ngifa, U—Uyaphila futhi. Futhi uma ngifa, Wangethembisa ukuphila. Futhi ngafa kimina uqobo, kanjalo ukuze ngibe nokuPhila kwaKhe. Futhi ngikwenza kanjani na? Ngokuthatha iZwi laKhe, iMbewu yaKhe. Ngifake iMbewu yaKhe *lapha*, ngokukholwa, futhi ngiYikholwe, bese-ke Iveza khona impela iBhayibheli elakushoyo.

208 Manje, bazalwane bami, hlolisisani ezweni lonke. Sithola eziningi izinto-mbumbulu.

209 Asiqhubeke isikhashana esidanyana. Niyabo? Kulungile. Imisebenzi, efanayo ibonakaliswa eBandleni laKhe, ezoba khona, eyabonakaliswa kuKristu. Washo njalo, uJohane oNgcwele 14:12. "Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi angeke." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—] Kulungile.

210 Abamiselwe ngaphambili, njengoba Wayenjalo, wenza iMbewu-Zwi ibe yinyama. Kungcono ngime lapho manje. Mhlawumbe ningeke, kodwa omunye phandle ezweni leteyipu angahle a under- . . . angahle aqonde. Abamiselwe ngaphambili! Onke amadodana namadodakazi kaNkulunkulu amiselwe ngaphambili. Sizofika emiBhalweni, emva kwesikhashana. Nginicaphunela khona nje. Abase-Efesu, isahluko 1, ivesi 5. Kulungile. Simiselwe ngaphambili. Ngani na? UKristu uyiMbewu yasekuqaleni. NaleMbewu yasekuqaleni yamiselwa ngaphambili ngokwazi ngaphambili kukaNkulunkulu, azi ukuthi ukuwa kuyofika, futhi WaMmisela ngaphambili ukuba athathe indawo yethu. Niyakuthola na? Onke amadodana namadodakazi kaNkulunkulu amiselwe ngaphambili.

"Kodwa," wena uthi, "pho bakhona abanye Ayobalahla na?" Qhabo, mnumzane.

211 Wena ulapha ekubeni ube ngozikhethelayo. Kodwa isizathu sokuthi Azi . . . Yena, enguNkulunkulu, Ongenasiphelo, njengoba ngikhulumile kini ngakho. Wazi konke ngaphambili okuyobakhona. Wayazi ukuthi babengobani.

212 Manje, Akamenzanga ukuba uEva enze lokho. Akamenzanga ukuba akwenze, kodwa Wayazi ukuthi wayezokwenza.

213 Manje, akumangalisi, ngiyakholwa, esahlukweni 12 sikaLuka oNgcwele, ngikholwa ukuthi yiso, Washo. Ngi . . . Ningakubhali phansi lokho. Ngizokuthola. Nginakho kubhalwe phansi, kamuvanyana, lokho. Wathi, "Banamehlo, kodwa ababoni. Banezindlebe, kodwa abezwa. UIsaya washo kahle ngani. UIsaya wanibona ngaphambili." Futhi nampo balapho, behlezi lapho, benamehlo, izindlebe, nakho konke

okunye, kodwa nokho ababoni. Ngani? Bayabalekelana neZwi likaNkulunkulu. Wayesethi-ke uJesu, "O, nina-bazenzisi. Ninga—ningabantwana bakaDeveli, futhi nenza imisebenzi yakhe; bese niNgilahla," Washo, "nala inkonzo yaMi." Nini, ngikhombiseni lapho inkonzo yenu iveza khona iZwi likaNkulunkulu eligcwele, njengoba elaKhe lalinjalo. Niyabo? Niyabo?

214 Manje, abamiselwe ngaphambili, njengoba Wayenjalo. Manje wena uthi, "Kufika kanjani lokho kumiselwa ngaphambili na?" UNkulunkulu, ngesimo nje... Manje, uma wonke umuntu engakuqondi lokhu, ngifuna uphakamise isandla sakho manje uma sengiqedile. Niyabo? UNkulunkulu, ekuqaleni, wayala uAdamu noEva ukuba bande bagcwalise umhlaba. Lwanikezelwa kanjalo-ke ucansi, kungakho lwabakhona. Kodwa yini eyabangela ukubhastela na? Ukuletha ukufa. Manje sithola lokho kulentambama, ezizalweni ezimbili. Niyabo?

215 Manje qaphelani. Manje, kulokhu, uNkulunkulu wabona ngaphambili futhi wamisela ngaphambili izwe lamadodana namadodakazi. Wabamisela ngaphambili ukuba babe lapho. Futhi ngenxa yokubhastela... Ukungakholwa yiZwi likaNkulunkulu kwabangela ukubhastela. UNkulunkulu ukubuyisele emuva ngqo, futhi, ukuthi awusadingi ukuba ubuye ubhastele futhi. Usungabuyela ngqo eZwini lasekuqaleni futhi ube yindodana kaNkulunkulu njengoba nje wawufanele ube njalo ekuqaleni. Niyabo?

216 UKristu akukho ayengakwenza ngaphandle kwalokho Ayeyikho; WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Yilokho. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini manje na? Niyabo, uma ubuhlosile, uyalibona iZwi likaNkulunkulu, uyaLikholwa. Ngoba ngani na? (Kukhona into entsha.) Niyabo? Ngani na?

217 Senake nezwa ngozalo, emndenini na? Owodwa, i—i—indodana, iyothi ukulingisa uyise noma—noma umama, noma umkhulu, ugogo. Lolozalo, emndenini. Nike nezwa ngakho. Anikaze na?

218 Awu, leyo yinto efanayo ekumiselweni ngaphambili. Nanifanele nibe lapha ngendlela efaneleyo, ekuqaleni. Kodwa, ngokuthi nifika ngendlela enenza ngayo, niphansi kokuwa. Kodwa, ngokuthi nimiselwe ngaphambili, niyalizwa iZwi. Linibuyisela ngqo lapho enamiselwa khona ngaphambili. Amen. (Akukaze kubonwe lokho ngaphambili.) Liniletha ngqo... Yini—yini enenza nikholwe yiZwi likaNkulunkulu, bese nizilahla lezi ezinye izinto na? Yingoba nani... Kukhona into ekini. Le ngaleya, ni suppo-... Ini? Nenzelwe ukuba niphile lapha kuze kube-phakade.

"Ngifuna umBhalo walokho, mshumayeli."

219 Nanku ufika. "Wonke lowo Ayemazi ngaphambili, Umbizile; wonke lowo Ambizile, Umlungisisile; nawo wonke lowo Amlungisisile, Usevele umkhazimulisile."

"Kusizani ukushumayela, Mfowethu Branham na?"

220 Kukhona u—kukhona ukudla okusanhlamvu phandle lapho. Into kuphela engiyenzayo ngukubamba izinhlanzi ngenethi. NgiLiphosela phandle lapho nje, futhi ngibone ukuthi Liya kuphi. Uma ukubalekelana, ugilisi wenkucunkucu yezwe namahlelo kuLiphosa le, akukho engingakwenza. Kodwa uma kukhona oyedwa phandle lapho ongaLimunca, uyophendukela ekubeni yindodana nendodakazi kaNkulunkulu, ngokuqiniseke impela njengezwe nje, amen, ngoba kumiselwe ngaphambili.

221 Yingalesosizathu uNkulunkulu akwazi ukusebenza imisebenzi yaKhe ngoJesu, WayeyiNdodana eyayimiselwe ngaphambili. "WayeyiWundlu elahlatshwa ngaphambi kokuselwa kwezwe." Ngaphambi kweminyaka eyizigidi zezigidigikazi zezigidigidi eziyikhulu eyedlula, esithe uGenesisi 1:1 wakhuluma ngayo, esikhashaneni esedlule, Wamiselwa ngaphambili ngayo leyonkathi ukuba athathe indawo yaKhe. Amen. Yingalesosizathu i—intando kaBaba Ayenza. WayeyiZwi elibonakalisiwe.

222 Futhi onke amanye amadodana ayoba nokubonakaliswa okufanayo, futhi yilawo amiselwa ngaphambili. Leloqembu elincane, kusosonke isizukulwane, liyovuka ekuvukeni, kusukela le ekuqaleni kwezwe. Futhi isizathu, bebambelela kuLo. Ngisho noPawulu wakhuluma ngakho eSambulweni, noma ku—kumaHeberu isahluko 11, wathi, "Bazulazula bembethe izikhumba zezimvu nezikhumba zezimbuzi, futhi eswela, futhi bahlushwa, futhi baphathwa kabi; lelizwe elalingabafanele bona." Amen. Bengenalutho abangaludla, futhi behamba begijima, futhi bagubha, futhi bahlushwa, futhi banqunywa ngesaha, njengoba wabanjalo uIsaya, nabaningi babanye. UPawulu ekhuluma ngalawomadoda. Wayengubani yena, athi, wakhuluma ngowa "nqunywa ngesaha"? UIsaya, umprofethi, wamiselwa ngaphambili ngisho nangaphambi kokuba kuqale izwe. Wayefanele avele ngesizalo sikaEva. Kodwa-ke ufika ngesizalo—zalo sowesifazane; umoya wakhe wawufanele ufike lapha ukuba ube ngufakazi.

223 Ngakho uJesu wayenjalo, naye, wezela ukuba abe ngufakazi wokufa, ukumbelwa, nokuvuka; ukuthi umuntu uyofa, kodwa aphile futhi ngaYe, ngokuba UyiMbewu ezomila. Amen. Ngethemba ukuthi niyakubona. Kulungile.

224 Wamiselwa ngaphambili njengoba Wayenjalo, wenza iMbewu-Zwi ibe yinyama kuwe, iBandla laKhe, iZwi likaNkulunkulu.

225 Wena uthi, "Impela, Mfowethu Branham. Lonke iZwi, ngiyaLikholwa." Khona-ke musa ukwenzelela uma uthola isiko lakho. Niyabo?

226 Hlala naleloZwi ngqo. Futhi uhlale naLokho, ubhekisise ukuthi kwenzekani. Uthi, "O Nkosi, ngiyaLikholwa. Thumela uMoya oNgcwele." Khona-ke bese ubhekisisa. Khona-ke uma Ehamba ukuba afakaze, khona-ke uyazi ukuthi uLitholile. Hhayi ngamadlingozi athize; odeveli bayakwenza lokho. Hhayi ngesimangaliso esithize; odeveli bayakwenza lokho. Kodwa ngokukholwa kwakho kwanjalonjalo eZwini likaNkulunkulu, nempilo oyiphilayo, ungaphiki lutho neze. Kulungile. Lokho kwenza iZwi libe yinyama, niyabo, inyama noMoya waManzi ofanayo.

Ngizolinda umzuzu. Angikwazi ukukwedlula lokhu. Niyabo?

227 UJesu wayeyiMbewu ka-Abrahama, sikhuluma ngokwenyama. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] IMbewu eyayimiselwe ngaphambili ka-Abrahama. Futhi ngenkathi uMoya wehlela kuYe, nhloboni yokuPhila Ayilethayo na? Waletha ukuPhila kokukholwa. Nhloboni yokuPhila na?

"Usho ukuthi Uzoba ngumgogobali njengoAbrahama na?"

228 Yilapho abantu bexoveka khona kakhulu namhlanje. Bazama ukucabanga ukuthi umuntu kaNkulunkulu uzofanele enze *lokhu* futhi alandele *lokhu*, futhi enze *lokho*. O, bakithi, qhabo. Kwakuyini . . .

229 UKristu wayeyiMbewu ka-Abrahama kanjani na? Hhayi kweyaKhe . . . kakhulu kangako emzimbeni waKhe. Imbangela, uIsaka, leyombewu kaIsaka ekugcineni yawa yase ifa, yahlubuka yase ibhastela, futhi. Sizofika kukho, ngqo. Niyabo? Kodwa iMbewu ka-Abrahama yokukholwa, ukuthi yalikholwa iZwi likaNkulunkulu kungakhatheleki ukuthi izici sasinjani! Nakho lapho okhona. Wewu! Niyazi, kuthi angimemeze. Bukani. Niyabo? Bukani. IMbewu ka-Abrahama yokukholwa, kwakuyini na? Hhayi umzimba ka-Abrahama, kodwa ukukholwa kuka-Abrahama. Ukukholwa kuka-Abrahama e (kuphi?) Zwini likaNkulunkulu. Akunandaba ukuthi kufikani, wabiza noma yini ephambene naLo kube sengathi kwakungekho ngisho lapho. O, mina, lokho bekungeke yini kuklebhule lamahlelo abe yizicucu na? Mm, mm, mm, mm! Impela bekuzowaklebhula.

230 Uma iQiniso ngisho lo*Mshado NesaHlukaniso* lakhishelwa kuphela ekukhanyeni kwalo ukuthi liphakathi lapha, eBhayibhelini, belingabhidliza onke amabandla kulelidolobha, noma yiliphi elinye idolobha, zama ukubuyela kukho. Wona, ndawo-zombili, anephutha. Ngingakufakazisa ngeZwi. Asephutheni omabili. Kulungile. Noma umuntu ufanele enze *lokhu* noma enze *lokho*, noma owesifazane *lokhu* noma *lokho*. Angizukukusho, ngoba ngithole ukudideka

okwenele manje phakathi kwabo. Niyabo? Ehhe. UJesu wathi, "Bayekeni. Impumputhe ihola impumputhe." Ngani, baqophisana ngakho nje. Bangeke bakukholwe. Uma bezalelwe ekuPhileni okuPhakade, bayokholwa yiZwi. Niyabo? Kunjalo. Uma bengakholwa, uNkulunkulu uyoZibonakalisa kubo. Uma bengaLikholwa, ngani, bangeke balikholwe. Yilokho kuphela.

231 Asingene kulokhu, kuqala. Singahle sifike kulokho, kamuva ngesinye isikhathi. Kodwa ake sinake lokhu, kuqala, niyabo, futhi sibone ukuthi kungani sifanele sikholwe yilezizinto, ukuthi sifanele sizikholwe kanjani. Nifanele nizikholwe. Uma ningazikholwa, nilahlekile. Ninjalo.

232 "Sikholwe yini, Mfowethu Branham na? Nguwe?" Qhabo, mnumzane, hhayi mina. Nikholwe yimi, ne . . .

233 Ngisho iZwi. Angibeki lutho lapha. Nginitshela nje ukuthi iBhayibheli lithini ngokukholwa leliZwi. Futhi yilokho engikwenzile, ngukuzama ukukholwa leloZwi ngendlela nje eLilotshwe ngayo; angenezeli lutho, angithathi lutho. Nje ngiLifunda ngendlela eLiyiyo, futhi ngiLikholwe kanjalo nje. Futhi ngomusa nosizo lukaNkulunkulu usoMandla, ULiqinisile.

234 Futhi ngicela wonke umuntu ukuba afakazise ukuthi aLinjalo. Manje, nina enisemateyipini, wozani nikwenze. Ngitsheleni kanye lapho engake nganitshela khona noma yini eyiphutha, okungazange kufezeke. Ngitsheleni noma yini, noma ngasiphi isikhathi, lapho uNkulunkulu engakaze akuqinise futhi akusebenze ngayo impela nje indlela okwashiwo ngayo. Kulungile.

235 Abamiselwe ngaphambili, njengoba Wayenjalo, kwenza iMbewu-Zwi aManzi afanayo ku (kuphi?) leliBandla namhlanje. Ngabe iBandla limiselwe ngaphambili na? Washo yini uNkulunkulu ukuthi Uyoba noMlobokazi ongenasici noma umbimbi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Khona-ke Limiselwe ngaphambili. ALinjalo na? ["Amen."] Niyabo? Awu, uKristu wamiselwa ngaphambili. WayeyiMbewu yasebuKhosini ka-Abrahama, futhi yenzani na? Lapho uMoya ufika phezu kukaKristu, Wafakaza ngeZwi likaNkulunkulu. Futhi lapho—lapho aManzi-Moya ehlela eMbewini-Zwi, iMbewu yobuKhosi yokukholwa kuka-Abrahama eZwini likaNkulunkulu iyoveza uhlobo olufanayo lokudla okusanhlamvu.

Wena uthi, "Angikukholwa lokho."

236 Kulungile, ake sithole. Asihambe manje futhi sibone. SiyiMbewu ka-Abrahama na? UGenesisi 17. Buyela kuGenesisi uthole isahluko 17. Ngiyeka inqwaba yalena lapha, kodwa ngi—ngifanele ngishaye okunye phakathi lapha. Isizathu, omunye umgxeki angahle afike bese ethi, "Angikukholwa lokho." Ngakho, sizovele sifake okuncanyana phakathi lapho, ukuze Amyekise ekutheni akusho. Niyabo? Kulungile, 17:7, asiqale evesini 6.

*Ngiyakwandisa kakhulu* (iMbewu ka-Abrahama), *ngikwenze*. . .*yizizwe* eziningi (abeZizwe nabo bonke). . .*kuvele amakhosi kuwe.*

*Ngiyakumisa isivumelwano sami* (manje bhekisisani) *phakathi kwami nawe nenzalo yakho emva kwakho* esizukulwaneni *zayo sibe yisivumelwano esiphakade, ngibe-ngu—ngibe-nguNkulunkulu wakho, nowenzalo yakho emva kwakho.*

237 Yini iMbewu ka-Abrahama manje na? Hhayi inyama yakhe. UPawulu wathi, "UmJuda, lowomJuda ngaphandle, akasuye umJuda. UmJuda ngaphakathi." Niyabo? Yini iMbewu ka-Abrahama na? Labo abakholwa yilo lonke iZwi likaNkulunkulu, kungakhathaleki ukuthi hlelo-lini, noma ubaba, noma umama, noma ubani omunye uthini. Balikholwa lonke iZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu wathi, "Ngiyakumisa isivumelwano sami khona manje, ngimisele ngaphambili lesisivumelwano nawe naneMbewu, esizukulwaneni ngasinye emva kwalokho, esizosikholwa." Nakho lapho okhona, iMbewu ka-Abrahama. Manje wena uthi. . .Manje bhekisisani. UNkulunkulu wathi, "Ngiyakusimisa neMbewu."

"Awu," wena uthi, "Mfowethu Branham, lokho kunika wonke umuntu ubod-. . . "

238 Lindani manje umzuzu nje. Asiye kwabase-Efesu manje, ngale eNcwadini yabase-Efesu, futhi sizoqala esahlukweni 1 sabase-Efesu. Sizobe-ke sesifunda kancanyana lapha futhi sibone nje ukuthi uNkulunkulu uzothini ngale—lendaba. Manje lalelani, uPawulu, manje bhekisisani indlela akubeka ngayo lokhu manje.

239 Wonke umuntu ngezinyawo zenu—ngezinyawo zenu manje, nje sine. . .noma nibe sekuqapheleni. Sinomzuzu ombalwa nje manje, sizobe sesi. . .Cishe imizuzu engamashumi amane-nahlanu, into ethize, sizobe sesiphuma-ke siye elantshini. Manje bukani.

*UPawulu, umphostoli*. . .

240 Yini *umphostoli* na? "Othunyiwe." "UPawulu, lowo othunywe nguJesu Kristu." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] "Ngentando yomkhandlu weSanhedrin"? Angikufundanga kahle lokho, Ngikufunde kahle na? "Ngentando ka—kaLuther, noma i. . . "? Awu, empeleni:

*UPawulu*, lowo othunyiwe *kaJesu Kristu ngentando kaNkulunkulu, kubo abangcwele*. . .

241 Kukubani, wonke umuntu na? Qhabo, mnumzane. Wonke umuntu angeke akuthathe. Hhe-e. Kunjalo.

. . .*kubo abangcwele abase-Efesu, nakubo abakholwa nguKristu Jesu:*

242 Labo osevele uphakathi lapho. Yilowo engethemba ukuthi ngikhuluma naye, kulelibandla kulokhu ukusa, labo asebevele ba "kuKristu Jesu." Manje, kulapho-ke lokhu oku addre . . .

243 Niyabo, ungeke utshele i . . . lezo-lezozingane phandle lapho ngaLo. Azikwazi ukudla inyama. Zidingeka ziphuze ubisi. Zibhashile. Niyabo? Ngakho, khumbulani, azikwazi ukudla izinyama eziqinile.

> . . . manje *kubo abakholwa nguKristu Jesu:*
>
> *Makube-kini umusa, nokuthula, okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu, naseNkosini uJesu Kristu.* (Kulungile.)
>
> *Makabongwe uNkulunkulu uyise weNkosi yethu uJesu Kristu, osibusisile . . .*

244 Manje, Ukhuluma eBandleni, manje. Lona akusuye ongaphandle. Leli yiBandla.

> . . . *ngezibusiso zonke zokomoya—zokomoya ezasezulwini . . .*

245 Njengakulokhu ukusa, labo abaLithandayo nje uLidla lonke nya. Niyabo?

> . . . *ezasezulwini kuKristu:*
>
> *Njengalokho wasikhethela . . .*

246 Ngabe saMkhetha na? Hhe. "O, Mfowethu Branham, a—angizwa. Ngakwenza." Qhabo. Wena, ngokweZwi, awuzange.

247 UJesu wathi, "Anizange niNgikhethe. Nganikhetha." O, yebo. Wakukhetha nini na? Uthi uJesu walikhetha nini iBandla laKhe na? "Ngaphambi kokusekelwa kwezwe."

248 "Njengalokho Wasikhethela kuYe," emvuselelweni yokugcina uDr. *uS'bani-bani* na? Qhabo, qhabo. Ungahle ukufunde lokho esivumweni-kholo, ibhuku eliphethe indaba yesifundo, kodwa hhayi ku*Leli*. Niyabo?

> *Njengalokho wasikhethela kuye ngothando ngaphambi kokusekelwa kwezwe,* . . .

249 Sakhethwa nini, emvuselelweni yokugcina, ngobusuku esasindiswa ngabo na? Ngani, ngenkathi—ngenkathi izwe lingakabibikho, kwakungekho-nkanyezi, kungekho-ma-atomu isithako esincinci, kungekho-molekhuli engumsuka wezinye izinto ezincinyane kakhulu, kungaleyonkathi esakhethwa ngayo. Amen. O, ningangivumeli ngiqale ukushumayela ngalokho. Ngizama ukuchaza okuthile nje lapha. Kulungile.

> . . . *ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuba sibe . . .*

250 Ini? "Amalunga"? Qhabo. "Sibe, o, emva kokuba sesisindisiwe, senza nje njengoba ufuna"? Qhabo.

> . . . *sibe-ngcwele singabi-nakusolwa phambi kwakhe . . .*

251 "Ubulunga"? Qhabo, qhabo. Wu "thando." Akusilo na? Kunjalo. Kulungile, "Ngothando." Ngiyaxolisa. Ngiyanqamula nje, ngiqagele, manje. Angifanele ngikwenze. Kulungile.

> *. . .ngothando:*
>
> *Wa* (Ini? M-i-s-e-l-a n-g-a-p-h-a-m-b-i-l-i. O!) *simisela ngaphambili ukuba sibe-ngabantwana* (iMbewu kusukela ekuqaleni, niyabo). . . .*ngabantwana kuye ngoJesu Kristu, njengalokho kwabakuhle kuye ngentando yakhe,*

252 Kwenziwa ngubani na? UNkulunkulu. Wakwenza nini na? Ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Manje-ke uma sifika ngokuzalwa ngokomntwana wesihlahla ngokonakala kukaEva, esenza sonke sibe ngabantwana bakhe futhi sibe phansi kokufa, manje-ke uNkulunkulu ozibusayo uzofanele enze indlela ukuhlenga abantwana baKhe. "Nabobonke uBaba aNgiphe bona bazoza kiMi. Futhi akekho ongeza uma uBaba waMi engamdonsi." O, he! Manje iphi into yakho enkulukazi oyenzile na? Awuzange wenze lutho. Ufanele ube namahloni. UNkulunkulu, Owenze izinto zonke! Isondo lisebenza kahle nje.

253 Kufika othize, ngolunye usuku, wathi omunye umuntu washo into embi ngami, futhi—futhi engisola ngento ethize eyayingalungile. Futhi ngathi, "O, khohlwa yikho."

254 Wathi, "Ungakuthatha kanjani kanjalo na? Lokho kufaka nomdeni wakho, lokho."

255 Ngathi, "O, he!" Ngathi, "Lokho kwamiselwa ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukunginika isivivinyo." Ngathi, "O, he, he, he! Impela. Ngakho lokho kulungile."

Wathi, "Ukwenza kanjani na?"

256 Ngathi, "Uma bengibuke phansi impela kanje, bengizowa ngaso sonke isikhathi."

257 Kungaleyondlela kubantu namhlanje. "Uma ngemukela iQiniso leZwi likaNkulunkulu, Mfowethu Branham, bangangikhahlela bangikhiphe." Awu, yini oyibukela *lapha* na? Buka ngaphandle lapha ekupheleni komgwaqo. Niyabo, umuntu obuka *kanje*, akazi ukuthi uyaphi, ubuka *ngapha*. Kodwa uma ubuka ngaleya, awukhathali ukuthi kwenzekani manje, uyazi ukuthi uyaphi. Niyabo? Yilokho-ke. Buka lapho oya khona. Hlala usemgqeni neZwi. Kulungile.

258 "Wasimisela ngaphambili manje ukuba sibe-ngabantwana." Manje niyakholwa ukuthi samiselwa ngaphambili na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, ngabe uJesu wamiselwa ngaphambili na? ["Amen."] WayeyiWundlu likaNkulunkulu, esevele ehlatshiwe ngaphambi kokuba kubekhona ukukhanya, ngaphambi kokuba kubekhona inkanyezi ehudayo, ngaphambi kokuba kubekhona imolekhuli, iathomu, noma yini.

WayeyiNdodana kaNkulunkulu, ehlatshiweyo. O, ubukhulu bukaNkulunkulu!

259 Manje-ke lobubuchopho obuncane obungamakinati obuvela komncane okhiqiziweyo, umshini wokuchamusela ongesiwo owemvelo yasemhlabeni ngapha, uzama ukwenza inkulumo-mpikiswano ngaLokho futhi uthi aKuqinisile. Amahloni lawo. Ungubani wena?

260 Ngisho nabanye babo bethi, "Akukho-sihogo." Futhi nihlezi phezu kwebhodwe laso nsuku zonke, ugqinsi olungamamayela ayizinkulungwane eziyisishiyagalombili, ngaphansi kwakho nje, lwentaba-mlilo; bese ubuka phezulu futhi weyise uNkulunkulu neZwi laKhe. Nxa weyisa iZwi, weyisa uNkulunkulu. Kunjalo.

261 O, he, Umukhulu kangaka, Nkosi! Sifanele ukubonga kakhulu! Kulungile.

262 Ngakho, amakholwa, eZwi noMoya, afanele abe-munye. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Amakholwa, iZwi noMoya, ngokoqobo kunye. Awenzi ukucabanga okungokwakho uqobo. Awusebenzisi umqondo wakho. Lokho kuyamangalisa na? ["Amen."] Umqondo owawukuKristu ukini. Niyabo? Umqondo ukuKristu, futhi niyathatha iZwi njengoba nje Enza, ngoba WayeyiZwi. Nomqondo kaKristu ukini, niyiZwi. NiyiZwi likaNkulunkulu eliphilayo, ningabaMmele, lapha emhlabeni, kunjalo, niqhuba umsebenzi. IBandla lifanele libe ngaleyondlela. Futhi uma kunjalo, iBhayibheli liyabonakaliswa futhi njengasezinsukwini zasekuqaleni zabafundi. Njengomfundi nje, iBhayibheli liyaphila futhi, kini.

263 Manje ake sibone. Ngifanele ngizame ukufinyelela okungenani, cishe emakhasini ayishumi nanhlanu lapha, ngokushesha impela. Ngiyakuzonda nje ukwenza lokho. Kodwa nje ngizodingeka ngigijime phezu kwakho. Isizathu, uma ngingakwenzi, khona-ke ngizokwenza kulentambama . . . Nginomhlangano kusasa, futhi ngi—ngifanele ngisheshise manje. Kulungile. Manje sizozama ukukwenza kusheshe kancane nje, uma singahle sikuthi hlephu. Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile.

264 Futhi uma kunjalo, iBhayibheli liyabonakaliswa futhi njengasezinsukwini zasekuqaleni zikaKristu. Niyabo? Isizathu, niyiMbewu eyamiselwa ngaphambili njengoba wayenjalo nje uKristu. Futhi uma iMvula yehlela phezu kweMbewu, ukuPhila kuziveza Khona, uma uMoya oNgcwele wehla.

265 Lapho Wehlela phezu kwalezo iMbewu e . . . UJesu wathi wabakhetha (nini na?) ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngakho-ke babeyiMbewu eyamiselwa ngaphambili. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bese, lapha bayazithethisa, ekamelweni eliphezulu, leziziMbewu, iZwi. NeZwi lalilele phezu kwalapho, lingenakuPhila kuLo. "Ngokungazelelwe kwavela eZulwini inhlokomo lapho aManzi eqala ukuphophozela phansi,

futhi eqinisweni agcwalisa indlu yonke lapho ababehlezi khona." NeziMbewu zaqala ukumila. Iqala ukuZibonakalisa, iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa. Kulungile.

Kungani pho imililo yezimvuselelo inciphile na?

266 Manje, nginemiBhalo cishe eyishumi lapha, uma beningakuqaphela nje lapha, obekufanele ngikusho. Kodwa ngizokweqa inqwaba yakho, futhi ukuze nje nithole umfanekiso wakho. Kulungile.

267 Kungani pho imililo yezimvuselelo inciphile na? Manje ngizowabiza amagama. Ngeke ngikwenze emva kwalokhu ngaphandle uma uNkulunkulu engitshela ukuba ngikwenze. Kodwa ngizowabiza amagama. Ngifanele ngisho izinto engingafuni ukuzisho, kodwa, ukuze ngicacise lokhu.

268 Seningabona manje lapho engifinyelela khona, isizathu sokuba ngenze lokhu engikwenzileyo. Ngikholwa ukuthi *Leli* yiZwi. Futhi ngikholwa ukuthi uKristu uneBandla, neBandla liyinsimu. Sizofika kukho, emva kwesikhashana. Futhi ufanele ufake iZwi ensimini ngaphambi kokuba uMoya ukwazi ukwenza noma yini. Niyabo?

269 Kungani pho imililo yezimvuselelo inciphile na? Anisezwa kakhulu kungako ngoBilly Graham, njengabavangeli abakhulu. UOral Roberts, engalishisi izwe njengoba wayevamise ukwenza. Imihlangano yami akusezwakali ngisho ngayo. Nampo abathathu. Yin'indaba na?

270 Manje sizothola ukufundisa okujule ngempela. Niyabo? Ngizodingeka ngikusebenzise nje manje. Futhi uma leteyipu ingenzeka iwele ezandleni zikaBilly Graham, uOral Roberts, ngifuna nazi, bazalwane bami, ukuthi anginibukeli phansi. Ngithatha mina uqobo, uma niqaphela, phakathi lapho, njengomfowenu wakini eVangelini. Futhi ngicabanga ukuthi, emva kwalokhu, nizoba nokuqonda okungcono, bazalwane, kokuthi kungani ngenze lokhu engikwenzileyo. Futhi ngiyethemba ukuthi ngifumana umusa emehlweni kaNkulunkulu, naphambi kwenu, ngokuba qotho nokuba neqiniso ukunitshela ukuthi kungasizathu sini.

271 Manje, uBilly Graham, izwe belisha lapha esikhathini esingeside esedlule ngoBilly Graham. Akusavamile impela ukuzwa ngakho manje. Usahamba, kodwa yin'indaba na? UOral Roberts, ngani, nje eshisa umhlaba bhe; uyalotha. UTommy Osborn. Bonke bahle, amadoda amesabayo uNkulunkulu. Kwenzenjani na? Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu wangibizela inkonzo, kwenzekeni kweyami na? Manje lapha kuzophendula eminye imibuzo. Niyabo? Kwenzenjani na?

272 Wena uthi, "Mfowethu Branham, eyakho ife fi ukwedlula zonke." Lelo, lelo yiqiniso. Kunjalo.

273 UBilly Graham uzwiwa kakhulu kunami, noBilly uzwiwa kakhulu kuno Oral. UOral uzwiwa kakhulu, ngosuku olulodwa, kunami ezinyangeni eziyisithupha. UTommy Osborn, uTommy Hicks, noma yiyiphi yalawomadoda amesabayo uNkulunkulu, ezwiwa kakhulu. Ngakho, mayelana nalelothuba, eyami iqhele kakhulu kuneyawo onke. Kwenzenjani na?

274 "Mfowethu Branham, usho lokho, ukuthi usitshela lapha manje ukuthi ngempela uyalikholwa iZwi nakho konke, awu, kwenzenjani kuwe pho? Kwenzekeni na?" Yilokho esifuna ukukwazi. Yilokho esifuna ukukwazi.

275 Manje, ifakeni phansi engqondweni yenu manje. Valani isambulela bese nithintithe imvula, bese nivula inhliziyo yenu umzuzu nje futhi nilalele.

276 Khumbulani, iBhayibheli lasho kuGenesisi, isahluko 1 esisifundile, ukwesekela umcabango wethu wosuku, kungukuthi, "Yonke imbewu ngenhlobo yayo." Iyofanele iveze inhlobo yabo. Kunjalo. Yonke imbewu iyodingeka iveze. Khumbulani, umhlaba ugcwele izimbewu, nemvula iyenza iveze inhlobo yayo.

277 Ngikholwa ukuthi sekuseduze kwesikhathi sokuvuna. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nonke niyavumelana nalokho. ["Amen."] Sesiseduze kwesikhathi sokuvuna. Manje, izimbewu isitshaliwe. Yileyo indaba ngakho. Izimbewu isitshaliwe. O!

O Nkulunkulu! Ngifisa sengathi beningakubona okwedlule phambi kwami ngalesosikhathi.

278 Izimbewu isitshaliwe. Khumbulani, kukhona isikhathi sokutshala, bese kuba yisikhathi sokuvuna. Bayazi ukuthi basho njalo. Kulungile.

279 Manje, kubekhona izinhlobo ezintathu zezimbewu ezitshaliwe. Eyehlelo, uBilly Graham, wayengumtshali oyinhloko. UOral Roberts, eyamaPentecostal. Imbewu yamaPentecostal itshaliwe; ngikhuluma ngenhlangano manje. Futhi, manje-ke, iZwi litshaliwe. Manje nizofanele niqonde, bafo. Angisakusho lokhu ngaphandle uma ngitshelwa nguNkulunkulu. Ngifuna lokhu nikuthole kahle nangokucacile. Izimbewu ezintathu itshaliwe.

280 Yingalesosizathu, ukutshala, sekuthi akuphele. Niyabo? Sekuphele konke. IZimbewu zifanele zitshalwe ngaphambi kokuba kune iMvula. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kumbe, kungenjalo, uMoya. Manje anizukuvuma lapho, kodwa manini umzuzu nje. Niyabo? Izimbewu zifanele zitshalwe; bese-ke kuna iMvula, ukunisela iMbewu. Kunjalo na? ["Amen."] Manje ngifuna . . .

281 Ukhona umuntu phakathi lapha osiqondayo isiHeberu, owaziyo amagama esiHeberu na? Kulungile. Libheke uma ufuna.

282 Manje, sizwa kakhulu, nezinhlangano eziningi kakhulu nakho konke okunye kukhuluma ngokuthi, “Sisemvuleni yamuva.” Umbhedo. Ayikho into enjalo manje.

283 O, kukhona into eyenzekayo. Ngiyayibona nje yedlula phambi kwami. Isivele iwubambile uMoya. Niyabo? Amen. Ngiyazi leli yiQiniso. Ngu ISHO KANJE INKOSI. Ngombono, niyabo, nje kuyanyakaza, kuyeza. Kulukhuluni ukubuka phansi lapha. Niyabo? Njalo uma ngibuka, ngiyakubona nje kwenyuka phambi kwami, *kanjalo*, futhi kucazeka; futhi kuya *ngapha*, futhi kubuka *ngapha*. Bengizama ukubhekisisa abanye abafo abahlezi bezungeze phansi lapha. Ukubuka le, futhi konke lapho engibuka khona, kubukeka sengathi kulapho. Niyabo? Kulungile.

284 Asibuyele emuva futhi sikuzame futhi manje, ngiqinisike ukuthi nginakho phakathi lapho. Angazi ngempela ukuthi kwenzekeni ngakulowomgqa. Ngiyabuka.

285 Ngikholwa ukuthi sekuseduze kwesikhathi sokuvuna. Izimbewu zitshaliwe, imbewu yehlelo yamabandla, njengama Evangelical, njengeBaptisti, nePresbyterian, neLuthela. Nezimbewu zamaPentecostal itshalwe enhlanganweni yamaPentecostal, ngamadoda adumileyo njengo-Oral Roberts, uTommy Hicks, noTommy Osborn, amadoda adumile kaNkulunkulu. Niyabo? Futhi ngikholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu litshaliwe, elimsulwa, eliqhelile kunoma yiziphi kulezozinhlangano. Yileyo indaba. Niyabo? IMbewu ifanele ibe . . .

286 Isithombo seMbewu sifanele sibe naManzi eMbewu ngaphambi kokuba Imile. Ifanele ibe naManzi, azokuna, ngaphambi kokuba iMbewu etshaliwe ikwazi ukumila.

287 Manje, “Awu,” wena uthi, “Mfowethu Branham, bekukhona eyethu . . .” Ngiyazi. Kunjalo. Ngibamba umcabango wakho manje, niyabo. Ngeke nje uwufihle manje, Hhe-e. Kulungile. Ngakho, kuqapheleni enikucabangayo.

288 Manje, iMbewu ifanele itshalwe. Bese kuthi-ke Ifanele ibe naManzi, ukuze imile.

289 Manje, wena uthi, “Awu, Mfowethu Branham . . .” Ngizozwakalisa umcabango wakho lapho. “Sibenawo aManzi.” Ngakho makube-njalo. Lokho kuqinisile. Nibe nawo aManzi.

290 Sewake walitshala iklabishi kumbe noma yini, noma izimbewu, kumbe enye into ethize enjangalokhe na? Ngokuvamisile, abanamanzi lapho, thela amanzi amancane nje phezu kwazo. Niyabo? Kulungile.

291 Kodwa, manje, lindani. Sasinani ngalesosikhathi sokutshala na? Imvula yokuqala.

"O," wena uthi, "Mfowethu Branham, umbhedo!"

292 Manje linda umzuzu nje. Thatha igama "yokuqala," kuJoweli 2, futhi libukeni, futhi nibone ukuthi igama lesiHeberu... Yanini kwisiHeberu, futhi nibone ukuthi alinjalo yini. Uma nifuna ukulibhala phansi, m-o-u-r-e-h, *moureh*, futhi nithole igama lesiHeberu, ukuhunyushwa, nibone ukuthi kuchaza ukuthini ukuthi *moureh*. Ukufundisa, i "mvula" yokufundisa iphumile.

293 Imvula yokufundisa kwehlelo iphumile, "Esinye futhi isigidi ngo '44," AmaBaptisti. *US'bani-bani, us'bani-bani*, amalunga ebandleni. UOral Roberts nalabobafowethu nomnyakazo wamaPentecostal, ezokuphathwa komnotho...umnyakazo omkhulu wamaPentecostal, aqhubeka enyukela ezigidini. Niyabo? Kunjalo. NeMbewu iphumile, iZwi, elincane ngesibalo, iqembu.

294 Manje bhekisisani. Manje khumbulani, igama m-o-u-r-e-h, *moureh* lichaza ukufundisa, i "mvula yokuqala." Kuthi i *moureh*, "imvula," imvula yokufundisa. Imvula yokufundisa iphumile. UBilly Graham ushaye izwe; amaPentecostal ashaye izwe; neZwi lishaye izwe.

295 Manje, yin'indaba manje na? Manje selilinde "imvula yamuva." Yilapho liveza khona izithelo zalo. O! Mm! Ngiyethemba niyakuthola. Manje-ke inhlobo yembewu oyitshalile ensimini yakho izoba wuhlobo lokudla okusanhlamvu ozokuvuna. Uma amahlelo lifuna amanye amalunga amaningi, yilokho azokuthola; yilokho akutholile. AmaPentecostal ifuna amanye amaningi amaPentecostal; yilokho azokuthola. Kunjalo. Kodwa iZwi lizoveza amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Ehhe. Ehhe. Kunjalo. Lokho kuyeza, futhi. Bhekisisani. Bukani leyomvula yamuva enkulu okufanele kwenziwe, ukuthi bayogijima kanjani phezu kodonga, bagxumele ngale, nokuthi bayoba kanjani yimpi ezayo. Lindani umzuzu nje. Ehhe. Uhlobo lokudla okusanhlamvu oyoluthola, luwuhlobo lwembewu olufaka ensimini yakho. Kulungile.

296 Izinhlobo ezimbili zamahlelo, niyaqonda, izinhlobo ezimbili zamahlelo ziyohlangana ndawonye, ukuba ziye eSodoma.

297 Kodwa iZwi liyohlala nabaKhethiweyo, iMbewu yobuKhosi. Amen. Niyabo? UJesu wathi, "Njengasemihleni yaseSodoma, kuyakuba-njalo ukuFika kweNdodana yomuntu."

298 IziNgelosi ezimbili zehla, abafundisi ababili abagcotshiweyo behlela eSodoma, ukuzama ukukhipha umuntu owayesehlubukile, wayenenhlasana eyodwa kaNkulunkulu ngaye. Nomkakhe, umlobokazi wakhe, niyazi ukuthi kwenzekani kuye; waphenduka ihlazo. Futhi bukani amadodakazi akhe; futhi bukani ukuthi kwachamusela

kwaba yini emva kokuba esephumile. Wayewunwele njalo ekhekheni ibheskidi. Niyazi ukuthi lokho kunjalo. Ngiyaxolisa ngalesosaga; kodwa, niyazi, into ehlanzisayo. Ngakho lokho yi. . . Kwakuhlala kunjalo. Siyakwazi lokho. Manje, ungeke uliphike iZwi likaNkulunkulu.

299 Kodwa kwakukhona eYodwa eyahlala noAbrahama, eyanikeza isibonakaliso. Yebo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. Kulungile. EYodwa yasala.

300 Wabizwa ngokuthini uAbrahama neqembu lakhe na? IMbewu ekhethiweyo engazange yehle. Babeyizihambi. Babegogobala *lapha*, babegogobala *laphaya*; babegogobala *lapha*, babegogobala *laphaya*; bengakhethi-hlelo.

301 Kodwa ihlelo lehla futhi wazenzela umuzi. NoLoti waba-ngumpristi, noma umbhishobhi, noma i. . . niyazi, noma yini ayeyiyo lapho, indoda enkulu, wahlala e—wahlala emzini futhi wenza ukwehlulela, ubani othini, (umbhishobhi, igosa lombuso), "Qhabo, ngeke sibe nalowomfo phakathi kwethu. Qhabo, mnumzane. Uphikisana nesayense yethu yezenkolo. Ngeke saba-nakho." Nango uLoti omdala. Nango ehlezi. "Uma engaziphethe izincwadi ezimchazayo ezivela eqenjini lethu, ngeke sibe-naye, nhlobo" Ubani okwenze umahluleli phezu kweNdlu kaNkulunkulu, wena bhastela na? Ehhe. Hhe! IZwi likaNkulunkulu lizoshunyayelwa, noma kanjani.

302 UMartin oNgcwele waya eqenjini elinjalo, nalowomfo wayengami ngisho ukuma, ukumhlonipha, emva kokuba esephule amasango. UNkulunkulu waze washisa ngisho ingubo eyayikuye, ingemuva lakhe, wamenza ukuba asukume futhi ashaye isaluthe kulowomprofethi kaNkulunkulu owangena emzini. Ehhe. Kunjalo. Isihlalo sakhe savutha umlilo, lapho ababehlezi khona esihlalweni sobukhosi ayehlezi kuso. Kunjalo. Niwufundile umlando webandla. Yebo, mnumzane. Wehlela lapho eneZwi leqiniso, wenza izimangaliso nezibonakaliso; futhi wafakazisa, eZwini, ukuthi wayenguye. Babenobubhishobhi babo, futhi babenalokho ababekufuna, futhi yilokho nje ababekufuna. Kodwa uNkulunkulu uzoqinisela ukuthi. . . Ngahle ukuthi kwakukade kunabanye abantwana abakhethiweyo phakathi lapho, futhi kwakufanele ahambe abalande. Kunjalo.

303 Ngakho, khumbulani, kwakuyini na? Manje asime lapha umzuzu nje. ULoti wake waba nokukhetha ukuba abe ngongakhethi-hlelo, qobo lwakhe. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wake waba nokukhetha ukuba ahambe noAbrahama, kodwa uthando lwezwe lwamklinya lwamkhipha. Yilokho elikwenzile namhlanje.

304 Futhi, khumbulani, labo abasezansi eSodoma abazange babone nesisodwa salezozimangaliso ezingaphezu kwemvelo. Babenokuphuphuthekisa. Futhi ukushumayela iZwi

kuphuphuthekisa amehlo ongakholwayo. Yilokho okwenziwe nguBilly Graham nabanye, baphuphuthekisa amehlo alabo abangakholwa phandle lapho. Kunjalo.

305 Manje ngeke niphike ukuthi uJesu wathi, "Njengasemihleni yaseSodoma, kuyakuba-njalo nasekuFikeni." Nakhu, eBhayibhelini. Niyabo? Kuyoba yinto efanayo ekuFikeni kweNdodana yomuntu.

306 Manje bhekisisani. Kodwa kwakukhona oYedwa okwabe kuyiZwi. WayeyiZwi, futhi Wahlalaphi na? Nothenjisiweyo, okhethiweyo. IZwi lahlala nokhethiweyo. NeZwi likaNkulunkulu, namhlanje, lizohlala nokhethiweyo Yedwa, iMbewu yobuKhosi ka-Abrahama, ngesithembiso.

307 Hlobo luni lwemisebenzi Eyayenzayo na? Ngenkathi ibonakaliswa cishe eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili eyedlula kamuva, ngesimo sikaJesu Kristu, Yenze imisebenzi efanayo naleyo leyo eYodwa eyenzayo lapho, iZwi elayenzayo, esangweni ethendeni lika-Abrahama. Ihlezi Ifulathele ithende, yatshela uAbrahama ukuthi igama lakhe lalingu Abrahama; hhayi uAbrama, lokho okwakukade kuyikho njalo, ukuthi ubani igama lakhe. Kodwa igama lakhe kwakunguAbrahama, ngoba uNkulunkulu wahlangana naye ezinsukwini ezimbalwa phambi kwalokho, wamtshela ukuthi igama lakhe lalinguAbrahama. Wathi, "Uphi umkakho," hhayi uS-a-r-ayi. US-a-r-a, "Uphi umkakho, uSara?" Sengathi Wayengazi.

Wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

308 Wathi, "Ngizokuvakashela." "Ngi," isabizwana somuntu, "Ngizokuvakashela, ngokwesikhathi sokuphila," o, "futhi uzoba naleyongane obuyilindile."

309 Imvula yamuva ilungela ukuna. Seniyibambe isikhathi eside ngokwenele leyoMbewu phakathi lapho manje, ekukholweni. Futhi nibheke iNdodana ezayo, futhi Iyeza. Amen. Lelo yiBandla langempela namhlanje, niyabo, leyoMbewu ekhethiweyo. "BeniYifuna, futhi NgizoYithumela kini." Amen. Yini eyasho lokho na? IZwi.

"O," uthi, "lelo kwakuyiZwi?" Angizwa.

310 UAbrahama waMbiza ngo, "Elohim," Lowo nguSomandla, Oziphilela yena, WayeyiZwi, uElohim.

311 Weza kuphi na? IMbewu ka-Abrahama. Manje, khumbulani, Wayengahlangene ngalutho nalawomahlelo. Wahlala noKhethiweyo ngqo, futhi washumayela, kunjalo, futhi wakhombisa isibonakaliso. NoJesu wathi . . . Manje ake nilinde nje kancanyana.

312 Kwase kuthi-ke, uSara, ngaphakathi kuye! Bhekisisani lokho konakala, niyabo. Manje, eqinisweni, ukungakukholwa Lokho, uNkulunkulu wayeyombulala khona lapho. Niyakwazi

lokho na? Futhi uyaphuma futhi uyaphika. UAbrahama... Wahlekela emkhonweni, wakhe, ngamany'amazwi, ngaphakathi kuye. Manje, akazange, mhlawumbe, ngisho athi ukumamatheka. Kodwa, phansi enhliziyweni yakhe, wa—wa—wathi nje ukuhleka kancanyana. "Mina, isalukazi, iminyaka eyikhulu ubudala; iminyaka engamashumi amahlanu selokhu ngavaleka ukuya esikhathini, isikhathi sokuphila. Ngihlale naye yonke leyominyaka! Awu, asikaze sihlale njengendoda nomfazi, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, mhlawumbe amashumi amathathu. Niyabo? Futhi uchaza ukuthi ngizoba nenjabulo nenkosi yami, uAbrahama na?" Indoda yakhe!

313 Yilolohlobo lwabafazi ebenifanele nonke nibe yilo, nifanele. UPawulu washo into efanayo. Ithande kangako indoda yakho. Hhayi ukubhastela into ethize enjalo phandle lapha. Niyabo? Khumbulani, imicabango yakho...Sizofika kulokho, kulentambama, i "sizalo, umcabango." Ngakho manje...Kodwa, kulokho, wayemthanda uAbrahama kakhulu ngangokuthi wayembiza ngenkosi yakhe.

314 "Inkosi yami igugile, futhi, nami ngigugile nami ngibe nenjabulo nayo na?" Futhi wa...[UMfowethu Branham ulingisela ukuhleka-buthule kuka Sara—Umhl.]

315 NeNgelosi yamkhombisa uAbrahama ukuthi YayinguBani, ukuthi YayiyiZwi. Yathi, "Uhlekeleni uSara na?"

Ngakho wambiza, wayesethi, "Angizange."

Yathi, "Kodwa uhlekile."

316 Ini? Lowo ngumusa. Niyabo? Khona lapho, uNkulunkulu wayeyombulala khona lapho, kodwa Akazange. O! Niyabubona ubuthutha bethu na? Ube ngasibulala sonke, kodwa Angeke. Ukuba abulale uSara, Wayefanele athathe uAbrahama, ngoba uSara wayeyingxenye ka-Abrahama. Babemunye, ebunyeni. Nokuthatha iBandla futhi aLibhubhise, Akakwazi ukukwenza, ngoba Liyingxenye yaKhe uqobo, uKristu; ingxenye yaKhe uqobo, iZwi lalikade lenziwe inyama. O! Umusa omangalisayo, umsindo omnandi kangaka! Wayengeke akwenze. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Akakwazanga ukumbulala. Akakwazanga ukuthatha ukuphila kwakhe, ngoba wayeyingxenye ka-Abrahama. Niyabo? Wayeyinyama yenyama yakhe, nethambo lethambo lakhe.

317 Emaphutheni ethu, ungasho ukuthi, "Awu, nge—ngehlulekile." Qhabo, lokho akuwenzi...UAbrahama wehluleka, naye. Niyabo?

318 Kodwa Akalithathanga iBandla. Angeke ambulala oKhethiweyo, Angeke akuthatha ukuphila kwakho, ngoba wena uyingxenye yaKhe uqobo. UyiZwi. IZwi liphakathi kuwe. Lizibonakalisa Lona uqobo, Lizifakazela lona uqobo; uthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela. Onke amaZwi kaNkulunkulu, ukholwa ukuthi Onke ayesebenza,

noNkulunkulu esebenza ngawe. Uyabo? Uyingxenye yeZwi, elinguKristu. Futhi sifundiswa ukuthi UyiZwi. "Futhi siyinyama yenyama yaKhe, nethambo lethambo laKhe." Nakho lapho okhona.

Manje sehlela kwenye into.

319 *Moureh, moureh*, imvula, imvula "yokuqala", imvula yokutshala iphumile. Manje kwenzekani na? Imvula yokuqala yayitshalwa; imvula yamuva yehla. Kwenzekani na? ISodoma nabaseSodoma balo basha; uAbrahama wemukela indodana ethenjisiweyo. UJesu wathi, "Yekani kukhule kanyekanye. Ukhula luyoboshwa, lwenziwe inyanda, bese luyashiswa. I gar-. . . Ukolo uyoya enqolobaneni." Niyabo? Imvula yamuva isiseduze nje. Sizothola . . .

320 Angifuni ukulinda isikhathi eside kakhulu kulokho, ngoba nginento enhle ngempela emuva lapha kulokho, ngiyazi. Niyabo?

321 Amahlelo amabili azohlangana, iPentecostal nalawa elinye, futhi azohlangana. Kodwa i—iZwi liyohlala neMbewu ka-Abrahama ethenjisiwe, njengoba Yenza ngaleyonkathi. UJesu wathi, "Njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi . . ." Ninazo izindlebe zokuzwa, amehlo okubona, ukuqonda ongaqonda ngakho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UJesu wathi, "Njengoba kwakunjalo, akulotshiwe yini . . ." Wayengasho yini, ukuba Wayemi lapha kulokhu ukusa, wayengeke—wayengeke yini Asho lokhu, "Akulotshiwe yini, ukuthi, njengasezinsukwini zaseSodoma, kuyakuba-njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu na"? ["Amen."] Anikuboni ukuvuna okubili kuqubuka lapha, bemukela isihlambi sabo sokugcina na? Bahambisane kanjalo beza kulesosihlambi sokugcina. Niyabo? Kwenzekani-ke? IziNgelosi neNkosi banyamalala. Yase yenzeka-ke imvula. Kulungile.

322 Manje bhekisisani ngempela manje. Manje, ngikholwa ukuthi bengikuloludaba, yebo, emvuleni, ne lat-. . . okwemvula yamuva. Zonke izibonakaliso zikhomba ekupheleni manje. Wonke umuntu, okholwa yiZwi likaNkulunkulu, uyakwazi lokho. Ngisho . . .

323 Ake ngime kwenye khona lapha. Ngizolibiza igama. Angiqondile ukuba luhlaza, kodwa ngino . . . Ngi . . . Ngitshele uNkulunkulu ukuthi a—a—angizukuncenga, ngizoza lapha ngqo futhi nje ngizwakalise impela lokhu akade ngikwazi empilweni yami yonke, bese-ke kuba-khona izinto ezithile ngapha ekugcineni engizodingeka ukuba ngizibambe, ngiyazi, kodwa ngi—ngi—ngizozwakalisa kini, inqobo nje uma Engivumela ngikwenze. Kuqala, ngi . . .

324 UNkk. Wood uyazi ukuthi emva kokuba sengithole lokhu, namanye amaningi amakhasi ngaphandle kwalokhu, uMoya oNgcwele wathi, "Ungakwenzi lokho." Ngabe ngikubizile,

Nkk. Wood, futhi ngathi, "Ungitshele ukuba ngingakwenzi lokho"? Ngakho ngibuyele emva ngakhuleka. Futhi ngalobo busuku Ufika kimi embonweni, wathi, "Hamba wenze *lokhu*. Thatha Lokhu uKubeke lapho, ngoba ngeke bakuqonde *Lokhu*. Akukabi yisikhathi sa*Lokhu* okwamanje. Beka *Lokhu* lapha." Futhi ngakwenza. Kunjalo. Niyabo? "Kungcono ukulalela kunomhlatshelo." Niyabo? Kulungile. Ukulalela!

325 Manje, manje bukani. Si. . .Ukunikhombisa ukuthi sisesikhathini sokuphela, ngisho no un-. . .Umfanekiso wentombi ehlakaniphile nentombi—ntombi engahlakaniphile unathi. Manje, bukani. Intombi—intombi engahlakaniphile. . . Ngiyaxolisa. Intombi engahlakaniphile izoba yibhastela. Niyabo? YayineMbewu, ingenamaFutha, umswakamo ukuYenza imile. Manje, futhi yenzani na? A—amaqembu amabili, iqembu lamaPentecostal nelamahlelo ezwe (amaqembu evangeli), liphume lahlangana ndawonye. Niyabo? Ekwenzelani na? Eya eSodoma, niyabo, niyabo, manje qaphelani, ukuvuna lesisivuno. Qaphelani intombi—intombi engahlakaniphile.

326 Nikuqaphelile lokho, ngisho nomunye wabangane bami abakhulu, isifundiswa uqobo, indoda ehlakaniphile, ekhaliphile, eqhamile, indoda eyiPentecostal? Futhi ngiqaphela abazalwane bami koSomaBhizinisi abangama Kristu umemeza izindumiso zikaNkulunkulu, ngoba, phakathi lapho, banabashumayeli baseSheshi, abapristi bamaKatolika. Angazi noma lawomadoda azunywe ubuthongo yini. Niyaqonda na? Athi, "O, yinto enkulu kunazo zonke osewake wazizwa, Mfowethu Branham. Ngani, lababantu baseSheshi beza ngapha futhi bathi banoMoya oNgcwele. Bakhuluma ngezilimi. Benza lezizinto. Udumo kuNkulunkulu! Ngiyakutshela, ba—ba—ba nje. . .Ngani, ibandla labo livelelwe umbhedukazwe." O, he!

327 Bazalwane, anazi ukuthi lokho kuyini na? Yisibonakaliso. Nxa intombi ehlakaniphile ifuna amaFutha. . .Noma, intombi engahlakaniphile, njalo, ifuna amaFutha, futhi, ngenkathi isaWathenga, kungalesosikhathi uMyeni afika ngaso. O, nina maPentecostal, yin'indaba? Awu, ngeke nakubona ngaphandle uma uNkulunkulu enikhombisa khona, yileyonto eyodwa eqinisekile. Uma—uma wawungazalwanga emuva ngaleya, wukumiselwa ngaphambili, uzokugeja. "Zibusisiwe izindlebe ezizwayo." Zibusisiwe izinhliziyo ezingaqonda, ngokuba isikhathi sesiseduze. Zonke izibonakaliso zikhomba kuso. Niyabo?

328 Bukani ukuthi nhloboni yezimvuselelo abanazo. Imvuselelo enkulu, ababenayo. Ibukeka iyinhle, ayinjalo na?

329 Wena uthi, "Mfowethu Branham, manje ususibambe esithweni." Yilapho ebenginifuna khona.

"Nizokwazi kanjani ukuthi yikuphi okulungile nokungalungile na?"

330 Kunike isivivinyo seZwi. Yileyondlela yokusho ukuthi kulungile noma akulungile. Lokho ngukuthi, nje—nje kunike isivivinyo seZwi, ubone ukuthi kuthini ngeZwi. Noma yimuphi umoya, ubone ukuthi uthini ngeZwi. Uma uphika iZwi, awusiwo okaNkulunkulu. Niyabo? Akunandaba ukuthi uyini, uma uphika iZwi, awusiwo okaNkulunkulu. Bukani, unike isivivinyo seZwi, bese ubona ukuthi kwenzekani.

331 UJesu wasexwayisa ngalezizinto. UMathewu isahluko 24 nevesi 35, ngifuna nje ukuthathela kulokho, ngenxa yamateyipu. Umzuzwana nje manje. Sisalelwe nje cishe ngeminye imizuzu engamashumi amabili bese siyaphuma, futhi—futhi ngineqiniso ukuthi asizukuthola ngisho nokukodwa kokuthathu kwendlela yokwedlula, kodwa ngifanele ngikufunde lokhu noma kanjani. Niyabo? UMathewu 24:35. Manje lalelisisani ngempela ukuthi uJesu wathini. Manje, kanjani lokhu . . . Ukuthi Wasitshela kanjani, ukuthi, "Imimoya emibili iyosondelana kakhulu, uyodukisa nabaKhethiweyo impela . . . " Niyakwazi lokho. Kungeke na? Manje, kuzoba yiqiniso na? Yebo, mnumzane. UMathewu 24:35 uthi:

> *Kodlula* amazulu *nomhlaba, kepha amazwi ami awasoze edlula.*

332 Niyabo? Manje u . . . Ukuthi imimoya emibili isondelane ndawonye, manje kuzofanele kube ngaleyondlela. Kuzofanele kube ngaleyondlela. I—ihlelo lamaPentecostal lizofanele liziphathe sengathi liyinto yangempela ngempela, njengento yangempela, waze washo uJesu ukuthi ngabaKhethiweyo kuphela abangeke badukiswe. Lokho kuyangibulala, cishe. Kodwa, bazalwane bami behlelo, aniboni yini ukuthi yingani—yingani ngenze engikwenzileyo na? Niyabo? "Kusondele kakhulu, ngangokuthi kuyodukisa abaKhethiweyo impela, uma kungenzeka."

333 Kodwa, kwabaKhethiweyo, lowo okhethelwe ekuPhileni okuPhakade. Manje, nikhuluma ngokushaya lokhu, sizokushaya emva kwesikhashana, sikushaye ngempela. Niyabo? I . . . Khumbulani, kungukuthi, oKhethiweyo yilona-hlobo kuphela oluzoLibamba.

"Awu," wena uthi, "wazi kanjani ukuthi awuqinisile na?"

334 Manje-ke ngihlole ngeZwi. Woza, hlola ihlelo lakho ngaleliZwi. Asibone ukuthi ubani oqinisile. "Vivinyani konke," iBhayibheli lasho.

335 Wena uthi, "Akwenzi-mehluko, bhaphathizwa nga*le*ndlela noma *leyo*." Kuyawenza umehluko. Yilokho uSathane akutshela uEva.

336 Umuntu owayesevele ebhaphathiziwe, eZenzweni 19. Indoda engumKristu olungileyo yabhaphathiza, futhi, uJohane umBhaphathizi. UPawulu wathi, "Namamukela yini uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?" Sathi . . .

Wathi, "Asazi nakuba kukhona uMoya oNgcwele."

337 Wathi, "Pho wabhaphathizwa kanjani na?" Ukuba nanikubambile, naniyokwazi. Niyabo? "Kodwa beningaba kanjani . . . Wa—wabhaphathizwa kanjani na?"

Wathi, "NgokukaJohane, indoda enkulu eyabhaphathiza uJesu."

338 UPawulu wathi, "Lokho akuzukusebenza manje. Isizathu, uJohane akazange neze abhaphathize, kuphela ekuphendukeni, hhayi ekuthethelelweni kwezono; uMhlatshelo wawungakanikelwa." Futhi kwathi bekuzwa lokhu, baphinda babhaphathizwa, eGameni likaJesu Kristu.

Ukuba-ke uMose wathi . . .

UNkulunkulu wathi, "Khumula izichathulo zakho, Mose."

339 Wathi, "Uyazi, ngizibophe ngathi ukuziqinisa kancane kulokhu ukusa, Nkosi. Ngizokhombisa ezinkulu kakhulu izinhlonipho, ngizokhumula isigqoko sami na"? Lokho kwakungeke kusebenze. Akazange athi isigqoko. Wathi izicathulo.

340 Futhi lowo nguDeveli ozama ukuziba Lokho, njengoba enza ngomama uEva. IZwi lonke liyiQiniso, ngayo nje indlela uNkulunkulu aLilobe ngayo lapho. Yileyondlela Engikukholwa ngayo.

341 Manje, ungaqhubeka. Uma uthi, "Awu, sinalo iQiniso," awu, qhubeka-ke. Kulungile lokho. Uma uphuphutheke kanjalo, qhubeka nje, ubhadazela ebumnyameni. Leli yiZwi elizokwehlulela wena, mfowethu, hhayi isivumokholo sakho.

342 O, kubukeka kukuhle. Yebo, mnumzane, kubukeka kukuhle. Futhi wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, awulinde umzuzu. Akabusiswe uNkulunkulu, ngibabonile bephuma lapho futhi bephilisa abagulayo." O, impela, kanjalo nami. "O, ngibabonile bekhuluma ngezilimi." Yebo, mnumzane, kanjalo nami.

343 Angikaze ngikholwe, futhi akukho-muntu ongakufakazisa ngeZwi likaNkulunkulu, ukuthi ubufakazi bangempela obubonakalayo bokuba noMoya oNgcwele ngukukhuluma ngezilimi. Ngifuna umuntu afike akwenze. Senginesikhathi eside lokho ngikuphosela inselelo. Ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi. Yebo, mnumzane. Kodwa ngibabonile odeveli bekhuluma ngezilimi. Abathakathikazi nabathakathi bekhuluma ngezilimi, futhi bekuhumusha, bephika ukuthi yake yabakhona into okuthiwa nguJesu Kristu. Ngiwabonile amadoda ekhuluma ngezilimi, ehlala nomkamuntu; isukume, ingibheke ebusweni ngqo, umbono phambi kwayo; ngayibiza ngayikhiphela eceleni, futhi ngayenza yaba ufakazi kukho. Futhi lokho ukubiza ngokuthi uMoya oNgcwele na? O, yebo.

344 Wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, awukholwa yini ukuthi uMoya oNgcwele ukukhuluma ngezilimi na?" Yebo, mnumzane. Kodwa kunike isivivinyo seZwi. Niyabo?

345 UJane noJambre basebenza izimangaliso. Kunjalo. Akakwenzanga na? Yebo, mnumzane. UJane naJambre, ngenkathi uMose ehlela eGibhithe, yonke into eyenziwe uMose ngendlela yesibonakaliso, uJane noJambre, labobathakathikazi ababili, babekwazi ukuveza into efanayo. Odeveli ababili! UMose wayethi, "Amazeze!" Bathi, "Amazeze!" UMose athi, "Induku emhlabathini!" Bathi, "Induku emhlabathini!" "Inyoka!" "Inyoka!" Kunjalo. Babekwazi ukusebenza izimangaliso.

346 IBhayibheli lasho, ukuthi, "Ngezinsuku zokugcina, ukuthi, odeveli bayovuka, besebenza izimangaliso, futhi badukise abantu." Kulukhuni kakhulu, mfowethu, kodwa ufanele ulazi iQiniso.

347 UJesu wathi, "Abaningi bayoza kiMi ngalolosuku futhi bathi, 'Nkosi, Nkosi, angikwenzanga yini *lokhu*, futhi ngenza *lokho*, futhi ngenza *lokho*, nokunjalo, ngeGama laKho na?'" Uzothi, "Sukani kiMi, wena-menzi wokubi." Yini ububi na? Into owaziyo ukuthi ayifanele, futhi wena uyenze, noma kanjani. Futhi uyazi wena ukuthi iZwi likaNkulunkulu liqinisele. Udlalelani ukuba ngumzenzisi na? Ngenxa yenhlangano yakho, futhi uthathe okuncanyana *lapha* futhi ungathathi konke okwaLo. Wena-menzi wokubi! Wathi, "Sukani kiMi. ANgizange ngisho nginazi." Manje, lokho yi . . . Uphakathi kokuthi ugxambuza udabula esihogweni lapha noma emva kwalokhu. Ngakho, niyabo? Manje, khumbulani, yiqiniso lelo. Yilokho uJesu akushoyo.

348 UJane noJambre bamelana noMose. Khumbulani. NeBhayibheli lathi, "Njengoba bamelana noMose, ngezinsuku zokugcina bayophinde baqhamuke, leyomimoya, futhi." Ini? Ngaphambi nje kwenkululeko yabantu. Haleluya! Isikhathi senkululeko sesilapha.

349 UJesu washo, kuMathewu 24, laphaya, ukuthi—ukuthi, "Bayodukisa nabaKhethiweyo, uma kwakunokwenzeka." NgabaKhethiweyo nje abayoLibamba, nje oyedwa *lapha* na*laphaya*. "NabaKhethiweyo, uma kungenzeka."

350 "NjengoJane noJambre bamelana noMose, ayoba-njalo nalamadoda anengqondo yokunganaki mayelana neZwi, mayelana neQiniso." NeZwi liyiQiniso. Kunjalo na? Manje, lolu akusilo utsege, mngane. Niyabo? Bukani. Ba . . .

351 IBhayibheli lathi, uJesu washo, ukuthi, "Bayosondelana kakhulu ngangokuthi bayoze badukise nabaKhethiweyo, uma kwakunokwenzeka."Kodwa akunakwenzeka. LeyoMbewu izowela lapho, ngoba Yamiselwa ngaphambili ukuba iwele

lapho. Izimbewu iphumile; amahlelo lihlwanyelile. IZwi lihlwanyelwe. Niyabo?

352 NoJane noJambre, bona, labobantu, iBhayibheli lathi labodeveli bayovuka ngezinsuku zokugcina futhi bayodukisa abantu, ngalezizimangaliso nezibonakaliso abangazenza. Uzowazi kanjani umehluko na? IZwi. I. . . Ngisho neTestamente eLidala lathi, "Uma bengakhulumi ngokomthetho nabaprofethi, akukho-kuPhila kubo," uma bephika into eyodwa.

353 Manje-ke ngikhombise umuntu oyedwa owake wabhaphathizwa, esebenzisa isiqu sika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele." Nikwenzelani pho? Isivumokholo, okubhatselwe, abantwana abafile, abantwana besihlahla, bafe kabili, basishulwe ngezimpande! "Futhi zonke izimpande lezi waMi . . . Zonke izitshalo uBaba waMi waseZulwini angazitshalanga, ziyosishulwa. Kokubili amazulu nomhlaba kodlula, kepha iZwi laMi alisoze ladlula," kwasho uJesu.

354 Manje niyabona ukuthi kungani ngime ngendlela engenze ngayo na? Ngikhombise indawo eyodwa, uma kungesiso isiqalekiso kowesifazane ukuba agunde izinwele zakhe. Nakho lapho okhona. Manje-ke niqophisana nami.

355 Bese bethi abantu, "UMfowethu Branham ungumprofethi. O, nimkholwe inqobo nje uma esakhuluma kubantu, ebatshela izono zabo, nezinto ezinjalo. Kodwa uma eseyofundisa, ningakukholwa Lokho." Awu, mzenzisi-ndini. Awazi lutho. Alisho yini iBhayibheli ukuthi, "IZwi leNkosi leza kubaprofethi"? Angizibizi ngomprofethi. Angisuye umprofethi; kodwa nisho njalo. Ngisho lokho enikushilo, bese niphenduka nisho into enjalo? Ningasho ukuthi anikwenzanga. Nginakho kuteyipiwe ngisho, lapho enikusho khona. Beningakwazi lokho, benikwazi na? Nje ngifuna ukuthi nithi anizange, kanye. Yilokho kuphela engifuna nikusho. Iphimbo lenu malibuyele kini lidlale.

356 "NjengoJane noJambre bamelana noMose." Abasebenzi bezimangaliso, kodwa lalikuphi iZwi, iZwi leqiniso na? Kwakukhona abafo ababesebenza izimangaliso. Kwakukhona abafo ababengenza yonke into ngasohleni lwezimangaliso aba . . .

357 Kodwa kwakukhona abaprofethi ababili abagcotshiweyo bemi lapho, noma umprofethi oyedwa nomsizi wakhe. Kwakukhona umprofethi ogcotshiweyo owayethiwa uMose, wama lapho, eno ISHO KANJE INKOSI. Ekupheleni, kwabonakaliswa konke, ngaphambi kokukhululwa. Kunjalo na? Ababizwa ngabasebenzi bezimangaliso bavele baphela.

358 Futhi abazama ukukwenza, bazama uku—ukukhiqiza imvula yamuva. Umbhedo. Ngani, imvula yamuva iyoshanela izwe, mfowethu. Kade kuyimvula yokuqala, kuhlwanyelwa amazwi. Kunjalo. Manje nizobona ukuthi imvula yamuva ivezani. Nizothola ukuthi kuzobakhona ukuzihlanganisa.

AmaPentecostal nawo onke amaqembu azohlangana, futhi azobavalela iminyango labo bafo abangeke bakulalele. Ungeke uvunyelwe ngisho ukuvula umlomo wakho. Kunjalo. Kungalenkathi-ke Ayofika ngayo. Kungaleyonkathi Azobonakala ngayo. Kungaleyonkathi enizobona ngayo imvula. O, he! Lalani nithule. Thulani. Ehhe. Kuyekeni kanjalo. O!

359 Kodwa iZwi lalinalowomprofethi ogcotshiwe, ngoba iZwi leNkosi leza kumprofethi. Manje, uNkulunkulu akayiguquli inqubo yaKhe. Qhabo, qhabo. Akazange ayiguqule inqubo yaKhe.

360 Manje, kwakuyini na? Nakho kumi abathathu futhi. Nakho kwakuhamba oJane noJambre, benza izimangaliso. Njengokwehla, eSodoma, benza isimangaliso esisodwa esincane, baphuphuthekisa abantu. Niyabo? Nakho kumi uAbrahama ogcotshiweyo, enoNkulunkulu, nomsizi wakhe uSara. Kunjalo na? Nakhu kumi uJane noJambre, benza izimangaliso, noma yini uMose ayekwazi ukuyenza esibonakalisweni sezimangaliso, izibonakaliso. Nakho kumi iZwi eligcotshiweyo, umprofethi, enomsizi wakhe, umlekeleli wakhe.

361 O, ngifisa sengathi bengingashumayela ngalokho manje, cishe amahle nje amahora amabili. Kulungile. KuGenesisi 1, khumbulani, "Yonke imbewu ngenhlobo yayo." Kufanele kube ngaleyondlela kuze kube-phakade. Nanso yonke leyomifanekiso.

362 Umuntu ozothi, akholwe, ukuthi iBandla liyokwedlula esikhathini sokuHlupheka, angazi ukuthi uyoke uyitholephi imbewu yalokho na? Kanti ngisho . . . "Awu," wena uthi, "Ngikholwa ukuthi Lisho *lokhu*, ukuthi bayokwenza." Kulungile lokho. Nike naqaphela emuva ngaleya lapho izimvu zehla khona kwesinye isikhathi na? Yehlela kuphi na? UNowa wayesemkhunjini ngaphambi kokuba kushaye ukwahlulelwa. ISodoma; uLoti wayephumile eSodoma ngaphambi kokuba kuze kwenzeke. Niyabo? Kuyikho impela. Si . . .

363 Asizukwedlula esikhathini sokuHlupheka. Niya ekuHlwithweni, ngolunye lwalezizinsuku. Impela. Yini esi . . . Kungani ufanele wehlulelwe na? Wamela ukuhlupheka kwami; uJesu Kristu. Kwenzeka lapho-ke ukuhlupheka kwami, khona lapho. Yebo. NgaMemukela, futhi ngikhululekile. "Nxa Ngibona iGazi, Ngodlula kini." Kunjalo. UMose wayephephile evikelwe ngokuphephile noIsrayeli, ngenkathi kwehla ukuhlupheka. Kunjalo. Kulungile.

364 Yonke imbewu ifanele ilandele inhlobo yayo. "UNkulunkulu wenza umuntu ngomfanekiso waKhe, ngenhlobo yaKhe," ukuba abe yiZwi laKhe emhlabeni. WaLizwakalisa kuJesu Kristu. Kwakuyini na? UNkulunkulu wayekuKristu. Lowo nguMuntu wenhlobo yaKhe. Niyabo? Lapho uNkulunkulu, okuyiZwi . . . Bangaki owaziyo ukuthi UyiZwi na? Ngenkathi

iZwi lalikuKristu, uMuntu, uMuntu oyisidalwa esingumuntu, Liziveza lona ngaYe, lowo kwakunguNkulunkulu, iZwi, kuKristu, Liziveza lona.

365 "Futhi uNkulunkulu, ekuqaleni, wenza umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo." Futhi yilolohlobo lomuntu uNkulunkulu alwenzayo namhlanje. Ikholiji nomshini wokuchamusela ukhiqiza isigejane samabhastela, niyabo, izikole. Kodwa uma uNkulunkulu ebiza umuntu, usemfanekisweni waKhe uQobo, iZwi lenziwa laphila kuye. Kunjalo. Nango-ke. Lowo ngumuntu kaNkulunkulu, umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo, ngokufana naYe impela. NoJesu washo, ukuthi, "Uyokwenza imisebenzi eNgiyenzayo."

366 Ngakho, "UNkulunkulu wenza umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo, ngenhlobo yaKhe." Inhlobo yaKhe! Yini inhlobo yaKhe na? IZwi. UyiZwi. Manje-ke uma umuntu ephika iZwi likaNkulunkulu, angaba kanjani semfanekisweni kaNkulunkulu na? Buza umbuso nje. Zibuze wena. Ungaba kanjani semfanekisweni kaNkulunkulu futhi uphike iZwi likaNkulunkulu, libe iZwi lingumfanekiso oveziweyo waKhe uqobo na?

"O," uthi yena, "Alisho Lokho."

367 Umfanekiso kaNkulunkulu oveziweyo uthi, "O, ngiLishilo, kodwa ngempela bengingaqonde Lona. Ngi—ngibenephutha lapho. Ngi—ngiyeseka. Lokho kwakungokwesinye isikhathi. Bengingaqonde Lona"? O, bakithi! Imfucumfucu, ibhaka lamanzi angcolile kaDeveli, alifunza uEva. Ungamvumeli azame ukukuhlohla entanyeni yabaKhethiweyo, nokho. Qhabo, mnumzane. Bangeke bakukholwe lokho. "Woza nje ujoyine igenge yethu." Ungajoyini lutho.

368 Ufanele uzalwe, hhayi ujoyiniswe; isidalwa esisha, yebo, ngomfanekiso waKhe uQobo, wenhlobo yaKhe, ukuba—ukuba yiZwi laKhe eliveziweyo emhlabeni. Manje, uJesu wayeyiZwi eliveziweyo likaNkulunkulu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—] Manje-ke sifanele sibe yini na? AmaDodana kaNkulunkulu, futhi, eneZwi eliveziweyo eBandleni, siqhubeka. Lowo nguMzimba kaKristu ofiphele, uqhuba imisebenzi efanayo uJesu ayenzayo ngenkathi Elapha emhlabeni. Niyabo? Yileyonhlobo yenhlobo yaKhe.

369 Manje, ungaba nenhlobo yeLuthela ngeLuthela, inhlobo yeMethodisti ngeMethodisti, inhlobo yeKatolika ngeKatolika, inhlobo yePentecostal ngenhlobo yayo, okaMunye ngeyakhe, okaZiqu zintathu ngeyakhe.

370 Kodwa uma uyinhlobo kaNkulunkulu, lokho kwehlukile, niyabo, ungumfanekiso oveziweyo weZwi Lizibonakalisa. O, he! Ngani, kufanele. Uma amanzi ehlela kuLo, Lifanele likwenze. Bese, bese limnika ukuZalwa, umfanekiso, futhi u. . . emva . . . kokuba uNkulunkulu esenze umuntu ngomfanekiso waKhe

uQobo. A—angicabangi nje ukuthi nginaso isikhathi salokhu okuvezwayo okulandelayo. Kungokuhle kakhulu. Kodwa a—angifuni . . . Onke amaZwi kaNkulunkulu mahle kakhulu, niyabo. Futhi bukani lapha lapho obekufanele ngibekhona, nge—ngesikhathi sedina. Sengicishe ngiqhele *kangako* nje kukho, cishe okwesithupha kwakho. Mm. Kulungile. Nginga . . . Asiyeke lapho nje. Uthini? Bese-ke si . . . Yebo. Bangaki abangabuya kulentambama? Phakamisa isandla sakho. Yebo. Yebo. Kuhle. Angifuni ukunihlalisa isikhathi eside kakhulu. Ngizo—ngizovele nje . . . Angifuni ukunikhandla. Futhi manje ngizo . . . Manje, nina bafana bamateyipu ayekeni nje amateyipu ehamba nje umzuzu, futhi ngizo—ngizokunqamula lokhu nje emzuzwini, qobo lwami. Kulungile, mnumzane. Manje si . . .

371 Umcabango wethu wokugcina lapha ubungukuthi, ukuthi uNkulunkulu wenza umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo, ngenhlobo yaKhe. UNkulunkulu wenza umuntu, ngenhlobo yaKhe. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Umuntu, ngenhlobo yaKhe. Awu, nhloboni yomuntu ayeyiyo na? Uma nizobheka emuva futhi nibone ukuthi Wayeyini ngenkathi Enziwa inyama, yileyonhlobo yomuntu Ayenzayo. Kunjalo na? ["Amen."] Umuntu, ngenhlobo yaKhe. Amen. Kunjalo. Akunjalo na? ["Amen."] Yilenhlobo yaKhe yomuntu.

372 Wathi, ngesinye isikhathi, kanye, kumuntu, "Ungowenhliziyo yaMi uQobo." Umuntu wenhliziyo yaKhe uQobo, uDavide. Niyakukhumbula lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UMoya kaNkulunkulu kuDavide. UDavide, inkosi elahliweyo. Njalo ogcotshiweyo uyalahlwa. UDavide, inkosi elahliweyo, wenyuka igquma lapho abantu bakhe uqobo . . . Ngizokushumayela lokhu kulemizuzu elandelayo emithathu. Lapho abantu baka Davide uqobo babefanele . . . Inhlobo yakhe uqobo yamehlisa esihlalweni sobukhosi, indodana yakhe uqobo, futhi yamxosha esihlalweni sobukhosi.

373 UDavide wehlela lapho, futhi ngisho nomunye wabo uphumela lapho emfela ngamathe, leyonkosi egcotshiweyo. Nalomfo omdadlana uyafika lapho, ekhubazekile emfundisweni yakhe. IBhayibheli lathi wayekhubazekile, niyazi. Futhi waqhubeka, efela ngamathe leyonkosi. Bhekisisani uKristu. Wamfela ngamathe; lesosithunywa ngasohlangothini lwakhe, (ingelosi, imele), yahosha inkemba, yathi, "Lihlale ikhanda laleyonja; ifela ngamathe leyonkosi na?" Ingelosi yathi, "Ngizoyishaya ife."

374 UDavide wathi, "Phakamisa inkemba yakho. Ngifanele ngikwenze lokhu." Wakhuphukela esiqongweni segquma, laseJerusalema, wabuka ngemuva phansi, inkosi elahliwe, futhi wakhala izinyembezi.

375 Eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili kusukela lapho, iNdodana kaDavide, uMoya owawukuDavide,

engxenyeni, wama egqumeni elifanayo; iNkosi elahliweyo, ekade ifelwa ngamathe kwahlekiswa ngayo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Sengathi ngiyabona uNkulunkulu wathi . . . IziNgelosi zihambisana naYo lapho, lapho Ikhuphukela eKalvari kanjalo. "Lizohlala kuyo ikhanda laleyonja na?"

"Iyekeni." O, he!

376 Kuza isikhathi. Kodwa kuthiwani ngo Davide uma esebuya na? Indaba yashintsha. UDavide uyafika egibele ngokunqoba. Lomfo uyabaleka, uyakhala ucela isihawu. Impela.

377 Bayekeni. Uyofika ngelinye ilanga, ngamandla. Kwase kuthi-ke bona, wayehleka, kuzoshintsha ngenye indlela. Kunjalo. Bayekeni nje.

378 Kodwa, uNkulunkulu wathi, "Davide, ungumuntu wenhliziyo yaMi uQobo." Ngenkathi uNkulunkulu edala umuntu, uyinhlobo yaKhe.

379 UDavide wathi, "IZwi laKho ngilifihle enhliziyweni yami, ukuba ngingoni kuWe, Nkosi." Into kuphela ayeyidinga kwakuyimvula. UDavide wayeyoba kahle ukuba nje wayenaleyomvula, kodwa uMoya oNgcwele wawungakanikezwa. WayeneZwi, neZwi lalikuye, futhi wayekwazi ukuLazi. Wathi, "NgiLifihle enhliziyweni yami, Nkosi. Ngeke liqhakaze futhi lenze njengoba Lifanele, kodwa ngiLifihle lapho, Nkosi. NgiLifihle lapho." Kodwa lapho sekufika uJesu, okwabe kuyiZwi elibonakalisiwe, wakhipha iMbewana yokuPhila kuLo, futhi uyibuyisela eZwini manje. Futhi uma indebe kaDavide yachichima, ifanele yenzenjani eyethu na? Impela. Ngaphandle kukaMoya . . . Amen. Akamangalisi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] NiyaMthanda na? ["Amen."]

Akamangalisi, mangalisi, mangalisi na?
UJesu iNkosi yami akamangalisi na?
Amehlo abonile, izindlebe zizwile, okuqoshwe
eZwini likaNkulunkulu;
UJesu iNkosi yami akamangalisi na?

380 Akanjalo na? Bangaki abaLithandayo na? Bangaki abaMthandayo na? O, he! Uyamangalisa!

381 Manje, kunesihluku, mngane. Kunesihluku ngempela. Angiqondile ukuba yilokho, qobo lwami. Yebo. Ngiyethemba niyakuqonda lokho. Niyabo? Kodwa namhlanje ngiveza ukuthi kungani ngenze izinto engizenzile.

382 Manje, ukuhlaziya okuncane nje, singakaphumeli i—ilantshi, yilokhu. Ngifuna nazi ukuthi ngi . . . Lokhu bekuyinjongo yami nempokophelo yami, yiZwi likaNkulunkulu. Injongo yami ngukuMthokozisa. Futhi angikwazi ukuthi ngingalalela noma yini futhi ngikholwa iZwi likaNkulunkulu, kanjalo ngeke ngalalela noma yini futhi ngithokozisa uNkulunkulu. Injongo

yami ngukwazi iZwi laKhe nokuthokozisa uNkulunkulu, ngokuMkhonza ngeZwi laKhe. Akusikho ukuthi kukhona engimelene nakho . . .

383 Manje, wonke umuntu ophakathi lapha ozalwe nguMoya kaNkulunkulu, oseqenjini eliKhethiweyo, wake waba mhlawumbe yiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal, noma ngenye into, ndawo ndawo. Manje, niyakwazi lokho. Niyakwazi lokho. Ngakho manje-ke, niyabo, uma uthi, "Phuma uye kubo," yilokho ofanele ukwenze. Ukhona umuntu othize phakathi lapho, uma uzohlwanyela iMbewu, kuzobakhona ukuvuna, ngolunye usuku. Izowela . . .

384 Enye yayo izobuyela emuva ithi, "A, akalutho kuphela u . . . Ungumdukisi." Abashongo yini into efanayo ngeNkosi yethu na? "Akukho lutho kuLokho." Awu, manje-ke, aniKuhloli ngani kanye nami na? "Akalutho kuphela umdukisi!" Niyabo? Manje-ke kuhloleni neZwi. Niyabo? Uma kungesilo iZwi, khona-ke kuyadukisa. Niyabo? Manje, uma isayense yakho yezenkolo yehlukile eZwini, khona-ke ayilungile. Niyabo?

385 Manje, abanye bazodlula futhi bathi, "Awu, niyazi ukuthini, ngikholwa ukuthi ngizoLizama okwesikhashana." Uzoklinyeka. Kunjalo. Niyabo?

386 Kodwa uma uthulula konke ngempela, uthi, "Nkosi Jesu, akungabe kusaba yimi, kodwa kube nguWe, kusukela kulokhu kuqhubeke." Niyabo? Khona-ke Izothela ngokuphindwe ngekhulu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] NgiyaLikholwa, nami, nge—ngenkululeko nobulungiswa babo bonke. Kunjalo. Yebo, mnumzane. Ngithembisa ubudlelwane bami eNkosini yami, niyabo, ukushumayela iZwi laYo nokuma eQinisweni laYo.

387 Uma kubiza impilo yami, ngizolokhu ngisaqhubeka ngokufanayo nje. Ngoba ngizo . . . Bekungaba yinto enkulu kimi, ngingafuni ukukwenza, kodwa uma bengifanele ngikwenze, kuzoxubanisa igazi lami kulomhlaba, njengalabo abaxubanisa igazi labo ngenxa yento efanayo. Njengalabo abafela emigodini yebhubesi; njengalabo abafela eziphambanweni; labo abanqunywa ngesaha; owakhahlelwa wakhishwa ezinhlanganweni zabo; futhi bazula bembethe izikhumba zezimvu nezikhumba zezimbuzi; futhi eswela. Bekungaba yinhlanhla enkulu kimi. Njengabafundi bakaKristu babuya, futhi babekuthathe konke ngokuthi kungukujabula ngoba babekwazi ukumela ihlazo elalilethwe phezu kweGama laKhe. Babekwazi ukukuhluphekela lokho ngenxa yaKhe, ukuhlupheka kwabo okuncane. Angifuni ukuhlupheka. Akukho-muntu ofuna ukuhlupheka.

388 Ngingathanda ukujoyina ngezandla zami nawo onke amahlelo, ngithi, "Bazalwane, asihambeni." Ngingathanda ukwenza lokho. Uma ngikwenza, ngisusa isandla sami

kwesaKhe. Makube kude nami ukuba ngike ngenze lokho. Uma ngimi ngedwa, ngima naYe neZwi laKhe. Ngokuba, njengoba uEddy Perronet athi:

> Ngimi kuKristu iDwala eliqinile;
> Wonke omunye umhlabathi uyisihlabathi esishonayo.

NoKristu uyiZwi. "Ekuqaleni . . . "

389 Futhi kuyini na? Lonke iZwi liyaveza. "Yonke imbewu iveza inhlobo yayo." Imbewu yobuhlelo iyoveza inhlobo yayo. Inhlangano yamaPentecostal iyoveza inhlobo yayo. IBaptisti iyoveza inhlobo yayo. Kuyini na? Inhlangano, ngezikhathi zonke, ngezikhathi zonke. Sizokhombisa, kulentambama, uNkulunkulu evuma, ukuthi zona zaqala kanjani, nokuthi kwabangelwa yini, nalapho iBhayibheli lathi ziyokwenza, nokuthi ziyophetha kanjani, ngempela ukuthi kuyoba yini ukuphela.

390 UNkulunkulu anibusise nonke, emotweni. Abaningi, nonke nina enisezimotweni, eningakwazanga ukungena, nilalele ngalombhobho. NoNkulunkulu anibusise nina omi nizungeze lezizindonga; nani enihlezi lapha kulokhu ukusa.

391 Futhi ngethemba ukuthi, ngomusa kaNkulunkulu, angilethanga-sinengiso, kodwa ngizenza ngicace. Manje, uma nikholwa yinto efanayo engiyishilo kulokhu ukusa, beningeke nama ngendlela efanayo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela, beningayenza.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

392 Baba waseZulwini onomusa, asizami ukuletha umhlangano ekuvalweni, kodwa nje ukuma ukuba siphumule kancane, imizuzwana embalwa. Namanje kwangathi lezizimbewu ehlwanyelwe kulokhu ukusa, kwangathi ngabe ziwele komuhle, umhlabathi ovundileyo. Kwangathi zingathela ngobuningi, Nkosi, ubuningi bokuPhila okuPhakade. Manje siyakhuleka, Baba, ukuthi lezizimbewu ehlwanyeliwe zizobe zilele, zilinde imvula yamuva ukuba yehle. Zilindile! "Abalinda eNkosini, bayohlumelelisa amandla abo." Nkulunkulu, kwangathi singegijime sedlule iZwi; sihlale neZwi. Siphe khona, Nkosi. Sibusise manje.

393 Nalabo abaphumela ukuyodla, ngikhulekela ukuthi Uzobapha amalantshi abo, futhi—futhi ubusise ukudla kwabo, futhi ubanike amandla, futhi ubabuyise kulentambama, ngaphambi kwesikhathi impela, Nkosi. Kwangathi bangahlala ethempelini lapha, belindile.

394 Futhi kwangathi Ungangisiza njengoba ngiyokhuleka, futhi ngibuye. Ngikhulekela ukuthi Uzongigcoba kabusha kulentambama. Ngiphe khona, Nkosi, ukuze ngikwazi ukuletha

lokho engikholwa ukuthi yiZwi laKho, kubantu. Siphe khona, Baba.

395 Ngikhulekela ukuthi Uzobusisa othandekayo wethu, umelusi othandiweyo, uMfowethu Neville, umfowethu oyigugu. Imizuzu embalwa, ukuba angene emanzini lapha, neqembu labantu, ukuba bahambe bayongena embhaphathizweni.

396 Futhi, Baba, uma ekhona lapha kulokhu ukusa, obhaphathizwe ngenye indlela kunombhaphathizo wamaKristu, ukuthi inceku yaKho enkulu uPawulu. . .Futhi washo, ukuthi wayeneZwi likaNkulunkulu phakathi kwakhe. Futhi wathi, "Uma umuntu noma ingelosi, ngisho neNgelosi eyehla ivela eZulwini," njengoba uSathane wayesesimweni seNgelosi, "yehla yasho noma yini ehlukile kunalokho akushoyo, mayibe-ngeqalekisiweyo." Baba, siyazi ukuthi lokho kulotshiwe emiBhalweni. Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi, ukuthi kuzo—kuzozika kungene ezinhliziyweni zabo, ukuthi uPawulu wayenguye impela owenza abantu, ababengakabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zabo, kwaba nguye owabayala ukuba baphinde babhaphathizwe futhi. Kwangathi kungaya kubantu, Baba. Kwangathi bangakuqonda lokho, lenkonzo yombhaphathizo ikhuphuka.

397 Kwangathi bangaqonda ukuthi yiQiniso lelo, bazi ukuthi bangeke baveza nelilodwa iZwi emBhalweni, ukwesekela umqondo wabo kaNkulunkulu-mthathu ngeziqu ezintathu. Baba, thina, kusobala, siyakholwa ukuthi Unguziqu-zintathu zezikhundla, zikaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele. Impela ngeqiniso kakhulu siyakukholwa lokho, Nkosi, kodwa hhayi ukuKwenza oNkulunkulu abathathu. Kwenza Wena Nkulunkulu oyedwa owasebenza ezikhundleni ezintathu, kanye kanye uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, neGama lalowoNkulunkulu lalibizwa ngoJesu Kristu. Manje, lelo yiGama likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele.

398 Baba, kwangathi abantu bangakubona futhi bawulalele umbhaphathizo wamanzi, kukho ukuthethelelwa kwezono zabo. Futhi kwangathi lamazwi ambalwa, ombhaphathizo, angehla ngokujulile manje enhliziyweni yomuntu wonke, ngoba asazi ukuthi sinesikhathi eside kangakanani. Baba, kusondela kakhulu impela.

399 Isitha, njengoba silindele ukukhuluma ngaso kulentambama, sikhula ngokujula kakhulu, nokuba nesibindi kakhulu, ngaso sonke isikhathi. Selokhu bethathe isihlalo sobukhosi. Bayaqhubeka bangena ngqo. Nkosi, sikubona-ndawo-zonke. Hhayi ubukhomanisi, Nkosi. Kwangathi abantu bangakwazi ukuthi baqonde ukuthi ngubuRoma, "Isifebekazi esingumama omdala nesifebe sakhe." Futhi siyazibona, Nkosi, ziza, umfanekiso kuso isilo. Futhi nakhu lapha esikhona thina.

400 Baba Nkulunkulu, hawukela manje. Futhi sonke masingene ekuphepheni, eMkhunjini, futhi silungele imvula yamuva. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

401 Manje kinina olapha endlini, manje, uma nifuna ukuthi shelele nithole enizokudla, kulungile, futhi uma nifuna. Bese nibuya-ke, ningene lapha ngokukhulu ukushesha emva kwenkonzo.

402 Manje ake sime umzuzwana. Asi—asisukume, kanyekanye. Bangaki okholwa yiZwi leNkosi na? Phakamisa isandla sakho. Amen. O, ayibongwe iNkosi! *O, Ngimthanda kangaka uJesu.*

O, ngimthanda kangaka uJesu,

403 Nkosi Jesu, thumela uMoya waKho phezu kwabo. Baphe, Nkosi, ugcobo lukaMoya phezu kwabo. [UMfowethu Branham ukhuluma noMfowethu Neville, usesuka emsamo-ke—Umhl.]

# *IZwi EliKhulunyiwe LiyiMbewu YasekuQaleni 2*

Awu, manje, kuhle lokho, Mfowethu Kidd. Lokho kuhle kakhulu. Khona impela lapho esikhona. [Umfowethu Kidd kukhona akusho kuMfowethu Branham—Umhl.] Amen. Ufuna ukubeka izwi mayelana nokuphiliswa kwakhe.

2 [Umfowethu Kidd uthi, "Yebo. Yimina umfo owaphiliswa, eminyakeni embili edlule. Futhi sengenziwe ukulungiselela uhhafu wedilowa eseliyeka. Umama wabiza uMfowethu Branham, wase eza, yena—yena nendodana yakhe. Futhi basuka ekhaya lapha ngelesibili nqo, futhi wafika wangikhulekela. Kanjani . . . Ngangingasezwa lutho ukusuka—ukusuka—ukusuka okhalweni lami, ezansi, ngingasezwa nakancane. Futhi ehoreni emva kokuba esengikhulekele, wayesehambile, ukuzwa konke kwabuya. UNkulunkulu wangiphilisa kumdlavuza. Bathi, 'Akanazinso.' Senginezintsha. Angazi, kodwa uNkulunkulu wezenza zaqala. Kodwa kwenzeka kimi. Nginamashumi ayisishiyagalombili nanye eminyaka ubudala, bengifunisisa yonke indawo iminyaka, ngasiza ukuletha inguquko kwiPentecostal. Lokho kungikitaza kuthi angife. UMfowethu Branham uyakusho, 'Bonke bakhe izindonga ezincane zokwehlukanisa phakathi komunye nomunye, futhi abakwazi ukuba nemvuselelo.' Kunjalo. Uqinisile ngalokho." Ibandla liyahleka—Umhl.]

3 Yilokho nje. Mfowethu Ed, yilokho okwakwenzayo. O, akumangalisi lokho na? Ngiyabuthanda lobo bufakazi obuncane, mfowethu.

4 Manje umsakazo wemoto usuxhunyiwe, yilokho abakushoyo phakathi lapha, lengxenye lapha.

5 Wonke umuntu uzizwa ekahle manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu, manje, sizoqala phakathi ngqo manje kuze kube phakathi nobusuku, sizobe-ke sesi . . . ["Amen."] Sijabula kakhulu ukuthi iNkosi isisizile futhi yasibusisa.

6 Manje, ngaphambi kokuba siqale futhi, ake sibe nezwi nje elincane lomkhuleko kuLowo esikhuluma naYe manje.

7 Baba waseZulwini onomusa, Uyabuzwa ubufakazi balendoda endala, emesabayo uNkulunkulu, enobungcwele. Kusukela phansi eminyakeni, yona nomkayo omncane, besebenza ndawonye, nokuthi ubambelele owesifazane kanjani kuWe, futhi eKunxusa ukuba umyeni wakhe umenze umshumayeli, futhi nangu. Futhi-ke ngenkathi elele lapho, efa,

odokotela ababedlula bonke ezweni besho, ukuthi, "Usehambile. Angeke aphile kuphela amahora ambalwa. Sekuphilile. Umzimba Wakhe udliwa ngumdlavuza. Ubengasakwazi ukuhamba esinye isinyathelo. Isifo esithelelanayo emaqakaleni akhe, nokunjalo, sekumthathile." Nangu, sekuyiminyaka kamuva, usahamba. Sibonga kakhulu nje, Baba. Kuyafakazisa, ukuthi, uma iZwi litshalwa, bese liyaniselwa, Liyothela okusanhlamvu.

8 Manje siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosivumela sendlale amaZwi kulentambama, avela eZwini laKho. YiZwi laKho, futhi sifuna ukuLendlala ngendlela eLiyiyo nje. Bese-ke UyaLinisela, Nkosi, ngoMoya. Siyacela, njengoba sizinikela, noMlayezo, kuWe, ukuthi Usisebenzise, eGameni likaJesu. Amen.

9 Manje ukusheshisa impela. Umkami ubengitshela, kulokhu ukusa, mayelana nokuthi kulukhuni kanjani abantu, niyazi, nemilenze yabo iba nenkwantshu nezinto; amanenekazi, na—nabantu abaningi njengami, asebethe ukuguga kancane, baze bame bazungeze kanjalo. Ngiyakubonga lokho, ukwethembeka kwenu. Futhi manje sizobuyela ngqo eMlayezweni futhi siqhubeke. Angifuni ukujaha kakhulu, kepha nokho ngifuna ukujaha ngokwenele ukuba ngizame ukuqeda kulentambama, uma kungenzeka ngikwazi.

10 Bese-ke, masinya nje uma siqeda, siqonda ngqo-ke e—eTifton, eGeorgia, hhayi ukuba si reg-. . .umhlangano oqhubekile. Sisehholo lesikole esiphakeme lapho, okobusuku obubodwa nje. Lokho kukusasa ebusuku, futhi yinkonzo yokushumayela nje. Futhi ngizoba nenye indikimba ejwayelekile nje encane, noma okuthize engake ngashumayela ngakho khona lapha, ngoba nje kungukuvakasha nabantu lapho. Banawo umhlangano ovamile ohlala isikhathi eside noma yini. Ngakho si. . .

11 Futhi manje, si—sishiye, kulokhu ukusa, sikhuluma ngendikimba yethu etholakala ngale kuGenesisi, isahluko 1, i—ivesi 11, ikakhulu. *IZwi EliKhulunyiwe LiyiMbewu YasekuQaleni.*

12 Futhi manje inhloso yami kulokhu ukusa, nanamhlanje, ingukuzama ukuchazela abantu. [UMfowethu Branham ubuza komunye, "Lokho kuvuliwe? Yebo."—Umhl.] Ukuzama ukuchazela abantu, ngesinyathelo sami, manje, ukuthi kungani ngenze izinto engizenzile. Futhi ngiqonda, ukuthi, lamateyipu ayateyishwa futhi azokhishwa. Abantu abaningi mhlawumbe bayowezwa emva kokuba ngingasekho lapha, uma uJesu elibala. Kodwa ngifuna ukusho ukuthi ngiyakholwa yiZwi likaNkulunkulu, ukuthi Lona, Lelo, liyiQiniso.

13 Manje, sishiye lapho i. . .kwezinsuku zokugcina, okwenzeke enkonzweni yabavangeli eminyakeni embalwa edlule babeshisa izwe, futhi kubonakala sengathi bonke useyekile. Manje,

angisho khona ukuthi sebephumile ensimini. Basaqhubeka, kodwa akukho-mphumela, kubukeka kanjalo. Abafinyeleli-ndawo. Niyabo? Yin'indaba na? Insimu isihlwanyeliwe. Niyabo? Manje khumbulani. Ningakhohlwa.

14 Omunye ungicela ukuba ngiphinde lelogama lesiHeberu futhi, kuJoweli, isahluko 2, uJoweli 2:28, lapho akhuluma khona ngokufika kwemvula yokuqala neyamuva. Igama "kuqala" yigama lesiHeberu m-o-u-r-e-h, *moureh*, okuchaza ukufundisa. Ngamany'amazwi, kuzoba yimvula yokufundisa nemvula yokuvuna. Manje sibe nayo imvula yokufundisa, futhi silungele manje imvula yokuvuna. Niyazi, imvula yokuqala ingalenkathi utshala imbewu, lokho kuqala ukukhulisa ukudla kwakho okusanhlamvu. Bese kuthi ngaphambi nje kokuba kuvuthwe, nakho kufika okunye ukudla okusanhlamvu, Yilokho abakubiza ngemvula yokuvuna. Siyazi ukuthi kunini. Izimvula zasentwasahlobo, bese kuba-ke yizimvula cishe ngoJuni, yenza ukudla kwakho okusanhlamvu. Manje, imvula, sithola ukuthi, kwakunguMoya.

15 Manje sishiye lapho engiveze khona imicabango yami yokuthi yonke into iyoba yini. Lokho ngukuthi, ngikholwa ukuthi i—ukuthi i—imvula ilethiwe, imvula. Yingalesosizathu sithuliswa, ngoba umhlabathi usuvele uhlwanyelwe. Akukho lapho ongathola khona, cishe impela, kungahlwanywelwe khona. Futhi kuze kwakhishwa ngomsakazo, itelevishini, amateyipu, izwi, yonke into. Kuhlwanyelwe izwe phansi. Yizimbewu ezihlwanyeliwe. Manje, ukuthi-zimbewu zini eyatshalwayo, akukho okunye ongakuthola kuyo ngaphandle kwalezozimbewu eyatshalwayo. Seningaqonda manje na? Kuzoba yizimbewu etshaliwe. Manje, uMoya uzokwehla, kodwa Uzoletha ukuvunwa kwembewu Owehlela kuyo. Manje, khumbulani. Kulungile.

16 Ngibikezela ukuthi amaqembu amabili amahlelo, amaqembu amaPentecostal nawevangeli, azosebenza ndawonye ehlelweni, azozihlanganisa ndawonye futhi abe yilunga, onke, loMfelandawonye woMkhandlu wamaBandla, noma uMkhandlu wamaBandla. Asebevele angene kuwo, onke. Futhi kuyofika, ngawo, ukuphoqa, noma ukuduba, okuyomisa yonke into ngaphandle kwalokho okungokwaleyonyunyana yamabandla. Yileyo i . . . IBhayibheli lasho ukuthi kuyobakhona ukuduba, ngisho ngangokuthi kuyobangela abantu ukuba bangathengi noma bathengise ngaphandle uma bemukele lokhu: uphawu lwesilo, okungubuRoma; nomfanekiso wesilo, okungubuProtestane. Ukuthi umfanekiso . . . Isilo sasinamandla, igunya, ukunikeza isithombe ukuphila, ukukhuluma, futhi sakwenza. Futhi lowo nguMfelandawonye wamaBandla, uma ezihlanganisa eba ngumfelandawonye.

17 Manje baningi abantu abasebasha lapha. Angazi, uJesu angafika kulentambama. Angafika ngonyaka ozayo. Angazi

ukuthi UyoFika nini. Kodwa, khumbulani, uma ngingaphili ukuba ngibone loloSuku lokuFika kwaKhe . . . Okungukuthi, ngethemba ukuthi ngiyolubona, futhi ngandlela-thize ngikholwa ukuthi ngiyolubona. Manje, uma ngingaluboni, ngingalivumeli leliZwi like lisuke ezindlebeni zenu nasenhliziyweni yenu. Niyabo? Khumbulani nje, ngikhuluma eGameni leNkosi.

18 Manje, ngikholwa ngenhliziyo yami yonke, yileyondlela okuyophela ngayo. Kuyobakhona okunjengenyunyana, u—ukuduba. Zonke izindawo ezinjalo njengalena ziyovalwa. Futhi awuyikwazi ukukhuluma ngaphandle uma une—nemvume, noma ilayisense evela kuloMfelandawonye wamaBandla, ukuba ubambe inkonzo. Usucishe impela . . . Ukhombisa ukuthi uyakwenza lokho manje, ngisho nasehlelweni. Ukhombisa ukuthi ukuphi. Yebo, mnumzane. Uyofanele ubenayo. Futhi yilapho oyophelela khona. Leso yisibikezelo sami, njengenceku kaKristu, ngokuqonda enginakho kweZwi, nokuphefumulelwa. Uyofika lapho-ke. I . . . Zonke izibonakaliso zikhomba ekugcineni. Ngisanda kuqeda nje ukukhuluma ngalokho. Futhi sekukhona ngisho nase . . .

19 Intombi engahlakaniphile isiqale ukukhalela amaFutha. Manje, khumbulani, yayiyintombi. Futhi uma iyintombi, iyibandla. Niyabo? Sizofika kulokho kulentambama, eSambulweni 17. Uma iyintombi, iyibandla, ngoba ibandla liyintombi.

UPawulu wathi, "Nginendisela kuKristu, njengentombi emhlophe."

20 Isifebe, seSambulweni 17, sasiyibandla. UJohane wamangala ngaso ngenxa yobuhle baso—baso, esasiyikho. Sasiyinto enhle. Kepha, nokho, "Kuso kwatholakala igazi labo bonke abangcwele bakaJesu Kristu, babebulewe kuso." Kunjalo. Ngikholwa ukuthi yizigidi ezingamashumi ayisithupha-nesishiyagalombili, ohlwini lwabafelukholo, ibandla eliRoma Katolika elibabulele kusukela—kusukela ku Augustine oNgcwele waseHippo. AmaProtestane ayizigidi ezingamashumi ayisithupha-nesishiyagalombili libulewe, futhi kwarekhodwa erekhodini lohlu lwabafelukholo, yibandla eliKatolika, ngenxa yokungavumelani nemfundiso yalo. Akumangalisi iBhayibheli lathi, "Kulo kwatholakala igazi labo bonke abafelukholo."

21 Manje, manje, akashongo yini uJesu ukuthi kufika isikhathi, "Bayonibulala, becabanga ukuthi babenzela uNkulunkulu inkonzo na"? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi baqotho ngalokho. Abasibo abazenzisi. Bayakukholwa lokho. Bafundiswa lokho.

22 Futhi uma leloZwi . . . Uma—uma leloZwi litshalwa lapho, Lizofanele liveze ukudla okusanhlamvu. Impela, Lizofanele. Khumbulani, sihlala ne, "Mbewu." Yileyo indikimba yethu,

iMbewu yethu. IZwi eliKhulunyiwe likaNkulunkulu liyiMbewu. Niyabo? Ifanele ibuyele kuleliZwi, naleloZwi lizoveza lokho eLikushoyo.

23 Yingalesosizathu ngikholelwa ekuphiliseni kukaNkulunkulu. Yingalesosizathu ngikholelwa emibonweni. Yingalesosizathu ngikholelwa eziNgelosini. Yingalesosizathu ngikholelwa kuloMlayezo, yingoba Uvela eZwini likaNkulunkulu. Futhi noma yini engaphandle kweZwi likaNkulunkulu, angiyikholwa. Ingabanjalo, kodwa noma kunjalo ngiyohlala nje nalokho okushiwo nguNkulunkulu, bese-ke ngiyaqiniseka ukuthi ngenza ngokuyikho. Manje, uNkulunkulu angenza lokho Afuna ukukwenza. UnguNkulunkulu. Kodwa inqobo nje uma ngihlala neZwi laKhe, khona-ke ngiyazi ukuthi lokho kulungile. Ngiyakukholwa lokho.

24 Manje, lentombi engahlakaniphile ingowesifazane. Iyibandla, kodwa ayihlakaniphile. Niyabo? Ibiyisenqeni nje, kepha nokho ibizwa—izibize ngoMlobokazi.

25 Futhi khumbulani, yonke into ihamba ngantathu, kokupheleleyo. Okuthathu yinombolo yokuphelela.

26 Izikhundla zikaNkulunkulu: uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. UNkulunkulu uYise wayenguNkulunkulu owayehlala eNsikeni yoMlilo. Wayezama ukudonsela uIsrayeli kuYe. Abavumanga ukuza. UNkulunkulu uYise wayehlala eNdodaneni, okwaMenza uNkulunkulu iNdodana; uNkulunkulu ofanayo, umfanekiso kaNkulunkulu oveziweyo, iMbewu kaNkulunkulu ibonakalisa, ezama ukudonsela abantu kuYe. BaMbethela. UMoya oNgcwele unguNkulunkulu ofanayo owayekhona ekuqaleni, eNdodaneni kaNkulunkulu, futhi manje lapha (esinye isikhundla sikaNkulunkulu) ngezinsuku zokugcina, ehlala eBandleni; ezama ukuletha iZwi, iZwi elikhulunyiwe, njengoba kwenza ezinye izikhundla ezimbili, kubantu, futhi bayaLenqaba. Yinto efanayo. Yizikhundla ezintathu noma ukuzibonakalisa kukaNkulunkulu oyedwa esebenza. Futhi uNkulunkulu kubantu baKhe namhlanje, esebenza, nguNkulunkulu esebenza. Niyabo? NguNkulunkulu kubantu.

27 INkosi ithanda, ngifuna ukukhuluma ngalokho, kusasa ebusuku, "UNkulunkulu esemhlabeni waKhe kanye nezulu, uNkulunkulu eseNdodaneni yaKhe, uNkulunkulu ekubantu baKhe," nokunjalo. Manje, ngikhulumile ngalokho ngaphambili, lapha, ngiyakholwa.

28 Manje, bese, lentombi engahlakaniphile, ngenkathi ihamba iyothenga amaFutha. Yathunyelwa ukuyothenga amaFutha. Ngenkathi yenza, yathola ukuthi yase ishiywe yisikhathi. Ngani na? Ngani, mngane na? Izimbewu sezitshaliwe.

Niyabo? Kwakukhona abathathu, kuze kuyofika esikhathini saseSodoma.

Bekuhlala njalo kunenombolo yokuthathu, ngaso sonke isikhathi.

29 Kuthathu ukufika kukaKristu. Wafika kanye ezohlenga uMlobokazi waKhe. Uyafika, ngokulandelayo, oHlwithweni, ukuhlwitha uMlobokazi waKhe. Uyafika futhi, esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, noMlobokazi waKhe.

30 Yonke into ikokuthathu. Okuthathu yinombolo ephelele. Isihlanu yinombolo yomusa; isikhombisa, ukuphelelisa; ishumi nambili, ukukhonza; amashumi amabili-nane . . . noma—noma amashumi amane, okulingiwe; futhi amashumi amahlanu yijubili. Lona impela igama, *pentecost*, lichaza ukuthi *jubili*, “amashumi amahlanu.” Niyabo? Manje, futhi manje, uNkulunkulu, ezibalweni zaKhe, Uphelele ezibalweni zaKhe. Uphelele eZwini laKhe. Uphelele ekwenzeni kwaKhe. Uphelele ezintweni zonke, ngoba UnguNkulunkulu ophelele. Yebo.

Futhi siyabona ukuthi kulezizintombi . . .

31 Manje, bukani, lapho ibizwa ngesi “febekazi,” eBhayibhelini. Manje, ngifuna odadewethu ba—bangithethelele. Ngi . . . Yilokho iBhayibheli elakushoyo. Namhlanje ngikhuluma kucace nje bha. Liyibiza ngesi, “Febekazi, nonina wezifebe,” okuyinto efanayo. Manje, uma niqaphela, kukhona isi “febekazi” okukhulunywa ngaso, eBhayibhelini, lelo yibandla. Isi “febe” okukhulunywa ngaso, saseBhayibhelini, lelo yibandla. No “Mlobokazi” okukhulunywa ngaye, eBhayibhelini, futhi lelo yiBandla. Nakho okuthathu. Sizongena kubo, emva kwesikhashana, ngikhombisa ukuthi labo abalobokazi bakabani, nokuthi banqatshwe kanjani, nakho konke ngakho, uma iNkosi ithanda.

32 Manje, into yokuqala, ngifuna ukusho lokhu ngingakakukhohlwa. Ningalokothi, ningabesabi neze ubukhomanisi. Ubukhomanisi kuphela busebenza ezandleni zikaNkulunkulu. Kuludaba lokungamesabi uNkulunkulu njengoba yayinjalo nje iNkosi uNebukadinezari, kodwa Wamthumela lapho futhi wagawula wakhipha uIsrayeli ngenxa yokungalaleli kwabo. Lapho, umprofethi ebatshela ukuthi yini eyayiza, futhi wabatshela ukuba bahlale ezweni labo futhi bakhumbule uNkulunkulu. Abavumanga ukukwenza. Baqhubeka, noma kanjani, nenkosi yaphuma ngqo futhi yabathola, noma kanjani, ngoba Wathi iyobathola. Ubukhomanisi yinto e . . .

33 Isizathu sokuba ubukhomanisi buqubuke yingoba ngubuvezandlebe bebandla eliKatolika, phesheya kwezilwandle, eRashiya. Bathatha yonke imali, futhi yonke—yonke into bayibekelela ngasese, futhi yilokho kuphela okwakukhona kukho. Yilokho impela okwenza ubukhomanisi.

34 Ngenkathi lowomfana omncane evuswa kwabafileyo, enhla lapho eFinland, lawomasosha amakhulu amakhomanisi emi lapho eshaye isaluthe ngenkathi ngedlula, nezinyembezi zehla ezihlathini zawo. Athi, "Siyokwemukela uNkulunkulu onjalo, impela, uNkulunkulu ongavusa abafileyo futhi aligcine iZwi laKhe. Impela." Niyabo? Kodwa uma sekuza ekuyeni esontweni nje, futhi uphila njengoDeveli nakho konke okunye, njengezwe lonke, singenzi lutho, khona-ke abakholelwa kukho. Futhi, uma ngikhuluma isiminya, nami angikholelwa kukho. Kunjalo. Kunjalo.

35 Akukho-mBhalo, othi ubukhomanisi buyobusa izwe. Kodwa ukhona umBhalo, futhi wonke umBhalo, wathi ubuRoma buyokwenza. Ngakho amehlo enu awaqaphele lokho.

36 Bukani, kulobubusuku. Bukani nje ukuthi kwenzekeni ngisho nayizolo ebusuku. Losigele waseKentucky, washo mayelana nokuba nomRiphabhuliki e—esihlalweni phezulu lapho manje, emele isifundazwe saseKentucky. Futhi wathi, "UngumProtestane, futhi akangabazi ngakho," yena eyiKatolika. Babanesibindi ngempela. Futhi, khumbulani, kukhona ezinye izinto okuhambisana nalokho.

37 Isikhathi sentombi engahlakaniphile, siyakubona lokho. Izinto okungakaze kwenzeke, okungekho namunye wamadoda, abafundisi, kusukela phansi emnyakeni obengasho lezizinto njengoba sesingazisho manje, ngoba zilapha. Manje, intombi engahlakaniphile namaPentecostal abhastelile, leyo yinto efanayo, ibhastele nezinto zezwe.

38 Manje khumbulani, ngiyipentecostal, kodwa hhayi iPentecostal ngehlelo. Kuyangicasula lokho. Ngiyipentecostal ngolwazi lwesipiliyoni. Sifanele sibe . . . IMethodisti bayipentecostal, iBaptisti bayipentecostal, iKatolika bayipentecostal, uma benolwazi lwesipiliyoni sepentecostal. Ungeke uyihlele ipentekoste, ngoba iwu—wulwazi lwesipiliyoni, futhi nguNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu angehlelwe.

39 Manje, manje, uJesu usitshelile ukuthi lezizinto ziyofika, manje, wasitshela ukuthi kuyokwenzekani; intombi engahlakaniphile yayizovuka, nezinto eyayizozenza; nokuthi abantu babezobizelwa kanjani ngaphandle, ngezinsuku zabo, futhi zifune amaFutha, kodwa ziyoshiywa yisikhathi. Niyabo?

40 Manje bhekisisani lawo amathathu, lawomabandla amathathu. Naso isifebe; asizelanga lutho, manje, sizimele ngokwaso. Kwakukhona intombi engahlakaniphile, okuyibandla lamaProtestane. Futhi kwakukhona uMlobokazi. Niyabo? Manje, nazo izigaba ezintathu zebandla ngezinsuku zokugcina. Manje bhekisisani. Sizoziletha sizikhiphe ngqo kuGenesisi, futhi sizikhiphele lapha futhi sizibeke eZambulweni, oHlwithweni, iNkosi ithanda.

41 Zonke lezizinto zibukeka zingezangempela. IPentekoste ibukeka ingeyangempela. Cabanga i . . . "Ngani, ngisonta enhlanganweni yamaPentecostal." Lokho akwehlukene nokuthi wawuhlala ehhokweni lezingulube. Bekungeke kwenze nomncane umehluko. Bekungeke. Kuyithusi elikhencezayo nje nensimbi encencethayo, yebo, akunandaba ukuthi usontaphi, uma ungazelwe ngoMoya kaNkulunkulu futhi wemukele uMoya oNgcwele. Nesizathu . . .

42 Uma ungakakwenzi, ungalikholwa lonke iZwi likaNkulunkulu, awukakamemukeli uMoya oNgcwele. Kunjalo. Kunjalo impela. UMoya oNgcwele . . . Uma uzwa iQiniso, noMoya oNgcwele ungakuholeli kuLo, khona-ke kukhona omunye umoya phakathi lapho ukudedisa kuLo. Ngakho, umoya onawo kuwe awusiwo uMoya oNgcwele. O, yebo.

43 Manje siyathola, njengoba kwaqhubeka, kwathi, "NjengoJane noJambre bemelana noMose." Sikhulumile ngalokho, ukuthi lezizinto ziyobanjani ngezinsuku zokugcina manje.

44 Futhi isicaphuno sokugcina esibe naso, besingukuthi. "UNkulunkulu wenza yonke imbewu ngenhlobo yayo." Leyo ngeyaKhe . . . Niyabo? Kwase kuthi ngenkathi Enza umuntu waKhe ngomfanekiso waKhe, kwakuyiMbewu yeZwi laKhe. Futhi ngenkathi uJesu enziwa inyama, Wayeyi—yinyama yeZwi likaNkulunkulu. Futhi uma semukela iZwi likaNkulunkulu, khona-ke siba yiZwi likaNkulunkulu enyameni yethu. Niyabo? IBandla lifanele libe kulesosimo.

45 Manje, manje-ke, emva kokuba Esenze umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo . . . "Wamdala ngomfanekiso kaNkulunkulu." Manje, emva kokuba Esenze lokhu . . . Manje ningakugeji lokhu. Emva kokuba uNkulunkulu esenze umuntu waKhe—waKhe ngomfanekiso waKhe uQobo, ngeZwi laKhe uQobo eliKhulunyiwe, manje, lowo kwakungumuntu ophelele. Kodwa lapho okwafika khona ukuwa, kwakungenkathi lapho Ekhipha kuye umkhiqizo ovele kamuva wase emenzela umlobokazi. Ilapho-ke inkathazo manje. Uma ubungokamoya, usuvele ukubambile. Niyabo? Niyabo? U . . . Kwakungesuye uAdamu owengena enkathazweni. Kwakungesuye uAdamu owangabaza iZwi. Kwaba ngumlobokazi wakhe owangabaza iZwi.

46 Futhi akusuye uJesu ongabaza iZwi, ngoba WayeyiZwi. Niyabo? Ngumlobokazi waKhe. Kuvela lapho-ke ukubhastela.

47 Akufikanga ngoAdamu. Ngiyakudabukela wena ongakuboni lokho. Niyabo? Akusilo iphutha lika-Adamu. Wayengahlanganise lutho nakho. Uma ukufa kufika ngoAdamu, kusho ukuthi-ke kufika ngoNkulunkulu. Ukufa kufika ngokubhastela.

48 Ukufa ngeke kufike ngeZwi likaNkulunkulu. Ukufa kufika ngokuLibhastela ehlelweni, nesivumokholo esikhundleni sikaKristu, umbhedesho esikhundleni seZwi. Akufiki ngeZwi. IZwi lingukuPhila. UJesu wathi, "AmaZwi aMi angukuPhila." NoMoya uphilisa leloZwi futhi uLenze ukuPhila. UkuLibhastela, kuvela lapho-ke ukufa.

49 Futhi uma uAdamu eyiZwi likaNkulunkulu, iZwi laKhe elikhulunyiwe, iMbewu yaKhe yasekuqaleni, ngoba Waba ngowokuqala ngalesosikhathi ngokudalwa, kwase kuthi uAdamu waKhe wesibili naye waba ngokudalwa, iZwi elikhulunyiwe. Niyalandela na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

50 Manje, uAdamu aka decei-. . .akudukiswanga. Kodwa umlobokazi wakhe wadukiswa. UKristu, namhlanje, akadukiswa. IZwi alidukisi. Ngumlobokazi owenza ukudukisa, ngeZwi. Niyakubona na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

51 Manje, Wamnika umlobokazi, umfanekiso ka-Adamu wesiBili. Wanikeza uAdamu wokuqala umlobokazi; wawa. Wanika uAdamu wesibili, uKristu, umlobokazi; wawa. Kunjalo impela. Ngani na? Akasuye owasekuqaleni. Ungumkhiqizo ovele kamuva.

52 Umlobokazi namhlanje ungumkhiqizo ovele kamuva. Niyabo? Yena, uzibiza ngomlobokazi. Kodwa ayikhona, wenziwe ngempahla yenhlangano, hhayi eyeZwi; eliningi kakhulu iZwi kuyo, ukuyenza ibe wuhlobo lomkhiqizo ovele kamuva, ukuyenza ibe ngeyokuzenzisa. UEva wakholwa okuningi kakhulu kweZwi, kodwa wangabaza ingxenye eyodwa yaLo. Namhlanje, angeke ngisho athole iZenzo 20. . .noma uMathewu 28:19 kuqondene neZenzo 2:38. Niyabo? Kuyamdida. Leyo yindawo eyodwa encane nje, emakhulwini ezinye.

53 Manje, umlobokazi ka-Adamu wayengumfanekiso womlobokazi wesibili ka-Adamu. Manje, umlobokazi ka-Adamu. . .

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Nginqamule iteyipu?

54 Umlobokazi ka-Adamu akalindanga. UNkulunkulu wayetshele uAdamu noEva, "Nande nigcwalise umhlaba." Kwakuyinto esezayo, isithembiso. Wayengakabisuye umkakhe, nokho, ngoba wa. . .yengakaze ahlale naye.

55 Umlobokazi kaKristu akakabi ngumkakhe. ISidlo sakusihlwa soMshado sisazokwenzeka. Niyakuthola na? Qaphelani, o, lokhu kucebile.

56 Washeshisa, futhi wenzani na? Wabhastela imbewu yakhe. Wayixubanisa nembewu yenyoka. Futhi lapho ekwenza, waletha i—i. . .Walethani na? Waletha umntwana wokufa. Umntwana, ukuthi, waphendukezela wonke umntwana emva kwalokho.

57 Futhi ngenkathi ibandla likaJesu Kristu liphendukezelwa ngesikhathi saseRoma, emva kokuzalwa kwalo yintombi, futhi

lanikwa uKristu ePentekoste, la. . . Lenzani na? Lazizalanisa nombhedesho wamaRoma. Nebandla lamaProtestane lenze into efanayo impela. Akakwazi ukulinda.

58 Owesifazane othembisene nenhle, esencane, indoda ehlanzekile, futhi bengakahlangani, wenzeni na? Utholakala ekhuleliswe ngomunye umuntu. Bese kuthi imbewu yakhe uqobo, eyendisiwe. . . Umzimba wakhe uqobo, owendiselwe esokeni lakhe, indoda yakhe ethembisileyo, utholakala egcwele imbewu yenye indoda. Ihlazo elingaka pho!

Yilokho impela uAdamu akutholayo.

59 Yilokho uKristu akutholile. Akakwazanga ukulinda. Yileyo indaba kubantu namhlanje. Abakwazi ukulindela uMoya oNgcwele wangempela ukuthatha iBandla libe sendaweni efanele. Bafanele bakhiqize okuthize, basebenze okuthize. "Ubufakazi obubonakalayo, bekhuluma ngezilimi," ukuthola amalunga amanye amaningi ebandleni. Zonke lezi inhlobo yombhedo, esikhundleni sokulindela eNkosini ukuthola ukubonakaliswa kwangempela kokuvuka kukaKristu Ezazisa phakathi kwabantu. Akakwazi ukulinda.

60 Wenzani na? Waphuma wase ekhuleliswa wubuhlelo. Kuqala kwaba yiAssemblies of God, bese kufika abakaMunye, bese kufika namanye emva kwalokho. Manje lokho okubizwa ngomlobokazi kukhuleliswa yizo zonke izinhlobo zombhedo, ihlazo. Abesifazane ngeke basakunaka nakancane okushiwo yiZwi likaNkulunkulu, kunanoma yini ezweni, kanjalo nabesilisa, kumbe ngisho nabashumayeli, bese ubiza lokho ngomlobokazi.

61 Kuyini na? Ukhulelwe. Umlobokazi kaKristu ukhuleliswe yizwe, egqokisa okwezwe, eziphaathisa okwezwe, amasonto amakhulu, amahle. Ini? Kukhombisa ukuthi uyini. UngokaDeveli. Yilokho uSathane akwenzile endaweni yokuqala, kwakungukuzama ukwakha umbuso omkhulu omuhle eZulwini, futhi wakhahlelwa wakhishwa ngenxa yakho, waxoshwa eZulwini. Futhi yilapho umlobokazi kaKristu wesimodeni enjalo, ukhahlelwe wakhishwa, ngoba uxoshiwe kuNkulunkulu, ngoba uyisifebekazi futhi akasiyo intombi. Kujulile, kodwa ngethemba ukuthi niyakuthola.

62 Umlobokazi ka-Adamu akakwazanga ukulinda, kodwa waxubanisa imbewu yakhe ngokungemthetho. Ngokungemthetho!

63 Sifanele ukukholwa iZwi likaNkulunkulu, futhi Lelo kuphela. Manje, bazalwane, lapha naseteyipini, niyabona ukuthi kungani ngilwela leloZwi, iZwi ngeZwi na? Nginitshelile ukuthi ngikholwa ukuthi lelo yiQiniso likaNkulunkulu. UNkulunkulu ulivikelile leloBhayibheli. Uzokwehlulela izwe ngento ethize, ngoJesu Kristu okuyiZwi. NaleliZwi lenziwa inyama, ukuba libe

nguJesu Kristu. Ngikuyekela ukuba kuzike nje. Khumbulani iZwi!

64 Futhi manje Umthola oniwe woniwa. Ucabanga ukuthi Ubengaganwa yinto enjengaleyo na? Lutho. Yena ungcwele. Akakwazanga ukulinda. Okungemthetho!

65 Yilokho uAdamu akutholayo. Manje, bazalwane, dade, buka emuva. Uma ubuka isithunzi sanoma yini, siyikho impela ukuvezwa komfanekiso wangempela ozayo. Ngakho, niyabo, uAdamu wathola umfazi ekhulelwe. Futhi wathi, "Inyoka ingikhohlisile." Manje si . . . u . . .

66 Ngizokuthatha ngandlela-zombili, emizuzwaneni embalwa nje, iNkosi ithanda, niyabo, ukunikhombisa ukuthi akunakwenzeka ukuba kube ngenye into.

67 Manje, umlobokazi ka-Adamu akakwazanga ukulinda, kodwa waqhubekela phambili kuqala.

68 Yileyondlela, namhlanje, umlobokazi namhlanje. Ufuna ukukhiqiza okuthize. "Udumo kuNkulunkulu," uzofanele akusebenze, emsamo. Uzofanele abe nakho konke. Niyabo? Wenzani na? Ukhiqiza okuthize.

69 Bukani ukuthi kuyaphi. Ningabona ukuthi akukho lutho kukho. Kuyinto-mbumbulu. Kunjalo impela. Ukuba bekungesiyo, lelizwe belizoba yilangabi linaMandla kaNkulunkulu; ibandla belizoba semlilweni. O! Ini na? Abafile bebezovuswa, nazozonke izinhlobo zezinto bezizobe zenzeka.

70 Kodwa latholakala lihlwanyelwe ini, ngaphambi kokuba uKristu afinyelele kulo. Ngaphambi kokuthi Afinyelele kulo, ukuba atshale iMbewu yaKhe uQobo, wayenani na? Izimbewu zokhula, izwe, izimbewu zamahlelo. Yingalesosizathu ukuthi kungani livuna isivuno salo njengamanje.

71 Ngiyethemba anizenzi nicusuke, kodwa ngethemba ukuthi Yehlela ngqo endaweni lapho engizokwethemba khona ukuthi uNkulunkulu uninike Yona. Niyabo?

72 Manje, waxuba imbewu yakhe, ngokungemthetho, ngokungemthetho eZwini. Wayezama ukutholani na? Manje lalelisisani. Wayeqondeni na? Ukuhlakanipha.

73 Ukuhlakanipha! Futhi yilokho akwenze namhlanje. Uthumele abashumayeli bakhe baya le ezikoleni, wabachamusela ngomshini, emshinini, injulamqondo, zonke izinhlobo zezinto ezifanele . . . kungekho ngisho naseBhayibhelini. Futhi uchamusele ngomshini amaqanda akhe—akhe—akhe. Futhi uma esenzile, ukhiphe umkhiqizo we—wesigejane sabantu aba—abazoxegisa kunoma yikuphi, futhi bale wona impela uMlayezo kaNkulunkulu, engazi ukuthi wenzani. Akakwazi. Akakholwa. Akacabangi ukuthi usephutheni.

74 Kunjalo noEva wayengacabangi ukuthi wayesephutheni. UEva wayecabanga ukuthi wayenza kahle. Futhi uma lokho kwakungumfanekiso, futhi lokhu ngokwangempela, kuzofanele kusebenze ngendlela efanayo neyenziwa ngumfanekiso. Manje lokho nje, kimi, lokho nje kungokubili kuphindaphindwa kabili kwenza okune.

75 Manje qaphelani ukuthi kwenzekani kubantwana bakaEva, owokuqala owazalwa.

76 Manje, uma uNkulunkulu athi, "Nande," kumlobokazi wakhe, kumlobokazi ka-Adamu, "nigcwalise, nande nigcwalise umhlaba," lowo kwakungumyalo kaNkulunkulu. Futhi wayeyokwenza, naye owesilisa wayeyokwenza, bazixubanise ndawonye. Kodwa kwenzekani na? Ngenkathi uAdamu esezilungiselela ukuza kuye, wayesevele esengumama. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

77 Manje into efanayo yenzeke ebandleni likaKristu, umlobokazi kaKristu. Manje sibuyela emuva ngokuqhubekela phambili kunalokho, emzuzwini.

78 Qaphelani, kulomlobokazi, wenzani-ke? Kuvela umntwana wakhe wokuqala, kwakungumntwana wesihlahla. Futhi wayegcwele ukufa, futhi wabangela ukufa, futhi wonke umuntu kusukela ngaleyonkathi ngukufa. Manje niyabo kwaba ngukulalana. Nifelani, uma kwakungesikho ukulalana na?

79 Uma, uNkulunkulu enikeza umyalo ongeke ubhubhe. IZwi likaNkulunkulu liPhakade. Ngeke Lehluleka. Ngenkathi Ethi, "Nande nigcwalise umhlaba," leyo kwakuyinhloso kaNkulunkulu yaPhakade. Ukwenza lokho, ungeke ufe. Ngoba LiyiZwi laKhe, ufanele uphile.

80 Ukuba lowomntwana ubezalwe ngokufanele, bekungeke kubekhona ukufa. Kodwa akakwazanga ukulinda.

81 Yileyo indaba namhlanje. Nifuna uhlobo oluthize lwesimombumbulu, esinokumemeza kakhulu, ukugxuma, ukukhuluma ngezilimi, noma okuthize, esikhundleni sokulindela iZwi likaNkulunkulu langempela ukuba libonakaliswe ngoMlobokazi.

82 Bayilolohlobo, oluthatha iZwi, nguMlobokazi weqiniso kaNkulunkulu ezala abaNtwana. Ngeke bafa. UMntwana ozalwa nguMlobokazi eZwini, ngeke afa, ngoba KuyiZwi. Amen. Nikutholile na? Ngeke afa, ngoba u. . . LowoMntwana ngeke afa, ngoba unguMntwana weZwi, unguMntwana weMbewu, unguMntwana waPhakade. Haleluya!

83 Yilokho impela uJesu Kristu ayeyikho, okhulunyiweyo, uMntwana waPhakade. Wayengafanele afe, kodwa Wakwenza ukuze akhokhe isikweletu. Yileyondlela kuphela esasingakhokhwa ngayo. Akekho omunye umuntu

owayengakwenza; bonke babezalwe ngokocansi, kuDeveli, icebo lakhe. Senikutholile manje na? Niyabo?

84 Kodwa wonke umuntu, akunandaba noma ngabe unguphapha, umpristi, umbhishobhi, noma ngabe uyini, uyafa ngoba uyi—uyibhastela. Kunjalo impela. Wazalwa phakathi kukaSathane noEva. Futhi bakubiza nganoma yini eniyifunayo. KwakunguSathane noEva. IZwi lasekuqaleni lalingahlanganise lutho nakho. IZwi lasekuqaleni lalingukuPhila. WayeLibhastelile, futhi kwaletha ukufa.

85 Futhi uma ibandla, namhlanje, abazibiza ngePentocostal, bazibiza ngeBaptisti, noma yikuphi abakufunayo, uma bebhastela LeliZwi ngombhedesho, kuveza umntwana ofile. Futhi owesifazane ngeke aba nokuPhila kuye. Ufile, nabantwana bakhe ufile. UNkulunkulu wathi, "Ngiyakumphosa embhedei wokwezwe, futhi ngibulale abantwana bakhe." UNkulunkulu washo njalo, eZambulweni. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na? [Ibandla lithi, "Amen."—] "Ngimfake embhedeni wokwezwe," ulapho-ke, "futhi ngibulale abantwana bakhe, ngisho nangomlilo." Sibhekisisa lapho i . . . Kwenzekani okhuleni oluphakathi kokolo na? Luyashiswa.

86 O, ungeke wenze iZwi liqambe amanga. LiyiQiniso. Ngezinye izikhathi amathizethize enu aphezulu, futhi singaLenza ngokuyiphutha. Kodwa uma nizoLigcina lihamba ngokuqondile, Lizohamba isitebhu-nesitebhu, isitebhu-nesitebhu, isitebhu-nesitebhu, isitebhu-nesitebhu, liqhubeke njalo.

87 "Wamphosa embhedeni wokwezwe." Akakwazi-kuzala lutho kuphela abantwna abafile. Manje-ke, uma ihlelo lingazala kuphela umntwana oyibhastela, ufunelani ukusonta kulo pho?

88 Manje, bazalwane, yingalesosizathu ngimelene nalo. Uyisi "febekazi," kwasekuqaleni nje. IBhayibheli lathi wayeyiso "febe." Lokho ngamazwi asobala, kodwa nginitshelile ukuthi ngizokhuluma kube sobala namhlanje. Yilokho ayikhona. Uhlobonga ngokukamoya, ngokuthatha umbhedesho nesivumokholo esikhundleni seZwi, efundisa abantwana bakhe ukuba benze into efanayo.

89 Manje, abantwana bakhe baphuma esizalweni, befile. Ufanele afe, lokho kunjalo impela, kuyafana nje nawo wonke umuntu. Lalelani. Njengoba impela nje wonke umuntu osazokufa ogqashula isizalo sowesifazane uyofa, kanjalo wonke umuntu ozalwa yibo uyofa, ngoba uyibhastela, ivezandlebe, nabantwana bakhe bayivezandlebe. Lokho kuqinisile. Ngethemba ukuthi lokho akweqi phezu kwekhanda lakho.

90 Manje, uJehova wake waba naye umlobokazi, kanye. UAdamu wayenomlobokazi. UJesu wayenomlobokazi. UJehova wayenomlobokazi. Niyakwazi lokho na? Wadingeka ukuba amlahle. Uba yisifebekazi, ngakho Wamlahla. Yilokho impela

Akushoyo. Uba yisifebekazi, isifebe. Yini eyambangela ukuba enze lokho na? Ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi sokukufunda. Ngingahle ngingene kokunye kwakho, emva kwesikhasana. Khona manje . . . Kwakusesikhathini sikaSamuweli, ngenkathi uIsrayeli wayenenkosi, uNkulunkulu. Futhi wayeyintombi. Wayezoveza okuthize. Futhi kwenzekani na? Uqala ukuqalaza futhi ubona ezinye izizwe ukuthi zazinenkosi, ngakho wayefuna ukufana nazo zonke ezinye.

Wena Pentecostal elibuyele emuva, yilokho impela okwenzileyo.

91 Lomshumayeli omdala ohlezi lapha, osecishe abe neminyaka eyikhulu ubudala, namhlanje. Ngenkathi ipentekoste ligqashula, emuva lapho, wawungeke ubatshele lutho ngenhlangano. Babengeke bakulalele lokho. Babekubiza lokho ngezinto zikaDeveli, nalawomadoda ayeqinisile.

92 Kodwa nenzani na? Naziphathisa okwawo onke amanye amabandla. Nalihlela. Kwase-ke, njengoba asho, nazidonsela izintango phakathi kwenu, nahamba nayofundisa, "Awufanele ufundise *lokhu*. Udumo kuNkulunkulu! Haleluya! Nga*le*ndlela," futhi nigxume phansi-naphezulu futhi nikhuluma ngezilimi. Nathi, "Mfakeni njengelunga; usenaye." Akabhaphathizwe ngokuyikho, nanoma ngamanzi nanoma ngoMoya. Usephutheni, nezithelo zakhe zakufakazela. Unohlobo lwembewu oluyiphutha amilela kulo. "Akabusiswe uNkulunkulu, mfowethu, sizobeka izandla phezu kwakho lapha, futhi sikwenze ilunga. Ngizosho ukuthi u—u . . . Sizokwakha lenhlangano lapha izoze ibenkulu ukwedlula iAssemblies." Yileyondlela nje okuhambe ngayo. Fundani umlando wamaPentecostal futhi nibone ukuthi lokho akunjalo yini, noma yiliphi lebandla. IBaptisti ifuna ukwedlula iMethodisti. AmaMethodisti lifuna ukwedlula iLuthela. ILuthela ifuna ukwedlula iKatolika. Wonke umuntu efuna ukwedlula, ukwedlula omunye umuntu. Niyabo? Lowo ngu—lowo ngumoya wenhlangano.

93 UJesu wathi, "Kepha bayingcosana lapho abayosindiswa. Isango lincane, nendlela ingumngcingo, futhi kepha bayingcosana lapho abayoyifumana." Ingcosana nje! Uma Athi "ingcosana," lelo yiZwi likaNkulunkulu, leyoMbewu, lapho bayoba yingcosana. Akuyikuba ngamashumi ezigidigidi zezigidigidi. Kuyoba yingcosana nje eyoLifumana. Labo owamiselwa ngaphambili kuLo, bayaLizwa.

Imvula yakuqala iphumile manje.

94 Manje, uJehova wayenomlobokazi Ayemthanda, kodwa wayehamb'efeba (Wenzani na?) elandela a—amanye amandla ezwe.

95 Futhi Wenzani ngalona omesabayo uNkulunkulu, omdala, umprofethi ogcotshiweyo na? Okungukuthi, iZwi leNkosi liza kumprofethi. Wafika. Lowomprofethi omdala, uSamuweli,

wenyukela kuye. Wathi, "Bantwana, buthanani kimi umzuzu. Ngifuna ukukhuluma nani, nonke. Niyifunela ukwenzani inkosi na? UJehova uyinkosi yenu."

96 Nisifunela ukwenzani isivumokholo na? IBhayibheli liyisivumokholo senu. IBhayibheli liyiQiniso. Izivumokholo zingamanga. Ufile, kwenziwe ngumuntu.

97 "Isivumokholo sabaPhostoli," ngikhombise lokho eBhayibhelini. Ubani owake wezwa ngento enjalo, "Ngiyakholwa kubo ubudlelwane babangcwele"? Noma ubani okholelwa ebudlelwaneni babangcwele, ungokholwa emimoyeni yabafileyo, ubudlelwane nabafileyo. Munye kuphela umkhulumeli phakathi kukaNkulunkulu nabantu, lowo nguKristu; futhi Akafile, kodwa Uphila kuze kube-phakade, wavuka kwabafileyo. AmaProtestane akugwinya kwehle lokho, nokhololo obhekiswe emuva, futhi angazi ukuthi yini enye; nawo onke amakhathekizima amabandla, akugwinya kwehle ngqo ngokufanayo nje. Ayakuthanda, impela, njengalo lonke izwe.

98 "O, niyazi, sasivamise ukuba yipentecostal. Sasima ezansi ekhoneni, siphethe nohlobo lwesigujana ngesandla sethu, futhi sikhuleke. Nabesifazane bemi lapho, nezinwele zabo ezinde zilenga, futhi bedumisa uNkulunkulu, nezinto ezinjalo."

99 O, he, bakithi! Nazi kangcono kunokwenza lokho. Babengakuhleka insini ngqo, umKristu wangempela wayengakwenza; bame phandle lapho nebhodwe lezinwele eziphunguliswe zibheke phezulu *kanjalo*, nepani elikhulu likapende *kanjalo*, nengubo eyayibukeka njengevosi lihlohlwe esikhunjeni. Futhi baphume kanjalo, futhi uzibiza wena, phandle lapho, ngo "ngcwele kaNkulunkulu"? Wena wazi kangcono kunalokho. Kanjalo nezwe lazi kangcono kunalokho. Ngiyakudabukela. Kungcono usuke ekhoneni, ngeke wakuveza okungaphezu kwalokho. Angisuye ogxekayo. Angisangene. Nginitshela iQiniso, futhi nizobona ezinsukwini ezizayo, lokho. Kodwa kufana nje njengoba bekuhlala kunjalo. Kuyohlala njalo kweqa ngaphezulu, ngakho-ke abayikukubona kuze kube kude kakhulu. Bakwenzile ngaso sonke isikhathi. Sebekwenzile.

100 Umlobokazi kaJehova wayefuna ukuhamb'efeba nabo bonke abanye abantu, njengabo bonke abanye. Yilokho umlobokazi kaJesu ayefuna ukukwenza.

101 USamuweli omdala, eleza kuye iZwi! Liza kubani iZwi na? Abaprofethi. Ini? Lowomprofethi omdala wahamba wenyuka, wathi, "Manje umzuzu nje, bantwana. Nifunelani ukuphuma nilandele into enjalo na?" Wathi, "Sengake nganitshela noma yini eGameni leNkosi, ingafezeki na?" Niyakukhumbula lokho na? Bangaki abake bakufunda lokho na? Impela, nikufundile. "Sengake nganitshela noma yini eGameni leNkosi ingafezeki na? Enye into, ngaphuma yini, ngibamba imikhankaso emikhulu

noma okunjalo, futhi nginephuca yonke imali yenu na? Ngakwenza na?" Wathi, "Ngike nginxibe noma yini na?" Ngikhuluma ngoSamuweli manje, yebo, umuntu iZwi leNkosi elafika kuye. Wathi, "Sengake nganicela ukuba ni—ni—nifake *okungaka*, futhi nenze *okunje-nokunje* na?"

102 "Qhabo." Bathi, "Qhabo, awuzange ukwenze lokho. Awuzange usitshele noma yini ngaphandle kwalokho okwakufanele."

Wathi, "Pho nifunelani ukuphuma nilandele *lokho na?*"

103 Bathi, "Samuweli, wena, uqinisile impela. Kodwa siyakufuna, noma kunjalo."

Yilokho impela nje okwenziwe yibandla lamaPentecostal.

104 Yingalesosizathu ngingawajoyini. Impela. Ngifuna ukuhlala ngiyintombi phambi kukaNkulunkulu, neZwi laKhe. Noma ngabe ba . . . Angidingi ukuba ngibe nemibukiso emikhulukazi nezinto ezinjengalokhu. Ngikwenqabile. Angifunanga ukuzithola sengibopheke ngqi. Lokho kwakungesikho ukuhlakanipha kwami; lokho kwakungukuhlakanipha kukaNkulunkulu. Uma ngangidingeke ukuba ngiphume, ukuze ngikwazi uku . . . ukuba ngibe ngoncelana nabantu noDeveli, futhi ngibatshele ukuthi, "Yebo, ngifanele ngibe *nengaka* eyokusakaza, futhi ngifanele ngibe *nengaka* ya*lokhu*. Nifanele nikukhokhele," bengiyodingeka ngidonse izintambo kanjalo, nami. Kodwa angikaze nginitshele lutho eGameni leNkosi ngaphandle kwalokho okufezekayo. Angikaze nginitshele lutho kepha iZwi. Zahluleleni, nina. Sengake nganicela noma yini na? Qhabo, mnumzane. Qhabo. UNkulunkulu ukuqikelele lokho. Anginazinhlelo ezinkulu ukuzesekela. Ngeke ngaba nalo olulodwa. Wonke ongokaNkulunkulu uzomuzwa uNkulunkulu. Zizwele uholwa nguMoya nje ukuthi yiya kuphi nokuthi yenzani, futhi ukwenze lokho, yilokho kuphela okudingekile. Kugcine lokho. Hhayi uhlelo olukhulukazi uhlelo lokwenza imali enezigidi zamadola kulo, izigidi nezigidi nezigidi, nabanye babo manje bakha izigidi nezigidigidi zamadola kulo.

105 A—angikuzwa kukubi ukugxeka. Kungukugxeka osekufanele. Angifuni-kulimaza-mizwa yamuntu. Kodwa ngiqoka ukulimaza imizwa yomuntu, ukuthi ngilimaze umuzwa kaNkulunkulu. Uma Ekuyalezile futhi wakuthumela phandle lapha, wenza lezizinto, futhi wakufakazisa phakathi kwabantu, khona-ke ufanele uLizwe. Nginitshela iQiniso. UNkulunkulu uyakufakazisa ukuthi kuyiQiniso. Kuphela nge . . . Hhayi kuphela izibonakaliso zaKhe, kodwa Ukufakazisa ngeZwi laKhe, yiQiniso. Lokho kunjalo impela.

106 Ngakho umlobokazi kaJehova wayehamb'efeba. Futhi wenzani na? Wazala isigejane samavezandlebe futhi. Kunjalo na? Siyazi ukuthi yiQiniso. Waze wathathwa nayiNkosi uNebukadinezari, nokunjalo.

107 UMlobokazi kaKristu wenze into efanayo. Yin'indaba na? Akakwazi ukulinda. O, qhabo. Hhe-e. Nje akakwazi ukulinda. Bafanele bakhiqize okuthize. Abakwazi ukulindela uMoya oNgcwele ukuba ufike ungene eBandleni. Niyabo, bafanele bafake okuningi ehlelweni labo.

108 Ukuba lalihlale ngendlela elaliyiyo emuva ngaleya, eminyakeni eyikhulu eyedlula noma amashumi amahlanu eminyaka edlula, ngenkathi ipentekoste kuqala iqala ukuphuma ngalolosuku lwamuva, lapho iZwi liqala ukuba lishunyayelwe; ukuba lalihlale kanjalo, mhlawumbe belingeke libe namalunga angaphezu kwamashumi amahlanu, namhlanje. Kunjalo. Kodwa bebeyobe begezwe ngeGazi. Bebeyoba naMandla kaNkulunkulu phakathi kubo. Izwe beliyonyakaziswa phansi komfutho walo omkhulu kakhulu weZwi, inyama, likhulunywa, iZwi ngeZwi.

109 Kodwa, namhlanje, ngani, kuyithusi elikhencezayo nensimbi encencethayo. Kunjalo. Kuba ngumbhedo nje, inhlekisa, ihlazo ezweni, ihlazo kuNkulunkulu.

110 Ngahamba ngayongena endaweni, abazalwane abathathu. Abazalwane ababili nami sahamba sayongena endaweni ngapesheya ukusuka eSpringfield, eMissouri, ngokunye ukusa siyodla ukudla kwasekuseni, sivela eArizona. Nenenekazi elincane lapho uMfowethu Woods anginakisa lona, elalibukeka lifana noDadewethu Collins; linobuso obukhanyayo nezinwele ezimhloshana, esikhulu isihluthu sezinwele ngemuva. Futhi wathi, "Lokho akububukeki kufana nomkaMfowethu Wilbur Collins na?"

111 Ngathi, "Kububukeka kufana." Nakhu kuphuma inenekazi eselikhulile. Ngathi, "Ngibona sengathi unina lowo. Awubheke isihluthu esikhulu sezinwele." Ngathi, "Lokho kukhona lapha ngasebandleni leAssembly of God, ikomkhulu leAssembly of God. Yilapho . . . isizathu sokuthi babenjalo."

112 Nenqwaba eningi yodadewethu abancane behlezi phakathi lapho nezinwele ezimisise okwe afro ziphume *kanjalo*. Leso kwakuyizitshudeni. U "ricky" omncane nabo bonke phandle lapho, niyazi, beqhubeka. Bonke bephethe amaBhayibheli bewafake emakhwapheni abo. Ngakho sababhekisisa baze baphuma bonke, begigitheka, behleka, beqhubeka, njengesimanje nje. Lokho—lokho ngokusanhlamvu kwePentekoste okuzobe kukusasa, uma likhona. Ngani na? Ngani na? Ngani na? Ngoba leyo yizimbewu ezihlwanyeliwe. Kunjalo impela.

113 Ngenkathi ephuma, bonke baphuma, lelinenekazi elincane liyajika liyabuya, lathi, "Kukhona enginganenzela khona nonke na?"

Ngathi, "Ngithanda ukukubuza umbuzo."

"Yebo, mnumzane."

114 Ngathi, sengathi nginjengesihambi. Ngacabanga ukuthi lalingahle lisazi. Futhi ngathi, "Akusona yini isikole seBhayibheli lesiya ngapesheya laphaya na?"

Lathi, "Yebo, mnumzane, yiso."

115 Ngathi, "Ngiqagele nithole okuningi kakhulu ukuhweba laphaya." Manje, lowo kwakunguMfowethu Fred Sothmann ehlezi laphaya, noMfowethu Banks Wood lapho, ababili babaphatheli bebandla. Futhi ngathi . . .

Lathi, "Yebo, kunjalo."

Ngathi, "Ngicabanga ukuthi ungowalapho?"

Lathi, "Qhabo." Lathi, "Ngiyaxolisa. Angisuye."

116 Ngase ngithi, "Isizathu esenze ngicabange lokho bekungenxa yalezo ezinhle, izinwele ezinde onazo. Ngicabanga ukuthi umama wakho lowo?"

117 Lathi, "Qhabo, mnumzane." Lathi, "Usebenza lapha nje." Lathi, "Qhabo, angi . . . " Lathi, "Ngiyazithanda izinwele ezinde. Nginentombazanyana. Ngiyenza ukuba ibe nezinwele ezinde, nayo." Futhi lathi, "Umyeni wami uyazithanda izinwele ezinde."

118 Ngathi, "UNkulunkulu ambusise." Futhi ngakho lathi, awu, lathi . . . Ngathi, "Awu, kuyisimanga. Ngabe bekuyizitshudeni lezo ebeziphakathi lapha, lawomantombazane nalezozinwele eziphushwe zaphuma zagundwa kanjalo, njengenenekazi lokuqala na?"

"Yebo." Ngenkathi sihamba . . .

Ngathi, "Ngiyabonga."

119 Saphuma. Ngathi, "UNkulunkulu ubeke lowo wesifazane lapho ukuba akhuze lesosigejane sabantwana abazalwa amabhastela ngale phesheya kumgwaqo." Kunjalo.

120 Ivezandlebe, elilingisa izinto zezwe! Bangaki abesifazane abalingisa uJezibele, inenekazi lokuqala lalelozwe, bangaki kubo enicabanga ukuthi useZulwini, kulobubusuku, namhlanje na? Niyabo? Niyabo? Izinto zezwe! "Uma nithanda izwe noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kini." Nakho lapho okhona. Yini leyo na? Ikhethelo lokugunda kwakusasa, ePentekoste, inhlangano enkulu kunazo zonke esizweni. Nakho lapho okhona. Lowo ngumlobokazi. Angikutholi. Kulungile.

121 Uzama ukwenzani na? O, ukhiqiza ukugxuma okuncane emsamo. Kungesikho ukuhlekisa ngakho; kulungile. Ukhiqiza enye into. Ngani na? Ukuthola amalunga ebandleni. Yin'indaba na? Nje akakwazi ukulinda. Niyabo? Akakwazi ukulindela uNkulunkulu ukuba akwenze. Bafanele bathole amalunga phakathi lapho ndawo ndawo. Ngakho bayabatshela, "Nifanele nikwenze lokho," bese besuka behamba. Niyabo? Nanso imbewu, ikhula impela. "Nizofanele nikwenze." Ngi . . .

122 Ngiyisithunywa senkolo. Ngiwabonile ama-Afrika ethatha igazi lesilwane futhi azithele ngalo, *kanje*, enqunu, abesilisa nabesifazane. Bazipende ubuso. Kuvela lapho-ke. Upende uvela okhondolweni lwabahedeni: akusithina zidalwa ezingabantu, amaKristu, amakholwa, akukaze kube khona. Kwakungekho ku. . . Oyedwa owesifazane, kulo lonke iBhayibheli, owake wazipenda, lowo kwakunguJezibele, udeveli. Ngakho-ke u. . . Bazipenda ubuso. Izinto ezinkulu ezinde ezindlebeni zabo, njengeziqhaza zokhuni, amaZulu. Yisiqhaza sokhuni, senza inyama yendlebe inwebeke ilenge *lapho*. Ngezinye izikhathi behlukanise izindebe zabo, futhi bazifake ziyophuma ngale. Becabanga ukuthi kubukeka kukuhle. Balibeke, phezu kwamabele abo futhi behle bagqize imilenze nezinto, igazi, bese bethatha futhi benze imishwe njengedube. Futhi bamemeze, basine emoyeni, futhi bakhulume ngezilimi, futhi bakhonze odeveli. Isibonakaliso sokuthi unoMoya oNgcwele?

123 Ngike ngabakhona lapho eNdiya lapho ababenabahamba emlilweni, nakho konke okunye, futhi ngiyazi kuyiqiniso. Isithixo esikhulukazi lapho esinohlobo lwamatshe aligugu abomvu klebhu ezindlebeni, kube ngamacici, nezinto ezinjalo. Futhi bafaka izinto zokubahlupha, futhi bazibhoboze inyama yabo, futhi—futhi bazishaye. Futhi bathunge izindebe zabo ngqi uma beqambe amanga, futhi benza ukuzisola. Futhi batshutshe inkemba ezindebeni zabo *lapha*, noma babhoboze isilevu sabo, yenyuke ize iyobhoboza ikhala labo, futhi bayithunge *kanjalo*. Bathathe amakhulu amahhuku ezinhlanzi, enamabhola anjengawesihlahla sikaKhisimusi kuso, baligcwalise amanzi, bese behhuka izinkulungwane zawo emzimbeni wabo, babhoboze inyama impela. Futhi bawelele lapho bese besina bazungeze lesisithixo, kanjalo, bese bebulala imbuzi bese benza ukukhonza okunje. Bese behamba phezu kwawo impela umlilo obomvu oshisayo, bangabi nasibashu. Abanye benu maPentecostal kuzameni.

124 Kodwa kwenziwa, abantwana bamaHeberu, kodwa abazange bayilinge iNkosi uNkulunkulu wakho. Baphoswa kuwo nje. Abazamanga ukukhiqiza into ethize.

125 Yileyo indaba ngamaPentecostal namhlanje, akhiqiza into ethize. Awakwazi ukulinda. O Nkulunkulu! Awakwazi nje ukulinda, ngakho ayaphinga. Amen. Ukhula, ukukhiqiza into ethize, futhi izalani na? Njengoba yenza esikhathini sokuqala, umlobokazi wokuqala ongazange alinde.

126 Waletha ukufa ngomntwana owazalwa yibhastela, esingabantwana balo sonke. Kodwa uNkulunkulu wafika enyameni, ukuba asinike okunye ukuZalwa, ukuba asibuyisele emadodaneni nasemadodakazini asekuqaleni kaNkulunkulu. Niyabo? Nakho lapho okhona. Isidoda sokuPhila sikaEva asizange senzeke. Asizange. Ngani na? Wasixubanisa. Wasiqhelisa, esikhundleni sokuba uAdamu eze kuye ukuba abe

ngumlobokazi, lapho isikhathi esinqunyiwe sasiyobe sesifikile. Njengoba uKristu eyofika nje, wayezofika eqenjini. UKristu wayezofika eBandleni laKhe. Wethembisa ukukwenza.

127 UNkulunkulu wethembisa ukubandisa, kodwa babefanele balinde kuze kube yisikhathi sikaNkulunkulu.

128 Yileyo indaba namhlanje. Abafuni ukulindela isikhathi sikaNkulunkulu. Bafuna ukuthola enye into. Futhi ngakho uDeveli unokuhlakanipha khona lapho ukuba abanike khona, benze inhlangano, ibenkulu kunazo zonke ezinye zazo.

129 Manje niyabona ukuthi kungani ngimelene nayo na? Impela. Ngimelene nayo, ngakho konke okukimi. Inqobo nje uma iZwi liphakathi lapho, Liyohlala njalo limelene nayo. UNkulunkulu umelene nayo. UNkulunkulu wathi Wayemelene. Kunjalo.

130 Nje akakwazanga ukulinda, ngakho isidoda sikaEva asizange senzeke. Wakubhastela emangeni kaSathane, umlobokazi wakhe othandekayo uba ngosewonakele. Futhi wenzenjalo nomlobokazi kaKristu. Umlobokazi, yini eyamenza wonakala, umlobokazi ka-Adamu, manje na? Ngoba akazange ahlale neZwi likaNkulunkulu. Kunjalo na?

131 Ngiyabuza. Manje, uma kungenjalo, ningakusho. Kodwa uma kunjalo, kushoni. Isizathu sokuba okukaNkulunkulu... Isizathu sokuba umlobokazi ka-Adamu...Nampo abathathu: UAdamu, uKristu, uNkulunkulu. Isizathu sokuba umlobokazi ka-Adamu engazange azale kahle, uMntwana wokuPhila, yingoba akalikholwanga iZwi likaNkulunkulu. Uma lokho kuqinisile, thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Isizathu sokuba umkaJehova alahlwe, noma umlobokazi waKhe, kwakungoba wenqaba iZwi likaNkulunkulu, umprofethi. Kunjalo na? ["Amen"] Isizathu sokuba umlobokazi kaKristu elahlwa ngesahlukaniso, yingoba wenqabe iZwi likaNkulunkulu, njengoba kwenza uEva, njengoba kwenza bonke abanye. ["Amen."] Impela. Zonke izifebekazi, zonke zonakala, umyeni wazo akakwazanga ukufinyelela kuzo. Zase zivele zikhulelwe ngaphambi kokuba umyeni wazo afinyelele kuzo. O Nkulunkulu, uma lokho kungesikho okubukeka kukubi! Cabanga ngensizwa ifika kowesifazane, futhi imthole esenembewu yenye indoda kuye. Into enje pho! Yilokho okwenziwe nguNkulunkulu. Yilokho okwenziwe nguAdamu. Yilokho okwenziwe nguKristu. O! Yabo.

132 Akazange ahlale neZwi, futhi wabangela i—isimo sokubhastela. Yilokho okwenziwa nguIsrayeli. Niyabona ukuthi ukuphi na? Yilokho okwenziwa ngumlobokazi kaKristu. Niyabona ukuthi ukuphi na? Ubuyele ngqo kubobonke abanye.

133 Umlobokazi wePentecostal kaKristu wenza into efanayo. Akakwazi ukuzala abomoya, abaNtwana beZwi, ngoba uyibhastela qobo lwakhe. Angakwenza kanjani, abe eyibhastela qobo lwakhe namahlelo na? Usewajoyinile, nakho konke,

ngokufanayo nje njengoba enjalo. Uphakathi noMkhandlu wamaBandla, konke okunye, ibhastela nje njengoba onke amanye enjalo. Angakwenza kanjani na? Akakwazi.

134 Manje, nginokuningi kakhulu nje enginokukusho, futhi ngifanele ngijahe nje phezu kwalezi. Ngi . . . Ngakunye kwakho ngifuna ukushumayela ngakho. Niyabo? Manje bhekisisani.

135 UMlobokazi weQiniso, haleluya, uzobakhona Oyedwa. Ngani na? Umiselwe ngaphambili. Angeke ahlelwe, ngoba Umiselwe ngaphambili. Niyabo? Akadingi kukhathazeka ngehlelo elithize. Usevele umiselwe ngaphambili ukuba athathe indawo. Bukani. NjengoMariya . . .

136 Ngifuna nikuthole lokhu manje, futhi ningehluleki. Senilungele na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

137 Lapho uKristu efika kuMlobokazi waKhe, Uyoba yintombi njengoba wayenjalo uMariya. Ngokuba uNkulunkulu akayikumletha uKristu ngesizalo sesifebekazi, futhi kanjalo Akayikumletha uMlobokazi. Angeke Aletha iZwi laKhe ngesifebekazi seZwi laKhe.

138 Lawo ngamagama amabi kabi, kodwa yilokho okwashiwo yiBhayibheli. Ngisho lokho Elikushoyo. Isizathu, Li . . . Lokhu kuzofanele kuqondwe

139 Ukufakazisa, uMlobokazi weqiniso, njengoMariya, uyoba nesizalo sentombi soMlobokazi weZwi, onguKristu. Nxa uKristu, iZwi, efika kuMlobokazi, Uyofana njengoba enjalo Yena, intombi ngeZwi. O Nkulunkulu!

Ngiyathemba—ngiyethemba kuyawela, Mfowethu Neville. Ngi . . .

140 Niyabo? Niyabo? Ngiyethemba niyaqonda. WaYeyini na? IZwi, iZwi likaNkulunkulu. "Engutsheni yaKhe WayeneGama elilotshiwe, 'IZwi likaNkulunkulu.'" "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi, wenziwa inyama wakha phakathi kwethu." UnguNkulunkulu, noNkulunkulu uyiZwi.

141 Futhi nxa uMlobokazi waKhe efika, Uyoba ngumkhiqizo ofanayo nalowo Ayiwo. Intombi! Ngabe uKristu wayengowehlelo na? Ngabe uJehova? Kanjalo noMlobokazi waKhe akasuye owalo. Uyingxenye yaKhe. Akadingimbhedesho. Angeke aze abe nawo. Uyoba yintombi ngokoqobo. Kanjani na? NgeZwi. Amen. Uyogcizelela lonke iZwi uNkulunkulu alishoyo, ngo, "Amen! Amen!" O! "Akube kimi njengeZwi laKho. Amen!" O, he! Nakho lapho okhona. Gcizelela iZwi likaNkulunkulu.

142 Unesizalo sentombi. Uyophuma kuphi na? Esizalweni sentombi, iZwi. Waphuma kuphi uJesu na? Esizalweni sentombi. Niyabo?

143 Lapho uAdamu efika kumkakhe, wayesekhulelwe. Wayenze into ethize. Wayesexutshiwe. Wayebhasteliwe, umntwana, futhi kwafa. Kodwa lapho uJosefa efika kumlobokazi wakhe, wayekhulelwe, kodwa enokuPhila. Umka-Adamu, noma umlobokazi ka-Adamu, lapho uAdamu . . . Bengakahlangani; njengoJosefa noMariya nje, njengoKristu nje neBandla manje. Anikuboni na? [Ibandla lithi, "Amen,"—Umhl.] Niyabo?

144 Futhi bengakahlangani, uAdamu noEva, wayesekhulelwe imbewu eyonakele evele enyokeni. Futhi lapho uAdamu efika kumkakhe, wamthola ekhulelwe ukufa. Niyabo? Ukufa! Kanjani na? Ufe ngokomoya nangokomzimba.

145 Kodwa lapho uJosefa, umuntu, efika kumkakhe . . . Udumo! Kungaselula ukumbamba. Wayekhulelwe ukuPhila, iZwi likaNkulunkulu, inyama esizalweni sakhe.

146 Ubuyisa leloZwi elikhulunyiwe, ubuyisa leloZwi likaNkulunkulu okwabe kuyiZwi lapha, lifika ngesizalo somuntu. Amen. UNkulunkulu uzokwenza, noma yikanjani. Wakukhuluma, futhi kufanele kube njalo. Amen. Lowo nguNkulunkulu wethu. O, lokho kucebile, bazalwane, uma ningaLincibilikisa, ningaLishaya.

147 Yilapho athola khona, lapho—lapho uAdamu efika kumkakhe, wayekhulelwe imbewu engafanele. Lapho uJo- . . . Leyombewu yafa. UJosefa ufika kowakwakhe, wayekhulelwe. Manje, yini eyabangela ukukhulelwa okwehlukene na? Ngenxa yokuthi umka-Adamu wangabaza iZwi. Kunjalo na? Umlobokazi kaJosefa walikholwa iZwi. Umehluko.

148 Ngakho, kuyini, manje-ke? YiZwi, o, leloZwi eliyigugu. Liyilo. IZwe labunjwa ngeZwi likaNkulunkulu. Haleluya! Nakho ukuhlala kwami, khona lapho. Onke amahlelo nakho konke okunye makuwe, benze abazokwenza. Ngimi kuleloZwi.

149 Yingakho ngenze lokho engikwenzile. Yingakho ngiwabeke phansi amahlelo. Awusho, "Awu, nje uyi . . . ubhidliza amabandla." Basho into efanayo ngeNkosi yethu. Niyabo? Bakusho ngaso sonke isikhathi. Niyabo?

150 Manje, manje, Wamthola. UKristu ufika kumlobokazi waKhe; Utholani kuye na? Into efanayo. Ngani na? Lapho kuqala eqala ukuphuma . . . Manje lalelani. Angifuni nikugeje lokhu. Lapho eqala ukuphuma, wayeyintombi. Wayezoba kahle. Waqhubeka ngqo, lelobandla lasekuqaleni, lalivamise ukuba yisimangaliso. UNkulunkulu waMnika umlobokazi, futhi wenzani na? Uma niwazi umlando, ngo 606, wehlela ngqo lapho futhi wazikhulelisa yena uqobo ngombhedesho wamaRoma, inhlangano. Futhi kusukela kulokho, kuqhubeke, leso esidala "isifebekazi esingumama," eBhayibhelini, sizala amabandla, futhi ayeyi "zifebe," okuyisifebekazi. Lokho ngamaProtestane, ngoba zona zazi, zonke, zizalwa nguye ngqo, futhi zonke

zathatha into yazo uqobo, inhlangano. Manje niyabona ukuthi yingani ngimelene nayo na? Kulungile.

151 Manje, ngokuba ukuzalwa kweZwi kunguKristu, hhayi okoniwe ngamahlelo. IBandla lasekuqaleni, kungekho-mahlelo, iZwi nje, nokuniselwa ngenkasa ngoMoya. Mfowethu, i... UNkulunkulu wendlala phansi iZwi kanjalo, noMoya oNgcwele waLinisela ngenkasa, futhi Laya lapho-ke. Lazala abantwana. Impela.

152 Kodwa lelibandla ngeke likwenze. Lihlelwe kakhulu. Niyabo? Alikwazi ukukwenza. Linezwe lixutshwe nalo. Bukani ukuthi benzani, manje. Manje ini na?

UNkulunkulu waqinisa iZwi laKhe ngoMzimba waKhe. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—]

153 Lase-ke lihamba lifeba, njengoba kwenza umka-Adamu eEdene, nanjengoba kwenza umkaJehova ngezinsuku zikaSamuweli, owathatha inkosi. Wehlukanisa noNkulunkulu, iNdoda yakhe ayeyimiselwe neZwi laKhe; nomprofethi waKhe, isizalo saKhe sokuphumisa iZwi laKhe; futhi wahamb'efeba, njengazo zonke izizwe. Futhi uNkulunkulu wehlukanisa naye. Kuyafana njengoba Enze namhlanje. Isenzo esifanayo.

154 Amadodana omlobokazi ayaphinga, niyabo, ne... Umlobokazi, iNdodana kaNkulunkulu...Umlobokazi wakhe ovele ePentekoste, intombi eneZwi, wahamb'efeba futhi waphinga njengoba nje kwenza umka-Adamu, njengoba nje kwenza umkaJehova. Futhi nangu umkaNdodana, uhamb'efeba, ephinga nonkulunkulu bamaRoma; ubuningi, onkulunkulu! Nangenxa yesithandwa saKhe, onkulunkulu bamaRoma wazama ukuthatha iNdoda yakhe uqobo wase eYehlukanisa kathathu, ukuthokozisa izithandwa zakhe. Nkulunkulu hawukela i...Impela, banamakhulu onkulunkulu; o, impela, uAstarte, unkulunkulu welanga, no—noBalami unkulunkulu welanga, nendlovukazi yezulu, nayo yonke leyonto lapho. Ngakho, umlobokazi...ukuthokozisa izithandwa zakhe ezinesimilo esibi.

155 Akakhulumanga yini uNkulunkulu laphaya eziHlabelelweni zikaSolomoni, futhi washo mayelana nokuthi umfazi waKhe wayengelutho ngaphandle kokuthi ungunondindwa, futhi wayehlala egovoze ngaso sonke isikhathi, futhi wathatha zonke izithandwa eziza ngakuye na? Ngikhuluma kucace bha, kodwa yilokho iBhayibheli elakushoyo. Onke amadoda ayefuna ukugijimisana naye, ayegijima naye.

156 Leyo yinto efanayo umlobokazi kaKristu ayenzile. Wagovozela yonke endala, injwayelo engcolile yayo yonke inhlangano abake babanayo, benza into efanayo.

157 Ngizothola ukugxekwa ngaLokhu. Kulungile. Ngizobusiswa ngaKho, futhi, ngoba Kuzoba yiQiniso. YiQiniso

likaNkulunkulu. Isizathu, Ufuna Kushiwo, futhi nakhu Ku . . . Ngizama ngamandla ami onke ukuKusho. Niyabo?

158 Wazama ukuthokozisa izithandwa zakhe eziningi. Enze njalo, wabhastela, wazama ukubhastelana nezithandwa zakhe, iZwi likaNkulunkulu. Ukuze kungasebenzi, ngakho wathi, "Kujivaze Lokho," futhi wazenzela iZwi lakhe uqobo. Manje uzisho ukuthi uyiZwi, uqobo lwakhe. Kodwa ningawavumeli amaKatolika . . . noma amaProtestane abize amaKatolika, ngoba enza okufanayo emkhandlwini wamabandla awo uqobo, efeba. Akumangalisi ebizwa ngezifebe. Lokho kugqakazekile, akunjalo na?" Lokho kunishuke isikhumba sasuka emhlane wenu, kodwa kuthatha lokho ukukwenza, ukuniphaphamisa ngesinye isikhathi. Kunjalo. Yilokho impela akwenzileyo. Washiya uJesu, uMyeni-Zwi.

159 Futhi njengoSamuweli, bashiya uSamuweli futhi bathatha uSawulu. Bashiya umprofethi, egcotshwe ngeZwi, futhi bathatha inkosi enentonga yobukhosi. Okwakuzothi, ekugcineni eze eNkosini, intonga yobukhosi esikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Kodwa manje usenqatshiwe. Waya kwabeZizwe ukuyofuna uMlobokazi. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] YiZwi.

160 Manje, washiya uJesu, iZwi; uJesu, iZwi; futhi wagana enye indoda, ethiwa uphapha, nombhedesho. Manje akasenaye uJesu. Usenophapha. Manje asisenaye . . . IProtestane alinaye uJesu. Linehlelo, into efanayo, umfanekiso kuso isilo. Ngakho, akakwazi ukuZala ngokweZwi abantwana bakhe, akekho namunye wabo. Uyisifebe, uqobo lwakhe. IBhayibheli lathi wayeyiso. "Wayephethe isitsha ngesandla sakhe, futhi wayenikana ngemfundiso yakhe kubantu, eyayiyisinengiso, ukungcola kobufebe bakhe." Yini ubufebe na? Kungukuphila ngokungahlanzeki. Futhi ngemfundiso yakhe ayinika abantu, ngukungcola kobufebe bakhe. "Namakhosi omhlaba, nakho konke, kwadakiswa yiwayini lobufebe bakhe." Kunjalo impela. Babukeni. Mfana, babengakunquma umqala, ngomzuzu, ngenxa yalokho. Kungesiwo amaKatolika kuphela, kodwa namaProtestane.

161 Lalelani, nina naMethodisti. Ubani owabulala uJoseph Smith na? Manje niyakikiliga? Nakuba, angikholelwa emfundisweni yakhe, kanjalo angikholelwa nakweyenu. Lokho akukho phandle lapho; kulapha. Yingalesosizathu. UJoseph Smith wayenelungelo elifanayo nje impela ukushumayela inkolo yakhe lapha kulesisizwe, njengoba nenza, kodwa nambulala enhla lapha eIllinois. Namdubula, ngaphandle kwesizathu, ngoba wayenento ethize ehluke kancane. Bese nimpongolozela ibandla eliKatolika. Phumani kulesosixheke sombhedo, nina maMethodisti omiselwe ukuPhila okuPhakade. UJohn Wesley ubengaguquka ethuneni lakhe; niziphatha kanjalo. Impela, liyokwenza. UJohn Wesley akazange aqambe ibandla elinjalo.

Isixheke so rickies no elvisi sakwenza emva kokufa kukaJohn, kunjalo, hhayi uJohn Wesley.

162 Akusiwo lawomapentecostal amadala asekuqaleni ukuthi ake enza umphumela onjengalo. Yiqembu elifanayo, emva kwalokhu ukufa. Kunjalo. UJesu Kristu wayengeke aqambe into enjengalena esinayo manje, ebizwa ngePentekoste, kanjalo noMoya oNgcwele wayengeke. Kodwa yinto eninayo lapha, esikhundleni.

163 Kodwa uMoya oNgcwele uyinto abangeke bayibulale manje. Kuzothatha uMlobokazi, empeleni. Amen. Kuzothatha oYedwa, empeleni. Wathi Uyokwenza; wammisela ngaphambili.

164 Washiya uJesu, uMyeni-Zwi wakhe ukuba agane uphapha, ngakho akakwazi ukuZala, ukuZala ngokomoya. Angazala ngokwehlelo, manje. Unenqwaba yembewu yalokho. Akakwazi ukuZala ngokomoya. Yena, ngoba wayeyisifebe, into kuphela angayinikeza ngukuphila kwehlelo nenqwaba yokusakazwayo.

165 Ibandla eliKatolika, qobo lwalo, lenziwe phezu kwezinkoloze ezimbalwa zobuKristu ne—nesigejane sobuRoma.

166 Nebandla lamaPentecostal nalo libi nje, isigejane sokugxuma, nokumemeza, nokukhuluma ngezilimi, nezinto ezinjalo. Uma sekwehla, ulaka olwenele ukulwa nesaha lomshini, bese bekukhipha ebandleni labo. Uma uNkulunkulu engena lapho futhi wavusa abafileyo, uma ungavumelananga nabo, bebeyokukhipha bakuxoshe uma ungesuye owenhlangano yabo.

167 Manje, lona omdala "umama oyisifebe," ngibuyela kuye umzuzu. Uzisho ukuthi unamandla okuthethelela izono. Kodwa, awehlulelwa ngokuzisho kwakho, awaziwa ngokuzisho kwakho. Waziwa ngemisebenzi yakho. Ubengasithethelela kanjani isono na? Mbukeni.

168 Ngenkathi uJesu enza into efanayo, bathi . . . "NiyaNgilahla, Ngikhombiseni lapho eNgingalikholwa khona iZwi." Uzisho ukuthi unamandla okuthethelela izono, kodwa lokho kufika kuphela ngeZwi. Kunjalo. UNkulunkulu, kuphela, ongathethelela izono. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—] Abazange bakusho yini labobaFarisi lokho na? Kwakuyini umqondo na, indaba ngesigejane sabazenzisi na? Ngani na? Ngoba ababonanga ukuthi lelo kwakuyiZwi limi nabo. UyiZwi. Udumo kuNkulunkulu. Yingaleso sizathu Wayekwazi ukuthethelela izono. WayenguNkulunkulu. WayeyiZwi elibonakalisiwe.

169 Manje ibandla eliKatolika lathi uJesu wabanika amandla. Wakwenza; Unika iBandla amandla. Kunjalo. Siyakukholwa lokho.

170 Onke amadodakazi alo ayizifebe. Onke amadodakazi alo, amadodakazi alo ehlelo, ayizifebe. "Mfowethu Branham, lelo

yiZwi elikhulu." Akusilo iZwi laMi. Lelo yiZwi laKhe. Kunjalo impela. Akusilo elami. NgelaKhe. Kulungile.

171 "Kanjani," wena uthi, "ayizo kanjani, aba yizifebe kanjani na? Awu, angabantu abalungileyo, *us'bani-bani*."

172 Angisho-nto ngalokho. Angisho ukuthi bayini. Angisho ukuthi iKatolika alisibo abantu abalungileyo, balunge njengawo wonke umuntu. Bayizidalwa ezingabantu, njengoba sinjalo nathi. Kodwa, uma sekufika kulelobandla elidala, lisephutheni. IProtestane nalo lilungile nje. IMethodisti ilunge njengayo nje iBaptisti noma amaPentecostal, kumbe noma ubani omunye. Afana onke.

173 Kodwa into yalo eyiyona yile, angaba kanjani-ke yisifebe na? Ngani na? Mnike isivivinyo seZwi. Ukwazi kanjalo-ke. Ehhe. Mzame eZwini, kanye, bese ubona ukuthi uthini. "O, kusobala, siyafundiswa ekholiji ukuthi—ukuthi lezozinsuku azi . . . Yi . . . Kwakuvamise ukuba ngaleyondlela, kodwa, ha, lokho kwakusemuva le ngezinsuku zabaphostoli. Lokho kuphela kwakungokwabaphostoli, kuphela." Nina enibizwa ngebandla likaKristu, "Khuluma lapho iBhayibheli likhuluma khona, futhi uthule . . . " Awu, ngingathanda ukunizwa nenza okunye ukukhuluma manje. Ehhe. Ehhe. Ehhe. Qhabo. Thulani du. IZwi likaNkulunkulu lithulisa konke du, mfowethu. Akukho-muntu ongaqhosha. Kunjalo.

174 Onke amadodakazi alo ayizifebe. Kanjani na? Ngokufanayo njengonina, ephinga ngokomoya ngokumelana neZwi. Liba yisifebekazi kanjalo-ke ibandla eliKatolika, aba yizifebe kanjalo-ke amadodakazi alo, into efanayo, ukuphinga ngokomoya ngokumelana neZwi.

175 Lona namadodakazi alo linesizalo esifebayo. Ngukufa kuphela okungavela kubo. UNkulunkulu angeke akuletha ukuphila ngokufa. Futhi noma yini ezalwa ifile ayiphili. Futhi inga . . . NjengoJobe wathi, "Ungakuveza okuhlambulukile kukho okungahlambulukile na? Qha, akekho noyedwa." Kunjalo. Angazala kanjani, qobo lwakhe, abe efile, qobo lwakhe na? Angaba kanjani yintombi kanti uyisifebekazi na? Niyabo? Nakho lapho okhona. Yileyonto yonke. O, he!

176 Manje sizoshaya into ecebe ngempela, egcwele amavithamini, kusukela kuGenesisi kuya eSambulweni. Qaphelani.

177 Futhi yena namadodakazi akhe unesizalo sesifebekazi. Ukufa kuphela okungavela kubo. Uma ufuna ukujoyina inhlangano, ucabanga ukuthi ukahle, uyabona ukuthi wehlikela kuphi. Wehlela khona impela phakathi kokufa. Impela nje. Uma ungeke wakubona lokho manje, uphuphutheke ngokomoya. Niyabo?

178 Manje, asibuyele emuva manje futhi sicaphune futhi, futhi sehlele into ethize. Niyakhumbula ukuthi inkonzo yangeSonto

eledlule yayinjani na? "Isango eliya emphefumulweni." Niyakhumbula na? Manje, kukhona isizalo sangokwenyama. Kukhona isizalo somoya. Benikukholwa lokho na? Kukhona isizalo sokomoya nesizalo sokwenyama. Nomqondo uyisizalo esiya emoyeni. Ngani na?

179 Manje khumbulani. Nganitshela ngeSonto eledlule, futhi nganidwebela khona lapha. Lemizwa emihlanu ongena kulembewu uvela ngaphandle; ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, ukuzwa. Mihlanu ngaphakathi; unembeza, no—nokunjalo, uvela kwemihlanu engaphakathi. Manje, ngasohlangothini lokuPhila, munye kuphela. Lokho ngukuthi, usezisekelweni zokuba nokuzikhethela, ukuba wemukele, ungenise noma udedele kuphume. Niyabo?

180 Kuba kanjalo-ke ukuphinga . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Umzuzu nje. [Akuqoshwanga eteyipini.]

181 Kuphingwa kanjalo-ke, ngokomoya; uma wena, wazi kangcono, ngeZwi likaNkulunkulu, ngokulalana komqondo, ufake phakathi amanga kaDeveli, ngokumelana neZwi likaNkulunkulu.

182 Yilokho impela okwenziwe nguEva, ngokulalana ngokomoya, kuqala, okufika ngokukholwa ngamanga kaSathane, kungene esizalweni somqondo wakhe. Lokho kona umphefumulo wakhe, kwafaka ukufa emphefumulweni, kwase-ke kwenzeka isenzo semvelo.

183 Futhi yileyondlela kuphela owesifazane angake aphinge ngayo kumyeni wakhe, ngukuba kuqala avumele enye indoda ikhulume naye ngakho, bese emukela enye indoda engesuye umyeni wakhe. Khona-ke usephingile.

184 Futhi nxa umlobokazi kaJesu Kristu evumela izivumokholo ezenziwe ngumuntu nemibhedesho kuthathe indawo yeZwi likaNkulunkulu, uyaphinga. Akashongo yini uJesu ukuthi, "Yilowo nalowo obuka owesifazane . . . usephingile naye enhliziyweni yakhe; obuka owesifazane amkhanuke, usephingile naye na"? Ngani na? Owesifazane ukuvumela kungene emqondweni wakhe owesilisa. Leso yisizalo esiqala ukunyakazisa izinto. Kungena uSathane.

185 Thina sahlwanyelwa ngeZwi. "Ngelinye ilanga, Ngiyoletha ukuPhila emhlabeni futhi ngi re-multi- . . . ngigcwalise umhlaba." Lokho uEva ahluleka ukukwenza, uMariya wakwenza. Wathatha iZwi. UEva wathatha amanga kaSathane. UMariya wathatha iZwi likaNkulunkulu. Futhi ngeMbewu kaMariya, ugcwalisa umhlaba futhi, ngoMlobokazi waKhe, ngeZwi, futhi uzokhuphula isikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Ngakho lokho kuphuma iZwi, neZwi litshalwa kuyo yonke inhliziyo emiselwe ngaphambili. NoMoya uyehla futhi uyaLinisela, futhi ngeke bafe. "Ngiyakumvusa

ngemihla yokuphela." O, mfowethu, dadewethu, lokho—lokho kuyikho ngempela.

186 Kuyini na? Umqondo uyisizalo sikamoya, (Ini?) ukungenisa noma ukudedela kuphume. Baphinga kanjalo-ke, ngukuthatha, uvumele uSathane othize, umoya kadeveli ufake kubo into ethize emelene neZwi likaNkulunkulu. Khona-ke usephingile.

187 UEva wemukela . . . Lalela lokhu. Izwi-mbewu elingafanele, amanga kaSathane amelene neZwi likaJehova, imiphumela kwaba ngukufa.

188 Manje, sizosuka kulendaba, emizuzwini embalwa. Kodwa ngifuna kugqonqeke kahle kakhulu ngaphambi kokuba kwehle, indawo engizoma kuyo. Ngizokweqa ikhasi lapha, cishe manje, umzuzu.

189 Manje bukani. UEva, we—wenzani na? Wemukela imbewu engafanele. Wakwenza kanjani na? Ngokukholwa amanga kaSathane. Bangaki othi lokho kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngani, impela, kunjalo. Impela. Wemukela amanga kaSathane. Wazalani, ngokukwenza na? USathane wathi, "Uyazi, lokhu kuhle kakhulu. Lena yinto eyisimangaliso. Uyazi nje ukuthi wenzelwa lokho na? Ngani, eqinisweni wenzelwa lenhloso."

"O,ngenzelwa yona?"

190 "O, kuyabukeka esweni. Kuhle. Ufanele. Ufanele ukuzame."

191 "Kodwa iNkosi uNkulunkulu yathi, 'Hhayi—hhayi—hhayi lokho, hhayi okwamanje.' Linda, linda umzuzu. Qhabo. Qhabo."

"Kodwa, uyazi . . . "

"O, uma senza, sizo . . . "

"O, awuyikufa nokufa."

192 LowoDeveli onolimi oluhlakaniphe ngobuqili. Akanazinselo namsila oyimfologo, qha, njengoba baye bazame ukunenza nikholwe. Uyisihlakaniphi esinobuqili emva kwepulpiti. Kunjalo. Ehhe. Noma, uriky othize omncane nezinwele zakhe zikanywe zabhekiswa phansi njengedada, ehlezi eqhiyeme laphaya, ukulimaza indodakazi kamama, yilowomfo ofike azulazule enobuqili obuncane njengencane . . . O, ngizokuyeka lokho kuhambe.

193 Manje, isizalo, uEva wemukela izwi-mbewu elingafanele. Manje lalelisisani ngempela manje. Sizokubethela phansi ngqo lokhu, uma iNkosi ithanda. Wemukela izwi elingafanele. Lenzani na? Kwakungamanga kaSathane, wathi "Wayezohlakanipha."

194 "Awu, wayengasonta ebandleni elikhulu. Wayezocatshangelwa kahle edolobheni. Ngani, wayezoba njengabo bonke abanye abantu." Hhe! Impela. Yilokho impela okwakholwa ngumlobokazi kaJehova. Kuyilokho impela.

195 Yilokho impela uSathane ayeyozama ukukusho lapho iZwi lifika kuMariya. Kodwa wamthuntutha.

Wathi, "Lokhu kungenzeka kanjani na?"

196 Yathi, "UMoya oNgcwele uzokusibekela. YiZwi likaNkulunkulu."

197 Wathi, "Akube-kimi njengeZwi laKho." Lokho kwaletha ukuPhila. Nakho lapho okhona.

198 "Awu, uyazi," uSathane wathi, "bonke bazokuhleka." Leyontombazanyana enezihlathi ezibomvu ayikunakanga nhlobo lokho.

199 Yenyuka ngqo yaqonda eJudiya. "Uyazi, ngizoba nengane," ingakezwa lutho, ngoba iZwi lase livele libekiwe lapho. Kwaba yilokho kuphela. Ayidingekanga ukuba yedlule emgqeni womkhuleko, okwesibili, niyazi. Qhabo, qhabo. Qhabo, mnumzane. Qhabo, mnumzane. Yakukholwa. Yayingenaphawu lokuphila. Yayingenalo neze uphawu lokukhulelwa, nhlobo. Ayizange izwe lutho. Njenge . . . Yonke into yayikade injengoba ibinjalo nje. Kodwa yahamba, itshela wonke umuntu. "Ngizoba nengane yami." Ngani na? "UNkulunkulu washo njalo." Yini leyo na? IMbewu yobukhosi ka-Abrahama.

"Uzoba nengane, Abrahama, ngalowo wesifazane na?"

"UNkulunkulu washo njalo."

"Awu, wena wangitshela lokho, eminyakeni engamashumi amabili-nahlanu eyadlula."

"Ngiyazi, kodwa uNkulunkulu washo njalo."

200 Yilokho-ke. Nakho lapho okhona. Leyo yinto efanayo. Uthini namhlanje na?

"Awu, niyazi ukuthi ihlelo lizokukhahlela likukhiphe."

"Kodwa uNkulunkulu washo *njalo*. UNkulunkulu washo *njalo*."

"Awu, uyazi, uma ubhaphathizwa kanjalo . . . "

201 "Awu, uNkulunkulu washo njalo." Yilokho-ke. Yilokho-ke. Nanso intombi yakho. Nanso. Hhayi kuphela embhaphathizweni, kodwa noma yini enye, lonke iZwi. Niyabo?

202 Ngakho, ini? Lokhu kwakuyikho kokubili, okwenyama nokomoya, kuEva. Kuqala, bese kuba nanganoma yisiphi isikhathi.

203 Nginitshelile, futhi nganicela, kulokhu ukusa, bodadewethu, ukuba ningithethelele, ukuze ngikusho lokho. Noma yisiphi isikhathi owesifazane athatha ngaso isinyathelo esingalungile . . . Ngikhuluma ngoKristu noMlobokazi manje.

204 Kodwa noma yisiphi isikhathi owesifazane athatha ngaso isinyathelo esingalungile, kuqala kufanele asemukele emqondweni wakhe. Kunjalo. Isihlakaniphi esithize esiyiqili

siyamncenga bese eyakulalela abe azi kahle hle ukuthi kuyaphikisana nokwahlulela kwakhe, bese-ke isenzo siyenziwa.

205 Ngakho, kuqala, kwashaya, uSathane washaya umqondo kaEva. Nasesizalweni somqondo wakhe, wangabaza iZwi likaNkulunkulu, kwase-ke kufika isenzo sangempela.

206 Futhi indlela kuphela esingaze sizalwe ngayo ngokusha ingukuthi, kuqala, esizalweni somqondo, semukele iZwi, bese-ke uMoya ufika ube ngaphezu kwaLokho bese uLiletha ekuPhileni. Nakho lapho okhona. Yilokho okukwenzayo. Yilokho ukufundiswa kweVangeli kwangempela, mfowethu. Ngiyakholwa, ukuba uPawulu oNgcwele ubemi, namhlanje, ubeyofundisa into efanayo nengiyenzayo, ngalelihora. Kulungile.

207 Kwabayini imiphumela nga—ngaye na? Ukufa komzimba nokomoya.

208 Yimiphi imiphumela yalabo abemukela enye indlela na? Kungena kulokhu ukutshekula namhlanje abanakho, kokubili ukufa kokomzimba nokomoya. Kokubili umzimba nomoya kuyoshabalaliswa, kungaphinde kube khona. Kunjalo impela.

209 Qaphelani, isizalo sikaMariya. Isizalo sikaMariya, umqondo wokomzimba, niyabo, kwakuyisizalo sentombi. Ngani na? Walikholwa iZwi likaNkulunkulu. Kungenandaba ukuthi noma ubani wayegxeka kangakanani, ukuthi zazingaki izinto ezazishiwo ngomuny'umuntu, lokho kwakungahlanganise lutho nakho. Walikholwa iZwi likaNkulunkulu, kungakhathaleki ukuthini. O, ngifisa sengathi bengingakwedlulisela lokho. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Niyabo? Kuqala kwakungumqondo wakhe. Ngaphambi kokuba isenzo size senzeke esizalweni sakhe sangempela, isenzo sasifanele senzeke phakathi *lapha*, kuqala, ukuvumela umoya ungene ukwenza wonke umsebenzi. O, he!

210 Udumo! Ngaphambi kokuba okwangempela, ukuZala kokomoya kwenzeke, iZwi lizofanele Lithole lona ukuthi lingene emqondweni wakho, uLikholwe. "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akasayikuya ekwaHlulelweni, kodwa u. . .kumbe edlule esikhathini sokuHlupheka, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Yilokho-ke. O, he!

211 Manje qaphelani. Isizalo sentombi, umqondo wayo; umqondo wentombi, ukukholwa iZwi likaNkulunkulu.

212 Wena uthi, "Manje buka lapha. O, uthi, Mfowethu Branham, bekungeke kwaba ngaleyondlela. Akunakwenzeka. UJohn Wesley wayezokubona. U*S'bani-bani* wayezokubona." Hhe!

213 Impela, uDeveli wayengasho into efanayo kuMariya. "Ungubani wena? Ngani, uyimpofana edlula zonke edolobheni. Awulutho ngaphandle kokuthi usemncane, uneminyaka

eyishumi nesithupha ubudala, ishumi nesishiyagalombili, ezansi lapha uthwele amanzi aphuma kulephampu. Ubaba, ufile; unyoko, isalukazi esiyimpumputhe ezansi laphaya. Uze wakwenza kanjani ezweni . . . Kanjani?" UAnne wayengunina, siyatshelwa. "Uzoke ukwenze kanjani lokho ezweni na?"

214 "Lalela, umama wami omdala ungowesifazane oyimpumputhe, kodwa ungowesifazane omesabayo uNkulunkulu. Ngezindebe zakhe, utshale imbewu enhliziyweni yami. Ngikufunde kuvela eZwini likaNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu wathi, kuIsaya 9:6, 'Intombi iyokhulelwa.'"

215 Haleluya! Ningabona na? IZwi lithatha inyama. Nakho lapho okhona. UNkulunkulu uzoba neBandla. Lizozalwa yiZwi likaNkulunkulu, ngoba LiyiZwi likaNkulunkulu eliphilayo. Niyakubona na?

216 "Ukwazi kanjani na? Ngani, kuzo . . . Uyazi ukuthi uzobizwa ngokuthini, kusukela manje kuqhubeke na? Uzobizwa nge . . . "

217 "Angikhathali ukuthi ngibizwa ngani. Lokho akuhlangene nalutho nakho. Akube-kimi njengeZwi leNkosi." O, wonke umuntu ubengakusho lokho namhlanje na? O, ukuba—ukuba abantu ngempela, ngokuvela enhliziyweni yenu, sonke ukuba besingakusho lokho, niyabo, "Akube-kimi njengeZwi laKho, Nkosi." He! Ukusho ngempela. Oyedwa noma ababili, noma ndawo ndawo phandle phakathi lapho, Lizocosha abanye abamiselwe ngaphambili okusho ngempela lokho. Futhi, mfowethu, uzobona izinhlansi ziqhasha ngayo leyonkathi. Kunjalo. Uma ngempela ukutholile lokho lapho, ukuhlangabezana nalokho okuzayo, lokho-kunisela ngenkasa kuqala ukwehlela phezu kwaleloZwi. Yebo, mnumzane.

218 Manje, kwakuyini na? Umqondo wentombi, isizalo, isizalo sentombi senzelwa ingane. Imiphumela? UkuPhila okuPhakade.

219 UEva, owesifazane olungileyo njengoba e . . . njengoba wayenjalo, eyintombi njengoba wayenjalo, kodwa kuqala wavumela ukungabaza ukuba kungene, ngezwi, amanga kadeveli. Wenzani na? Wamngenisa ekuxhumaneni ngendlela engafanele. Wayeyini umntwana wakhe na? Ukufa.

220 UMariya, umqondo wentombi, isizalo sentombi. Ngenkathi uDeveli ezama ukumlinga, futhi ufika . . . NeNgelosi ifika kuye ngaleyonkathi yase ithi, "Uzoba nengane."

USathane wathi, "Manje, a, kungcono ubuze ngaLokho."

INgelosi yathi, "Yisenzo sikaNkulunkulu."

221 Futhi akungabazeki wacabanga ngoIsaya 9:6. Wathi, "Bheka ngiyincekukazi yeNkosi." Yini imiphumela na? Ukuzala kwentombi, iZwi laPhakade kuye, futhi wazala ukuPhila okuPhakade. Kulungile.

222 Umlobokazi kaJehova waxubanisa, umlobokazi kaJehova waxubanisa imbewu. "Usho kanjani manje, Mfowethu Branham

na? Kulokhu ukusa, uthe, 'Umlobokazi kaJehova waphinga.'" Ngeke ngikushiye ngaphandle.

223 Manje asibhekisise ngempela manje. Manje cishe nje sinelinye ihora, ngiqagele. Nginokunye ngapha, ngizokweqa nje okunye, bese ngiqala ukufunda emizuzwini embalwa nje, niyabo, bese nje ngifunda nje ngokukhulu ukusheshisa, ukuba ngikukhiphe. Manje, elinye ihora, ngikholwa ukuthi sizophuma, uma nje nizongibekezelela futhi nikhuleke kanye nami. Niyabo?

224 Manje, kukuphi lapho umlobokazi kaJehova ake enza khona okungafanele na? Kulungile. UJehova wathumela ini ezansi kumlobokazi waKhe eGibhithe na? Wethembisa uAbrahama ukuthi umlobokazi waKhe, imbewu, yayizogogobala eGibhithe iminyaka engamakhulu amane. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Isikhathi siyafika seZwi ukuba ligcwaliseke.

225 Ngabe siyisikhathi seZwi ukuba ligcwaliseke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela. Ukuba sikhululwe, sikhishwe. Kulungile.

226 Balithola kanjani iZwi na? Ngabe babumba inhlangano, isigejane samadoda siyahlangana, nabapristi, bese bethi, "Manje, bazalwane, sizoba ne—nevoti lapha. Futhi seliphasile, ngazwi linye, ukuthi sizoba nenhlangano ebizwa nga 'baFarisi', futhi, ngaleyo, uNkulunkulu uzosebenza?" UNkulunkulu akazange ayenze into enjengaleyo, akazange ayenze.

227 Wabathumelela ini na? Umprofethi. "NeZwi leNkosi leza kumprofethi." Wamvusa khona phakathi kwabo, umprofethi. Futhi wamgcoba futhi wamqinisekisa, khona impela phakathi kwabo bonke abanye odeveli enza izimangaliso nakho konke okunye, ngoba uMose wahlala neZwi.

228 Bacosha lesosigejane sabantu; ingxubevange yaqala nabo. Lapho sebewelile, bebheke ngasezweni lesithembiso, bengakafiki lapho, umlobokazi waKhe oligugu waphinga noMowabi. Ngitshele ukuthi akakwenzanga, manje. Wakwenza kanjani na? Umprofethi oqamba amanga, ngokumelana neZwi likaNkulunkulu. Nokho, wayenazo zonke izibonakaliso, nayo yonke imikhuba yezinkonzo, wayengowomoya njengoMose nje, noma kanjalo nje.

229 Bukani. Lalelani. Lalelisisani manje. Nakhu kuhlezi uIsrayeli ekamu, elingakhethi-bandla. Kunjalo. Kwakuyini na? Babenomprofethi ogcotshiweyo enabo. BabeneNsika yoMlilo. Idwala okwaphuma kulo amanzi, ukubapha amanzi. Babenza kahle. Futhi yini na? Babenama-altare ayisikhombisa. Lokho kuphelele. Phezu kwalawoma-altare kwaya izilwane eziyisikhombisa ezihlanzekileyo, izinqama. Nenqama yayimele ukuFika kukaKristu.

230 UMowabi. Kwenzekani lapho uBalamu ehlela lapho? Wakha ama-altare ayisikhombisa ngokufanayo impela nje njengoba

babenawo. Ungakhulumi ngabo, ngokomsuka, ngoba ufanele wazi kahle ngempela ukuthi ukhuluma ngani.

231 UJesu wathi, "Kuze kucishe impela kudukise nabaKhethiweyo." Okomoya, kwembulwa. UyaKubamba, khona-ke YiZwi, ubona iZwi libonakaliswa.

232 Bukani. *Lapha* babephezulu lapho, futhi *lapha* kwakunguMowabi. Ukuhlala kwakhe . . . Akungabazeki ukuthi wayengumbhishobhi, impela, umfo omkhulu. Futhi wakha ama-altare ayisikhombisa. Wabeka izinqama eziyisikhombisa phezu kwawo, kukhuluma ngokuthi wayekholwa ukuthi kwakuzofika uMesiya. Mfowethu, uma befika emsukeni wezinto, uNkulunkulu wayefanele abazise bobabili.

233 Lapho uKayini akhela iNkosi ialtare, indodana kaSathane akhela iNkosi ialtare, wakha uhlobo olufanayo lwealtare nolwakhiwa nguAbela. Bobabili bakhonza. Bobabili baya esontweni. Bobabili bakhokha izimfanelo zabo. Bobabili babebophezelekile. Behla bafike bakhonza uNkulunkulu ofanayo. Futhi omunye wemukelwa, nomunye walahlwa.

Kwenzeka kanjani na? UJesu wathi, "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi."

234 Ibandla eliKatolika lithi, "Kukhona idwala lapho, iBandla lakhelwe kulo. Noma i . . . NoPetru wayeyilelodwala." Nebandla eliKatolika lithi uPetru umbelwe kuwo. Amanga lawo, kodwa, ngengingaze ngikubone. Kusukela esikhathini abathi ngaso uPetru umbelwe phakathi lapho, iBhayibheli lathi wayengapha eJerusalema. Niyabo? Akazange neze abe sePal- . . . ngapho. Kodwa, noma kunjalo, bathi wayelapho. Eqinisweni akukhobufakazi bukaPawulu bokuthi wake waba lapho, kodwa emlandwini. Kodwa bathi, "UPetru, yena embelwe lapho, uma wayekhona." Kwenza mehluko muni lokho na? Lokho kwakungesikho uJesu ayekhuluma ngakho. Niyabona ukuthi into eyimpahla bayixove kanjani na?

235 Awu, iProtestane lathi, "Qhabo. UJesu wathi WayeyileloDwala." Manje, Akazange akusho.

236 Wathi, "Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJonase. Inyama negazi akuKwambulelanga, 'Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo.' INyama negazi . . . Awuzange uKufunde ekholiji. Ihlelo elithize alikufundisanga Lokhu. Kepha uBaba waMi oseZulwini uKwembulile. Futhi phezu kwalelidwala, elokomoya, iQiniso elembuliwe leZwi likaNkulunkulu, Ngiyakulakha iBandla laMi. Namasango ehayidesi angeLehlule."

237 UMowabi wenza into efanayo. Wehlela lapho futhi wafundisa abantwana bakwaIsrayeli, wathi, "Manje buka lapha, mngane." Manje, leyo yinto efanayo ayenze ePentekoste. Manje bukani. "Manje bukani lapha, sonke asifani na? Asikholwa yini nguNkulunkulu ofanayo na? Sonke siyafana." Abantwana

bakwaMowabi kwakuyindodakazi kaLoti. Niyabo lesosigejane esidala, esaphunyuka ezansi lapho? Kuselokhu kulunwele ebheskidini. Niyabo? Nampo lapho bekhona, into ehlanzisayo Niyabo? Babephezulu lapho. Futhi babene. . . "Ngani," wathi, "manje bukani lapha, niyazi sonke siyafana." Bangaki owaziyo ukuthi lowo kwakungabantwana bakaLoti na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela. Kuyise wawo uqobo, ukuphinga, futhi bathi, "Manje, sonke siyafana."

238 "Niyazi, nina maMethodisti, nani maBaptisti, nathi maPresbyterian, nabo bonke. . .Ngani, impela, sifuna amanye amaFutha enu. Sonke siyafana." Futhi benzani na? Baganana. Futhi yilokho okwenziwa yiPentekoste kumaProtestane. Lagana kumfelandawonye wamabandla. Lazihlela. Futhi liphi na? Impela nje njengoba wayenjalo uIsrayeli, walahlwa ngenxa yakho kokubili ukuphinga kokomoya nokuphinga kwangempela. UNkulunkulu wamala, kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke. Ngisho nalabo bantwana abaphenduka babe ngamaSamariya waqalekiswa. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela, waqalekiswa. UJehova wamlahla.

239 Umlobokazi kaKristu wenza into efanayo, waxubanisa imbewu yakhe yobuhlelo, futhi walahla, uKristu indoda yakhe ayimiselweyo. Nina sigejane samaPentecostal esiwashwe somankwe! Yin'indaba ngani na? IZambulo, isahluko 3 nevesi 20, siyathola, esiprofethweni, uJesu Kristu engaphandle kwebandla laKhe uqobo kuloNyaka waseLawodikeya, engqongqotha emnyango, ezama ukubuya. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kahlanu—Umhl.] Isithombe esifikiselana umunyu ukwedlula zonke eBhayibhelini. Wenzani na? Wathatha ubufebe.

240 Nxa uJesu efika, Ungqongqothela ukwenzani na? UJesu uyabuya ukuba emukele uMlobokazi waKhe, futhi nxa Efika ezongqogqotha emnyango, Wavalelwa ngaphandle. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kasithupha—Umhl.] "Ngani, ungeke ungene lapha. Ungeke ubambe imvuselelo. Thola. . .Ake ngibone amaphepha okugcotshwa kwakho." Indoda egcwele uMoya kaNkulunkulu, awangempela, amaZwi kaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa phakathi kwenkonzo yakhe, kungekho neyodwa into ongayisho emelene nayo, ukungaziphathi kahle noma yini. Ubani ongayilahla ngakho na? Ufike ehlelweni, "Ngani, akasuye owe Oneness. Akasiyo iAssembly. UngokaZiqu-zintathu. Akasuye okaZiqu-zintathu. UyiAssembly." Nina sigejane ndini samavezandlebe. Ngiyanidabukela. UNkulunkulu, ungaphandle!

241 Kodwa wathini uJohane, lesosithunywa sokugcina ezansi lapho, ngaphambi kokuFika kwaKhe na? "Angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe. Ningafiki, nithi, 'Singaba *lokhu*. Singaba *lokho*.' UNkulunkulu angakwenza, lawamatshe, ukumvusela uAbrahama abantwana." Kulungile.

Njengoba siqhubeka manje, o, ngikuthanda kanjani lokhu!

242 Umlobokazi kaKristu, ngokufanayo nje nomlobokazi kaAdamu nabo bonke abanye, uxubanisa imbewu futhi ukhipha uKristu, ngenxa yehlelo lakhe. Impela wakwenza. Wakwenza ngempela. Wamala uNkulunkulu, owayezoba ngumyeni wakhe, njengoba kwenza uEva. Wemukela ukhula lwamanga awukufa lukaSathane. Emiphumeleni, elifile, ibandla ngegama nje lizalwe nguye. Manje, "Unamanga." Uthi, "Amanga lawo." Iphi iPentecostal yenu na? Iyiyo ngegama nje ukwedlula lokho amaBaptisti ayikhona. Impela. Niyazi ukuthini? Kubukeka njengesithombe esibi njengamanje, akubukeki na?

243 Kodwa wathini uJoweli, kuJoweli 2:28 na? "Kodwa Ngiyobuyisela, isho iNkosi."

244 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] A! Njengoba uAdamu afumana umkakhe ekhulelwe imbewu yokufa, yamanga kaSathane ayewamukele.

245 UJosefa wafumana umkakhe ekhulelwe iMbewu kaNkulunkulu, okungukuthi, iZwi ayelemukelile.

246 Kumayelana nani konke na? Yini engizama ukuyisho na? Manje, kinina bantu e—emoyeni, nina bantu eniphandle emotweni, nina bantu enisetabernakele, niyabona ukuthi kungani ngihlale ngendlela engizame ukuhlala ngayo khona lapha, futhi ngakujivaza lokho na? Akusikho ukuthi kukhona engimelene ngakho nalabo besilisa, labo besifazane. Anginalutho engimelene ngalo nabo, kodwa ngi—nje ngeke ngaqhubeka ngaleyo—leyonkundla. Nje angikwazi ukukwenza, ngoba kuyiphutha.

247 NginomBhalo kanjani lapha engithanda ukuwuthatha, ngoJesu, ekulingweni kwaKhe, ngenkathi ezama ukuMthola! Wathi, "NgizoKunika yonke lemibuso yezwe. Ingeyami." Niyabo? Into efanayo ayizela kuEva. Niyabo? Kuqala, ngokuguqula isinkwa, mayelana nokudla, nokunjalo. Niyabo? "Ngizokwenza konke lokhu uma Uzokhuleka kimi. Vele uze nje ujoyine iqembu lethu."

248 UJesu wathi, "Kulotshiwe, 'Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kepha ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.'"

249 Kuyini na? Abanye benu bashumayeli manje, osaba kakhulu ukumela indawo yenu, enesaba ukuthi ngeke banivumele ngisho ukuba ningene enhlanganweni. Yini enye enizoyenza, manje-ke na? Bazonikhahlela niphume. Ngiyanidabukela, into yokuqala, ngobuthakathaka benu. Kunjalo. Kuphi ukukholwa kwenu kuNkulunkulu na?

250 Bangitshela into efanayo. Impela. Ngasebenza iminyaka eyishumi nesikhombisa, uNkulunkulu waze wangikhipha wase

engakhela ngakulokhu, ngase-ke ngicabanga, "Manje, Sathane, usungeza manje, ubone ukuthi kukuphi."

251 Uma ngempela uqonda ukuthi uNkulunkulu ukwembulele iQiniso lento, akukho lutho ezweni oluzokwehlula kulo. Yilokho kuphela. Ngokoqobo awehlulwa; hhayi wena, kodwa uNkulunkulu okuwe. Hhayi uKristu, kodwa, hhayi umzimba, kodwa Lokhu, iZwi elalikuYe. Hhayi uMariya, kodwa iZwi elazalwa kuye.

252 Manje, ngakho, umuntu uyakuphila ngani na? Hhayi ngethikithi lakhe lokudla, kodwa ngeZwi likaNkulunkulu. Hhayi ngenhlangano yakho ekunika indawo. "Awu, ake ngikhombise izincwadi zakho ezikuchazayo. Umi kahle na? Ifanele ihlolwe. Awu, yebo, wena, umi kuso isikhundla, cishe ngamapesente ayikhulu. Awu, singakwemukela kube yizinsuku ezimbalwa, zemvuselelo, sikukhiphe sikuvivinye bese sibona ukuthi uzokwenzani." O, he! UNkulunkulu angake asebenze kanjani esigejaneni esinjalo, "Esife kabili, sasishulwa ngezimpande," sisishuliwe, sabola, nakho konke okunye na? O, he! Sikhona esinye.

253 O, bantu, uNkulunkulu anibusise! Ngizweni! Akukho okunye engingakukholwa ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu. NgiLifuna libe ukuphila kwami, yonke into engiyiyo. Ngifuna nenze into efanayo. Akuthi imihambo yenu, izinkulumo zenu, iminyakazo yenu, yonke into eniyenzayo, kube seZwini likaNkulunkulu. Mawungene kini umqondo kaKristu, futhi—futhi Lokho kuzonikhulelisa iZwi. Uma ningakwenzi, uma nivumela umqondo wehlelo ungene, niyokhuleliswa yihlelo. Uma nivumela umqondo kaKristu ungene kini, Angeke aliphika iZwi laKhe uQobo, ngoba UnguNkulunkulu. Khulelwani iZwi, futhi niLikholwe. Angikhathali noma benikhiphela ngaphandle, banikhahlele banikhiphe, banixoshele phandle, nawo wonke umnyango uvaliwe, niyohamba ngokufanayo nje. Amen. Wewu! Ngifanele ngisheshise manje. A!

254 UKristu manje Uzithathela uMlobokazi, ukuba akhuleliswe yiZwi-Mbewu laKhe uQobo esizalweni saKhe, isizalo somoya e—emqondweni waKhe, futhi soze sixubane nanoma yiyiphi imfucumfucu yehlelo kuso. UyiNtombi kuYe.

255 O, ngiyakhumbula ngihlezi laphaya ekamelweni, izinsuku ezintathu phakathi lapho, ngikhuleka futhi ngilindele eNkosini, futhi ngizile ukudla. Ngenkathi lokho kushaya kimi, ngacabanga, "O Nkulunkulu, kuyini na? Ngilapha, esithombeni. Ngilapha. Uma ngikhuphulela lokhu okungaka ebandleni, ngizoba kuphi na? Ngizoba nabo bekhiswe inyumbazana. Ngingenzenjani na? Sengilibonile ibandla njengawo wonke umfanekiso nesithunzi, nakho konke okunye, kukhombisa ukuthi selihambile. Uzokwenzenjani na?"

256 Ngase-ke ngicabanga ngaleloZwi, "Ngiyobuyisela, isho iNkosi. Ngiyobuyisela." Khumbulani umuthi omdala wephayini, ngenkathi umlilo uwushaya futhi uwushisa ulotha; uvuthuza imbewu, nokho. Leyombewu iveza omusha. Kunjalo. Izihlahla ezindala zishiswa yinhlangano nakho konke okunye, kodwa isalokhu isele iMbewu yeZwi. NeZwi likaNkulunkulu, Liyobuya ngqo, liphinde Liziveze, njengoba nje linjalo izwe. Yebo. Manje, manje, ngeke akugeje. Qaphela. Kodwa uKristu . . .

257 Sikholwa ukuthi sisesikhathini sokugcina. Sikuso na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uyakholwa ukuthi ngaphi kokuba ube nokudla okusanhlamvu, manje, ufanele utshale imbewu na? ["Amen."] Niyabona ukuthi kungani ngiyekele amabandla angikhipha, angitshela zonke izinto, angibiza ngazo zonke izinhlobo zamagama, konke okunye, futhi ngihlala naleloZwi nje ngqo na? ["Amen."] Niyabo? Kukhona ukutshalwa kweMbewu etshaliwe. Isivele itshaliwe, mngane. Sekuvele kwenziwe. Sengingakusho manje. Sekuphelile. Kunjalo. Usevele utshaliwe. O, yebo. Injalo nembewu yehlelo, onke amanye awo.

258 Njengodumileyo wakithi, uMfowethu Billy Graham oligugu washo khona lapha eLouisville, wathi, "UPawulu wayengathatha iBhayibheli . . . " Wathatha iBhayibheli, wathi, "Manje, uPawulu wayengangena edolobheni futhi abambe imvuselelo. Abe noyedwa ophendukile. Abuyele ngonyaka ozayo, usethole amashumi ayisithupha ngalowo oyedwa." Wathi, "Ngingahamba futhi ngibambe imvuselelo yamaviki ayisithupha, futhi ngibe—ngibe nabaphendukile abayizinkulungwane ezingamashumi amabili. Futhi ngibuye ezinyangeni eziyisithupha futhi ngingawatholi amashumi amabili.

259 Yini na? Abasibo abaphendukileyo. Bangabaphendukele ebuhlelweni, yilokho kuphela. Impela. Kutshalwe . . . Niyabo, utshala imbewu yehlelo, yilokho okutholayo. "Woza manje, mfowethu, joyina ibandla, faka igama lakho encwadini." Yilokho kuphela abakwaziyo. Kunjalo.

260 IPentekoste yenze into efanayo. "Khuluma ngezilimi, nokunjalo, yilokho kuphela okufanele ukwenze. Kuthole lokho-ke. Woza, joyina ibandla." Kulungile. Thola umbhaphathizo wakho wamanga, nokunjalo, bese uyaqhubeka, "Futhi yilokho kuphela ofanele ukwenze." Niyabo?

261 Kodwa nxa kufika uKristu, Ufikela intombi ene . . . iBandla elingenalo ngisho nelilodwa ibala noma owodwa umbimbi wehlelo noma yini enye into, imibhedesho exutshwe nakho. Kuzoba yiZwi, futhi Lelo lodwa.

262 Manje, o, ndoda, silapha! Ayibusiswe iNkosi! Manje siza eMzimbeni ukuba sibe uMlobokazi kaKristu, manje ukuba sibe yi "nyama yenyama yaKhe, nethambo lethambo laKhe."

Manje, sizosheshisa manje. “Inyama yenyama yaKhe, nethambo lethambo laKhe.” Akuzange ngani . . .

263 Ukunibuza umbuzo. Kungani izimvula zenu zonke, emuva ngaleya, zingamlethanga umlobokazi kuKristu na? Ngifuna ningiphendule kulowo. Uma . . . UkuFika kwaKhe sekweqiwe yisikhathi. Siyakukholwa. (Njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikaNowa, ukubekezela, Wenza uMlobokazi waKhe azilungeselele.) Lezizimvula azibanga ngani yi . . . Anikwenzanga ngani nina maPentecostal emuva ngaleya, eminyakeni embalwa edlule, ngenkathi niqala, engamashumi amane, iminyaka engamashumi amahlanu edlule, animlethanga ngani uKristu, uMyeni kumlobokazi na? Ngizokuyeka kuzike lokho, umzuzu nje. Kungani na? Ngoba wamkhulelisa, wena uqobo, ngehlelo lakho. Yilokho impela okwenzile. Angeke aganwa yisifebekazi. Uyoganwa yintombi. Kubekeka ngembaba, kodwa lelo yiQiniso. NiyaLazi, ngendlela yokukubeka ngembaba. Anidingi-kumangala. Angimbandazi ngaLo. Nginitshela iQiniso. Alimlethanga ngani na? Alimlethanga ngani uKristu, lilethe uKristu kuye na? Ngoba akakufanele. Wamthola esekuphingeni.

264 Isona impela isizathu sokuthi abantwana bengahlali kuze kube-phakade uma bezalwa; uAdamu wathola umkakhe esekhulelwe.

265 Yingalesosizathu uJehova wafanele athathe uMlobokazi wabeZizwe; wamthola esekhulelwe.

266 Yileyondlela impela uKristu efanele Azitholele uMlobokazi manje; Uthole lowo obizwa ngeqembu esekhulelwe. Uzohlwanyela iMbewu yaKhe. Ukhona ozoYithola, ngoba bakumiselwe ngaphambili ukuba babe yiBandla ekupheleni komgwaqo.

267 Njengoka-Adamu nokaJehova, Wabathola bekhulelwe izimfundiso ezenziwe ngumuntu zamahlelo. NjengeQiniso likaNkulunkulu, kuGenesisi 1, “Yonke imbewu iveze inhlobo yayo.” Ngakho, lapho uMoya wehlela kuye, indoda yayikade ilapho esizalweni sakhe, futhi yasigcwalisa ngezimbewu zamahlelo zokucabanga okungokwayo, ngakho yingakho efanele abe ngalendlela ayiyo, noKristu akabe eseza kuye. Mm! Lokho kul’khuni, akunjalo na?

268 Ngeliny’ilanga, ngangisenhla eGreen’s Mill. Ngangikade ngikhuleka izinsuku ezithi azibe-mbili; sekuyiminyaka emininingi eyadlula. Ngenyukela lapha eMishawaka. Angikaze ngikusho lokhu eteyipini ngaphambili. Ngaya eMishawaka. Niyakhumbula ngomfana oyikhaladi na? Ngangisanda kuthola abantu abangamaPentecostal; ngingakaze ngazi ukuthi kwakukhona into enjalo. Futhi ngenyukela lapho futhi ngabathola; ngacabanga ukuthi nganginesigejane seziNgelosi. Ngibabona bekhuluma ngezilimi nezinto. Ngangingakaze

ngizwe ngakho, ngaphambili. Kodwa babelapho, begijima behla benyuka phansi, bekhuluma ngezilimi. Ngacabanga, "He, lokho kuyamangalisa." I U.P.C. ne P.A. endala yase W., nazo zonke lezozinhlobo, babehlangene. Babene. . . Kwakukhona ukwehlukana phakathi komhlophe nekhaladi ngaleyonkathi. Babefanele babenengqungquthela yabo enhla enyakatho. KwakuseMishawaka, eIndiana. He!

269 Nganginedola namasente angamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, yenele nje ukuba ingifikise ekhaya. Ngathenga ngozuka wayo amadala u-. . . amadonati amadala noma—noma amarolls, asemadala ngezinsuku ezimbili noma ezintathu. Ngehla ngazikhelela amanzi ngojeke, epayipini elikhulu lamanzi. Ngase ngiphuma ngiya ensimini yommbila. Ngase ngikhipha izihlalo zami eFodweni yami endala, ngase ngisibeka phansi; ngase ngi-ayina izimbilijisi zami ngalobobusuku, amantwentwesi ebhulukwe elishwabene engangiligqokile, nesikijana esidadlana. Futhi ngokusa okulandelayo ngehla futhi. Ngangingafuni ukudla nabo. Ngangemukelekile, kodwa ngangingafuni ukudla nabo, ngoba ngangingenalutho engangingalufaka emnikelweni wabo.

270 Futhi ngakho ngahamba ukuba ngiyobheka. Ngalolosuku, babesina, futhi begadula, futhi bacule eMoyeni. Ngacabanga, "O, he, lokho kuzwakala kumnandi. Mm!" Enye indoda yayisukuma futhi ikhulume ngezilimi, na *lena* ihumushe. Futhi, mfowethu, kwakunjalo. Yabiza abantu, ngemuva laphaya ezethamelini. Ngacabanga, "O, mfowethu, lokho kuyamangalisa."

271 "Tshela uNkosazana Jones," noma u*S'bani-bani,* "eze lapha khona manje. INkosi iyambiza." Nangu eza. Kunjalo.

272 Bese kuthi *lena* ikhulume ngezilimi, enye ihumushe. Ngacabanga, "O, he, he! Sekulungela ukuqala kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Yikho lokho. Futhi, ngakho, uma nje ngingahle ngixhawulane nalawomadoda amesabayo uNkulunkulu," ngacabanga.

273 Futhi ngawelela kwenye yawo, ngenkathi ngingaphandle, ngihambahamba. Ayengangazi. Ngangingumfo omdadlana phandle lapho. Futhi ngakho ngangihamba ngizungeza indlu yesonto, futhi emva kwesikhashana, lapho besahlabe ikhefu elincane. Futhi ngahlangana nendoda phandle lapho, futhi ngi. . . enye yawo. Futhi ngayixhawula. Ngathi, "Sawubona, mfowethu?"

274 Manje, niyazi, uNkulunkulu ungiphe isiphiwo esincane lapha, ukuba ngithole izinto uma Efuna ngiyazi. Niyabo? Ngacabanga, "Uma ngingaze ngiyithole ukuba ikhulume, futhi ngithi ayisho okuthize, ngizothola ukuthi ngabe bekuyiqiniso ngempela noma qha."

275 Ngakho ngakubona lokho, kwakubonakala sengathi ngabaholi bakho. Ngayixhawula. "Sawubona, mfowethu?"

Yathi, "Sawubona!"

276 Futhi ngakhuluma nayo kancanyana, futhi yayingumKristu ngempela. Yayinguye. Ngacabanga, "Akadunyiswe uNkulunkulu!"

277 Emva kwesikhashana ngijikela ekhoneni, ngazithela kulena enye indoda. Ngathi, "Sawubona, mfowethu?" Futhi ngakhuluma nayo. Futhi uma ngake ngakhuluma nomzenzisi, kwakungenye yabo. Yayiyindoda enekhanda elimnyama, futhi yayinengane ngowesifazane womlungu onobuso obukhanyayo nezinwele ezingemnyama. Izingane ezimbili ngowesifazane onobuso obukhanyayo nekhanda elimnyama. Ngakubona embonweni phambi kwami ngqo.

278 Ngacabanga, "Manje ngidideke ngempela. Manje, kungenzeka kanjani ukuthi lowoMoya ofanayo, owodwa ube phezu kwendoda, nendoda emesabayo uNkulunkulu, omunye ube phezu kukadeveli, umzenzisi na?" Ngacabanga, "Nkulunkulu, kungcono ngi—ngivele ngiyiyeke kanjalo yonke lento. Angazi." Cishe ngangineshumi nesishiyagalolunye kuphela, iminyaka engamashumi amabili ubudala. Ngacabanga, "Kungcono ngivele nje ngiyiyeke kanjalo lento. Awu, angazi. Kungenzeka kanjani lokho ezweni na? Akukho lutho engingakusho ngakho, akukho lutho engingakusho ngokuphikisana nakho, kodwa ngiyazi ukuthi leyondoda isephutheni." NalowoMoya ofanayo, ngaWubhekisisa, Wawehlela phakathi, wenze okufanayo. Ngacabanga, "Kukhona okungalungile lapha, ndawo ndawo. Yilokho kuphela okwakukhona kukho." Ngathi kulendoda . . .

Yathi, "Wake wawemukela uMoya oNgcwele na?"

Ngathi, "Angikholwa ukuthi nginakho lokho eninakho nina bafo."

Yathi, "Udumo kuNkulunkulu! Wake wakhuluma ngezilimi na?"

Ngathi, "Qhabo, mnumzane."

Yathi, "Awunaye."

279 Ngathi, "Awu, a—angiboni ukuthi nginaye." Niyabo? Ngathi, "Yinto entsha lena. Angikaze ngiYibone, ngizwe ngaYo." Ngathi, "Awu . . . "

280 Yathi, "Awu, hamba ungene phakathi lapho uwuthole. Impela. Ungowakho."

Ngathi, "Ngiyabonga, mnumzane."

281 Ngacabanga, "Mfowethu, angikufuni onakho." Ngakho manje-ke nga—ngakubuka kancanyana. Ngaqhubeka ngizungeza, isikhashanyana, ngase ngiqhubeka ngizungeza.

282 Ngaphuma ngaya ehlathini ngalobo busuku, futhi nga— ngacabanga, "Nkulunkulu, yiba nesihawu. Ngiya ekhaya." Ngaya ekhaya. Angishongo lutho olukuvunayo noma oluphikisayo.

283 Ngesinye isikhathi, ngangisenhla eGreen's Mill, emgedeni wami omdala omncane lapho engiya khona njalo, enaziyo ngawo. Ngangikade ngiphakathi lapho, ngenye into. Izinsuku ezintathu noma ezine, ngangikade ngiphezulu lapho ngizila ukudla futhi ngikhuleka. Kwase kukhuntile emgedeni, futhi ngiyaphuma, ngenye intambama. Kwakukuhle, nelanga lalikhanya, amaqabunga. Kwakukhona ugodo oludala olwaluwe ka *nje*, ngezansi kwalo *nje*, ezansi ngasemfudlaneni. Ngase ngihlala phansi phezu kwalapho, ngicikica amehlo ami, ngangikade ngisemuva phakathi kulowomgede omnyama isikhashana. Ngabeka iBhayibheli phansi ka *njalo*. Ngacabanga, "Awu, ngikholwa ukuthi ngizofunda okunye eBhayibhelini. Futhi ngizoqhiyama kuleligatsha lapha bese ngiziphumulela nje, futhi ngiziqhiyamele." Nganginothuli, yonke indawo. Ngase ngiqala ukufunda.

284 Futhi lapho ngicosha iBhayibheli, kwakungamaHeberu, isahluko 6. Niyabo? "Ngokuba akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa, benziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele, lokhu uma bewa, ukuba babuye bazivuse ekuphendukeni kwabo. Lokhu uma imvula efika kaningi, phezu komhlabathi, ukuwulungisa, ilungisa lokhu esinakho, ameva namakhakhasi, okuseduze nokulahlwa, ngukushiswa."

285 Ngacabanga, "Awu, yini . . ." Ngama. Ngacabanga, "Bekuyini leyo na? O," ngathi, "ngiqagele yinto ethize." Kwasuka kwahamba. Nganginga . . . Ngangiphezulu lapho ngikhulekela enye into. Futhi ngabeka iBhayibheli lami phansi futhi.

286 Ngathi, "Awu, ngibona ukuthi ngizoke ngiphenye ngale futhi ngithole okuthize engingakufunda," kanjalo.

287 Nomoya uyafika wase uliphephetha labuyela emuva ngqo. NgangiseTestamenteni eLidala. Waliphephetha labuyela ngqo kumaHeberu, isahluko 6. Ngabheka phansi futhi. Nakho kwakulapho. Ngabheka. Ngalicosha. Ngalifunda futhi, into efanayo. "Awu," ngacabanga, "he, usuthemba izinto eziyize Bill na?"

288 Ngakho ngacabanga, "Awu, ngizofunda lapha." Futhi nga— ngaqala ukufunda, futhi angitholanga lutho oluhehanayo. Ngacabanga, "Awu, ngikholwa ukuthi ngizovele ngiphakamise izandla zami futhi ngidumise iNkosi." Ngabeka iBhayibheli phansi, ka *njalo*. Ngaphakamisa izandla zami, ngase ngidumisa iNkosi.

289 Lapho ngiphakamisa izandla zami, umoya wahamba, "Wuuush!" Waphephetha futhi. Futhi ngenkathi wenza, ngabheka phansi lapho, amaHeberu 6. Ngalifunda futhi.

290 Ngacabanga, "Kusho ukuthini lokho na? Angakuqondi." Ngase ngikhohliwe ngumqondo wamaPentecostal. Ngase-ke ngicabanga, "Kusho ukuthini lokho na?" Ngangihlezi lapho. Ngacabanga, "Ngabe kukhona okuthize phakathi lapho, Nkosi na?"

291 Ngacabanga, "Manje, ngiyakholelwa okhethweni. Yebo. 'Labo abake bakhanyiswa, abahlanganyeli kuMoya oNgcwele,' niyabo, 'futhi banambitha iZwi likaNkulunkulu.'" Ngathi, "Lokho yilawomakholwa athiyeka emnceleni ayokhuphuka ngqo, aze acishe impela afike entweni yangempela, bese-ke ebuyela emuva, njengoba babenjalo nje ngalezozikhathi zikaJoshuwa."

292 UJoshuwa noKalebi baqhubeka bawela. Kodwa laba bahlala nje emnceleni, niyabo, "banambitha." Babeyibonile imisebenzi emihle kaNkulunkulu, base bewenqaba. Abantu bahlala bazungeze ebandleni, ngaso sonke isikhathi, bathi, "Ngiyakukholwa Lokho, Mfowethu Branham," kodwa bangenzi namnyakazo neze oya ngakuLo. Niyabo, akunakwenzeka kubo ukuba bake bawele. Ngakho, manje-ke, beza kuleyondawo. Futhi shumayela kwabesifazane abanezinwele ezimfishane, ngonyaka olandelayo banezinwele ezimfishane ngokufanayo nje. Shumayela kwabesilisa ukuba benze, benza nje—nje into efanayo, niyabo; ababoni neze. Amakholwa athiyeka emnceleni athi, "O, yebo, ngiyakholwa ukuthi Liqinisile."

293 Ngathi, "Kusobala, ngiyakukholwa lokho." Kodwa, lokhu, uma sekufika kuleyondawo, "Kodwa amakhakhasi nameva, okuseduze nokulahlwa, okuphela kwakho ngukushiswa." Ngacabanga, "Kusho ukuthini lokho na? Angikutholi."

294 Ngahlala lapho kancanyana. Ngacabanga, "Nkulunkulu, uma lokhu kuyinto Ofuna ngiyazi? Ngiphezulu lapha ngifuna umbono ovela kuWe, Nkosi, ukwazi nje ukuthi ngifanele ngenzeni mayelana nenkonzo ezansi lapho, futhi ngifuna Wena ukuba ungitshele, Baba."

295 Futhi ngabuka ngaphesheya kwesigoxi, ngenyuka ngiya ngase. . .Ngangile phakathi phezu kweCharlstown, ngiya ngaseNew Market, nga *leyo* ndlela. Nganqamula phezu kwegquma. Futhi ngabheka, ngase ngibona lapho okufana nothingo lwenkosikazi lulenga phezu kwesigodi. Futhi kululuthingo lwenkosikazi, ngabona into ethize iphenduka. Ngabheka, futhi kwakuyizwe. Futhi lapha kwahamba iNdoda eyembethe ezimhlophe.

296 Manje, abaningi benu bantu lapha basebancane kakhulu ukuba bakwazi lokhu. Niyakhumbula ngenkathi sisavamise ukufaza izimbewu ngezethu. . .ugodle isaka elikhulukazi, ohlangothini lwakho, uthathe isandla sakho bese uyayiphosa na? Mnu. Woods, uyakhumbula mayelana nalokho, ukufaza

izimbewu kanjalo. Uthathe ngezandla zakho bese uzifaza *kanjalo*, udedele umoya uziphephule zingene e—enhlabathini.

297 Futhi ngayibona iNdoda yembethe ezimhlophe, inqamula *kanjalo*, ihlwanyela izimbewu. Ngayibhekisisa ihamba iqonda izungeza ngokuma komhlaba. Ngacabanga, "Angazi ukuthi ngabe lokho kusho ukuthini na?" Ngase ngibheka. Yathi nje Ingafulathela, nakhu kufika isihlakaniphi esinobuqili ngempela, siza sizungeza, sibuka *kanjalo*. Sasinesaka ligcwele, futhi sasihlwanyela ukhula emva kwaYo. Sahamba sazungeza umhlaba, sisalokhu sibuka, sikhokhoba, niyazi, siziphosa *kanje*. Futhi saqhubeka sizungeza umhlaba.

298 Ngase ngibona-ke kuvela, futhi nakhu kuvela ukolo. Futhi nakhu kuvela ukhula, onamathela, ameva, amakhakhasi. Futhi kwakukhula kokubili, ndawonye.

299 Futhi nakho kufika isomiso esikhulu. Futhi ngawubona lowokolo omncane ululamisa ikhanjana lawo, uthi, "Hhe, hhe, hhe, hhe, hhe, hhe, hhe!" Nje ufa ufuna amanzi. Ngase ngibona ugudluthukela omdadlana ugobise ikhanda lawo, "Hhe, hhe, hhe, hhe!" Nje ufa ufuna amanzi. Futhi wonke umuntu uqala ukukhulekela amanzi.

300 Futhi khona manjalo, kuvela izimvula ezinkulu, empendulweni yomkhuleko. Futhi nakho kwasuka izimvula, emhlabeni wonke. Futhi athi nje amanzi angatheleka emhlabeni, lowokolo omncane wagxuma waya phezulu, wathi, "Udumo! Udumo! Udumo! Udumo!" Kwase kugxuma ugudluthukela omncane, umpongoloza, "Udumo! Udumo! Udumo! Udumo!"

301 Awu, ngacabanga, "Manje yini leyo na?" Futhi kwathi ngaleyonkathi nje . . . "Awu, lowokolo ubumemeza. Ngiyakubona lokho. Kodwa ubuchaza ukuthini lowogudluthukela na?"

302 Wayesethi-ke, "Funda amaHeberu 6."

303 "Imvula ina phezu kwabalungileyo nabangalungile." Yileyo indaba. Yilokho esi . . . kungani singabanga naye uMlobokazi olungele uKristu manje. Sihlwanyele izimbewu zehlelo esikhundleni seZwi. Kwenzeni na? Kulethe abanye abaningi abantwana behlelo. Kunjalo. Kodwa phakathi phakathi kwalapho kukhona ukolo owileyo. Kunjalo. Kodwa, bukani, uMoya ofanayo owenza eleqiniso—eleqiniso ngempela ikholwa langoqobo likhulume ngezilimi, uMoya wangempela owenza ikholwa langoqobo libe umKristu, niyabo, ngoba Unisela ngenkasa iZwi, iMbewu. LowoMoya ofanayo wenza into ethize, isibambiso kuWo, njengokubhastela kukaEva, wenza ibhastela lijabule nje nalo, njengakho nje okuningi ukumemeza, lizwe kujabulisa nje kakhulu ngaWo njengabo bonke abanye. Kodwa liyini iqiniso lakho na? Imbewu ayilungile, kwasekuqaleni nje. Ngakho zonke izibonakaliso zokwenza kwenu ngokwenyama azithi shu.

304 "Noma ngikhuluma ngolimi lwabantu nolweziNgelosi, kepha ngingenalo uthando, akungisizi ngalutho. Noma ngingagudluza izintaba, kepha ngingenalo uthando, akungisizi ngalutho. Noma nginikela abampofu konke enginakho, kepha ngingenalo uthando, akungisizi ngalutho. Uma ngikhuluma ngolimi njengabantu neNgelosi, kuba njengethusi elikhencezayo nezinsimbi ezincencethayo." Niyabo? Akulutho.

305 Lalelani, bandla! Pentecostal? Akulutho! Ngani na? Yimbewu yebhastela. Ingeke yeza eZwini. Manje, nakho lapho okhona.

306 UMzimba ozala uMzimba kaKristu, futhi, ufanele uvele esizalweni sentombi, iZwi. Kunjalo.

307 Yingakho. Lalelani lokhu. Yingakho aveza, "Esinye futhi isigidi ngo '44." Leso kwakuyisiqubulo samaBaptisti. Yingakho amahlelo amaPentecostal, engakwazanga ukuZala ngokukamoya, ukuzala izibonakaliso noKristu, ngoba kwakuyimvula yokuhlwanyela kuphela. Futhi uzale ibandla lehlelo. Futhi uziqinise na—namaEvangelical amakhulu, futhi uhambe wangena ngendlela kaKora. Uhambe namahlelo. Yingakho.

308 Manje asibuyele eTestamenteni eLidala, kweminye imifanekiso. Manje-ke, ngizoqala lapha, emizuzwini embalwa, ngokuthize, bese nginiyeka nihambe. Asibuyele eTestamenteni eLidala, kweminye imifanekiso, ukufakazisa lezizinto. Manje, ngithathe amahora amaningana lapha, ngibeka lokhu. Manje sizoyishintsha indaba, sishintshe uhlelo.

309 Manje, kuqala, nginento ethize, uma nje sengifika e. . . Nginamakhasi a—ambalwa lapha, bese-ke ngi. . .O, he, he, he, impela akusikho, lokho. Ngizodingeka ngisheshe, masinya ngempela. Ngizokufunda, niyabo, nje ngifunde ngokushesha ngempela, ngoba ngiyazi ukuthi asinaso kepha nje e—esifishane impela isikhathi manje. Niyabo? Manje, senikhathele na? [Ibandla lithi, "Qhabo."—Umhl.] O, awu, manje-ke, yimi. Kulungile. Ngiqhubeke, kulungile.

310 Manje, yingakho sinazo zonke izinto esinazo. Manje, zonke lezizinto engizishilo, uma zingajayivisani neBhayibheli, noma—noma zihlangane okwesisila sejuba neZwi likaNkulunkulu, ziyiphutha, ziyiphutha, sonke lesisithombe. Manje ngizosheshisa nje ngedlule kokunye kwalokhu, ngingakuchazi. Kodwa nje ngisheshise ngedlule kukho, ukuze sifinyelele kukho, futhi, ngiyanethembisa, ngokukhulu ukushesha engingakwenza.

311 Nginendawo lapha, lapho engangena kanjalo eMoyeni! Ngangena. Ngakhuphula ibandla, ukukukhombisa nokukufakazisa eZwini lapha, khona impela okwenzekayo, sonke isikhathi. Futhi sengikwenzile, ngacabanga, "Nkosi, nginabantu abemi lapha manje. Ngizobamisa lapho. Yini engingabatshela yona na? Angikwazi ukubikezela

isikhathi esizayo. Angikwazi ukubatshela ukuthi abenzeni. Ngizokwenzenjani na? Ngizobashiya bemi bekhishwe inyumbazana." Ngaphakamisa isandla sami, ngathi, "Nkulunkulu, ngicabanga ukuthi ngenza lokhu ngeNtando yaKho. Angikaze ngikwenze lokhu, angikaze ngikwenze ngaphambili, ngoba iMbewu ibingakahlwanyelwa." Ngathi, "Manje ngine. . . Ngi—ngikholwa ukuthi sekuyisikhathi kimi sokuba ngikusho. Kodwa, manje, ngizothini manje na?"

312 Futhi ngokucace bha njengoba nizwa iphimbo lami, Into ethize yathi, "Thatha ipeni lakho."

313 Ngizonifundela khona, emzuzwini. Futhi lapho sengiqedile, kwakulapho, impendulo nje . Ngangingazi ngisho nokuthi ngangibhalani; ngaqala ngabhala nje. Futhi kwathi sengiqedile, ngabeka ipeni phansi. Ngabuka. Ngacabanga, "Nkulunkulu, yiba nomusa! Nakho, khona lapho. Yilokho engikufunayo." Manje, kukhona izinto engadingeka ukuba ngizedlule. Sizofinyelela kukho, esikhashaneni, iNkosi ithanda.

314 Lonke iTestamente eLidala kwakuyimifanekiso eyayikhomba kuKristu neBandla laKhe. Niyakholwa ukuthi uAdamu noEva babekhomba kuKristu neBandla laKhe na? ["Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakholwa ukuthi uJehova nomkaKhe babekhomba kuKristu neBandla laKhe na? ["Amen."] Awu, uma bona be—be—beyimifanekiso, nalokhu kungokwangempela, kufanele kube njengomfanekiso. Isizathu, umfanekiso uthathela e—e. . . Okwangempela kuthathela emfanekisweni.

315 UKristu uyiNhloko, iTshe likaNkulunkulu leqiniso. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] IZwi leQiniso! UMlobokazi unguMzimba. Niyayifuna imiBhalo ngalokhu, ukuze niyibheke na? Ngi—bengizoyifunda imiBhalo, kodwa ngeke. UPetru wokuQala 2:1 kuya kwele 6, kwabase-Efesu 5:22. . . Niyabo? UPetru wokuQala 2:1 kuya kwele 6, kwabase-Efesu 5:23. Fundani lesosahluko, zombili, phakathi lapho. Niyabo? ITestamente eLidala: uKristu.

316 Bukani lapha. Asithathe lokhu nje, isibonelo. Mhlawumbe uma umkami engazange alithathe idola lami. . . Nanti. Ukukhokhela amasemishi, esikhashaneni esedlule. Ngiyaxolisa, bangane, bengingafanele ngikusho lokho. Kodwa nginonkosikazi olungileyo. Manje, ngemuva kwalelidola. . . Ukuba bekungenganxa yakhe, bengingeke ngibenalo idola, ngiqagele. Umusa kaNkulunkulu usipha lona, naye engisiza.

317 Manje, ngemuva kwaleli, kubukeka sengathi, uma leyo kuyimali yakithi, uphawu lwaseMelika ngakwesokunxele sedola bekufanele kube wuphawu olukhulu kulelizwe. Kunjalo na? Kodwa kungani, kube yisivivane, esibizwa ngophawu olukhulu na? Ngisho nemali yakini iyafakaza ngakho. Yebo.

318 Njalo uma uthumela iposkhadi, noma iposi, ufanele utesti-. . . Liyafakaza, "Unyaka weNkosi yethu, 1962." Yonke into ifakaza ngoKristu. Niyabo?

319 Niyakuqaphela lokho, uphawu olukhulu, yisivivane? Ukhona owake wasazi isivivane ukuthi asikaze sibe netshe lokuvala phezulu elibekwe phezu kwaso na? Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela. Ngike ngabakhona lapho eGibhithe, eCairo. Yebo. Asikaze sibe netshe lokuvala phezulu. Ngani na? Lenqatshwa, itshe legumbi. Lelo kwakuyitshe legumbi elalibambe lesisakhiwo, netshe lekhothamo. Bangaki owaziyo ukuthi yini itshe lekhothamo na? Uma kwakhiwa amatshe agobile phezu komnyango, khona-ke itshe lekhothamo likubamba likuhlanganise. Itshe legumbi yilona elibamba limise indlu. Kunjalo na? ["Amen."] Netshe legumbi esivivaneni laliyitshe lokuvala phezulu, laliyitshe lekhothamo, lisibambe sonke lasihlanganisa ndawonye. Manje, lelitshe lekhothamo lenqatshwa. Nake naqaphela phezulu lapho? Limi ngaphezu kwaso, phezulu ngaphezu kwesivivane.

320 Manje kwakumeleni lokho ngenkathi uEnoke esakha na? Nakhu okwenzekile. Sinjengokuza kweBandla leVangeli nje. Niyabo?

321 Manje, phansi engxenyeni ebanzi yesivivane, kumele izinsuku zasekuqaleni zenguquko. Ukuzibiza ngomKristu nje, uphike ibandla eliKatolika, kwakuchaza ukuthi ubulawela khona. Kwase-ke kufika . . . Bashumayela ukulungisiswa ngokukholwa. Kwase kufika . . .

Manje bhekisisa *okuthathu* kubuya futhi.

322 Sekufika noJohn Wesley, eshumayela ukungcweliswa. Ibandla liya ngokuya liba yingcosana ngesibalo, niyabo, lehla nga *le* ndlela.

323 Kwase kuthi-ke emva kwezinsuku zikaJohn Wesley zokungcweliswa, kufika ibandla lamaPentecostal, noNkulunkulu wakhipha insali kulokho. Ngamunye emukela iZwi. Niyabo? Manje, uma sekwehla kumaPentecostal, siyehla siyancipha sisondela kakhulu, ngoba kwakungukubuyiselwa kweziphiwo, kusikhuphula siqonda ngqo phezulu.

324 Kuyini na? Le phansi *lapha*, sisekude le uma kubukwa enhlokweni. Phansi *lapha,* kusondele kakhudlwana enhlokweni. Phezulu *lapha*, kusondele kakhudlwana. Kodwa lokho kuzofanele ukuba, ngokoqobo, kulingane nakho konke. Sifanele sicijise okophondo.

325 Phakathi kulesosivivane, ungathatha insingo futhi ungeke uyifake phakathi kwalamadwala lapho okwakukhona khona usimende; sihlanganiswe kahle kabi ndawonye. Bathi ithempeli likaSolomoni lalifana. Niyabo?

326 UNkulunkulu ukhipha abaKhethwa kulelobandla lamaPentecostal, lelobhastela, eLidonsela ngaphandle, futhi uqedela iZwi. Futhi lifanele lisondele kakhulu liyoze lithi iZwi uqobo lwaLo lihlangane-thaqa naleliZwi. Nakho kufika itshe eliNhloko, limemeza, "Umusa, umusa, umusa omangalisayo." Itshe eliyiNhloko!

327 Nakhu lapho enikhona, njengalokhu, niyabo, phezu kwa *lapho*. Niyabo ukuthi siba banzi kanjani phansi *lapha* na? Futhi silokhu sisondela, sisondela, sisondela, inkonzo. Emva kwesikhashana, nakhu kufika . . . *Nangu* uLuther; ukulungisiswa, walungisiswa. *Nakhu* kufika uWesley; esingcwelisiwe isigejane. *Nakhu* kufika iPentecostal; ukubuyiselwa kweziphiwo. Manje uNkulunkulu uthatha kusukela lapho, ecijisa njengophondo isigejane, ukwenza inkonzo efana nje nse naleloZwi lapho, ngoba ifanele ilingane neZwi. Nango uMlobokazi; eMthatha emkhuphula.

328 Manje, uKristu wabonakaliswa ukuze achithe imisebenzi kaDeveli. Niyakukholwa lokho na? Manje, ngeke ngakuchaza konke lokhu. Ngizokwedlula kukho nje, masinya nje manje, ngishaye indawo ephakemeyo ukuze ningahlali isikhathi eside kakhulu. UKristu wabonakaliswa ukuze achithe imisebenzi kaDeveli. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nonke niyakukholwa lokho. Yingakho E . . . Wayeyini na? IZwi likaNkulunkulu, elichitha imisebenzi yebhastela, uDeveli. Kunjalo na? Wenziwa, ukuba enze lokho. Wazalelwa ukuba yilokho, ukuchitha imisebenzi kaDeveli.

329 Manje, uMzimba waKhe uzokwenza okufanayo. Ngoba, uMzimba unjalo, inhloko nomzimba kuhlangene. Kunjalo na? Uma uKristu eyiNhloko, kwakuyiZwi, uMzimba waKhe uzofanele ube yinto efanayo njengoba yayinjalo iNhloko yaKhe. Kunjalo na? IBandla leZwi, lizalwa yiZwi, lizalwa yintombi eZwini! Hhayi okwehlelo manje, lizalwa yintombi eZwini!

Indlela uMzimba osebenza ngayo kungeNhloko. Kunjalo na?

330 Umzimba wami ungeke wanyakaza uze utshelwe yinhloko yami ukuba unyakaze. Awu, uma-ke inhloko yami iyinyama yami nomzimba wami ungukhonkolo na? Hhe! Ngeke wanyakaza. Inhloko ingathi, "Nyakaza, nyakaza, nyakaza, nyakaza, nyakaza, nyakaza," kodwa akukho okuthumela umlayezo kuwo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhll.]

331 Awu, uma iNhloko yami inguKristu, nomzimba wami uyihlelo, kuzosebenza kanjani na? Ubumhlophe nesifebekazi kungasebenza kanjani ndawonye na? Hhe-he.

332 Ngiyakuthanda, bazalwane, ngizonitshela. Ngithanda ukushumayela ngokunye kwalokhu, isikhashana. Indlela uMzimba osebenza ngayo kungeNhloko, neNhloko yiZwi. Kunjalo na? INhloko yiZwi.

333 Qhathanisa ibandla lesimanje manje. Kungani singenazo izimangaliso kulo na? Kungani singenalo iZwi kulo na? Lingeke lilithole iZwi kulo. Ihlelo liyaLimisa. Impela. Ake sithi, nakhu kufika elungileyo, indoda engcwele kaNkulunkulu, ishumayela iZwi likaNkulunkulu, ilikhipha nje ngokuvela eBhayibhelini ngqo ngakho konke; ihlelo, "Mm! Qhabo. Qhabo, mnumzane. Ikhipheni lapha." Niyabo, umzimba ngeke wanyakaza. Niyabo? Uyadledlezela, ufanele.

334 Manje, uMzimba uthwala imisebenzi, uqhuba imisebenzi, futhi wenza imisebenzi iNhloko eWuyala ukuba uyenze. Ha-ha-ha!

335 Ngitsheleni ukuthi kukuphi lapho Yake yathi khona, "Hlelani." Ngitsheleni ukuthi iNhloko yonke—yonke ithi, "Kulungile ukuba abesifazane bagunde izinwele zabo."Hhe? Ake ukusho. Akukho lapho. Ngitsheleni lapho khona iNhloko yake yathi, "Lemisebenzi eNgiyenzayo, kodwa nina aniyikuyenza." Ngitsheleni lokho.

336 Kodwa, iNhloko yasho lokhu. Nifuna ukubhala phansi umBhalo, ngizoninika wona. UJohane 14:12, "Imisebenzi eNgiyenzayo mina nani niyoba njalo," lowo nguMzimba waKhe. Niyabo?

337 Niyabona manje ukuthi kungani bengilushisekele kangaka u—uhlobo lweMbewu engiyitshalile yoMzimba na? Imvula izokuna masinyane impela manje; ngiqonde, imvula yangempela. Futhi izofanele ibe neMbewu ezokwehlela kuyo. Ngethemba ukuphila ukuba ngiyibone. Seniyaqonda manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kuzoba yiZwi eliphilayo njengoba Lalinjalo ekuqaleni, iZwi eliKhulunyiwe likaNkulunkulu; libe naMandla aKhe, ngokuba LikuYe, eMzimbeni waKhe uQobo, esebenza indlela yaKhe uQobo.

338 Bukani ezethembisweni uNkulunkulu azinika loMzimba. Manje siza entweni ethize. Siza eNtabeni yaseZiyoni manje. Ake sibone ukuthi Wathini kuloMzimba; ngiqonde, ozalwa yintombi. Manje sibona i—sibona izilingiso zawo. Sikubona nsuku zonke. Kodwa asize eMzimbeni wangempela, sibone ukuthi Wathini ngaLona. Ake sibuke. Kulungile. Nakhu Akwethembisa.

339 Niyakholwa ukuthi uJohane 3:16 uqinisile na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngifanele nje ngikufunde lokhu. Yilokho kuphela okukhona kukho. Kulungile. Nina, ngingahle . . . Wonke umuntu okholwa nguJohane 3:16, "UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, Unikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa," nokunjalo, thanini amen. ["Amen."]

340 Nginicela inselele ukuba niLikholwe lonke. Ngikhuluma ngoMzimba, manje.

341 Asithathe uJohane 20, ukuqala ngaye. Kulungile. Thathani uJohane, isahluko 20, futhi ake sibone. UJohane, isahluko 20, futhi sizoqala e, o, ngizothi cishe evesini 19. UJohane oNgcwele

20, ngikholwa ukuthi yilokho engikumake phansi lapha, futhi siqale evesini 19. Manje lalelisisani.

342 Nginicela inselele ukuba nikukholwe. O, ngi—ngiyakukholwa nje. O, ukuba nje benginga. . . Ngi—ngifisa sengathi nje bengingabona uMoya oNgcwele nje wengama ngapha, ka *njalo*, niyabo, uthi manje, "YiMi." Lalelani.

> . . . *Kusihlwa ngalolosuku, olokuqala lweviki, iminyango ivaliwe lapho abafundi behlangene khona . . . iminyango ivaliwe lapho abafundi babehlangene khona ngokwesaba abaJuda, uJesu wafika wema phakathi kwabo, wathi kubo, Ukuthula makube-kini.*
>
> *Eseshilo . . . Eseshilo lokho, wabakhombisa izandla nohlangothi lwakhe.* Futhi lapho *abafundi* bakhe . . . (Ake sibone.) . . . *uhlangothi lwakhe.* Futhi lapho . . . *Base bethokoza abafundi, beyibona iNkosi.*
>
> *Khona uJesu . . . wathi kubo, Ukuthula makube-kini:* . . . (O, senilungele na?) . . . *njengokuba uBaba engithume mina,* (UyiZwi, iMbewu, iMbewu-Zwi), *nami ngiyanithuma nina*

343 Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ningami. Kusekuningi.

> *Kwathi ukuba asho njalo, wabaphephetha, wathi kubo Yamukelani uMoya oNgcwele:*
>
> *Enibathethelela izono zabo,* kubo *zithethelelwe; nenibabamba ngazo babanjiwe.*

344 Ngabe yiQiniso lelo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wakusho kobani lokho na? IMbewu, iZwi. Ngani na? Babengazalwa kuphela nge—ngeZwi. Yingalesosizathu. Niyakukholwa lokho na? ["Amen."]

345 Asithathe uMathewu 16 manje, umzuzu nje. UMathewu 16:19, asifunde lokhu, umzuzu nje. Kulungile.

> *Ngiyakukunika izihluthulelo zombuso wezulu: oyakukubopha emhlabeni koba kuboshiwe nasezulwini: nalokho okukhulula emhlabeni koba kukhululiwe nasezulwini.*

346 Nginiphosela inselele ukuba nilikholwe. Uma lelo kungesilo iZwi, uJohane 3:16 engesilo iZwi. Kungani nithatha okunye kepha ningakuthathi okunye na? Lonke iZwi likaNkulunkulu liqinisile, kodwa Lizofanele lingene esizalweni sentombi, lapho okungekho lutho khona ngaphandle kweMbewu elele lapho. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile.

347 Manje kubhekisiseni ngempela lokhu. Ngiyazi isifebe sizosho ukuthi okwaso, futhi bathethelela izono ngamandla abo amahlelo, kodwa awubheke abantwana babo. Onke amahholo

emidanso, bagunda izinwele zabo, bazipende njengabahlekisi, amadoda ephumile ehlala nabafazi bamanye amadoda, kuqonyiswana, kujikelezwa nomgwaqo, kugezwa umzimba ndawonye yonke enye into. Impela. Bayathethelela, bathethelela izono, ngendlela okungeyabo, kodwa isithelo sabo siyakhombisa ukuthi kuyini. Akubalungele. Qhabo, mnumzane. Benzani na? Bagqoka izikhindi, bagunda izinwele zabo, bazipenda ubuso. UJesu wathi, "Baziwa ngezithelo zabo," uhlobo lwembewu abayilo. Nakho okuyikho. Imbewu yehlelo inikeza ukuthethelela kwehlelo. Kunjalo impela.

348 UNkulunkulu wathi, "IZwi maliveze inhlobo yaLo." Futhi Linjalo-ke. Kunjalo. O, mfowethu, imiBhalo uqinisile. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi "Amen."—Umhl.]

349 NoMoya oNgcwele uyafakaza ngesiphiwo esamiselwa ngaphambili iBandla elizisho ukuthi Linawo. Ini na? Ngokunisela iZwi, ligcizelela eZwini, ngo "amen." Ngenkathi Lithi, "Phendukani nibhaphathizwe, iGama likaJesu Kristu." "Amen." Nxa Lisho lezi ezinye izinto. "Amen." Yilokho-ke. "Amen," kukho konke, niyabo, Ligcizelela iZwi. Futhi uNkulunkulu nge . . . wamisela ngaphambili ukuba isiphiwo sifike, ukuthethelela izono, kodwa sanikwa uMzimba weZwi ogcwaliswe ngoMoya. Isizathu, iZwi linga, kuphela, thethelela izono, ngoba iZwi linguNkulunkulu.

350 Babeqinisile ngempela abaFarisi! Ngikuthintile, kulokhu ukusa, sizofinyelela kulokhu. Futhi ngithathe isikhathi sami. Kodwa a—abaFarisi bathi, "LoMuntu uthethelela izono. Siyazi Ungumhlambalazi. NguNkulunkulu kuphela ongathethelela izono. NaloMuntu uthethelela izono." Bengazi ukuthi Lelo kwakuyiZwi. IZwi lithethelela izono, ngoba LinguNkulunkulu.

351 Futhi uma ungabi ngowakho . . . UNkulunkulu uyazi, wayazi, futhi wayazi ngaphambili ngokwazi ngaphambili, ukuthi ubani owayezothatha lesisiPhiwo nokuthi ubani owayezosisebenzisa ngendlela efanele. Labo abanaSo baqinisekiswa yiZwi likaNkulunkulu, nalolonke iZwi noMoya. Lokho kucacile na?

352 Abanye bayonenza nikholwe ukuthi sifika ngokufunda esikoleni, umfundaze, iziqu; uma uya esikoleni isikhathi esingaka, uma uba ngumbhishobhi, ufundele ukuba uphapha, noma uba yisikhulu sesonto, noma into efana naleyo. Lokho, abanye bayosenza sikholwe ukuthi sivela lapho, lapho umuntu, ngokubekwa izandla, kukwenza ube into ethize ukukwenza. Kodwa baphumile eZwini.

353 KwabaseRoma 11:29 kwathi, "Izipho nokubiza akuguquki." Kunikezwa nguNkulunkulu. Kanti futhi noJohane 15:16, nifuna ukukubhala phansi.

354 Lalelisisani manje. Wayehluke kakhulu kanjani uJesu, ngezinsuku zaKhe, emahlelweni angosuku lwaKhe.

Babekhomba emuva kuye . . . Ngithanda kabi ukubambelela kulokhu isikhashana! Wewu! Babekhomba emuva ehlombe labo, emuva kusukela phansi esikhathini, futhi bathi, "Singabafundi bakaMose. Siyazi ukuthi uNkulunkulu wabonakala kuMose, esihlahleni esivuthayo. Siyazi."

355 Babazi, babazi umlando kaMose, kodwa babengamazi uNkulunkulu kaMose. Isizathu, Wama phambi kwabo, kuJohane 6, wayesethi, "Engakabikho uMose, engakabikho uAbrahama, NGIKHONA," isihlahla esivuthayo. Babazi umlando kaMose.

356 Kunjalo nanamhlanje. Babazi uNkulunkulu . . . Bazisho ukuthi bayalazi iZwi likaKristu, kodwa abamazi uNkulunkulu owayekuKristu. Umlilo opendiwe! Ubani ongafudumaliswa ngumlilo opendiwe, ulwazi lwesipiliyoni lwasekholiji na? Babemazi uMose, kodwa hhayi uNkulunkulu wakhe. UJesu wayengasho futhi washo . . .

357 Amen. Lalela lokhu, mfowethu. Wewu! Manje ngizizwa njengoDavide eshwiba leyondwayimane phezulu manje. Ngiyethemba angibonakali ngingongcolisa okungcwele kinina, bangane. Ngikahle, kodwa nje ngizizwa ngikahle. Ngithola nje, ngizizwa ngikahle manje.

358 UJesu wayengasho futhi washo, "UBaba oNgithumile ukiMi. Futhi njengalokhu ENgithumile, naMi ngiyanithuma," kubafundi baKhe. "UBaba oNgithumile unaMi. Uma Ngingenzi imisebenzi yeZwi elithenjiswe nguBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa, ngoba Yiyo efakaza ngaMi."

359 Haleluya! O, bandla, ukuphi na? UJesu wathi . . .

Bathi, "O, siyazi ukuthi uNkulunkulu wenza *lokhu,* kodwa hhayi namhlanje."

UJesu uthi, "Okufanayo . . . "

"Siyazi uNkulunkulu wayenoMose."

360 "Kodwa uNkulunkulu owayenaMi ukiMi. Ngoba, uma ningakukholwa, bukani ukuthi kulotshweni ngaMi. Nibone ukuthi umBhalo wathi Ngiyokwenzani, futhi, ukuthi aNgeneli yini emBhalweni, khona-ke ningaNgikholwa."

361 Ake ngisho lokhu, kungesikho ukuthuka okungcwele, kodwa ake ngisho lokho mayelana noMlayezo engiwushumayelayo. Uma uNkulunkulu engakuqinisekisi Lokhu ukuthi kuyiQiniso, khona-ke aLisilo. Kodwa uma iZwi liqinisekisa ukuthi Nginitshela iQiniso, khona-ke kholwani yiZwi. Yiwo afakaza ukuthi Nginitshela iQiniso noma qha. Angubufakazi. Wona, Afakaza ngeyami . . . ngenkonzo Anginika yona. Wakwethembisa lokhu ngezinsuku zokugcina. Nakhu. Washo ukuthi kuyokwenzani. Nakhu. Singena kukho ngqo manje. Bonani ukuthi kuyiQiniso noma qha. Makube nguNkulunkulu owenza ukufakaza. Uma imisebenzi, izinto engizishumayelayo zingabuyi zifakaze, ukuthi yiQiniso, khona-ke akusilo iQiniso.

Kodwa uma iZwi likhuluma ngalokhu, futhi nakhu, manje-ke nizokwenzenjani ngakho na?

362 UJesu wathi, "Ngiyanazi. Nicabanga ukuthi niyamazi uMose. Niyazi, ningahle niwazi umlando kaMose, kodwa animazi uNkulunkulu wakhe. Ngokuba, Ngangingaphambi kukaMose. KwakuyiMi Owakhuluma noMose. Ngi 'NGUYE.' NgiyiZwi."

363 Abakwazanga ukukubona, ngoba bangabakayise, uDeveli. Amahlelo abo ayengenakubavumela bakubone. Lokho akulimisanga iZwi ekutheni liqhubeke, ngokufanayo nje. Lawela kwabanye, kahle, futhi kulokho kuvela uMlobokazi, lesosizukulwane. Kulungile. Kwehluke kakhulu kangakanani, umlilo opendiwe!

364 UJesu wayengathi—wayengathi, "UBaba oNgithumile," unaYe. "Nemisebenzi eNgiyenzayo mina, iyafakaza, ngoba Ngenza izinto ezifanayo imiBhalo eyathi Ngiyozenza."

365 AmaJuda ayemazi uNkulunkulu wawo womlando. Kuyafana namanje. Yebo. Bamazelani uNkulunkulu womlando na? Yingoba ayenembewu yomlando. AwaMemukelanga ngani na? Ngoba kwakubhastelene nehlelo.

366 UJesu wayazi ukuthi Ubani owaMthuma, ngokuba owaMthuma wayekuYe.

367 Futhi kwakungekho-hlelo elaliboshelwe kuYe. Amen. Ngitsheleni ukuthi yiliphi. "Wavela kusiphi isikole na?" Bathi, "Wakutholaphi lokhu ukuhlakanipha na? Kwavelaphi lokhu ukufunda na?" Abatholanga-sikole Ake aya kuso.

368 Futhi, nokho, eneminyaka eyishumi nambili ubudala, Wamangaza ababhali nabaFarisi. O, he! Lokho kwakhuluma ngakho. Abashongo ngani okuthize kuYe, njengomfanyana na? KwakuyiZwi likaNkulunkulu. Babengenakumelana naLokho.

369 Akumangalisi abantu bamangala ngokuFundisa kwaKhe! Senake nakufunda lokho na? UMarku 1:22, uma nifuna ukukubhala phansi. "Abantu bamangala ngokuFundisa kwaKhe, ngoba Wafundisa njengonamandla." Wayazi ukuthi Wayekhuluma ngani. Niyabo?

370 IBandla manje lifanele libe nokuphindwe kabili koMoya. Ngokuba yiqiniso, njengengubo kaElija eyehlela phezu kukaElisha, okuphindwe kabili, into efanayo evela kuJesu Kristu. Manje, wena uthi, "O, Mfowethu Branham, ukhuluma ngeBandla laKhe." Kunjalo. Lowo nguMzimba waKhe.

371 Umkami akasiyo yini ingxenye yomzimba wami, nomkakho ingxenye yomzimba wakho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] "Inyama yenyama yakho, nethambo lethambo lakho," ngokuhlangana okungcwele. Kunjalo na? ["Amen."] Yingalesosizathu umKristu engafanele ukuthi aganwe yisifebe.

Niyabo? Lokho akulungile, qhabo, mnumzane, ngoba kubhidliza zonke izinto zikaNkulunkulu.

372 Wena uthi, "O, manje, Mfowethu Branham, awume kancane. Ukhuluma ngoMoya kaKristu uphezu kwe . . . "

373 IBhayibheli lathi Uyoba njalo. Kunjalo na? UIsaya 9:6, Kwathi—kwathi, "Sizalelwa umntwana, siphiwa indodana, igama liyakuthiwa uMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onamandla, uYise ongunaphakade. Nokombuso waKhe akunakuphela. Nohulumeni uyakuba laKhe . . . " Ini? [Ibandla lithi, "'Hlombe.'"—Umhl.] Leyo yingxenye yoMzimba waKhe. He! Lowo nguMzimba waKhe. Yiwo na? ["Amen."] "Amahlombe aKhe" nguMzimba waKhe. Uphi uhulumeni emhlabeni na? EMzimbeni waKhe.

374 "Abangcwele bayakwehlulela umhlaba." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UPawulu wathi, "Ngithi ninesibindi sokuyisana enkantolo futhi anikuthathi nikuyise phambi kwebandla." Kunjalo. Niyabo? Abangcwele bayakwahlulela umhlaba."

375 Uzoba kuphi uhulumeni na? Emahlombe, uMzimba waKhe. "Uhulumeni emahlombe aKhe," leyo yingxenye yoMzimba. Kuyini na? Amandla aKhe asemhlabeni. Amandla kaNkulunkulu asemhlabeni ayiZwi laKhe lenziwe inyama eMzimbeni waKhe lapha emhlabeni, enza kufezeke.

376 UMose . . . Lalelani. Asikwedlule okunye kwakho. Izithunywa zikaNkulunkulu njalo besenqatshwa. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UMose wenqatshwa. Kunjalo na? ["Amen."] UJesu wenqatshwa. NoLuka washo, kwese 10:16, uma nifuna ukukubhala phansi lokho. Kulungile. Wenqatshwa.

377 USamuweli wokuQala 8:7, umlayezo kaNkulunkulu wenqatshwa. UNkulunkulu wayenesithunywa, umprofethi, othiwa uSamuweli. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wenqatshwa yena nomlayezo wakhe. Bathatha izwe.

378 Lona ngumthetho ka—kaNkulunkulu. Lokhu kuzo . . . Angazi ngizokusho lokhu noma qha. Lona ngumthetho kaNkulunkulu. Umthetho kaNkulunkulu ungukwemukela inceku eqinisekisiwe.

379 Nje asi—nje asikufakazise lokho, umzuzu. Ngifuna ukuthatha omunye wemiBhalo lapha, uJohane 13:20. Ake sibone nje. Nginokuthile okubhalwe phansi lapha, ngithi nje ukukuthola emqondweni wami ngaleyonkathi nje. O, yebo, kulapha.

*Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, Owemukela engimthumayo wemukela mina; ongamukaleyo mina wamukela ongithumileyo.*

380 Inceku eqinisekisiwe! O, mfowethu, kunezintshumayelo eziyinkulungwane ezilele khona lapha manje. Niyabo? Kunjalo. O, he! Ngumthetho kaNkulunkulu. Wemukeleni.

381 USamuweli ehla wayesethi, "Ngifuna ukunibuza okuthize. Sengake nganitshela noma yini eGameni leNkosi okungafezekanga na?"

Bathi, "Qhabo."

382 "Sengake ngayithatha yini noma yimiphi iminikelo ukuba ngakhe izakhiwo ezinkulu, futhi ngenza inqwaba yento enkulu futhi ngizidumisa mina na?"

"Qhabo."

"Ngabe uNkulunkulu ufakazisile yini, ukuba aphendule iZwi engilishilo na?"

"Yebo."

"Awu, pho yini ningangizwa na?"

UJesu wathi kubaFarisi . . .

"Siyazi uzalwe ngokuhlobonga Wena."

383 Wathi, "Yimuphi kini ongaNgilahla ngesono na? Ake Nginikhombise iZwi likaNkulunkulu, ngibone ukuthi nizoLikholwa yini, ngibone ukuthi uNkulunkulu uyaLiqinisekisa yini kini. Futhi ake Ngikhulume ngaMi uqobo, uma Ngikhuluma ngaMi uqobo, Ngingumqambimanga. Kodwa uma Ngikhuluma ngoNkulunkulu, noNkulunkulu ekhuluma ngaMi, ngeZwi laKhe, khona-ke yiQiniso. Manje-ke, ubani okholwa iZwi likaNkulunkulu, yiMina noma yini na?" Ha-ha! Lokho kwabanakho.

384 UJesu wathi, "Owamukela eNgibathumayo, wamukela Mina." Futhi, manje, labo Abathumayo, "Nabemukela Mina wemukela ONgithumileyo." Ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi ukuba silibale kulokho. Ningakhonza uNkulunkulu kuphela njengo . . . Ningakhonza uNkulunkulu kuphela njengoba nenza futhi—futhi nikholwe yizinceku uNkulunkulu azithumayo. Ningakhonza uNkulunkulu kuphela emhlabeni, niyabo, njengezinceku zikaNkulunkulu ethunyelwe emhlabeni ngokuphefumulela kobuNkulunkulu inihumushela iZwi. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

385 Niyafuna ukubhala phansi eminye imiBhalo yakho na? KwabaseKorinte bokuQala 14:16. UPawulu wathi, "Landelani mina njengokuba nami ngilandela uKristu," futhi, 11:1. ULuka 10:16, bukani ukuthi Wathini, ukuthi uJesu wathini lapho. ULuka 10:16, ngikholwa ukuthi niseduze kwakho khona lapha impela. Ake sibone ukuthi kuthini kanye lapha, uLuka 10:16, besayibhala yonke phansi. Manje, lokho abaseKorinte bokuQala 14:16, futhi 11:1, noLuka 10:16.

386 Manje asifunde. Ngiya kuLuka 10:16, lapha, ukufunda nje ngenkathi nonke nisabheka omunye manje, okwesikhashana nje. Kulungile. Silapha.

*Onizwayo nina uyangizwa mina: onalayo nina uyangala mina; ongalayo mina uyamala ongithumileyo.*

387 Lokho kufakazisa ukuthi uNkulunkulu ukhuluma uMlayezo waKhe ngezinceku zaKhe. Ubehlala njalo ekwenza. Kunjalo.

388 Manje, amandla eBandla elikholwayo. "UKristu unawo onke amandla emazulwini nasemhlabeni." Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, uma-ke Ekini? Ngabe uKristu unawo onke amandla na? ["Amen."] UMathewu 28:18. Kulungile. UyiZwi-Mbewu eMzimbeni waKhe. Futhi Yena, phakathi kithi, uba yiZwi-Mbewu phakathi kithi. Ini? Konke lokho uNkulunkulu ayeyikho, Wakuthululela kuKristu; nakho konke uKristu ayeyikho, kwathululelwa eBandleni. Lawo amandla.

389 Manje bhekisisani. Khumbulani umthetho kaNkulunkulu wokuphindukuzalana, manje, khumbulani, "Ngenhlobo yayo." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] IMbewu kaKristu, iZwi, lifanele lifike ngoMzimba waKhe. Ha-ha-ha-ha-ha!

390 Seniyakhathala na? [Ibandla lithi, "Qhabo."—Umhl.] Kulungile. Umzuzu nje manje. Ake sizibambe sithule nje futhi sikhuleke. Ngifuna ukufaka lokhu, kahle kakhulu. Ngifuna lokhu ukuba kugayeke kwehle.

391 IMbewu kaKristu ifanele, i-f-a-n-e-l-e, ifanele ifike ngoMzimba waKhe; hhayi ngehlelo, kodwa ngeMbewu yeZwi ezelwe kabusha, ifanele ifike ngawo. Manje, khumbulani. Kuyini na? IMbewu kaKristu.

Ifika kanjani imbewu yami na? Ngomzimba.

Ifika kanjani imbewu ye apula na? Ngomzimba.

392 IMbewu ingoMzimba, neBandla linguMzimba kaKristu. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] IBandla leBhayibheli! Lokhu ukuZala kuveza (lokho ukuZala okusha) Yena uqobo eMzimbeni, iBandla laKhe, liyiZwi laKhe, ukuze abantu babone ukuqiniswa kwamaHeberu 13:8, "UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade." Niyakukholwa na? ["Amen."] Lawa akusiwo ama domi-. . . amabhastela amahlelo, manje. Leli yilabo osemkhondweni wokuhamba kwenkanyezi, elindele ukubala ngokuhlehla, niyazi ukuthi ngisho ukuthini, belungiselela ukuthatha umcibisholo irokhethe. Udumo! Lawa akusiwo amabhastela amahlelo; engamile phakathi Lapha, awasiwo. Qhabo, mnumzane. YiMbewu.

393 UPawulu wayesaba ukuthi abantu babezobhekisisa uhlobo oluthize lwamagama amakhulu ayengawasho, amanye emfundo yakhe. KwabaseKorinte bokuQala 2:1 kuya kwele 8. Nifuna ukukubhala phansi. AbaseKorinte bokuQala 2:1 kuya kwele

8, uPawulu wathi, "Angifiki neze kini, ngikhuluma amazwi ukuhlakanipha, niyazi, ukuba ukukholwa kwenu kube sentweni ethize yekholiji. Kodwa ngiza kini ngobulula, ngamandla nangesibonakaliso sikaMoya oNgcwele, ukuze iZwi lenu . . . ukuze ukukholwa kwenu kuphumule eZwini likaNkulunkulu." Yebo, mnumzane.

394 Nakuba, amabandla amahlelo eyomedlula ngesibalo uMlobokazi, inkulungwane koyedwa. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakholwa ukuthi iBhayibheli liyakufundisa na? ["Amen."] Isaya 54:1. Wakwethembisa. Ngokuba i . . .

395 Ni—niyafuna ngi—niyafuna ngikufunde na? Kulungile, asikuthole manje. Nifuna ukubona ukuthi kukuphi, lapho Ethembisa khona ukuthi ayokwedlula ngesibalo. Asiye ngale kuIsaya 54, 53, 54:1.

> *Hlabelela, O wena-nyumba, ongazalanga; uqhumuke ngokuhlabelela, umemeze ngamandla, wena ongabanga-namihelo: ngokuba abantwana bomhlupeki baningi kunabantwana besifazana esiganileyo, isho iNKOSI.*

396 Ha-ha-ha-ha! Kunjalo na? Baningi abantwana besifebekazi kunoweSifazane oganileyo. Impela. Bayasedlula ngesibalo, isikhathi esiningi. Nakuba be—nakuba bebaningi ngezibalo, abanaye ubaba weqiniso.

397 Manje, izinhlobo zamahlelo lufanekiswa kuJuda 8-13. Lelo yibandla elijikelezayo, "Amafu angenamvula, ekhephuza amahlazo awo."

398 Ibandla lePentecostal lifanekiswa, laleloqembu lehlelo, kuThimothewu wesiBili 3:1 kuya kwele 8, "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu." Imbewu yabo iveza inhlobo yabo. Qaphelani, umthenwa . . .

399 O, lapha, sizongena entweni ejulile manje. Manje bhekisisani leliBandla-Mbewu, leliBandla langempela elinesangempela, isiDoda sangeqiniso.

Qaphelani, umthenwa wayekade enazo zonke iziqu ze D.D.

400 Manje khumbulani, uNkulunkulu akazange anikele . . . UNkulunkulu akazange anikele ukushumayela kwaKhe—kwaKhe neVangeli laKhe eNgelosini. Bangaki okwaziyo lokho na? Bangaki abaziyo ukuthi kwabaseGalathiya 1:8 kwathi, "Uma iNgelosi ivela eZulwini futhi ishumayele enye into ngaphandle kwalokho ababekushumayelile, akube ngokuqalekisiweyo"? Ngakho, iNgelosi inephutha uma yehlukile eZwini. UNkulunkulu wehla waba ngaphansi kweziNgelosi, futhi waLinikela kumuntu, ababengamadodana. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Manje bhekisisani. Manje, Akazange akunikele eziNgelosini. Qaphelani, Akakwenzanga.

401 Manje, uFiliphu wayekade ephezulu ePentekoste, eJerusalema, ukuyokhonza. Bangaki othi "amen" kulokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

402 Umthenwa, wayekade enazo zonke iziqu ze D.D. neze L.D., nakho konke. Kodwa kungani engatholanga okuthize na? Uyabuya ehla, efundisisa isiprofetho sikaIsaya.

403 Nakuba iNgelosi yamqondisa kuye uFiliphu, kodwa iMbewana yokuPhila yayifanele iphume ngoMzimba, uFiliphu. A! O, mfowethu, manje sisemgqeni. Yavelaphi iMbewana na? NgeNgelosi na? INgelosi yamkhombisa ukuthi akaye kuphi. INgelosi iyisithunywa. *Nansi* indodana. UFiliphu wayeneMbewana, uMlayezo, iZwi. Angazalwa kanjalo-ke uMntwana. UFiliphu wabeka izandla zakhe phezu kwakhe. UFiliphu wambhaphathiza eGameni likaJesu Kristu. Nakho kufika uMoya kaNkulunkulu. Impela. Manje, iMbewana yayifanele ivele eMzimbeni. Mzimba-muni na? UMzimba kaKristu. Kuyikho. NoFiliphu wayeyilunga loMzimba.

404 Manje lalelani. Into efanayo yenzeka eZenzweni 10:48. UPetru wayesendlini engaphezulu. INgelosi yamqondisa yamqondisa endlini kaKorneliyu. Kodwa lavelaphi iZwi na? UMzimba. O, o, o, o, o, o! Ngizizwa ngikahle kakhulu, ngizwa kuthi angihambe ngiqhubeke. INgelosi iyafika yase ithi, "Ungakhathazeki. Ungabizi lutho ngokuthi aluhlanzekile. Qhubeka nje, ungacabangi lutho."

405 "Kwathi uPetru esakhuluma lamaZwi," hhayi iNgelosi, hhayi isikhulu sesonto. "Kwathi uPetru esakhuluma lamaZwi." Ini? WayenguMzimba. WayeneZwi. IZwi labamba. O, mfowethu! Wewu! Mm! O, he! INgelosi yakuqondisa, kodwa ukuPhila kuphuma ngoMzimba kaKristu.

406 UPawulu, esendleleni ebheke eDamaseku, umbono wamqondisa. Kodwa uAnaniya wayeneMbewana, wayeneZwi. Amen. Lowomprofethi, uAnaniya, wabona umbono owathi, "Yenyukela lapho, ubeke izandla zakho phezu kwakhe."

407 Wathi, "Sawulu mzalwane, iNkosi ibonakele kuwe endleleni, wehlela lapha." Wazi ngani na? WayeneZwi. IZwi leNkosi leza kumprofethi. Waprofetha! Wenyukela lapho wayesethi, "Uyafika, ungithumele phezulu lapha, ngingabeka izandla zami phezu kwakho, futhi ungaphiliswa futhi wemukele uMoya oNgcwele. Ubuye ubone." Inkwethu yawa emehlweni akhe. Wasukuma, wabhaphathizwa, iGama likaJesu.

408 Wahamba wayofundisisa. INgelosi yakuqondisa, kunjalo, kodwa uPawulu wayeneMbewana yeMbewu.

409 Kuthatha uMoya kaNkulunkulu, iMbewu, ukunikeza ukuPhila okuPhakade. Wewu! He!

410 Ngabe sekuyilo ihora lesibili nqo na? [Ibandla liyahleka. Omunye uthi "Sekungemva kwalo."—Umhl.] Ngiyakwazi. Ehhe! Kukhona engizokufunda, manje-ke. Ake ngifunde nje cishe imizuzu eyishumi. Niyathanda na? ["Amen."] Nginomcabango omuhle, bengingahlala lapha, kodwa kungcono ngiqhubeke kancanyana lapha. Futhi sinaso isikhathi sethu. Sekuyimizuzu engamashumi amabili-nanhlanu kushaya elesihlanu. Angazi ukuthi sikhathi-sini esiyongena ngaso eGeorgia. Ngifisa sengathi bengingama ngiphawule ngalokhu kancanyana nje. Kodwa nje ngizokufunda ngingajahi-sampela. Lalelisisani. Nakhu engakuthathela ipeni, ingxenye yakho.

411 Niyabo, bangane, enginakho, indlela engime ngayo indlela enginayo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabona ukuthi kungani ngilwa, "Sukani kulawomahlelo futhi nithole iBandla likaNkulunkulu langempela na"? ["Amen."] Niyabona ukuthi kungani Lifanele liphume eZwini na? ["Amen."] Ngeke Lafika ngokuhlakanipha komuntu. Lifanele lifike ngeZwi likaNkulunkulu. Yingalesosizathu ngilikholwa iZwi ngendlela eLilotshwe ngayo nje. Ngeke ngenezele lutho noma ngisuse lutho. Nje ngiLishumayela ngaleyondlela, ngilokhu ngiqhubeka nje.

412 Manje, bazalwane, nonke nina eniseteyipini, uma ningavumelani nami, ngizonikhulekela. Uma nginephutha, ningikhulekele.

413 Ngizofunda okunye manje. Nje . . . Ngifuna nikulalelisise ngempela lokhu. Nakhu lapho uMoya owathi khona, "Thatha ipeni." Ngizokuyeka okunye kwaKho kuhambe, kodwa kufanele ngininike okunye kwaKho. Kulungile.

[UMfowethu Branham ufunda amaparagrafu 414 kuya ku 441—Umhl.]

414 Manje, nakhu engizama ukunitshela khona. Umthetho wokuzalana, uveza inhlobo yawo, uGenesisi 1:11. Lezizinsuku zokugcina, uMlobokazi-Bandla leqiniso lifinyelela etsheni eliyiNhloko, liyoba yiBandla eliphakeme, iSizwe esiphakeme, lapho li . . . sondela etsheni elikhulu eliyiNhloko. Bayofana kakhulu, bafane kakhulu naYe ngangokuthi, bayoze ngisho babesemfanekisweni waKhe nse, kungokokuba bahlanganiswe naYe. Bayoba Munye. Bayoba yikho impela ukubonakaliswa kweZwi likaNkulunkulu ophilayo. Amahlelo angeke aze akuveza Lokhu. Lokhu kuyoba . . . Ayoveza izivumokholo zawo nezimfundiso ezingaphikiswa, zixutshaniswe neZwi, futhi—futhi kuthela isithelo esizalwa yizinto ezingafani ngohlobo.

415 Indodana yokuqala yayiyiZwi-Nzalo elikhulunyiwe likaNkulunkulu. Yanikwa umlobokazi. (Ngiyabuyekeza nje. UMoya manje ucosha lokho engikushilo. Niyabo?) Umlobokazi, prod- . . . ukuba izizale. Wawa. Niyabo, yilokho oku . . . Umlobokazi wanikezwa, ukuba iphinde izizale, enye

indodana kaNkulunkulu. Kodwa wawa, ngokuzaliswa wuhlobo olungafani, niyabo. Izizale; kodwa wawa, wayibangela ukuba ife.

416 INdodana yesibili, iZwi-Nzalo elikhulunyiwe likaNkulunkulu, yanikwa umlobokazi, njengoAdamu. Kodwa ngaphambi kokuba Ashade naye, wayesewile, naye. Ngoba wabekwa ukuba abe ngozikhethelayo, njengoba wayenjalo umka-Adamu, ukuba akholwe iZwi likaNkulunkulu aphile, noma aLingabaze afe. Futhi wakwenza.

417 Manje-ke eqenjini elincane leNzalo yeqiniso yeZwi, uNkulunkulu uyonikeza uKristu uMlobokazi othandekayo, iNtombi, iNtombi yeZwi laKhe. Futhi ngabo, nangabo, kuyogcwaliseka konke lokho obekwethenjisiwe kweZwi laKhe eNtombini engazi zivumokholo ezenziwe ngabantu kumbe izimfundiso ezingaphikiswa.

418 IZwi lesethembiso kuYe uqobo, njengoba Lalinjalo kuMariya, uNkulunkulu qobo lwaKhe wabonakaliswa. Uyokwenza qobo lwaKhe, ngeZwi laKhe uQobo lesethembiso, ukuze kugcwaliswe konke lokho obekulotshwe ngaYe, njengoba Enza ngenkathi Ephuma esizalweni sentombi. Umfanekiso wesizalo sikaMoya manje, izoba njalo neNtombi manje, yemukela iZwi laKhe, “Akube-kimi njengoba Ushilo.” Nakuba kwashiwo yiNgelosi, ngenkathi nokho kwakuseyiZwi elilotshiwe, uIsaya 9:6.

419 BayoMthanda, bathanda awaKhe, futhi babenamandla aKhe, ngokuba UyiNhloko yabo. Futhi bona bayizikhonzi zaKhe, bathobela iNhloko yaKhe. UbuNhloko bukaKristu babungobaKhe.

420 Qaphela ukuzwana okunje! UJesu akazange enze lutho aze abe usebone kuYise, noma, akhonjiswe nguYise kuqala. Ukuzwana phakathi kukaNkulunkulu noKristu, niyabo, uJohane 5:19. Kuzoba njalo nakuMlobokazi, futhi UMkhombisa iZwi laKhe lokuPhila. UyaMkhombisa, futhi UyaLemukela. Akalingabazi nhlobo. Akukho okungaMlimaza, hhayi ngisho ukufa. Ngokuba uma iMbewu itshalwa, amanzi ayoYivusa futhi. (Amen. Manje-ke nginomkhulu u “Haleluya!”) Nansi imfihlakalo. IZwi likaMlobokazi, nomqondo kaKristu, ukwazi ukuthi Ufuna kwenziweni ngeZwi. Futhi Ukwenza eGameni laKhe. UnoISHO KANJE INKOSI. Bese Ihluma, ngakho uMoya oNgcwele uyaYinisela ize Ikhule futhi yenze inhloso yaYo.

421 Benza kuphela intando yaKhe. (Amen. Ngizokukholwa lokho.) Akekho ongabancenga behluke. Bano ISHO KANJE INKOSI kungenjalo bayazithulela. Manjena-ke bayokwenza imisebenzi kaNkulunkulu, ngoba KunguYe uqobo kubo eqhuba iZwi laKhe ukugcwalisa, njengoba Aqeda ngezinsuku zaKhe. Zonke izinto, ngenkathi Eselapha, Akawuqedanga wonke ngenkathi Eselapha, ngoba kwakungakabi yisikhathi.

422 Manje masime njengoJoshuwa noKalebi. (Manje qaphelisisani. Lokhu kuzoba nesizinda sokomoya.) Manje masime njengoJoshuwa noKalebi, njengoba sibona iZwe lesethembiso lizobonakala. Kusondela esikhathini sokunikezwa. Ukuthi Joshuwa, ngesiHeberu, kuchaza u*Msindisi*, futhi kumele umholi othenjisiweyo wesikhathi sokugcina ukuba athathe iBandla aliwelise. UKalebi umele ikholwa leqiniso elahlala noJoshuwa. UNkulunkulu waqala uIsrayeli enjengentombi eneZwi laKhe. Kodwa bafuna okwahlukile. Lenzenjalo nebandla losuku lokugcina.

423 Qaphela ukuthi uNkulunkulu akazange kanjani amqhube uIsrayeli kwazwe kwaba yisikhathi esingesaKhe uQobo esikhonjiweyo. (Manje lalelani. Lokhu kuzosho okuthize.) UJoshuwa walindela lesosikhathi. Qha akunandaba, ukuthi abantu babesho kangakanani ukuthi, "UNkulunkulu wasinika izwe, isethembiso. Masihambe manje futhi silidle." Bangahle ukuba bathi, "Joshuwa, ulahlekelwe ngumyalo wakho. Usukhathele. Yini ungenzi okuthize na? Wawuvamise ukukwenza, wazi uISHO KANJE INKOSI ngomzuzwana, nokuthi yayiyini intando kaNkulunkulu." Kodwa lo ohlakaniphile, umprofethi owayethunywe nguNkulunkulu wayesazi isethembiso sikaNkulunkulu, kodwa futhi wayekwazi ukulindela lesosethembiso, isinqumo esingunqamla-juqu esivela kuNkulunkulu sesikhathi sakhe. (Niyayibona lemifanekiso. Manje qaphelani.) Futhi lapho isikhathi sifika, uNkulunkulu wanikezela uJoshuwa, owayekade ehlale naYe, ngeZwi, ngoba Wayengenakubethemba abanye. Wayemethemba yena. Kanjalo kuzophinda.

424 Njengomprofethi ogcotshiwe onamandla, uMose, wayazi ukuthi uNkulunkulu wayezomsebenzisa. Ngoba Wayefakazisile ngoMose ukuthi uyinceku yaKhe, ngokuzalwa kwakhe okungejwayelekile, ngesikhathi esiyiso ukuthi sa, ukukhululwa kwenzalo ka-Abrahama kwase kuyiso isikhathi. (Niyakuthola na?) UMose akazange ahlale eGibhithe futhi aphikisane nabo ngamaphuzu abo angokomBhalo. Akazange aqophisane nabapristi. Kodwa waya ehlane futhi walindela eNkosini, kwaze kwathi—kwaze kwathi abantu wamlungela ukumemukela. Wayefikele ukuzofakaza ngabo, kodwa abamemukelanga. UNkulunkulu wabizela umprofethi waKhe ehlane. UNkulunkulu wayefakazile ukuthi Wayemkhethile. Kodwa ukulindela kwakungekho ngoMose, kodwa kubantu ukuba bakulungele ukwemukela uMose. UMose wacabanga ukuthi abantwana bazoqonda ukuthi wayethunyiwe. (Angizange ngikubhale; kwabhalwa nguYe.) Kunjalo namanje.

425 NjengoElija, emva kokuba lowo onamandla, umprofethi oqinisekisiweyo iZwi likaNkulunkulu eleza kuye, wayeseqedile ukushumayela umlayezo waKhe emaqenjini aseMelika

esimanje eNenekazini lokuQala, nezinwele zalo eziphunguliwe namaqembu azipendile kaJezibele. UNkulunkulu eqinisa ngomprofethi waKhe; ngaso sonke isikhathi ayeprofetha ngaso, kwakuyiqiniso. UNkulunkulu wambiza ensimini, waze Wahlupha lesosizukulwane ngezinhlupho ezinamandla, ngokwenqaba umlayezo womprofethi waKhe neZwi likaNkulunkulu Ayelithumele kubo. UNkulunkulu wamthumela ehlane, ecashile, ngisho nenkosi ayikwazanga ukumbiza aphume. Nalabo abazama ukumncenga ngokuphambene nentando kaNkulunkulu, bafa ngokwenze njalo. (O Nkulunkulu! Wewu. Umm!) Kodwa lapho uNkulunkulu ekhuluma kumprofethi waKhe othembekileyo ngombono, ephuma ehlane ufika no ISHO KANJE INKOSI. Wenzani na? EZwini ngqo, wahamba wabuyela eZwini, waletha amatshe ayishumi nambili futhi wawaginqela ndawonye.

426 NjengoJohane uMbhaphathizi, umanduleli othembekile kaKristu, umprofethi ogcotshiweyo. Engenasikole sikayise, engenasikole somFarisi, akukho-hlelo elalingambiza ehlane lapho uNkulunkulu ayemthume khona, waze wezwa iPhimbo likaNkulunkulu. "UMesiya useseduze." (Nilalele, ngomqondo kamoya na? Yini enye futhi engingayisho lapha! Ngeqa enye into lapha manje.)

427 Kwehluke kakhulu namhlanje, abaningi abathiwa abavangeli bazisho ukuthi bona banempendulo ye. . . evela kuNkulunkulu, yabantu. Njengoba kwenza uKora nje, ephika, ephikisana negunya loqinisekisiwe kaNkulunkulu, umprofethi ogcotshiwe, uMose, ezisho ukuthi wayenempendulo. Leli kwakuyisu lokwenza imali, futhi, ithole legolide; njengoba abaningi benza namhlanje, isakhiwo esikhulu, isikole esikhulu, imishini yokuchamusela echamuselayo yembewu yabo efanayo. Bese-ke abantu, bese njengoba kunjalo manje, bakhangwa yikho. Emva kokuba sebelizwile iZwi likaNkulunkulu leqiniso, ngomprofethi ogcotshiweyo owaqinisekiswayo, bakhangwa ngamanga kaKora. Umprofethi kaNkulunkulu ofakazelwe, noNkulunkulu wazi. . . futhi babazi ukuthi uNkulunkulu wayebatshelile. UIsrayeli wayazi ukuthi uNkulunkulu wayebatshelile, ngokusobala, ukuthi Wayezobaqinisekisa abaprofethi baKhe ngeZwi laKhe. UKora wayengesuye umprofethi wangokomBhalo, kodwa kwakubukeka kahle kakhulu kubantu, kuyafana njengoba kwenza manje. Namhlanje, namhlanje yigazi ezandleni zenu, amabhola omlilo emsamo, amafutha eminweni yenu. Nento efanayo ikhiqiza abashumayeli besifazane, izinwele ezimfishane, eziphunguliwe, ukuziphaqula. Ninani na? Beningeke nicabange ukuthi abantu bayokhangwa yikho, kodwa bakwenzela uKora. Futhi benza into efanayo manje, futhi bafulathela iZwi leqiniso, ngenxa yamahlelo. Kukhombisa ukuthi nhloboni yembewu ekubo.

428 Kodwa, akabongwe uNkulunkulu, wonke uIsrayeli akazange akhangwe nguKora. Abanye bahlala ngakuMose, umprofethi ogcotshiweyo eneZwi likaNkulunkulu. Kuyafana, namhlanje, ngabaningi babaKhethiweyo bakaNkulunkulu, ngeZwi laKhe noMoya waKhe.

429 Khumbulani, izilibazisi, ukhula, luzobuthwa luboshwe izinyanda. (Kunjalo na?) Lokhu sekufezekile. Lamabandla enhlangano yabahlubuki liboshwa liqiniswe ngokuthe xaxa kunanoma ake aboshwa. Aboshwa inyanda ndawonye kumfelandawonye wamabandla, alindele imililo yokwehlulela kukaNkulunkulu. (Angizange ngikubhale lokhu. Ngiyezwa ukuthi Wakubhala.) AmaPentecostal agcwele, abizwa kanjalo, ngokufana nawo. IZwi-kolo liyobuthwa ngelinye ilanga, emva kokuba Sebeya, eNkosini.

430 UNkulunkulu wethembisile . . . Qaphelani. UNkulunkulu wethembise uMalaki 4 walolusuku lokugcina. NoMalaki 4 ubengakagcwaliseki nokho, kodwa ufanele agcwaliseke, ngoba uyiZwi likaNkulunkulu elihlumile elikhulunyiwe ngoMalaki umprofethi. UJesu wabhekisa kukho. Kuzoba ngaphambi nje kokuFika kukaKristu, okwesibili. (Lalelesisani manje.) Wonke umBhalo ongakagcwaliswa, ufanele, ngaphambi kwalesosikhathi. IBhayibheli lizoqedwa, ukuba—ukuba liqedwe. Isikhathi sabeZizwe sizoqedwa, nonyaka webandla, uma lesisithunywa esigcotshiweyo sifika. Kusobala, sizotshala iMbewu yeBhayibheli lonke, kusuka ngqo enyokeni kuya esithunyweni emvuleni yokuqala. Siyobe-ke sesenqatshwa abantu bamahlelo, njengokhokho waso, uJohane noElija, njengoba kwakhulunywa yiNkosi yethu.

431 Abantu, njengoba wayenjalo uElija esikhathini sokuqala, esikhathini sika-Ahabi, kuzokwenzeka lapha kulelizwe, njengoba lelizwe lingumfanekiso kaIsrayeli. (Funda noma uzwe *Inkolo kaJezibele*.) Njengalelizwe, okhokho bethu, ngokukhonza ngendlela ababefuna ngayo, bafika kulelizwe base bedudula bakhipha abendabuko base belidla, walidla noIsrayeli lapho bekhuphuka bephuma eGibhithe. Sasinamadoda amesabayo uNkulunkulu, njengeWashington, uLincoln. Babenadumileyo, amadoda amesabayo uNkulunkulu, njengoDavide nabanye. Base bebanoAhabi esihlalweni sobukhosi noJezibele esemva kwakhe, ukuba amphathe. Nathi sinaye.

432 Kanjalo kukulesisikhathi, kulelizwe, lapho lowomuntu ezobonakala khona, ngoba kusemBhalweni futhi ngu ISHO KANJE INKOSI. Bese kuthi-ke ngemvula yamuva kuyovela iNtaba iKameli, ukudalulwa kweqiniso. IBhayibheli ligcwaliseke, ncamashi! UJohane uMbhaphathizi, "Isithunywa saKhe phambi kobuso baKhe," kuMalaki 3. Satshala imvula yokuqala futhi senqatshwa ngamabandla, amahlelo, abaFarisi nabaSadusi ngosuku lwaso. UJesu wafika futhi wayenokudalulwa kweqiniso eNtabeni yokuGuqulwa isimo.

Lomanduleli, wezinsuku zokugcina, uyohlwanyelela imvula yokuqala. UJesu uyoba wukudalulwa kweqiniso phakathi kwamahlelo nezivumokholo, okuyiZwi laKhe, uma Efika, ukudalulwa kweqiniso, uHlwitho loMlobokazi waKhe. Okokuqala kwakuyiNtaba iKameli, okwesibili kwakuyiNtaba yokuGuqulwa isimo, okwesithathu kuyoba yiNtaba iZiyoni. (Udumo!)

433 Ukuziphatha kukaElija, ukuziphatha kukaMose, ukuziphatha kukaJohane, beshiya insimu yabo yokukhonza, abaningi babantu babengabaqondi. Kwakungenxa yokuthi benqatshwa, noMlayezo wabo. Imbewu yayikade isihlwanyelwe. Ukwahlulelwa kwaba ngokulandelayo. Futhi babeluphawu kubantu, oluvela kuNkulunkulu, ukuthi ukwahlulelwa kwase kuseduze. Ukutshala kwase kwedlule.

434 Ngikholwa ukuthi, ngelinye ilanga, uMlobokazi kaKristu wangempela uyophoqwa ukuba ayeke ukushumayela iZwi likaNkulunkulu. IBhayibheli liyaprofetha ngakho, eZambulweni 13:16. (Uma nifuna ukukubhala phansi.) Amahlelo ayoLiphoqa ukuba Liyeke, noma lithathe uphawu lwalo. Kuyoba, ngaleyonkathi-ke, lapho, iWundlu liyothatha khona uMlobokazi waLo futhi lahlulele isifebekazi ngalokhu.

435 Khumbulani, uMose, wazalelwa umsebenzi, kwakumele alindele kuNkulunkulu ukuba athole isiphiwo esengeziwe salomsebenzi. Kwakumele abuyele emuva alinde, futhi ngesikhathi esikhonjiwe nguNkulunkulu. Uaro othize kwakufanele abe sesihlalweni sobukhosi, nabantu kwakuzofanele bafune iSinkwa sokuPhila, ngaphambi kokuba uNkulunkulu amthumele emuva.

436 Manje, nezinkulungwane zabasebenzi bezibonakaliso kulolusuku lokugcina, kudale isizukulwane sabafuna izibonakaliso ongazi lutho ngokunyakaza kweqiniso kukaNkulunkulu neZwi laKhe kulezizinsuku zokugcina. (Njengoba ngishilo . . .) Banike igazi namafutha, nezibonakaliso zangokwenyama emsamo, futhi bayokwesekela, noma ngabe kuyiZwi likaNkulunkulu noma qha, noma ngabe kungokomBhalo noma qha. UJesu usexwayisile ngezinto ezinje esikhathini sokuphela. (Njengoba ngishilo . . .) KuMathewu 24, imimoya emibili, isondelene ngokufanayo impela, "Idukise abaKhethiweyo impela uma kunokwenzeka."

437 Ungabatshela kanjani? Banikeze isisivinyo seZwi. Ningakwazi kanjani na? Khuluma iZwi, ubone ukuthi bathini ngaLo. Uma bengalikholwa iZwi, abanambewana yeMbewu kubo. Bangabomubi, futhi bayanidukisa. Njengomlobokazi wakuqala wadukiswa, nomlobokazi wesibili wadukiswa, bangabadukisi bomlobokazi wesithathu, ngokubhastela iZwi, noma bezama ukukwenza. UNkulunkulu akazange abeke izibonakiliso ngaphambi kweZwi laKhe. (Amen. Lowo

ngumshisisi.) UNkulunkulu akazange abeke izibonakaliso ngaphambi kweZwi laKhe. Zenezelwa ukuba zibe ubufakazi beZwi, kodwa iZwi lingelokuqala. Ukukufakaza, uElija wathi kowesifazane, "Ngibhakele iqebelengwane kuqala," bese-ke uqaphela isimangaliso senzeka. Woza eZwini, kuqala, bese-ke uqaphela isimangaliso. IZwi-Mbewu, qobo lwaLo, liyilokho uMoya oNgcwele okunika amandla.

438 Isithunywa esithunywe nguNkulunkulu singavele kanjani nje sikholwe eminye yemiBhalo futhi kungabi yiZwi lonke, siphike ingxenye yaLo na? Umprofethi weqiniso kaNkulunkulu uzomemezela iZwi ezinsukwini zokugcina. Amehlelo ayomzonda. Akayikuncenga lutho lwawo. Uyoba njengoba wayenjalo lapho efika ekufikeni kokuqala kukaKristu, "Nina-nzalo yezinyoka." Kodwa abakhethwa emaphakadeni bayokuzwa futhi bayokulungela ukubala ngokuhlehla. INzalo yasebuKhosini yokholo luka-Abrahama, njengaye, ibambelele eZwini likaNkulunkulu, kungakhathaleki, ngoba wanqunyelwa emaphakadeni.

439 Isithunywa sikaMalaki 4 siyoqhamuka esikhathini esikhonjwe nguNkulunkulu. Sonke sibheke sona. Sikholwa ukuthi siyofika. Lokho kuhambisana neZwi laKhe. Kuyoba sesikhathini sokuphela. Okungukuthi, sikuyiso isikhathi manje sokuba kubonwe. Siyo—siyohlukaniselwa ngokuyikho eZwini, njengoba bezihlala njalo zibonakaliswa yiZwi likaNkulunkulu esiqinisekisiweyo. UNkulunkulu uyoqinisekisa lokho esikushumayelayo ukuthi kuyiQiniso, njengoba Enza kuElija, ngoba nguElija ozayo, elungiselela uHlwitho lweNtaba iZiyoni. UJesu wathi, "Ngezinsuku zokugcina kuyoba njengesikhathi sikaLoti."

440 Ukushumayela kwakhe kuyoba noMoya nomugqa wamandla weZwi likaNkulunkulu. Ngoba kuningi kakhulu okubizwe ngeQiniso likaNkulunkulu, abaningi abayikusiqonda lesisithunywa seqiniso. (Nginokubhaliwe lapha, i-s-i-p-r-o-f-e-t-h-o, "Isiprofetho.") Ngoba, ngoba kuningi kakhulu okubizwe ngeQiniso likaNkulunkulu yilabo abambumbulu, abefundisi beqiniso abaningi abayikusiqonda lesosithunywa.

441 Njengoba, iziprofetho zesikhathi sokuphela ziyophinda, ngiyakholwa. Njengomanduleli wokuqala wafika evela ehlane wase ememeza, "Bheka nanto iWundlu likaNkulunkulu," umanduleli wesibili cishe uyokwenza into efanayo ngokukhomba abantu kuMlobokazi ozelwe yiZwi. UMlobokazi kaKristu uyokhonjiswa izibhakabhaka, ekubonakaleni kukaJesu. Ememeza, "Bheka nanto iWundlu likaNkulunkulu," ayophuma ezindebeni zakhe. (UNkulunkulu asisize ukuba silungele lesisehlakalo esiseduze.)

Kungcono ngikushiye, khona lapha.

442 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kwenzekeleni lokhu na? Seninakho ukuqonda okungcono manje na? ["Amen."] YiZwi, mngane. Lokhu kube cishe amahora ayisithupha, kusondele eduze kwakho ngqo, amahlanu nengxenye, noma amahora ayisithupha. Kuningi kakhulu okungashiwo. Kodwa impela uMoya oNgcwele, ngalesisikhathi, u—uKucwilise kwajula kakhulu kini, ukuthi niyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Sisesikhathini sokuphela. Izimbewu ziyahlwanyelwa manje. Imvula yamuva ilungela ukuvela.

443 Khumbulani, kuzobakhona omkhulu umbuthano wamahlelo maduze nje, uzoba namandla asabekayo, futhi ayozihlanganisa wona ndawonye kuloMfelandawonye wamaBandla. Kuyothi-ke loluhlobo lwebandla lukhishwe ekutheni lusebenze, ngokwazi kwabo. Kungalesosikhathi, lapho uJesu eyoqhamuka khona, futhi Uyokhombisa ukuthi yiliphi elinguMlobokazi nokuthi yiliphi elingesuye. Futhi khumbulani, bangane abangamaKristu, ngingumuntu, ngingawenza amaphutha. Kodwa uNkulunkulu, enguNkulunkulu, angeke alenze iphutha. Onke amaZwi elilotshiwe lifanele ligcwaliseke. UJesu washo njalo. Ngakho sinezinto lapha emBhalweni ezifanele zigcwaliseke, futhi lokho ngenye yezinto, lokhu ukuduba okuzofika.

444 Kodwa ngaphambi kokuba lokhu ukuduba kukwazi ukufika, kokubeka uphawu kwesilo, kuzofanele kubekhona iMbewu ehlwanyelwayo, ukuba uNkulunkulu akhiphe iBandla kukho. Seniyaqonda manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] IMbewu izofanele ihlwanyelwe. Imbewu yehlelo, futhi bazokwenza isimo noma umfanekiso kuso isilo, ibandla laseRoma. Futhi kuzobakhona uMlobokazi weqiniso. Futhi siyaqonda ukuthi lokho okubizwa ngomlobokazi kuyenqatshwa.

445 Umlobokazi ka-Adamu wenqaba ukuletha ukuPhila. Waletha ukufa. Singumkhiqizo wakhe, imizimba yethu. Sonke siyafa. Sibukeni, ningabona.

Umlobokazi kaJehova wafa. Wahlukanisa naye.

446 Wase ethathela kwabeZizwe, iGama laKhe. Kunjalo na? IGama laKhe; njengowesifazane uthatha igama lendoda, umlobokazi. Manje wenzeni na? Into efanayo nabayenzayo ngesinye isikhathi, wazihlela yena, wonakala.

447 Kodwa kusosonke isizukulwane, yonke imvuselelo iveza omunye umprofethi kaNkulunkulu. Umprofethi ngumshumayeli, umshumayeli weqiniso eZwini, ohlala neZwi, futhi baveza imvuselelo eqoqa labobaKhethwa baphume kulesosizukulwane.

448 Bese eba yize, khona-ke uNkulunkulu sophinde alisebenzise futhi. Ngibuza noma yimuphi usiyazi wezenkolo, noma yimuphi usomlando, ukuba angitshele kanye lapho ihlelo lake lavuka khona. Alikaze. Lafa ngenkathi lihlela, futhi yilapho-ke elilele

khona. Ngicabanga ngoDwight Moody, iMoody Bhayibheli ifise okwephakathi nobusuku.

449 Ngicabanga ngamaMethodisti, amaPentecostal, amaPresbyterian, amaLuthela, amaNazaretha, aboHambo oluNgcwele, amadoda amesabayo uNkulunkulu asukumayo, uBuddy Robinson, no—noGeorge Whitefield, nawo onke lawo adumile, amadoda amesabayo uNkulunkulu ashumayela iVangeli. Nalesosizukulwane semukela iMbewu eyahlwanyelelwa ingxenye yazo. Njengohlamvu noma ngabe kwakuluhlanga, noma kwakuyiqabunga, noma ngabe kwakuyintshakaza, noma ngabe kwakuyinhlamvu; noma ngabe kuyini, lowomfundisi waletha iZwi lalolosuku. Labiza emimoyeni yomine yomhlaba futhi lathatha abaKhethwa balesosizukulwane. Ngalabo abaKhethiweyo, lakhe indlu kaNkulunkulu oPhilayo.

450 Manje, lenkonzo lapha izocijisa okophondo ingene endaweni kuze kuthi yona impela imisebenzi efanayo uJesu ayenzayo, ngoba, uma Efika, itshe eliyiNhloko liyobamba lingene kuYo ngqo. Ngoba ngeke ba . . . Kuyoba khona uHlwitho olufikayo, futhi bayothathwa, nawo wonke uMzimba uyoza naYo, futhi Liyobe selihambile layongena eZulwini. Hhayi ihlelo, mngane; iBandla leZwi likaNkulunkulu! Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Nanka amanye amaduku lapha.

451 Manje ngiyahamba. Ngiyahamba, angazi ukuthi kuphi. Ngiyafuna, njengoba ninjalo, intando kaNkulunkulu. Ngifisa sengathi bengingahlala kulelitabernakele; angikwazi ukukwenza. Kunezinkulungwane; ngizwa ukukhala, umoya ongcolile uzidwengula. Angikwazi ukulala, kul'khuni. Ngizwa abantwana abancane bekhala, futhi ngibona omama bephusha abantwanyana babo bebayisa emgqeni womkhuleko; ngibona omunye umama ephephetha ingane; eyimboze ngeshidi, eyivikela emvuleni, egcekeni. Inhliziyo yami iyopha ngabo.

452 Ngenkathi ngakha lelitabernakele, ngosuku engabeka ngalo itshe legumbi phandle lapho, ngiyawukhumbula lowombono, ngalokho kusa. Nginawo ubhalwe khona lapho etsheni legumbi, wathi, "Akusilo itabernakele lakho leli." Wathi, "Yenza umsebenzi womvangeli. Ukhonze ukukhonza kwakho." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ngiyakuthanda. Ngiyabathanda abantwana bakaNkulunkulu ndawo zonke. Angazi ukuthi Uzongiholela kuphi. Angazi. Ngilindile. Sekungunyaka ngilindile. Ngingalinda iminyaka emibili, ngingalinda emithathu. Angazi. Angiwazi umnyakazo olandelayo. Ngiwulindele. Kodwa ngicabanga ukuthi, ngokomBhalo, iZwi selihlwanyeliwe. Into elandelayo ngukuvela kukaMoya.

453 UBilly Graham angashumayela ndawo zonke. UOral Roberts, lawomadoda amesabayo uNkulunkulu, angashumayela ndawo zonke. INkosi ingangithuma ukuhlwanyela iMbewu kwenye indawo, kwenye insimu. Kodwa ngikholwa ukuthi isizwe sakithi sihlwanyele phansi. Ngikholwa ukuthi sesilungele isivuno manje.

454 Uma uMoya wehla, futhi kufike umnyakazo phakathi kwabantu, labo bamahlelo bayothi shwi babendawonye ngempela ngempela nje njengoba ngimi epulpiti, neBandla likaNkulunkulu liyoxoshwa. Futhi bayokwenza kube ngomkhulu umsindo, baze babenzele umfelandowonye, bese bebeka ukuduba kunoma ubani ongesuye owabo.

455 IRoma iyobusa izwe ihora nje. Iyobusa uphisi omncane. Hhayi ubukhomanisi. UbuRoma buyobusa izwe, ngokubambisana nobuProtestani, esimweni sobuhlelo bebandla uNkulunkulu abenqabile. Lokho kusondele nje njengoba ngilazi iZwi likaNkulunkulu.

456 Ngiyanithanda. Ngiyanibonga. Mhlawumbe ngizobuya cishe ngeSonto, evikini. Ngiyehla, eFlorida manje, iNkosi ithanda; ezansi eGeorgia, kuya kusasa ebusuku. Nginemihlangano emincane embalwa esabalele yonke indawo, uma iNkosi ihola. Nginebhuku eligcwele yona, uMfowethu Roberson. . . noma uBorders angithumelela lona, ngelinye ilanga. Ngiqagele kukhona, awu, kukhona izindawo lapho okukhona khona amashumi amathathu namashumi amane amabandla avumayo ukubambisana, kodwa uMoya ubonakala ungibamba. Angazi ukuthi kungani. Angazi ukuthi kungani. Ngakho ningikhulekele, ngizonikhulekela, ukuze sikwazi ukuma ndawonye. Sengathi uNkulunkulu angasisiza. Sengathi kungebebikho noyedwa wenu lapha oyoke ehluleke futhi asigeje lesosikhathi esikhulu esizayo.

457 Manje, ngethweswe icala ngenqwaba yezinto, bangane. Nenqwaba yezinto enginecala ngazo. Anginaki; yiqiniso lelo. Angazi ukuthi kwenziwa yini, umuntu ungiphushela ekhoneni, angenze ngilwe. Angazi. Yimvelo leyo. Ngenze izinto ebengingafanele ukuba ngizenze, hhayi ngamabomu, kodwa ngi—ngigcwelezekile kukho. Futhi yilokho okungenza ngesabe kakhulu, ngokubona kulolusuku, usuku esiphila kulo, futhi niyakubona manje engikukholwayo. Ngifuna ukuzwa uNkulunkulu, uma konke kungenzeka, ngaphambi kokuba ngenze umnyakazo, niyabo, ngoba angifuni ukwehluleka kuYe. Ngifuna ukuba naYe, ndawo zonke. Futhi ngifuna ningikhulekele.

458 Futhi, khumbulani, senginitshelile iqiniso. Futhi ngiyanibonga ngokuthi nihlale lapha lonke lolusuku, kusukela kusesekuseni kulokhu ukusa. Abaningi benu umi bezungeze izindonga, emahholo, namanje, izinyawo nemilenze

sekunenkwantshu. Nihlezi phandle ezimotweni, amabhetri enu esehla amandla, cishe impela, ngenxa yokulalela. Futhi nanku, wonke useteyipini. Abafana uwuteyipile emuva lapho. Nizokwazi ukuwuthola. Futhi uma niwuthola, uthatheni niye nawo ekhaya futhi niwufundisise ngokusondele ngempela, ngokuhlakanipha, futhi nibone ukuthi yini iNkosi ezonembulela yona.

459 NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uphi uTeddy na? [Omunye uthi, "Khona lapha."] Ngaphambi nje kokuba sikhulekele lamaduku nabantu, ngifuna ukukhulekela ngamunye ngamunye wenu. Ngifuna ukucula leliculo manje. Uzobe-ke uMfowethu Neville esenza izimemezelo zakhe zenye inkonzo.

> Ng'yaMthanda, ngiyamthanda. . . .

Niyalithanda iZwi laKhe na? Khona-ke niyaMthanda.

> Ngoba Wangithanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthin'waseKalvari.

460 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . Mnikeni inhlonipho. Futhi kade ngilapha manje amahora okushumayela manje, ngichaza, ngenza ngamandla ami onke, ngenzela umfo wakithi, ngizama ukubenza baqonde izinto engizishilo, nokuthi kungani ngenze lezizinto. Ngikuletha kuWe manje, Nkosi, lababantu, lababantu ababonakalayo nabantu abayozwa lamateyipu emva kwalokhu. [Akuqoshwanga eteyipini.] Sengathi uNkulunkulu uqobo lwaKhe angapha ukuhumusha kobuNkulunkulu. Futhi ngineqiniso, Nkosi, uma ngilethe iZwi, Lizokwehlela phezu kwalabo Elimiselwe ngaphambili ukuba lehlele phezu kwabo. IZwi laKho liyiQiniso.

461 Baba, ngiyaxolisa ukuthi ngehlulekile kuWe, isikhathi esiningi. Ngikhulekela ukuthi Ungithethelele. Ngikhulekela ukuthi Uthethelele izethameli zami, ezibonakalayo nezingabonakali, zonke izono zabo. Lokho, Nkosi Nkulunkulu, siyaqonda ukuthi sisekupheleni kwendlela. Zonke izibonakaliso zilapha phambi kwethu. Ngineqiniso umqondo wokomoya, Nkosi, uyakubamba lokhu engisanda kukusho emizuzwini embalwa edlule. Ngikhulekela ukuthi bazoqonda, Nkosi. Nokuthi yini esi . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . lapho esikhona. Siseduze kokuFika kwaKhe. Siyalizwa igagasi. Aseseduze.

462 Sisize, Nkosi. Sisize. Ngikhulekela wonke umuntu ohlezi lapha. Ngikhulekela lamaduku, nabazalwane abalalele eteyipini. Ngisize, Nkosi, ukukhuleka umkhuleko wokukholwa, wabo bonke.

463 Manje, kulabo abavule izinhliziyo eZwini likaNkulunkulu, ngokukholwa, ngitshala leMbewu. NgiYitshala eGameni likaJesu Kristu, ekukholweni kuNkulunkulu. Kodwa, Nkosi

Nkulunkulu, ngibanikela kuWe manje. Linisele. Thumela uMoya phezu kwaLo, Nkosi, leloZwi elihlumile lapho; ukuthi UnguNkulunkulu omkhulu ofanayo, ukuphilisa; uNkulunkulu omkhulu ofanayo, ukusindisa; uNkulunkulu omkhulu ofanayo, ekuvukeni. UnguNkulunkulu. Kwangathi Lingaveza okusanhlamvu, uMlobokazi weNkosi yethu uJesu, isizalo esingcwelisiwe senhliziyo, ukwemukela iZwi. Siphe khona, Nkosi. Ngibayala kuWe, ukuba ucoshe kusukela lapha, Nkosi, (uma kunokwenzeka, wonke umuntu), uMlobokazi waKho, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ng'yaMthanda, . . .
. . . nsindiso
Emthin'waseKalvari.

Sonke kanyenkanye manje, izandla zenu ziphakeme.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthin'waseKalvari.

464 Manje, emva kokuba iZwi libe namahora ayisithupha, intshumayelo engumyalo, nginiyalele esinyathelweni sokuqala. "Phendukani," bese nibheka phezulu, "nibhaphathizwe," emizuzwini embalwa, "eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwesono senu, noNkulunkulu wethembisa ukunipha uMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu nesabantwana benu, nesabo bonke abakude." SikumaMethodisti, amaBaptisi, iKatolika, amaPresbyterian. "Nalowo oyokwemukela iZwi, Makeze." Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

465 Ngininika umfundisi manje, enkonzweni yombhaphathizo. Uzolungiselela manje, ngokuba silungela umbhaphathizo. Mfowethu Neville.

Manje hlalani phansi umzuzu nje.

466 UMfowethu Neville, manje, umelusi wethu, uzonitshela ngohlelo lwenkonzo khona manje, emzuzwini nje. UNkulunkulu anibusise, ngobuye nginibone.

*IZwi EliKhulunyiwe LiyiMbewu YasekuQaleni* ZUL62-0318
(The Spoken Word Is The Original Seed)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni nantambama, ngo Mashi 18, ngo 1962, eTabernakele likaBranham, eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., wathathelwa kwisiqophamazwi sikazibuthe futhi washicilelwa ngesiNgisi ungafinqiwe. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwakhishwa ngo 2003 ngabe:

ZULU

©2003 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

